

oKULUMETULE




oTshaka

J. STUART

African Studies Seminar

No. 43888 Class BA 496.3712406

STUA



G. & S. LTD. C.T. 5M/2/45 (RED.) NO. 4503



Lo mfanekiso w'enziwa o-Bassano Ltd., Engilande, ngo 1882.

UCETSHWAYO.

“uHlamvana bul’ umlilo,—
U baswe uMantshonga be no Gqelemana.”

UKULUMETULE

(Incwadi ye zindaba za Bantu ba kwa Zulu, na ba seNatala)

I BUTWE, YA HLELWA

NGU

J. STUART

o wake wa *Assist. Secy. Native Affairs, Natal*; uMahlalesihlalweni,
Zulu Orthography Conference, 1905-1907; Umlobi we
History, Zulu Rebellion, 1906,—kanye no *Tulasizwe*, no *Hlangakula*
no *Baxoxele* (amabak’ a lotshwe nge siZulu)

Inyat’ i buzwa kwa ba pambili

I ne mfanekiso e ngamatshum’ amabili na ntatu,
kanye ne-map eyodwa

LONGMANS, GREEN AND CO.

39 PATERNOSTER ROW, LONDON, E.C.4

NEW YORK, TORONTO

BOMBAY, CALCUTTA AND MADRAS

1925

All rights reserved

UKUCAZA

Ukuti: (hard breathing), ku lingene no kungenis' u-h.

ISIBONISELO: M 'beke, angab' e sa buyel' emuva. Lapa-ke, uhlamvu lokuti 'beke, lu lingene nokuti, bheke.

Ziye zi be kona fut' izindawan' ezinye, la ku nga tshetshi uku-bonakal' ukub' izwi elilotshweyo li-tini; njenga nxa ku nje: Lo-ke, inyanga ye zulu, ne yo kwelapa futi; uSomsewu o-t' u-ze ku mntanake; u yo-t' u-ya ngapi na? Ukuba ku cace masinyane, ku lotshwa kanje: Lo-ke, inyanga ye zulu, ne yo kwelapa futi; uSomsewu o-t' u-ze ku mntanake; u yo-t' u-ya ngapi na?

Ukuti: ' (soft-breathing), ku lingene nokuti u-h kako.

ISIBONISELO: 'Beka pansi; u-h ke-zwakali-ke ku beka.

Ukuti: ^ (circumflex), ku lingene nokuti ku kon' igama, ingabe mabili, matatu, a nga pumelanga.

ISIBONISELO: inkomo; loku-ke ku lingene nokuti, izinkomo.

Ukuti: - nokuti - ku lingene nokuti: kude; kufutshane.

ISIBONISELO: uTshaka wā tal' igazi le nkomo wū li tel' emnyang' esigodhlweni sake. Owakuqal' u-wa mude; owesibili u mfu-tshane.

Ukuti: ib., ibid. (ibidem), kuti " iyo leyo ndawo eke ya patwa."

Ukuti: = ku-tsh' ukulingana, ukub' okunye ku lingene no kunye.

B. kuti 'Beka.

k. ,, kasi; kk. kuti makasi.

c. ,, ukucaza (note).

h. ,, uhlu (line); hh. kuti izinhlu.

u.t. ,, ukuti.

ISAZISO

ISU LO KULOBA la lel' ibuku, li suk' emtetwen' omkulu o wa menyezela Umhlangano wa beLungu na Bant' abafundileyo, a bā ketw' izwe lonke, o wa qal' eTekwini ngo 1905, wa u su-y' eMgungundhlovu ngo 1906, waze wa gcin' eTekwini ngo 1907. Lowo mteto-ke, wā qamb' ukuloba o ku fuz' o kwe zizwe zonk' ezikanyisiweyo, u ku qamba nge-zwi lokuti: Ukulotshwa kwe siZulu, ma ku qondane ne zinhlamvu zo kukuluma, zi-me z'ahlukene nge zinhlobonhlobo zazo (the different 'parts of speech' should be written separately), zingabe iloku zi banqaniswa ndawonye, ngapandhle kwo mtet' oqinile, sengati kw-enzelw' ukutikimez' abantu; ba be ya fund' indaba—ne yeluleleke kancane nje—ku ba kataze, ku ba libazise, ku b'engenise.

O se jwayel' uku-funda (read) nge-su lo kuloba e li sezincwadini e zi njenga le, si-ti, nxa si zi cabangela, u yo del' ukuti ukulob' okunje ku cacile, ku neibilikile, fut' umuntu ku ya m pangisela—atshetsh' a bone ukuba ku-tiwani. umLungu, ko kwak' ukuloba, u gijimis' o kwe ntenetsha—njālo; abansundu bona, ko kwakubo, na namhlanje loku, ba sa libel' uku-nyatelis' o kwo nwabu. Ukukanya ku tolwa nga majubane kupela. Ku fana na la ku-liwayo. O na matizetize u y'ahlulwa.

Lel' ibuku li kanye no Tulasizwe, no Hlangakula, no Baxoxele; izindaba zalo ku se izo e zo hlanga njalo, ngob' iNdhl' eMnyama, njenge zinhlobo zonk' ezinye, i nambit' ezakubo, kakul' ezindala. Zi kona kodw' eziny' ezintatu ezahlukileyo, zokuti: Ukukanya (k. 189), no kulotshwa kwe siZulu (k. 140), no kwenziwa kwo buhlalu (k. 60). E yo kulotshwa kwe siZulu i kuluma nge-su leli o ku hanjiswa ngalo ku wona la mabuk' etu.

Umunt' a nga sitelwa belu izwana (maqondana ne zibongo) e li sekupeleni ku ka kasi 6; a 'beke futi Ukucaza, ku kasi 4.

Si vunyelwe o-Messrs. Macmillan & Co., no E. L. Hildreth & Co., ukuba si ngenise ku le ncwadi, k. 142, izitombe zi ka Bishop H. Callaway, no Rev. Lewis Grout.

LEL' IBUKU LI PET' EZOKUTI:

Sifundo	Kasi	Sifundo	Kasi
1. Mhla uSomsewu e land' abantwana ku Cetshwayo	7	25. Izibongo zi ka Mpande.	
2. uMgungundhlovu. I.	14	IV.*	137
3. uMgungundhlovu. II.	26	26. Ukulotshwa kwe siZulu. I.	140
4. uMgungundhlovu. III.	34	27. Ukulotshwa kwe siZulu.	
5. Ukulahlwa kwe zikali za makosi.	45	II.	151
6. Izibongo zi ka Senzangakona. II.*	48	28. Ukulotshwa kwe siZulu.	
7. Ukukhulasa ku ka Tshaka kwa Ngongoma	51	III.	158
8. Izibongo zi ka Zwide ka Langa	58	29. Ilanga li ka Mbete	161
9. Ukwenziwa kwo buhlalu. I.	60	30. uBovu ka Nomabuqabunga	165
10. Ukwenziwa kwo buhlalu. II.	67	31. Ukubuya ku ka Cetshwayo.	
11. Ukwenziwa kwo buhlalu. III.	73	I.	168
12. Izibongo zi ka Tshaka. IV.*	78	32. Ukubuya ku ka Cetshwayo.	
13. Uku-wu-nquma kwak' uTshaka umbango wa kwa Nyuswa	82	II.	175
14. Amaqaw' amakul' a kwa Zulu: (a) uMvundhlana ka Menziwa; (b) uNdengezi ka Kuzwayo; (c) uNyambose ka Manqondo	86	33. Izibongo zi ka Cetshwayo. IV.*	182
15. Izibongo. I.	93	34. Ukukanya. I.	189
16. Izibongo. II.	99	35. Ukukanya. II.	196
17. Izibongo. III.	103	36. Umuzi we Nkosi o w'ak' emaBunwini	198
18. Izibongo zi ka Dingana. IV.*	114	37. Impi ka Zibebu ya soNdini Izindab' e za vela ngemva kwe-mpi ka Zibebu	202
19. Inxele ka li wu bus' umuzi	116	38. Ukulahlwa kwa Makosi, (a) uMpande; (b) uCetshwayo	206
20. Inkata ye-zwe	120	39. eMakosini	209
21. Intomb' e ya gan' uMavovo wa seMbo	124	40. Izinkomo zo mzimu	215
22. Iziga. I.	125	41. Iziga. II.	219
23. Ukubulawa (a) ku ka Dube na maNyuswa; (b) kwa baMbo	126	42. Izibongo zi ka Dinuzulu. IV.*	222
24. Ukudabuka kwe goda	129	43. Amaqaw' a kwa Zulu: uDiyikana ka Hlakanzana	226
		Umdidi ka Ndhlela	228
		44. Izibongo zi ka Langalibalele ka Mtimkulu	234
		45. Ukukungwa kwe Nkosi	235
		46. Izibongo zi ka Nzibe ka Senzangakona	237
		47. Izibongo zi ka Hamu ka Mpande	238
			239

* Loku kuti lez' izibongo zi landel' ezakuqala; zi xumelelene nazo. Ezakuqala-ke, zi ku Tulasizwe, no Hlangakula no Bazozele,—amabuk' a kanye na leli.

UKULUMETULE

1

MHLA USOMSEWU E LAND' ABANTWANA (BA KA MONASE) KU CETSHWAYO

[Le ndaba i xoxwa uLutoluni ka Zucu, wa kwa Lamule. 'B. k. 13.]

EMPINI ya baNtwana, ya seNdondakusuka, e y'alwa ngo 2 December 1856, kw-ahlulw' e ka Mbuyazi (iZigqoza),—uMbuyazi naye wa-fa, no Mantantashiya, no Tshonkweni, kanye na bafowab' abanye. Kwase kuti, ngob' isidumbu si ka Mbuyazi si nga tolakalanga, kwa dum' ukuti ka-file,—u tatwe abeLungu a ba be sezibukwen' oTukela, ba m fak' enqoleni; ba muka naye!

abaNtwana bona, uMbuyazi no Cetshwayo, ba be-lwa nje, ba be bang' ubukosi. iNkosi, uMpande, ya ingati yona i bek' uMbuyazi; kodw' izinduna, no Zul' omningi, be vun' uCetshwayo. uMonase, inkosikaz' enkulu ka Mpande,¹ ya i si welel' eSilungwini-ke, i si-z' emaNgisini eMgungundhlovu, y-eqa no Mkungo (umntanake), kanye na banye. Abantabayi kodw' abanye, amakosazana, oBatonyile, ya ba tshiya kwa Zulu.

Na kwa Zulu lapa, ka ku hleziwe kahle. uCetshwayo yena ngokwake, u-t' uMbuyaz' u se kona; u nga ku

¹ Uyise ka Monase, uMntungwa, wa kwa Nxumalo.

beLungu. Baningi-ke noko abede be pika, be-ti wā-fa, wā-fela kon' oTukela, mhla ku-liwayo. Li nga bonakali-k' e le qiniso ukuba ilipi. Futi, nom' e-fil' uMbuyazi, se kw-aziw' indawo yonke ukut' umfowab' uMkungo u se nga seMgungundhlovu; u hlezi ku Sobantu, eKukanyeni; u no nin' uMonase, kanye na banye; u fund' inewad' esikoleni. Seku-tiwa-ke, abeLungu ba m godhle nje, ku yo hamba ku hambe, bese be m buyisela kwa Zulu; ba m enz' iNkosi. W-ēsaba loko-ke uCetshwayo; e nge yedwa futi, ngob' abantu bake, uSutu lonke lupela, nalo lwase lu hlezi ngo kwenqena.

Kant' o kwe qiniso, uMbuyazi kād' a-fa, wā-fel' oTukela, ngay' impi ya seNdondakusuka. No Mkungo lo, akuko mkuba no wodwa a ba be qond' uku-wu-gila ngay' abeLungu. Ka tatwanga ibo kwa Zulu. Wa z'eqela nje, e nga bizwe muntu, e nga tenjiswe luto; e baleka no nina; be-z' eMgungundhlovu, b'esab' ukubulawa. uRulumeni-ke yena u se b'enzel' umpeme wo kupepela. Kupela njalo. Kakuko nakancan' ukuti kwa ku cingw' isu ne li njani lo kub' a nga buyiselwa kwa Zulu, abes'e bekwa, a be iNkosi. uCetshwayo no Sutu ba be zi cabangel' into ya manga nje; be zi hlupa nge-ze.

U se bona-k' uSomsewu ukut' urubu ka bejane lo u yo pela ngoba ku-ya yen' uqobo kwa Zulu, abes'e-ti ku Mpande ma m kombis' inkosana yake, a yi bone nga mehlo, o ku iyon' e yo ba iNkosi yen' e ngaseko. Kutike, a nga-tsh' uCetshwayo, bese ku duma loko indawo yonke; ngoba naku se ku zo fakazelwa abeLungu, isizw' esinye, bona laba o ku-tiwa ba godhl' uMbuyazi no Mkungo. Ati, a ng'enze njalo-ke, yonke le ndaba ka Mbuyazi no Mkungo, i bi si buyela pansu; izwe bese li hlala ngo kutula-ke.

Ku kon' amany' amazwi-ke a be fun' uku-wa-kuluma.

Ubet' u zo qala ngo kukalel' uMpande, ngob' e-felwe amadodan' ake eNdondakusuka; no Cetshwayo fut' a m kalele. Abes'e ngena kwe ya banta ba ka Monase a bā sala kwa Zulu, oBatonyile, ukuze ba buyele nga ku nina, eSilungwini; kuti-ke futi, oMonase no Mkungo a ba celel' ukudhla. U se hamba-ke njal' uSomsewu,—

uMhlope wakiti, wa setawin' eMgungundhlovu,
O wa fika ne mkumb' embili.
Ito! elinsizwa, li ka Sonzica,
Ekade li wa gingq' amany' amatole.
O hlamb' izandhla, z'omel' emadodeni.
uMpumuz' abant' amapika.

Wā pum' eMgungundhlovu qede, wa qond' oTukel' ezansi; wa wela nge la seDhlokweni. E se qond' eMtonjaneni-ke. U s'ehlel' ehlanzeni; e se yo wel' iMfолоz' eMhlope, kwe la seMahlabatini.

U qale nga ku Mpande, kwa Nodwengu. E se-ti ku Mpande: "Ndi fike nje, ndi zo ku-kalela nga bantabako a bā pel' eNdondakusuka; ngoba, pela, abany' abantabako, bā balekele kimina, kanye nō nina, omkako. Kepa-ke mina, ndi ni pete nonke—na ba bulel' abanye abami; na ba buleweyo, abami. Ndi ba kalela bonke.

"Kodwa-ke, lab' a ba balekele kimina, ba bulawa indhlala. Indhlal' embili lapa ko mukako. Indhlala é yo kudhla; indhlala é ya bantwana babo, a bā sala lapa. Ngoba, ba ku mina nje, abako. Kodwa-ke, mina yise wabo bonkana, ndi-ti a ku hlelelwane; no nina, ba ya kala, ba kalel' abantwana babo. Na bantwana lab' a ba ku wena ba ya kala, ba kalel' onina."

Wa-ti-ke: "Ndi ya dhlula nje, ndi-ya ku Cetshwayo; naye ndi ya ku-m-kalela." Wa-ti-k' uMpande: "Hamba-ke, u-ye ku yen' uCetshwayo. A ku-yi ngami. Abantwana be ngi yo ku-nikela; ne zinkomo zi kona;

be ngi yo ba-pa. Kuhle ngob' u yo kala ku yen' uCetshwayo." Wa-ti: "Nawe u y'azi ukub' inkunzi, i nga ba ndala, i y'ahlulwa itole layo."¹

Wa hamba-k' uSomsewu. Waye wa fika-ke ku Cetshwayo. U hamba ne nduna yak' uNgoza, na madod' akwake. Wafika futi ku Cetshwayo wa tata kanje, wa-ti: "Mntanami, ndi zo ku-kalela; ndi-t' u-file nga bantu ba ka yihlo." U se tula nje-ke uCetshwayo. A nga qal' a li qube uSomsewu lo kuland' abantwana. "Wo! Ne zalukazi e ndi hlala nazo eMgungundhlovu, onyoko, ndi bika zona; se zi bulewe indhlala"—w-enz' isu lo ku-ba-celel' izinkomo ku Cetshwayo.

U se-ti-ke uSomsewu: "Wo! Bap' abantwana ba ka Monase, oBatonyile na?" U-ti-ke: "Nang' uNgoza o tunywe ngō nina a ba bonele, a ba konzele." E se-ti-ke uCetshwayo: "Namp' endhlini, esigodhlweni."

U se suka-k' uNgoza e yo ba bona; ince' i yo m kombisa. Usefik' e ba bon' uNgoza. U se kuluma-ke nabo, e konzel' onina. Izinceku zi kona—lezi za ba-Ntwana. Zi ba mraba² mbili; ngob' ezinye zi lalelel' uCetshwayo, ezinye zi lalelel' uMpande. U se buya-k' uNgoza. Kodw' amazwi a ye kulunywa uNgoza na bantwana, ka ngi w'azi, a-ziwa a ba be sendhlini kupela.

uCetshwayo u se-ti ku Somsewu: "Hamba-ke u yo ngenisa; se ngi zo tshel' amadod' a kwa Zulu." E se yo ngenisa-ke ezinqoleni zake, la ku kunyulwe kona. U ya m hlabisa-ke uCetshwayo.

¹ uLutoluni ka-tshongo ukuti la mazw' amanye, o wa ye-ze ngawo uSomsewu, okut' inkosana ka Mpande ubani, a hamba nge ndhlel' enjani. Siti tina wa yeka ngoba ku nga velanga sici lapo. Leyo ndaba ya kulunywa ngo kwayo kwa Nodwengu, nge langa layo, uCetshwayo nay' e kona. uMpande u komba yen' uCetshwayo-ke; no Zulu wonke u se yi vumela ngamandhl' iNkosi. U se kw-amukela-ke uSomsewu. Se ku ya bongwa nje-ke. Se ku ngenwa ku lez' ezinye nge liny' ilanga.

² Imiribato.

U se butana-k' uZulu, nge langa elitshiwoyo uCetshwayo ku bantu bakwake. Ilanga lä tshona la linye.

Ut' ukub' a bizw' uSomsewu, e-ze-k' ebandhla. Abes'e fik' e-t' uSomsewu: "Ndi cel' abantwana, ngoba be ndi zo kala nje, ni ngabami nonke. Le ndaba yo kubulalana kwenu, a ndi yi ngene." Se ku qamuk' uCetshwayo, u se-ti: "Sukuma, Ngoza!" We-ma (uNgoza). Wa-ti: "Lap' esigodhlweni wa u landeni?" Wa ye se-t' uSomsewu: "Hau! Kanti wa zi-yela ini? Ingati wa cela na?" U-ti-ke uCetshwayo: "Tula, wena mLungu! A ngi kulumi nawe. Mina ngi kuluma na bantu ba ka baba. Ba gewele kuwe nje, a si bako, abami."

Wa-ti: "Ngi ya buza Ngoza, ngi-t' u bu landeni?" Kwa vela yen' uSomsewu. Wa pendula, wa-ti: "Uz' uNgoz' u m pikelele nje, u-t' u be landeni, ufike w'onani esigodhlweni? Wen' ut' u be yo qomis' izintombi, odadewenu na? Izintombi e zi tshiya zi ngak' eMgungundhlovu na? Wa ye nga-yil' uku-yo-qomisa. Wa ye-yel' uku-yo-konzel' onina."

Se ku vel' abaNtwana, oHamu no Ziwedu. Se be-ti: "Si-zwa ku-tiwa u land' abantwana. Njengobani ahl' a-lwe, omuny' a m ahlule qed' a m nike?" U-t' uSomsewu: "Tulani, Hamu na Ziwedu. Ndi pendula nje, nani ndi ya ni pendulela. Kuzauti, ku ngomuso, nd' etuke se ku fika nina kimina, ni-ti ni bulawa uCetshwayo,—njenga naz' iZigqoza zi fika kimi zi bulawa. Ngomuso, ku ngani."

Se ku vel' uSomopo, u se-ti: "Mina, mYungu! U-t' u land' abantwana ba ka Monase? Kant' abaNtwana ba be bulalana njena, eNdondakusuka, ba be bangani na? Ba be nga bangi bon' abantwana laba na? Ku ilon' e-ti 'Imin' inkosi' na? Wa vela-ke o na mandhla na? Wa m ahlula na? Wa li tata-k' ifa na?

Laba bantwana, bakwabo kwa Mbuyazi, mYungu, u nga ba tata si-file !”

uSomsewu u se-ti: “Qa, Zulu! Kangelani, ndi ni tshele. Mina be ndi zo kalel’ uCetshwayo nga banta ba ka yise. Kak’ e ndi m vunayo. Noma kwa kw’ ahlulw’ uCetshwayo, nda ndi yo ku-m-amukela. No Mbuyazi ndidhlule ndi zo m kalela. No Mbuyazi, ukub’ a ka-fanga, kona e be-ti kimina a ndi m elekelele, be ndi nda soze nda vum’ uku-m-elekelela. Nawe, ukuba wa y’ ahlule wena, wa balekela kimina, nga ndi ngeze nda kw-elekelela.”

uCetshwayo-ke wa ye se-ti: “Ngi ya buza Ngoza, ngi-t’ u bu landeni?” U pinda lona lelo. U se qaqazel’ uNgoza. U se-t’ uSomsewu: “Inganti ndi ku tshele na, ukut’ uNgoza u be nga yo qomisa ntombi na? U be yo konzel’ onina na? Fut’ e celile; wa m vumel’ um’ a-ye na?” U se-t’ uCetshwayo: “Tula, mLungu! Ka ngi kulumi nawe!” U se tsak’ amate; a ‘beka ku yen’ uSomsewu, a-y’ a hlab’ pans’ eduze kwake. U se-ti: “Ngi m pand’ uNzibe, e kwa Sotshangana! Angahle ngi-fe kanye!” U se kuz’ uMasipula, e se-ti ngamandhla: “Hayi! Dhlamvuzo! Hayi! U ya li bulal’ izwe.”

Abes’e-ti-k’ uSomsewu: “Hau! Po, wena, u nga u bulawa ini wena, u sendaweni yako nje na? Ungaz’ u-tsho kimina, mina ndi hambile nde-z’ endaweni yako?” U-ti-ke: “Wo! Mina, mfana ka Mpande, u y’az’ ukuti u ndi fel’ amate nje, u su gqunqile, u su nyakeme?” (Ngob’ u ya m bona, u ‘bekene naye; ba bukan’ emehlweni). U-ti: “U ya bona-ke, ne ‘pisi,¹ e li bulal’

¹ Amapisi, abant’ a ba be patisw’ izibamu; be patiswa abeLung’ a ba fika kuqal’ eNatala, (oFebana, no Mbuyazi, no Pobana, no Wohlo, no bani), ba yo ba bulalela ngazo izindhlovu, ne zimvubu, ne zinyamazane ezinye.

izinyamazane, e li bulala zonk’ izinhlobo ze zinyamazane, ne zimbila ezimnyama, ma li bulel’ imbil’ emhlope, umuzi walo ungeze wa lunga; u nga-fa. Na lelo pisi futi, li nga kuli. *Mina-ke, ndi imbil’ emhlope.*”

Wa-ti: “Ukuba ub’ u ndi bulele lapa, abafana ba nga qamuka yonk’ indawo, be fun’ itambo le mbil’ emhlope, lap’ i-fele kona.” U-tsh’ e yalaza nge sandhla, e komb’ izintaba zangakona. Ku kulunywa njalo, uZul’ u butene, u ngange zibi. Ba m kake pakati. Abanye ba ya giya lapaya, ba tshaywa izinduna, ukuba be tand’ uku-sondezela. Ngob’ izinduna a zi tand’ ukub’ amabut’ a z’enzele zi nga-tshilo ukuti m’ enz’ ukuti. Kuti kw-enziwa nje, se kw-enziwa nge-zwi e li pum’ eNkosini,—izinduna zi li nik’ amabuto.

So ku landw’ izinkomo-ke. Soku-tiwa: “Nas’ isinkwa sako, mLungu, o zo hamb’ u-dhla son’ endheleni. Aziko lezo o bu zi celel’ abantu bako—oMonase, no maNgqengelele, omka Mpande.”

Le ndaba i xoxwa uLutoluni¹ ka Zucu, wa kwa Lamule, o wa ye kon’ impela la ku kulum’ uCetshwayo no Somsewu. U-ti ba suka lapo kusasa (uSomsewu na ba hamba naye) ba hamb’ utshitshi; ² abaze ba hamba nge ndhlel’ a be-ze ngayo; ngoba ba wel’ eDhlokweni, be se-za. Se b’anel’ uku-dundubal’ eMtonjaneni, se be qondana ne Tala, esikaleni se Bomvu; se be tshon’ oTukela. Ezibukweni, ba wela nge lo Mtambo. Base be qonda nge ndhlel’ e dhlul’ eMgungundhlovana; se be-z’ eMgungundhlovu.

Wat’ ub’ a hamb’ uSomsewu, izinduna zase zi yo butan’ emnyango we-ndhlu ye nduna, uMasipula ka Mamba.

¹ Ibuto lake, uMdhlenevu. Ngo 1916, wa y’akel’ uMtshinane, eMbikwe, pansu kwe Qudeni, kwa Zulu.

² Ukuhamba njalo, ku nga punyulwa ndawo.

Kwa xoxwa yona le ndaba. Ba-ti: "Hau! Isilokazana si ne sibindi! Siti, ingati si ya bon' ukut' iNkos' i tuku-tele, sidhlule si kulume nje. Si ne sibindi kabi! Omunye wa ye yo bon' uZul' e butene kangaka, angab' e sa wa qub' amazw' amaningi." Ba-ti: "Ukub' uCetshwayo, ingat' u se tukutele, e se li qubil' igamu lokuti: 'A ngi-fe kanye,' yen' adhlul' a kip' izwi lokuti, 'Mina, ngi imbil' emhlope'! Onke la magama omunye wa ye nga se ku-wa-kuluma. U wa kulume ngob' e ne sibindi, e ng'esabi. Ka nalo uvalo. Ka kw-esab' ukufa. Bā babaza bonke; ba fakan' imilomo. Ba-ti: 'Hau! Isilokazana si ne sibindi!'"

2

UMGUNGUNDHLOVU

I

Imiz' emkulu ya kwa Zulu, ku sa buswa, ya i miningi. Ku *Tshaka*, kwa ku kon' uBulawayo (uGibixegu), no Dukuza, no Sizebe; ku *Dingana*, ku kon' uMgungundhlovu, no Hlomendhlin' oMhlope, no Kangela; ku *Mpande*, ku kon' uNodwengu, no Mlambongwenya, no Gqikazi; ku *Cetshwayo*, ku kon' uNdi, no Gingindhlovu, na Mangwe. I kona-ke fut' eminye emningi, njengo Nobamba, no Mbelebele, ne Mpangiso, ne Mvoko, no Dhlambedhlu, ne Ntontela. I si yonke, o wa u ngapambili kwayo yonke ngo bukulu, nxa si-zwa nga badala, uMgungundhlovu, "o nduku zi bomvu."

Igama leli lokut' uMgungundhlovu sengati la suk' esangungwini, inkunz' e mpondo zi gobe kakulu, za citsh' uku-hlangana; futi, ku njenge zimpondo ze ndhlovu, zona zi kumbele,—eziti, nxa umunt' e zi beka pans'

ebaleni, e zi beka zi 'bekane njeng' e ze nkomo, zi fane no mkumbi-ke (wa mabuto), ingabe isibaya so muzi. Naso-k' isisusa se gamu.

Lo muzi w'ākiwa ngo 1829, uDingan' e se m bulel' uTshaka,¹ kanye no Mhlangana, no Mbopa, no Ngwadi, no Magaye, no Zihlandhlo; fut' e se balekil' uNqeto ka Kondhlo. uTshaka uze w'aka kwa Dukuza nje, ngoba be m xakalaze ngo mkonto, e kwa Bulawayo.² U se-ti kwa Zulu "ku seMpaka"; u se muka-ke njalo, e se yo kw-aka ngapetsheya kwo Tukela.

uDingana yena wa ye ng'enqeni luto kwa Zulu. uMgungundhlovu u se w'aka-ke, pakati kwo Mkumbane no Nzololo,—imfudhlan' emncane, eti, nxa i si hlangene, i bi si yo ngen' eMfoloz' eMhlope, eMahlabatini.³ Lel' izwe ā-ka kulo, ē la sehlanzeni, kodwa lihle, ngoba li tand' ukupakama; li polile. Izwe la nga ku leyo ndawo li ne zihlahla zo mnqawe, no munga, no mtolo. Ku kona fut' imhlonhlo, no mhlaba. Utshani ba kona, insinde ne nfu-ngwa (le e yaluk' izihlandhla zo kufulel' izindhlu). Indawo, oku-tiwa ku seMakosini, la kwa lahlwa kon' amakos' a kwa Zulu, i nga sentshonalanga kwa kona; eduz' impela.


Ukuma kwo muzi wa seMgungundhlovu, umunt' a nga ku bona kahl' emfanekiswen' o ku *Tulasizwe*, k. 64. Ngemva kwe sigodhlo, ngasenhla, ku kon' imizan' emtatu ye Nkosi. Besekuti-ke, ngemva kwayo, ku be kon' intatshana, iSangoyana. uMkumbane ilo mful' o nga bonakaliyo, o nganeno kwo muzi; uNzololo, lol' o lu bonakala kancane, lu ngale. Kungake ku 'bekwe fut' emfanekiswen' omunye o ku *Hlangakula*, k. 64.

Izindhlu zo muzi, wonk' u pela, uma se zi balwa, zi

¹ Wā m bulala ngo 23 September. 1828.

² Ngo August, 1824.

³ B. i-map, k. 220.



UMGUNGUNDHLOVU.

Ukucaza.

- | | |
|--|---|
| A = eMvazana. | N = izindhlu za mabuto. |
| B = eBeje. | O = indhlu ka ndunankulu, uNdhlela. |
| C = kwa Mbeceni. | P = indhlu ye nduna, uNzobo. |
| D = ugange lwo muzi. | Q = la ku-ma kona 'e zo mlomo.' |
| E = utango lwe sigodhl' esimhlope. | R = la ku sengelwa kon' ezinye. |
| F = utango lwe sigodhl' esimnyama. | S = la ku gid' amabuto, nxa se. zi zo sengwa. |
| G = indhl' e hlal' ogqayinyanga. | T = izipundu. |
| H = indhl' e hlal' iNkosi. | U = isipundu, e s'en'z' ukub' a be mabil' amasango. |
| J = indhlu ka Mpikase, unina ka Dingana. | W = izintango ze zindhlu za mabuto. |
| K, L = isibaya se zinkomo 'zo mlomo, ne so kugezela (iNkosi). | |
| M = izibaya ze zinkomo zo muzi. | |
| 1 = lapa, ku sesicamelweni. | 2 = nalapa futi, ku sesicamelweni. |
| 3 = yonke le ndawo, kuze ku yo gcin' esangweni, ku sohlantotini. | 4 = esibayen' esikulu. |
| | 5 = isibay' esikulu (amaWombe). |

♂ Amabuto a ye hlal' eMgungundhlovu, amagam' awo, umunt' a nga wa bona ku k. 24.

¹ Izintuba za zi zining' indawoyonke; na maguma a ye maningi; ne ziuqolobana, kanye ne zinyango; kodwa a ku 'balwang' enewadini loko, ngoba ku kuncane.

inkulungwane na makul' ayisihlanu (1500). Izinhla ze zindhlu zine; kwe ziny' izindawo kodwa zi ba nhlanu; kwe zinye zi be isitupa. Ngapandhle kwe zindhlu, ku kon' ugange lo muzi. Wa u mkul' isibili lo muzi we Nkosi; nxa umunt' e memez' omunye o-mi ngale kwe sibaya, angaz' e-zwa.

Izindhlu zona zit' a zi be ncane ku ne za seSilungwini, ingabe ku-ya ngob' e za seSilungwini zi telelw' imali. Futi, lezi za seMgungundhlovu, za zi hlal' amabut' odwa, —abafazi, ne zintombi, na bantwana be hlal' emakaya. Abafazi be zinduna kodwa babedane be hambela be zo bon' abayeni babo; izintombi nazo zi fike nxa zi letel' abanewabo (emabutweni) ukudhla no tshwala.

Amasang' eMgungundhlovu a ye mabili,—amakulu; ngoba nak' amabut' a zo konza maningi; ne zinkom' esibayeni ziningi. Izinkomo za z'ahlukaniswa; zi ne zibaya zazo e zi ngapakati kwe sibaya so muzi. Ezinye za zihamba zi-ma ngezindawo ngezindawo, njenga semfanikisweni nje (k. 16).

O ku ningi fut' okunye kwa seMgungundhlovu umunt' a nga ku bona ku wona lowo mfanekiso o w'enziwa itina, s'enza ngo kutshelwa amaxegu a iMkulutshane ne Zigulutshane,—a y'alusela, e sengela, e hlinzela kona; e zinceku ze Nkosi,—oTununu ka Nonjiya, wa kwa Qwabe; no Ngidi¹ ka Mcikaziswa, wa seLangeni; no Lunguza ka Mpukane, wa sebaTenjini; no Siviri ka Maqungo, wa kwa Malunga, emaHlutshini. Yonke le ndab' e xoxwa lapa-ke sa yi-zwa ngabo.

Esigodhlweni ngasenhla, ku kon' esimhlope, ne simnyama. Zi bili. Kwe simhlope, ku hlal' umdhhlunkulu (we zintombi) ze Nkosi; zi ningi; zi ngamakulu. Inko-sikaz' e ya i pete lapo u-Bibi ka Nkobe (elinye uSompisi),

¹ Elinye, uMagambukazi.

udadewab' uNdhlela, induna ye Nkosi. Kwe simnyama, e si nga ngeni muntu,¹ ku hlal' iNkosi yodwa ne zixebe zayo; kanye no mdhlunkul' o pat' ukudhla kwayo. Inkosikaz' e pet' esimnyama, kwā qala kwa uLangazana ka Gubetshe. Kwati, ngo kukitshwa kwake, e buyiselwa kwa Kangela, inkosikazi ya i si ba uMjanisi, umka Senza-ngakona. Ukudhla, ne nyama, no tshwala, na magula, konke loko ku hlal' ezindhlini za mantombazana; ka ku hlali kwa nkosikazi.

Zozibil' izigodhlo zi biyelwe ngo tang' olukulu, olude. Ku kon' izintuba-ke nge zindawo nge zindawo. A zi vamile kodwa. Izigodhlo zi piewe ngo mnqandane zozibili. Ezintubeni na semasangweni ku piewa ngo mzele, won' o vum' uku-goba kahle, ongapukiyo. Amapundu a ye nqunywa nge zince; abes'e gudhlwa, az' a be butshelezi. Kwa ku kon' amagama ngapambi kwe zindhl' ezinye, wo mhlanga. Izibonda zo tango za zi landw' emahlatin' amakul' a seNkandhla.

Umdhlunkulu wa u nga binci luto, ku fakw' imiewana yodwa nje yo buhlalu. 'Ukwenza kwa kon' esigodhlweni. Bu be kona-ke fut' ubuhlal' obunye kwa bakulu. Ba be gqiza ngo bumhlope (*itambo*), ote qwa; ba vunule na ngo *mgazi*, ne *mfibinga*. Izingub' ezembatwayo, zi bomvu, njenge gazi. Lezo, (zi ne zinye fut' eziluhlaza), za zi pum' eNhlengeni (emaNhlwengeni). Abantu-ke bona, nga leyo mnyaka, ba be lala nge zikumba ze zinkomo, ezikuhliweyo ne zitshukiweyo.

Kwa kuti, nxa umdhlunkulu u-y' emfulen' u yo geza (ba hamba njalo b'enz' umbonda), u pelekezelwe amadod' a hlom' imkonto ne zihlangu.² Kokunye, umdhlunkulu

¹ Ku ngen' inceku yo mfan' o nga tombile kupela.

² Njengo kw-enziwa kwe zibotshwa emajel' a beLungu, e z'aluswa amapoyis' ahlomileyo.

wa u pumela ngapandhle ngabane, nganhlanu; ba hamba njalo, b'aluswe zinceku, nazo zi pet' imkonto ne zihlangu.

Umunt' o wetuk' e hlangana nawo nge ndhlela, u pambukel' eceleni masinyane, abes'e-wel' etshanini, e-nz' ukub' ubuso bu be ngapansi, ikon' e nge ku bona luto nakancane. No-y' esigodhlweni, ingab' u biziwe, nom' e inceku yakona, angaz' a wu buka, a nga u gqumeli, ngob' u y'az' ukuti a nga tshetsh' a bulawe.

Izintombi lezi zakona zi kulupele, njenge ngulube; zi ngamadanda, ezinye zi nkwetsholezi. Zi ya juluka, ngoba kakuko msebenz' o w'enziway' esigodhlweni. Zit' izicepu, lez' a ba hlala kuzo, zi nga ba manzi, bese zi tatwa zinceku, zi yo kw-enekwa ngapandhle, zize z'ome.

Pakat' esigodhlweni kwa ku kon' izigqila za mantombazana, na bafaz' e se bā-felwa amadod' abo; bona-ke, bahleze be sebenz' imsebenzi yakona.

Amantombazana, la a ngumdhhlunkulu lo omningi, a yenqen' uku-pum' emakaya uku-yo-ngen' esigodhlweni. Kodw' ukwenqena loko kwa ku nga sizi luto, ngob' oyise ba be ba cindezela ngamandhla. Ku y'etulwa pela. A ba be tandwa iNkosi abakulupele, na ba ne sitomb' esihle,—okuti, nxa se be kulile, ba be bahle.

Ngo kwahlulwa ku ka Dingana, e-hlulwa uMpande (e se hlangene na maBunu), isigodhlo sake sā citeka; abaningi ba-ya nga ku Mpande, abanye ba tatwa uMapita.

Umdhlunkulu waulok' u ganiselw' amadod' amakulu. a ba ngango Mondise ka Jobe, wa kwa Sitole. Yena-ke, uMondise, e ye-za kuye (uZiwelile), wa yi lobola nga matshum' amane (40). Zā-y' eNkosini zonke lezo nkomo. iNkosi ya i nga ba niki luto oyise ba mantombazana. ngoba ya y'etulelwa.

Amafut' o kugcob' umdhlunkulu a ye tandeka kakulu lap' esigodhlweni. U-t' uLunguza (*B. k. 17*), uDingana wayek' a tumele ku Jobe¹ ka Mapita, wa kwa Sitole, uku-zo-celel' isigodhl' amafuta. uJobe-ke u se kip' izintondolo ze zimvu, ezingamatshum' amatatu, e zi msil' emid' esindayo; eziti, nxa zi suk' eLenge,² zi-y' eMgungundhlovu, ku pel' amasont' amabili zi sendheleni. Zi hamba no Mpukane, uyise ka Lunguza; uLunguza naye a hambe nazo, e ludibi.

Uti-ke, ngo kufika naz' uMpukane, u se zi bek' enkundhlweni; so ku bikelw' uNdhlela-ke ukut' o be ku funwa iNkosi so ku fikile. uNdhlel' u se yo tshel' iNkosi. Se zi ngeniswa-k' izimvu; iNkos' i si zi bona-ke. I bi si-ti uNdhlela ka zi kweze. Ku ya-sa nge liny' ilanga, se ku-tiwa uMpukane ke-z' esigodhlweni. Seku-tiwa: "Goduk' uz' ufik' u bongwe ku baba, umfana ka Mapita." Nembal' u se penduk' uMpukane; u se buyela ku Jobe.

Lezo zimvu-ke zi zo hlatshwa zonke, z'enz' amafut' e sigodhlo. At' a nga pela njalo, kubuye ku landw' eziny' izimvu. Ne zihlangu, uDingana wa ye zi cela kuy' uJobe.

No Newadi ka Mhlonhlo, wa kwa Ximba, o wa ye kw-az' ukupal' izingubo, wa ye landwa kwa Jobe, ku-tiwe: "Ka kupuke,—uJob' a but' abantu ba sik' ihlaba lo kukuhl' izingubo." 'E ze sigodhlo njalo lezo ngubo.

uMpukane-ke u se m quba-k' uNewadi, e mu-s' eNkosini. At' a nga m bek' eMgungundhlovu, abes'e buya futi a yo land' a ba be sik' ihlaba; nabo-ke a bes' eNkosini. Ihlaba la li twalwa amadod' a ngamatshum' ayisitupa (60); abako abesifazane. A tshelw' amadoda, ukut' izicoco zabo ziyobuye zi lungiswe ihlaba le Nkosi se be li bekile.

¹ O wa zal' uMondise, uyise ka Matshana.

² eSilungwini, nga seDundee.

U kon' umfundisi wa maNgisi o wa fik' eMgungundhlovu ngo 1837; wa ye s'aka kona (*B. k. 41*). Kwā-tiwa yena u zo fundis' isigodhlo,—ku celiwe pel' eNkosini. Nembala, wa ba fundafundis' abanye, e ba fundis' ukutunga ngo hala; abanye e ba fundis' ukukolwa.

Kwa ku kon' ilawu le Nkosi ngapakat' esigodhlweni. Ku-tiwa 'ilawu' ngob' iNkosi, pela, ya i nga ganiwe. Pakat' elawini insika i-nye; e ye pahla. Ka i nkulu kakulu. Insika leyo-ke y'enziwa ya banhle. I tandelwe ngo buhlalu indawoyonke (o b'alukwe umdhlunkulu), njengo buhlal' umunt' ok' a bu bone bu tandelw' endukwini yo kusina, ingabe isampokwe nje.


Ubuhlalu bu mhlope (*itambo*), obunye bu bomvu (*umgazi*). Kuhambe kw-enziw' amabal' amahle; ku suka lap' i paswe kona, kuye ku geine pansi. Ubuhlalu lobu be nsika o bu fakwa umdhlunkulu wodwa; lonk' izwe la nqunyiselwa bona. Lelo lawu, ilap' iNkos' i hlala kona, i-dhlela kona.

I kona-ke fut' eny' indhlu ye Nkosi esigodhlweni. Leyo-ke, izinsika zayo zi ningi. Umfanekiso wa leyo-ndhlu iwo lo o ku *k. 22*. Lez' izintomb' ezibonakalayo umdhlunkulu; kodwa a wu pelele. uKamungana (uGadeni)¹ wake wa ngena lapo, e biziwe, e yo kuluma ne Nkosi. U-ti yena wa fumana ku mnyama ngapakati, umdhlunkulu lo e wu bona ngo kucwazimula kwo mnaka na masongo² kupela!

Izinsika lapo za zi itshumi. Pans' endhlini ku butshelezi; ku ya cwebezela, ngoba kade ku hlikhlwa nga mafuta. Lok' okukudhlwana, o ku nga seNkosini, iziko. uKamungana wā babaza ngob' e bone ku ngeko

¹ Capt. Allen F. Gardiner, R.N.

² A sezingalweni zo kudhla. Ka bonakali kodw' amasong' emfanekisweni.



uDINGANA.
U sendhlini yake esigodhlweni, eMgungundhlovu. Umfanekiso lo w'enziwa uKamungana (Captain Gardiner),
o wake wa ngena lapo.

mpahl' endhlini, ngapandhle kwa le e bonakalayo. U-ti kodwa wā bon' ubuhlalu o bu panyekw' endhlini, emace-
leni. Int' enye a yetukayo, umdhlunkulu, ukuba, nxa
iNkos' i sendhlini, ba nga sukumi; ku shelelezwa pansi
nga madolo, njalo.

Kwa ku nga ngenw' esigodhlweni, kuzo zozibili.
Ku yesabeka. Abantu ba be funga ngas' isigodhlo lesi,
ku-tiwe: " Ngi ngen' esigodhlweni!" Ku ngen' izinceku
zakona kupela; nazo zi ngena ngoba zi yo tulul' amagula;
no ku-yo-hlahl' inyama. Izinduna, e zi njengo Ndhlela
nje, za zi ngena ngoba zi biziwe.

Ngemva kwe sigodhlo, ngapandhle kwo muzi, kwa ku
kon' imizan' emtatu. (B. emfanikisweni, k. 16). Ama-
gam' ayo, ku seMvazana, na se-Beje, na kwa Mbeceni—
opakati, ngo wa se-Beje; iwo omkulu. Lowo muzi-ke
u-ndhlu ezishiyangalombili. Le emibili,—omuny' u ne
zindhl' ezine; na ko munye futi zine. Ku-tiwa-ke,
nxa i si hlangene yonke leyo mizi, ku se-Beje. eMvazana
na kwa Mbeceni imizi ya magul' a bantwana ba se-Beje.

Ukuti "Beje" loku, ku qanjwa ngo Beja ka Magaozi,
inkosana ya kwa Kumalo, e ya y-ake nga sehlatini la
seNgome; lelo hlati ku inqaba yake. Umuzi ka Mnya-
mana ka Ngqengelele, wa seMahlabaneni, (o w'ākiwa se
ku ku Mpande), wa u 'bekene nay' inqaba leyo ka Beja:
ku welw' iSikwebezi, bese ku yo ngenw' enqabeni.

uDingana wake wa m hlasel' uBeja. uBeja-ke u se
gijim' e yo ponsek' ehlatini. uZulu u se li kak' ihlati.
Kwa sitshulw' amabele, kwa sitshulw' amabele, kw'
akiw' amadhlhlangala; impi ya i si hlala nje kona. Base
bedane be monyuka ngabanye ngabany' abantu ba ka
Beja, be yo konz' eNkosini. uBeja yena kaz' a puma;
uze wa bolela kona.

Abanye, leyo mizi ye Nkosi, ba be-ti ku se-Beja.

O lu ka Dingana' ulimi lwa lu-ti: i-'Beje, e-tsho ngob' e yeyeza, njeng' a ba kwa Qwabe.

uTununu ka Nonjiya (o na lab' a ba si xoxela lez' izindaba), owake wa-y' eBeje (e twel' isihlalo se Nkosi),¹ u-t' uDingana wa ye nga lal' eBeje, wa ye lala ngapakat' eMgungundhlovu, esigodhlweni. eBeje lapa kwa ku hlal' amakosikazi ne zixebe ze Nkosi. Kwa ku-mbelw' amabele kona. Ku kon' isigcawu ngalapo e si gxunyekw' imsinzi. Ilanga be li tamela kona-ke.

Izindhlu za seBeje za zi nkulu zonkana; ku hlal' abant' abanengi kuzo, a ba fak' ingxota (emkonweni), no mnaka (entanyeni); be fak' inganekwane (imgoqo emihle, e itusi)²—ku fakw' enhl' ezingalweni. Ubuhlalu babo bumhlope (*itambo*), bu no bubomvu (*umgazi*); ku kona futi ne *mfibinga*—e ya yi nqunyelwe, i nga fakwa muntu, ku be iNkosi kupela, no mdhlunkulu wayo.

Ku kon' amadod' a e hlal' eBeje, a ba ba pekelayo,—oVumbi, no Bungane, wa kwa Mdhlalose. Ba be peka nge zimbiz' ezisitupa, ezinkulu. Ya i pela nge langa inkom' e pekela kuzo. Inyam' eMgungundhlovu ya i ningi, abantu ba yi-dhle, ba yi-dhle, baze ba paqule³ ngayo. Za zi kona-ke fut' izinceku za seBeje.

Amabuto eMgungundhlovu a ye gwel' umuzi wonke. Kut' esicamelweni, nga sohlangothini, ku be uNgqobolondo, bese ku landel' aMankamane (iMkulutshane); esiswini so muzi, ku be Zibolela, no Fasimba; kuti-ke, nxa se ku-ya nga sesangweni, ku be uTshoyisa. Nga sesibayen' esikulu, esicamelweni (eceleni kwe sigodhlo), ku be Zimphlo; bese ku landel' aMankentshane (iMkulutshane), no

¹ uTununu u-t' isihlalo wa si bek' egceken' etunzini; wa ye se yo hlala ne nceku ye ndoda (uVumbi), la e pekela kon' inyama.

² Amasongo.

³ Kangga.

Dukuza; kuti, nga sesangweni, ku be isibay'esikulu, amaWombe.

Indhlu e hlal' uNdhlela, undunankulu, ya i seceleni kwe sigodhlo, esicamelweni, nga sohlangothini; e ka Nzobo,¹ nayo i seceleni kwe sigodhlo, esicamelweni, nga sesibayen'esikulu.

Umsebenzi wa mabuto, nxa imp' i ngeko, ukwak' izindhlu zo muzi; ukulungis' isibaya; ukulima, no kuhlakula, no kuvun' amasim' e Nkosi; uku-yo-fun' umzele no mngandane, o ku piewa ngak' esigodhlweni; kanye ne msebenz' eminye nje elula.

Nxa ku vel' impi, nom' i suk' eNkosini i yo hlasel' ekudeni, (njenga kwa Mzikazi), kwa ku nyakaz' indawo yonke,—ku xoxw' impi; ku rutshwe; ku giywe; ku lungisw' izikali ne zihlangu; ku banjw' inkunz' emnyama; ku palaz' amabuto; a 'celw' izintelezi, e 'celwa zinyanga ze Nkosi e zi b'elapayo; bese ku yo tatw' idhloz' eMakosini, nga seMzinhlanga (umfudhlan' o ngen' eMpembeni, iMpembeni yona i ngen' eMfoloz' eMhlope) (*B. i-map, k. 220*).

Izihlangu za zi bekw' emaxibeni, ezinqolobanen' ezipakame, okutiwa *unyāngo*. Izinsika zo nyāngo zinde; ubude bazo bu ngange-ndhlu e lal' abantu; inqolobana-ke i zo ba ngapezu kwazo-ke, la zi geina kona. Ukuba kude kangaka, kw-enzelw' amagundane, ngoba nxa izinsika zi fupi, a ya ngena, abes'e zi qed' izihlangu. Izihlangu lezi zaziloku zi kitshelwa ngapandhle; zi tintitwe, zi tshaywe umoya, ikona zi nge ku-ngenelwa zinundu.

¹ Elinye, uDambuza.

3

UMGUNGUNDHLOVU

II

Mi ning' imikuba e ya y'enziwa ku lo muzi. Nxa iNkos' i fun' uku-kuluma no muntu, kwa ku tunyw' inceku, ku-tiwe a i yo m biza. I si zo memeza-ke, *kakulu*, i m memeze nge gama lake, i-ti: "*Nāng' ubani bo! Nāng' ubani bo!*" Kuzoloku ku menyezwa-ke, az' a sabele; naye fut' a sabele ngo kumemeza kakulu, a-ti: "*Mu-ngāne! Ku-zwakēle, wen' o wa kula be libele; wen' o wa pangel' izintaba; wa pangel' uMpehlela no Maqwakazi!*" U se gijima-ke, e banga kona lapo ngasenhla, e yo 'bek' ukut' u bizelw' ukutini.

Nxa ku-tiwa ma ngene ngapakat' esigodhlweni, uzot' e-ya nga selawini le Nkosi, a nga hamb' e tule; u zo be-tsh' izibongo ze Nkosi, e zi-tsho ngamandhla, ku-zwakele kude. Uma be babili, ku bong' omkulu. Esigodhlweni lapa, esangweni lakona, ku kon' inceku, ingabe zimbili, e zi ngogqayinyanga. Zi qapel' o ku yo ngena lapo. Ibona-ke, a ba ngenisa lab' abafikayo, a ba bizwe iNkosi; ba nga ngeni kodwa bon' ogqayinyanga la iNkos' i kona; ba hlal' emnyango, ngapandhle.

Omunye, u bizwe nje, kant' u zo-piw' inyama. Kwa ku nga-dhliwa ku hleziwe pansi. Umuntu wa ye lalis' okwe-nja, inyama le-ke, ā nikwe yona,—e bekw' esitebeni ngapambi kwake,—usezolok' e yi luma, e yi luma, e yi hlafuna; a nga yi pati nakancane nge zandhla. Enye, mhlaumbe, i si nuka, enye i be ne zimpetu; ngob' esigodhlweni la kwa ku-dhliw' e ya i si njalo.

Ku kona-ke fut' izicumu zo tshwala. U se banjelwa-ke esinye, e banjelwa zincek; e se puziswa. Omncane

a banjelwe umdhhlunkulu nje omunye. Okuny' ukudhla kwa lapo, *iwili*. Loko-ke, amahlule a pekiwe, a gayw' umcaba, a xutshwa na mafuta; so ku ba njengo bubende-ke,—ubilebile nje olupuzekayo. Ikona kudhla okukulu-ke kwo mdhlunkulu, o ku-dhliwa malang' onke. O-piwa loko u puzisw' umlaza, o kanyiwe emagulen' a masi, o ewengwayo,—a puziswe ngo meakulwana wo tshwala.

Konke loku kw-enziwa nje, iNkos' i kona lap' endhlini. I qotshem' endundumeni; ingab' i hlezi pezu kwa macans' okulala, asongiweyo. Abantu bayo ba ya-dhla, yon' i ya hleka, i kuluma no mdhlunkulu. Ngoba lap' endhlini ku kona na matshum' amatat' e zintombi e zi hlezi kona.

Umnt' e se puma, u gaqa nga madolo; et' e-ya nga semnyango, ab' e 'beke nga seNkosini. Az' a pume ilok' e-nze njalo. U ya fika ngapandhle, u s'esatshwa abanye, ngoba naku kad' e ngapakat' esigodhlweni. Ka ku hlekwa nxa umunt' e sesigodhlweni; ku nga-tiwa u boneni kangaka.

Umkub' omunye, ku nxa iNkos' i puewayo, nalap' i ewalwayo. Loku-ke kwa kw-enzelwa ngapakat' esigodhlweni, kw-enziwe na senkundhlani, ngapandhle kwe sigodhlo. Inceku it' i puca, iNkos' i bi libele uku-kuluma ne nduna.

Lo opucayo u koteme, u puca ngo kutshetshisa; at' a nga yi tint' iNkosi nge nsingo abes' e qatsha (kungati wetukile), asuk' a yo ku-ma lapaya kude, e-nza ngob' e no valo, e sab' uku-pat' isilwane. Abuy' a yi nyonyo-bele futi kancane, a nga bon' ukut' isate uku-tula, i sa lalel' ukukuluma kwe nduna le e hlezi nayo. Az' a sondele, abes' et' uku-pucapuca, usebuy' e qatsha futi kukoloko, a-ye le,—njālo; kuze ku pele kuloku kw-enziwa njalo. Insingo le u yi pete nge sokudhla; nge sinye,

u pet' imbenge a kongozela ngay' izinwele lezi eziwayo, ezipucwayo.

Ku nga pel' ukupuca indawoyonke, ngapandhle na ngapakati kwe sicoco, imbenge le e ne zinwele i si tatwa eny' inceku. I si ngena nayo esigodhlweni, izinwele i bi si zi tshisela kona; umlota-ke i bi si puma nawo i yo wu tel' emfuleni, emanzin' agijimayo.

Ukucwala-ke nako kwa kut' a ku fane no kupuca. Inyang' e ya i puca, uManokotsha ka Pangisa, wa kwa Njoko. Wā-fel' eMtshezi, eMtunzini, nga kwa Nobamba.¹ No Tshaka futi, ku-tiwa wa ye pucwa uy' uManokotsha lo. Impuco yake ya kandwa amaLal' a kwa Zulu, a b'aziyo uku-kanda.

Ukudhla kwe Nkosi, o ku njenge nyama, kwa ku pekwa indoda; o ku njenga matanga ne sijingi, ku pekwe intombi, umdhlunkulu. Amasi a ye patwa inceku ye ndoda. Kuti, nxa iNkos' i si-dhla, ku tshayw' umsuka we geja, u tshaywe ngo muny' umsuka; ku kaliswa intombazan' epekayo; ku-zwakale kude. Loko kwenzelw' ukuba be-zwe bonk' abantu ukut' iNkos' i si ya-dhla manje, kungabe ku sa pimiswa mate, ku nga kwehleli muntu; iyo'z' i qed' iNkosi. O tand' uku-kwehlela, umlom' a wu bambe nge zandhla, abes' e li tshonis' ikanda lize li hlabe pans' endhlini,—w-enze njalo, ikona ku nge ku-zwakala.

Nxa iNkos' i sa hlez' ebandhla, ya i bizwa ngak' ukutshaywa kwe msuka loku, kuti nke! nke! nke! nke! nke!—masinyane. Iyo'z' i qede, iz' i xube, ilok' i tshaywa. Akuko muntu lap' endhlini nxa iNkos' i-dhlayo; intombazana kupela.

iNkosi ya i nga wa-dhl' amas' e nkomo e ya-dhliwa imp' ezizweni; ne nyama yayo i nga yi-dhli. Kwa ku-

¹ Wa beLungu,—Weenen.

dhliw' e zo mlomo kupela. Lezo-ke, é za kwa Zulu, e za kwo Jama, no Punga, no Mageba,—zo kudabuka; e za zi-m' enhla ne sibaya, eduze ne sibaya se Nkosi so kugezela. Amanz' a puzwa iNkosi a ye landw' enhla no Mkumbane, emtonjeni; na puzwa umdhlunkulu, a ye puma lapo. Izinkomo zo mlomo nazo zi-dhlela nga ku yona leyo ndawo.

Um' iNkos' i si zo pum' esigodhlweni, i si tand' uku-yohlal' ebandhl' esibayeni, umunt' u-zwa ngoba so ku memez' inceku, i-ti: "*A u kupuk' umpakāti! A u kupuk' umpakāti! U ye-zwa nje na?*" Bese ku-tiwa, izindawo zonke: "*Ku-zwakēle!*" Se be zo puma ngamandhla-k' ezindhlini. Se ku hlatshelwa nhlangoti zombili zo muzi. Se be ngena-ke, be ngena-ke, b'enyuka.

Nay' iNkos' i si-za, i-za lap' enkundhlini, la i zo hlala kona no mpakati. I hamba ne zinceku zay' eziningi, oMasipula ka Mamba, no Lubara, no Mtweni, no Nkunga, no Myabase, no Mzilikana,—lezo-ke e za madoda; zi no Mapemvu ka Vukuza, no Vumandaba ka Nteti, no Nhlekele ka Mudhli, no Makedama, no Kalakahla, no Matunjana ka Sibaxa, no Ngidi ka Meikaziswa, no Tununu ka Nonjiya,—lezo-ke, e za zi nga tungile; zi no Matshekana, no Mgudu, no Tshábu, no Mnwana,—izincek' ezincane, no Katangana, no Ndhleleni, e za zi hlal' esangweni le sigodhlo, ngapandhle kwaso.

iNkosi yon' i hlez' esihlalweni.¹ Leso sihlalo sā bazwa umuntu wa kwa Zulu; sā tshiswa, s'enziw' imbala. E so mganu. O wa si bazayo, uCayana ka Maguya ka Mpotsha, wa kwa Geabatshe, kwa Qwabe. iNkosi yā mu-p' izinkom' ezisihlanu ngo kusebenza kwake. Ubuye wa baz' esinye; nga leso-ke, wā-piw' izinkom' ezitobemunwemunye.

¹ E si zi tshaya sengat' e sa beLungu, kanti ca.

Kuti, lapa se be sondel' eNkosini, se be kuleka bonke, be-ti: "Bayede! Wen' o wa kula be libele! Wen' o ngange zintaba, oMpehlela no Maqwakazi!" Se ku hlalwa pansike. Kwa kw-enziwa nje-ke, ma umuzi wonk' u bizelw' esibayeni.

Ibandhla li hlala ngapambi kwe Nkosi. Eceleni kwayo, eduze, ndawo zombili, ku hlez' izincek' ezinkulu. Eziny' izinceku zi hlala no mpakati, lo o ngapambili, o nga seNkosini. Izinduna-ke, oNdhlela, no Nzobo, no Msongane, no bani, ba hlal' eduze, ngapambidhlana kwe Nkosi.

Nxa li balele, ku zo ba kon' inceku, indodana ka Nzobo (induna), e pet' isihlang' e si no-t' olude; i si bambele ngapezu kwe Nkosi, nalap' ihleziyo, nalap' i-hambayo. U y'enzel' umtunzi. U kona-ke fut' uLubara o pet' itongwane le Nkosi (e li isigubana so selwa); u pete njalo, u li pete nge mbenge.

So ku-kulunywa-ke izindab' a ba bizelwe zona. Ku kulum' iNkosi na bakulu bodwa. It' i nga bek' izw' iNkosi, i bi si-t' induna: "Ni ya yi-zwa-k' iNkosi?" Ne zinceku lezi, e zi hlezi ne bandhla, se zi wu tshel' umpakat' o hlezi kudana; be ba tshela noma be-zwe kahle nje nabo. Se li vuma-k' ibandhla lonke, li-ti: "Yebo, baba! Yebo, silo!"

Ya it' i nga hlek' iNkosi, i bi si-ti "pū;" ku lekuz' ikanda. Amazinyo kodw' a nga bonakali, ngob' e mancane, e tshone pakati. U bu su hleka naw' umpakati wonk' u pela, noma ku ng'aziwa ukuba ku hlekwani. It' i nga timul' iNkosi, ku-tiwe: "Tutuka, silo!" It' i nga tsak' amate, ingab' i pimis' izikohlela, ku suk' inceku i yo ku hlikihlela pansike, kungabe ku sa bonakala. Loko-ke, isinzima se Nkosi; e s'enziwa ukub' i be nzima, y-esabeke.

Nga many' amalanga, kwa ku xoxw' impi. Bese ku giy' amaqawe. Ku balw' amakosi o ku-dhliwe izinkomo zawo. Ku patwe futi oSenzangakona, no Ndaba, no Jama, no Punga, no Mageba. Impi ya i nga xoxwa malang' onke; kwa ku dhlula na masont' amabili nje i nga patwanga; it' i nga kulunywa, i bi si kulunyw' amalang' amabili.

Umpakati wa u bizwa malang' onke uku-zo-vumel' izinkomo, se zi zo sengwa. Be z'aluk' inhlanzane. Se zi buyel' uku-zo-sengwa. Ba gide, ba gide. Nxa ku kon' inkom' elok' i 'bonga, i 'bonga, ku zo pum' iziceme ze zinsizwa; zi qamuka kuzo zonk' izindawo; se zi telek' esibayeni, se zi giya. Zi giya njalo, se zi dhlondhlobele, zi ya memeza, zi-ti: "Kala, nkomo ya kwa Zulu, wen' o nga soze wa-ya ndawo!" Ba-tsho njalo, kw-enza ngoba se be tukutele; ba kumbul' uku-dhliwa kwaz' ezizwen' ezikude; zi-dhliwa njalo, kade ku bulaw' abakubo. Loko ku'bonga ikon' o ku ba bangel' umunyu.

It' i nga be-zwa-k' iNkosi, nayo i suk' i-ze lap' otangweni lwayo, lolu o lu nga sesibayeni; i-me ngale kwalo, pezu kwe nduli; i bambele otangweni. I si bukela ku lok' okwenziwayo.

Izwi-ke se li-ti a u hlakazek' umpakati, nxa izinkomo se zi ngenil' esibayeni. Naku futi so ku qamuke izincek' ezisengayo; zi pum' esigodhlweni. Zi pet' amatunga. Amatunga ba wa patele pezulu kakulu, kw-elulw' izingalo; umteto wakona, kw-enzelw' ukuba lu nga ngen' utuli.¹ Amatunga la a wo mganu; onk' a mbozwe nge zimbenge. It' i nga vela-k' inceku e pambili, i bi si memeza kakulu, i-ti: "Zi jubekile!" Loko-ke ukut' iNkos' i si-tshil'

¹ Ka z'enwayi umuntu nxa e wa pete; a nga newedi, ngob' u pet' ukudhla kwe Nkosi; a bine' imitsha e nge na ntswala, e nge na nsila; a kumul' omdala, a fak' omutsha.

ukuti a zi sengwe. Ka zi sengw' izinkomo nxa zi nga vunyelwe, za gidelwa.

Amabuto-ke a se buyel' ezindhlini; a se yo ku-dhla. Se zi sengwa-ke. Zi sengelw' ezindaweni zazo belu; ngoba zi-m' amadhlozidhlozi,—nge mhlambi, nge mhlambi, isibaya sonke.

Ubisi se lw-enyuka-ke, lu-y' esigodhlweni. Lu ya fika lapo, amatung' a se vulwa umfana wakona (ngoba lo osengayo, o se kulile, angez' a li vula; ku y'enqatshwa). Nalap' i si lu tulul' eguleni, li vinjwa uye lo mfana wakona.

Kokunye, umpakat' u bizwa ngob' iNkos' i zo b'abel' izinkomo, i ba-pe ngoba be lambile. uDingana wa yepana; ba be m bonga ngokuti "uMpa-nkom-i-na-bele." Abanye-ke ba zo nikw' itshumi; abanye ba nikw' isihlanu; ko munye, zi be ntatu; ko munye zi be mbili; ko muny' i be-nye. Ezinye bese zi hlatshelw' umpakati lo omningi.

Izinkomo za z'aluswa zikuza; zi ningi. Zi lal' ezindhlin' e zi nga sesangweni, ngazo zombil' izinhlangoti zo muzi. Izikuza kwa ku izinsizwa; abafana be ngeko pakati kwabo. B'alusa be pet' imkonto na marau.

Amasang' o muzi, lan' amabil' amakulu, a ye valwa 'imvalasangwana.' Imvalasangwana ya i ba mbili kwe liny' isango; na kwe linye, i be mbili. Isango lona, ngokwempela, *linye*. A ba mabili ngoba ku kon' impundu enkulu e pakati, o ku ikon' o kw-enz' ukub' a be mabili. Imigoq' emide yo kuvala, nxa se z'alukil' izinkomo, ya yi-misw' empundwini, yona le e pakati.

Izikuza ne 'mvalasangwana' ba be nikw' izinso, nxa ku hlatshiwe; isona sito sabo. Izinso za zi kitshw' ezinkomeni, nxa se zi hlinzwa, zi bekelwe ndawonye zize zi be inqwaba.

Izinceku za zi ngamatshum' ayisihlanu (50) zi pelá zonke. E zo kupat' ukudhl' esigodhlweni zi ngamatshum' amatatu; e zi sengayo nazo ziningi, ngob' izinkomazi ne zindhlezane zi ngamakul' ashiyangalombili (800). Izinceku za zi ketwa zinduna; zi bekwa ibona. Za zi lala ngapandhle kwe sigodhlo, ezicamelweni, eduze nas' isigodhlo. Za zi-piw' amasi ne nyama. Ezinye zi xotshisw' izinkomo.

Ba be-ya njal' abant' eMgungundhlov' uku-yo-konza. Kut' umunt' a nga qed' izinyangana kona, abes' e kumuka a yo hlal' ekaya. U hamba njalo, u tshiy' omunye wakub' ozosal' e m' bekel' indhlu yake. Nxa e nga sa kw-enzanga loko, indhlu wa tshiy' e yi vale kodwa, uzot' e se penduka, abes' e yi bon' i si gewel' umlota na manyala, o be kukade ku ngeniswa a ba sezindhlin' ezinye, be-ti: "O! Ubanibani lo u sa libel' ukuqomis' izintombi no kupuz' utshwala nga sekaya." At' a nga buya-ke umnikaziyo angaz' a lala kwe yak' e sa fika, ngoba nans' i gewel' ububi. I si zo lungiswa udibi lwake-ke, i tshanelwe, i sindwe, iz' i yome, andukub' a ngene.

Nom' e konzile umuntu, kwa ku sekufeni lap' eMgungundhlovu. Bonke ba konze nje, ba be hlezi ngo kututumela, na ngo kwesaba; umunt' az' a tol' ukupefumula nxa e se qonde nga sekaya. eMgungundhlovu kwa kuti nom' u dhlula nje ngapambi kwe-ndhlu yo munye, u ng'enze luto no lunci, kokunye, w-edukile nje, u bone ngoba se be ku jikijela nge tambo; kokunye ba ku tshaye ba ku xotshe, sengat' u inja. Ba buz' ukut' u bu wedukeleni; u bu nga qapeli ngani. Izindhlu lezi za zi fanana kakulu; futi, zi ning' impela; omunye az' a yi bon' eyake ngob' e yi hlom' uti ngasekutini kwayo, e-nzel' ukub' a ng'eduki. Izinkuni za zi tezwa kude; at' umunt' a nga buya nazo, a yo zi bek' emsamu. O zi bek' emnya-

ngo, uyot' e se zi landa, a bone se zi ngaseko; *kāde* se li zi tatil' isela.

iNkosi ya i ne zinj' eziningi, e zā buya ne-mpi ka Tshaka e ya i yo hlasel' emaMpondweni. Kwa-tiwa lezo zinja *amaGovu*. E za zi hlal' esigodhlweni, zi lale kona, zingeze zi nga tshaywa muntu, uMakwedhlana, no Jimu, no Makwilana. Ku kona fut' uNozokoza, e ya i teniwe, i isiyepu; ya i lunga, i luma; at' umunt' a nga yi pakamisel' induku i bi si hlala pezu kwake. Ezinye-ke, uMbendeni, no Matshekana, no Matubana, no Gambuje, no 'Bozibozi (leyo-ke, enkul' ebomvu); zi kanye ne za zi hamba ne zinceku nxa be yo kw-alusa. U kona fut' uNomantiyane (unina wazo) o wa ye' hlal' esigabeni. Ku-tiwa uDingana wayek' a biz' amaGov' ake a zo m bulalel' umuntu.

4

UMGUNGUNDHLOVU

III

uDINGANA wā hlala kakulu lap' eMgungundhlovu, e busela kona. Ngoba-ke izindaba za *ngapakati* kwa lo muzi se si zi ngene kangaka, sengat' angak' a be kon' amagam' a patapata yen' uqobo, ku gcine nga manye a pat' e zo mbuso wake, kakulu e z'enza ukub' uMgungundhlov' u citeke, ungab' u sa bonakal' emhlabeni.

uDingana wa zalwa uMpikase ka Myilela (Myiyeya), wa semaQungebeni. Wa ye liWombe, njengo Tshaka, no Mpande. Uyise (uSenzangakona) wa ye na bafaz' abaninzi, kodw' e tand' u-'Bibi¹ ka Nkobe (uSompisi),² wa kwa

¹ =uBhibhi.

² uNkobe wa ye na magam' amabili.

Ntuli, ngapambi kwabo bonke. (uBibi lo udadewab' uNdhlela, undunankulu ka Dingana.) uBibi-ke u se zal' uSigujana. Kwase ku bonakala-k' ukut' uSenzangakona u se beka yen' uSigujana, e-ti uyena nkosana. U se muka-k' uDingana, e yo konza kwa Qwabe. uTshaka yena wa ye muke ngapambili. Wa qala wa-y' eLangeni. U ya suka lapo, u se-ya kwa Qwabe. Usebuy' e dhlula e yo konza ku Dingiswayo, kwa Mtetwa.

uSigujana lo wa bulawa uTshaka,—okwat' ukub ku-f' uSenzangakona, uDingiswayo u se-ti ku Ngomane ma kupuke na mabuto a yo bek' uTshaka, a be inkosi ya kwa Zulu. Nembala kwa ba njalo. uBibi waye se ba inkosikaz' enkulu ku sa bus' uTshaka. Na nxa ku bus' uDingana, ku-mi yena. Wā ba inkosikaz' enkulu ya seMgungundhlovu. Isigodhl' esimhlope sa si petwe uye; umfowabo, uNdhlela, e ngundunankulu we-zwe, kon' eMgungundhlovu futi. Kwaze kwa vel' isiga e si-tshiwo uZulu wonke, sokuti: "U na luhle; u njengo 'Bibi ka Nkobe, okube ku ya vele leyo Nkosi, ku be uwe."

uDingana wa ye no mzimb' omuhle; e mnyama ngo ku nsundu, e nge mnyam' ukuti buqe; e tungile. Wa ye mude; ¹ e zimukile; e lirwanqa. U be ne silevan' esincane; amatang' ake e makulu, ne ntamo yak' i nkulu. Ibilo lake la li juluka njalo; isitukutuku ed' e si gulula nge ntshengula. Wa ye ligwangwa, umzimb' u nga tambile njeng' o ka Mpande no Mkungu. E neweda nge "siziba."² Wa ye liWombe (ibuto lake)

¹ abeLung' a ba bede be kuluma naye, ba-t' ubude bake bu lingana no 6 feet.

² Isikumba se nkabi, esishukiweyo (njenge sidwaba so mfazi; si nga ruqiwe kodwa ngo msizi njenge sidwaba). Isiziba lesi sa si tungiwe. Kwa ku nga-tshiwo ukut' isikumba, ku-tiwe nje, isiziba. Nga leyo nkati, a ba kwa Zulu ba be neweda kanjalo, no Tshaka wa y'enze njalo. Izigude [isigceba, inkamanga] za ngena so ku ku Cetshwayo.

njengo Tshaka, no Mpande, no Mapita. Wa ye tefula, e kulumis' o kwa kwa Qwabe, e-t' inkonyana *inkonana*; inyama *inama*; a-ti *yoku*,—ngoba wa kulela lapo. No nin' uMpikase, e indodakazi ya kwa Qwabe.

Amadodan' a ka Senzangakona, oMfihlo, no Somajuba, no Mdungazwe, no Ngqojana, no Sopana, no Dingana, no Mhlangana, bā xotshwa uyise wabo, e-ti ba kuluma na mantombazana be nga ka nikelw' ukw-evata,¹ ngoba, nga leyo nkati, umutsha wa u nga bincwa be nga ka jutshelwa yona. Ku-tiwa b'enze njalo be nga k'evati. Isono ikona loko. Bonke-ke se be baleka, be yo konza ku Pakatwayo, inkosi ya kwa Qwabe.


uDingana wa ye no laka, e ba bulala kakul' abantu. Abafowabo, ā ba bulalayo, ba ngamatshum' amabili,—oMhlangana, no Ngqojana, no Ndunge, no Somapunga, no Nomkwayimba, no Sondondo, no Kolekile, kanye na banye.

Into e ya i hlup' izwe lonke kuse ku Tshaka, ukub' amabut' e nga jutshelw' izintombi. Za zi kal' izintombi, kanye na amasok' azo. Wati-k' uDingana, ukub' a m bulal' uTshaka, u se zi vulel' izintombi. So ku halaliswa-ke izwe lonke. E se bongwa, ngokuti: “uMalamulela o lamulel' abafazi na madoda.” Ba-ti futi: “uMpa-nkom-i-na-bele”; “uVezi, ba-t' umoya mnandi ngo kunuk' inyama,” ngob' abantu e ba-p' izinkomo; e ba hlabisa. Konke loko-ke u kw-enzela kon' eMgungundhlovu.

uDingana wa ye vam' uku-hlal' eMgungundhlovu. Kodwa wayek' a hambele kwa many' amakanda,—njenga kwa Kangela, na seMgumanqeni, na seSizebeni, na seMbelebeleni; a nga hlali kodwa lapo, atshetsh' a buye.

Izinduna zi ka Dingana' eMgungundhlovu za zimbili

¹ Uku-binc' umutsha.



UKUSINA KWA KWA ZULU.
(ku sa bus' uDingana.)

Lapa-ke, kwa ku dhalelw' eMbelebeleni. iNkosi iyo le e pet' uboko. Lab' a be-mi ngapandhle, ba pet' amahlamvu.

ezinkulu : uNdhlela ka Sompisi (uNkobe), wa kwa Ntuli, ema-'Beleni, no Nzobo (uDambuza) ka Sobadhli; enkulu ku uNdhlela. uNdhlela uye, okwati nxa uDingan' e fun' uku-bulal' uMpande, o w'enqaba nge-zwi lokut' u isiliman' e si no meoboko;¹ e si ngeze s'enz' uto. Leyo ndaba-ke umunt' a nga yi bona ku *kk.* 133-136.² Wa ye mude kakul' uNdhlela.³ E liqawe. Indhlu yake ya i ngenhla, esicamelweni, sa sohlangotini, eceleni kwe sigodhlo. E ka Nzobo nayo i senhla, esicamelweni sa sesibayen' esikulu, eceleni kwe sigodhlo.

Zi ning' izici e za zide zi vel' eMgungundhlovu, malang' onke. Nge ling' ilanga, kwati ku hleziwe nje, kwa bonwa so ku qamuk' uMatiwane ka Masumpa, inkosi ya maNgwane, o wa ye kad' e citwe uTshaka pambili. Wā ngotshwa qede, wa ye se baleka na bantu bak' abaseleyo, waze wa fik' eKoloni e hamb' e-lwa, e dinga. Waze wa pelelwa abantu, be qedwa izimpi lez' ezinye o wa ye zi-lwa lapo, na seSilungwini, e sa-ya pambili.

We-nel' uku-f' uTshaka, wa ye se suk' et' u yo konza ku Dingana; e hamba yedwa nje. U se-t' iNkos' a yi m tole, "se ngi pelelwe ingubo yo kwembata; so ku iNkosi kupela." Kuqale kwangat' iNkos' i ya vuma nje. Kanti ku kon' a ba m otayo. Se be hleba-k' ukuti u-ze ngob' e zo fun' ubukosi bak' obudala. Kanti ba ya m qambela nje. Wa ye zo ba tatapi abantu, se ba qedwa izimpi nje? uDingan' u se-ti ma suswe, a bulawe.

Nembala, ba m tata, ba m wez' uMkumbane, ba mu-s' okalweni o lu sebusweni bo muzi ngapetsheya. U se

¹ Umzimb' omubi.

² Izibongo zi ka Ndhlela zi ku *Baxoxele*, k. 192. U ya patwa futi na ku *Tulasizwe*, *kk.* 83-85; na ku *Hlangakula*, *kk.* 10, 42, 43.

³ E lingene no 6 feet 5 inches.

bulawa. Leyo ndawo-ke ya i si bizwa ngaye, kwa-tiwa ku kwa *Matiwane*. Na namuhla ku sa-tshiwo njalo. Ba ning' abantu a ba be-f' eMgungundhlovu; be rudulelwa kwa *Matiwane*, bese be bulawela kona, izidumbu zi-dhliwe amanye.

uDingana wayet' a nga bon' amanq' e zula pezulu, abes' e-ti: "Izinyoni zi lambile; nazo zi zo k'ot' ibandhla!" U se-ti-ke a ku bulaw' abantu; se zi-siwa kwa *Matiwan'* izidumbu, ukuba ku-piw' izinyon' ukudhla.

'Uye fut' uDingana owayet' a nga bon' ukuti sekuze kwa dhlul' isikat' eside umunt' e gula, isifo si m kwele kabi, abes' e-ti: "U se hlupile; salani ni m qedela."

Kwake kwati, abavakatshi,¹ a ba hamba pakati no muz' ebusuku, ba bon' izinsizwa ziloku zi fohl' utango lwe sigodhlo, zi yo bonana no mdhlunkulu. Se ku bikwake kusas' eNkosini. Wa tukutela kab' uDingana. Wa ku *kumbula* o kwa kw-enziwe a ba seMgungundhlovu, ngob' umuzi wa w'akiwe amabut' a ka Tshaka. Wa u su bulawa-ke njal' umpakati; laze la tshona lelo langa be bulawa; kwa-sa futi ngomuso be bulawa.

Ba bulawa amabut' amatatu—uDhlambedhlu, ne Zinyosi, ne Mkulutshane, be ba qobaqoba nga mawisa, imkont' i nga petwe. Izidumbu se zi tutelwa ngapandhle kwo muzi, kona kwa *Matiwane*. Zase zi-dhliwa zinyoni.² Ba ning' impela a ba-fa mhla loko, izinsizwa kanye ne zintombi. Loko kubulala-ke kwa-tiwa *idili*, nxa i si xoxwa leyo ndaba.³ A ba be pakati kwa lab' abafayo, oMadhlanga, no Myakayaka, no Mkumuza ka Ntusi.

¹ Ogqayinyanga.

² uSivivi kodw' u-ti umdhlunkulu wa u bulawel' oNzololo, umfudhlan' o ne zindonga. Mhlaumbe, lab' a bā tutelwa kwa *Matiwane*, kwa ku abalisa bodwa.

³ iDili leli sengati la ba ngo nyaka ka 1833.

Abanta be Nkosi bona (B. k. 36), ka ba bulawanga nga lelo langa; ba-fa se kwā dhlula loko.

abeLungu babeloku be-z' eMgungundhlovu, be zo bon' iNkosi—oMbuyazi, no Wohlo, no Dambuza,¹ no Venganya.² (uFebana e ngeko, ngoba pela, wa bulawa uNqeto ka Kondhlo, ezweni la maMpondo, ngo *September*, 1829.) uDingana wa ye ba tand' abeLungu, kodw' e nga ba tandis' o ku ka Tshaka. E ba-p' izinkomo ne zimpondo ze zindhlovu, e tenga ngazo impahla yabo,—ubuhlalu, ne zingubo, no msizi, ne ziny' izimpahla.

Ubuhlal' obuhle, o ba bu fakwa umdhlunkulu, ba bu pum' eKipi;³ ne mfibinga le, o kwa ku fungwa ngayo, ya i puma kona lapo; ku landwa ib' oMbuyazi no Dambuza nge mkumbi. Obuny' ubuhlalu, ne tusi, kwa ku landwa kwa Dinisa.⁴

uKamungana⁵ wā qal' uku-fik' eMgungundhlovu ngo 10 *February*, 1835, e zo cel' indawo yo kwaka, no kufundis' abantu ba kwa Zulu ukukolwa. Wē-za kane eMgungundhlovu nga lowo nyaka, elok' e ncengana ne Nkosi nga leyo ndaba. uDingana uqale w'enqaba, kodwa wa gcina ngo ku-m-vumela. Ngo nyak' o landela lowo, kwa fik' uGilawoti⁶ na bafundis' abanye ba seMelika; nabo-ke u se ba vumel' ukuba ba fundis' abantu.

Yake ya-t' iNkos' encekwin' enye, uTununu ka Nonjiya, (B. k. 17), ma tat' umdhlunkul' o isitupa (amaqikiza), a be-se ku Gilawoti, eMvoti, ba yo fund' ukutung' izingubo; a hambe futi na bafan' ababili,

¹ Nathaniel Isaacs.

² William McDowell Fynn, umfowab' uMbuyazi.

³ Cape Town.

⁴ Delagoa Bay.

⁵ Capt. Allen F. Gardiner, R.N.

⁶ Rev. Aldin Grout.

bona-ke ba yo fund' ukupatwa kwe sibamu, no kutshaye-lwa kwe nqola ye zinkabi. Kwa ku nga-tshiwo ukut' a ku yo fundw' ukukolwa. Kwa-yiwa-ke. Kute kodwa, ngo kupuma kwe-mpi e ya hlasela kwa Mzilikazi (e ya-dhl' e zo 'belu), amantombazana lawo a ye se landwa, a buyiselw' eMgungundhlovu.

uKamungana, ezweni la kwa Zulu, uqale w'ak' eMsunduze, wa-ti lowo muzana, ku kwa 'Kulula, ngob' e fis' uku-kulul' abantu, "ba kululeke ku Satane." iNkosi yabuye ya m vumela, kon' eMgungundhlov' ekaya, ukub' a fundis' amantombazana na bafana bakona.

U se hamba-k' uKamungana, u se-y' Engilande, e land' umfundis' o zo bekelwa lowo msebenzi. U se buya naye-ke, u-Rev. Francis Owen, a ba-t' a ba kwa Zulu, uMtshumayeli. Lowo mfundisi (e no mkake ne zingane zake, be kanye futi ne rumutsha lake, u-William Wood) wā fik' eMgungundhlovu ngo *August*, 1837. uDingana wa m akel' indhlu (e njeng' e ya bantu), ngapetsheya kwo Nzololo. U se ba fundisa-ke lapo.

Kute, ngo *November* wa lowo nyaka, kwa qamuk' amaBun' amane, a hamba no Piti;¹ ba zo cel' izwe la seNatala e li ng'akiwe.² Ba fika njalo, ba landelana ne-mpi ka Dingana e-za ne zinkomo e ya i zi-dhle kwa Mzilikazi.³ A-t' amaBunu ezinye ézabo,—zi ne zimvu ne zimbuzi; ba-ti zā tatwa kubo a ba kwa Mzilikazi, ngo ku-z'eba. Ba cel' ukub' iNkos' i ba nike-ke lezo nkomo ne zimvu. uDingana ufike wa zi vum' izimvu. U se ba nika zonk' e za zi sele (ngoba zi ning' e za zihamba zi-fa nge ndhlela).

¹ Pieter Retief.

² Ba cel' izwe, pakati kwe la seNatala, a ba li bona li zi hlalele nje, li ng'akiwe muntu.

³ Indaba ye le-mpi i ku *Baxoxele*, kk. 110-122.

iNkosi-ke lapo i si pendula ngokut' amaBun' a zo cel' izwe nje, ingani ibona a ba sa qed' uku-tumb' izinkomo za bantu ba kwa Zulu na? Enhla ne-zwe na? uPiti u se pika; u pik' impela; u-t' abantu a bā zi-dhlayo a ba kwa Sigonyela, a b'ake ngale kwo Kahlamba.

uDingan' u se pendula ngokuti labo bantu ba be gqokis' o kwa maBunu, futi be gibel' emahashini,—ku ya bonakala-ke ukuti ba hlangene nawo amaBunu. Ba impi. Ngoba nak' amaBun' e fun' izwe-ke, ku fanel' ukuba ba zi lande ku Sigonyela, ikon' iNkos' i zo bon' ukuti ka ba hlangene naye; ka ba iy' impi.

Indab' enkulu le ka Piti. Si tat' isisusa sayo kupela. uPiti u se suka-k' eMgungundhlovu; u se pindel' emuva, ub' e se landa lez' izinkom' e zi funwa uDingana. So ku banjw' uSigonyela; se ku-dhliw' izinkomo zake. Za hanjisiw' ezinye, za-ya ku Dingana. Usebuy' e fika nay' uPiti, kon' eduze; lapo-ke, u se ne viyo la maBunu e li kanye na maLawu, izicaka zabo. Bonke ba gibel' emahashini; ku kona na rolwayo.

So ku ngenisw' eMgungundhlovu, nga sesangwen' ezansi, emhlonhlweni, nga setuneni li ka Nkosinkulu.¹ Kwa hlalw' amalang' amane. Kwati, nge lesine, la beti ba ya valelisa, uDingan' u se ba bulala bonke, e-ti ba yimpi, ngoba, e-zwa ku-tiwa, ngo busuk' obunye, a bonwe abavakatshi e linganis' uku-kak' umuzi,—b'ahluleka kodwa, ngob' u mkulu. uDingana, we-nel' uku-wa-bulala, wa ye se pak' impi, e-ti ma i yo bulal' amany' a sel' eSilungwini,—ngob' izinqola zawo z'ehl' oKahlambeni, zaye za kumula kwa Nobamba² (Weenen), na sezindawen' ezinye za ngakona. I si ba bulala-ke, isitshay' i

¹ uNkosinkulu kwa ku inkosi ya kwa Zulu e ngapambili ku ka Punga no Mageba. *B. i-map, k. 220.*

² Lo-ke, uNobamba wa beLungu.

qotula, konke ne sifazane sabo, ne zingane, na bant' a ba be sebenza kubo.

Iyo le mkuba ka Dingana e y' enz' ukub' amaBun' onk' e pela, a zondane naye. Umland' o nga peliyo lowo; na namuhla loku, ilang' ā-hlulwa ngal' eNcome [16 December, 1838], li y'aziswa. Ba m zonda ngoba wa ye-te ba quket' ububi ezinhliziyweni zawo, ngoba be linganis' uku-kak' uMgungundhlovu ebusuku (e-tsho ngob' e-zwe nga bavakatshi). Kant' amaBunu wona a ye nga qukete bubi nakancane; mhlawumbe kwa punyuk' amahashi; a ye se hamb' e zula, e zi funel' ukudhla nje, njengo kwenza kwa mahash' onk' ebusuku. Ba bulaw' isigungu nga loko-ke. uDingana wa posiseka kakulu ngo kw-enze njalo, ngoba ik' o kwa "ngenis' umkont' omubi kwa Zulu"; waze wa "ngena kuy' esiswini."

Zi ningi kakul' izindaba za seMgungundhlovu; ku-ngaze ku gewal' ibuku ku landwa zona kupela. E zo Mkosi, o bu dhlalelwa kona nge mnyaka yonke, be si nga ka ngeni kuzo. Si yeke ngabomu, ngob' e zo Mkosi (se ku bus' uMpande no Cetshwayo), sesike sa zi pata (*B. uHlangakula, kk. 105-120*). No ka Dingan' uMkosi wa u dhlalisa kanjalo; kw-ahluke kodw' ezindawen' ezinye. Kwa ku sinwa kahl' impela ku sa bus' uNjunju we Zitlatoli (iZitoyatoyi).¹ O kwake kw-enziwe, iko loku o ku semfanekisweni (*k. 37*). Leyo ncwadi y'enziwa uKamungana, ngo 1835.

Si yi yekile futi e yo kujutshwa kwe zintombi, njenge Cenyane, ne Nzawu, ne Kwani (amabut' azo), ngob' umkub' onjalo uke wa patapatwa. (*B. uHlangakula, kk. 119-120*; no *Tulasizwe, kk. 104-110*). uDingana uyen' o wa ye ba juba; ku Tshaka za zi valiwe.

¹ uNjunju uDingana; iZitlatoli ibandhla le Nkosi, le zinceku, e li nge mzila kodwa. *B. uBaxozele, k. 8, c. 3.*

Ka si yi ngenanga futi e ye zimbongi; ne ye zinyanga ze Nkosi; ne yo kuxoxwa kwe-mpi; ne yo kubanjwa kwe nkunz' emnyama; ne yo kuruba kwa mabuto; ne ye zinyoka e za zi tamela pezu kwo tango lwe sigodhlo; ne yo kubanjwa kwe ngweny' i se-zwa; no kutsha kwo Mgungundhlovu, u tshiswa uVelenjeni, e-nza nge-zwi li ka Dingana, impi yake i si y'ahlulwe amaBun' eNcome,¹ i si baleka i 'bek' enyakato; no mlingo o w-enziwa uDingan' eMgungundhlovu se ku balekwa. Zi sa sele zonke lezo, ne zinye-ke futi.

Izwe l'onakala kuy' uDingana lo, l'onakala ngob' e bulel' uPit' eMgungundhlovu. Ikona loko o kw'enz' ukub' amaBun' a zo hlasela kuye, won' e pet' isitunyisa,² e hamba ne zinqola na mahashi. Ye-nel' ukucitek' imp' eNcome, uDingana wa ye se tumel' encekwini yake, uVelenjeni ka Mawongo, o lind' umuzi. ukuti ma wu tshise. Abanye ba cabang' ukuti wā tshiswa amaBunu (na be-Lung' abanye ba-tsho njalo). Amanga nje lawo; umuzi wa tshiswa iy' iNkosi.

I si hamba-ke ne-mpi yayo, i si qonda nga kwa Nongoma. Sekuti-ke nganeno kwe Vuna,³ kwa Denge, usebuy' e w'ak' uMgungundhlovu. U wu vusa njalo, u se xabene no Mpande. No Mpand' u s'eqele emaBunwin' eSilungwini. Se li dabukil' igoda. Kwase kuti-ke, se ku buyw' eMaqongqo, uDingan' e s'ahluliwe, uMpand' u se wu cit' uMgungundhlovu lo o bu su vusiwe.

U wu cita njalo, amaBun' a se wu qambil' owawo eMsunduze, eNatala, kwe la likade l'akiwe uMacibise. A-ti ku sePietermaritzburg, e wu-ta nge gama li ka Piti

¹ abeLungu, impi ya seNcome, ba yi biza ngokuti *Battle of Blood River*.

² Ukukuluma kwa kuqala; ku tshiw' izibamu.

³ Eduze ne zibuko le zinqola.

(Pieter Retief), yena lowo o wa bulaw' eMgungundhlovu.¹

uMgungundhlovu wa beLungu lona wā qal' ukw-akiwa ngo 1839, uDingan' e nga ka-fi, no Mgungundhlovu wake (lo o wa u su vusiwe) u nga ka peli ukuti nya. Amaziko, e nxiw' elikulu lakuqala, a sa bonakala na namuhla loku; ku sa bonakala ne ziza ze zindh' ezinye; ne mhlonhlo le i se-mi kona lapo nga ku Nkosinkulu, njenga kuqala. Umunt' ok' a hambele ku leyo ndawo, ok' a nyatel' enxiweni la kwa—

“Nohela ka Mlilo!

Umlil' o vut' izintaba zonke,”²

u-zwa sengati, na namuhla loku, ku sa memez' uMago-lwana ka Mkatini, wa kwa Jiyana, imbong' enkulu ye-zwe la kwa Zulu, nge-zwi lokuti:

“Vezi,³ ku yo-f' abantu, ku sal' izibongo,—

Izona ziyosale zi ba dabula,

Zisale zi ba lilel' emanxiweni.”

5

UKULAHHLWA KWE ZIKALI ZA MAKOSI

INTABA ka Ndaba, lapa ku lahlwa izikali za makos' a kwa Zulu, ya i pambi kwe nxiwa la kwa Nobamba, lapa kwa ku butwe kon' iNdhlondhlo.

Izikali zi lahlw' ehlatini; zi bekwe nje kona; zize zi bolele kona. Kwa ku nga zingelwa kona; ku ng'ake muntu; kw-ake uTshingana ka Mpande,—yedwa nje. Izinto zo munt' ofile ka zi lahlwa kuye, zi lahlwa kweny'

¹ Ukuti maritz lapa, igama le ndun' enye ya maBunu, u-Gert Maritz, enkulu ku nguy' uPiti.

² Izibongo zo Mgungundhlovu.

³ uDingana.

indawo. Ku nga tshiswa. Kube loku ku batshelwa njalo, ku nga-tshi. Utshani buze b'ome, bu wohloke; ngo nyaka wesibili, so bu hluma. Njalo-ke, mnyaka yonke. Bese ku hlum' izihlahla-ke; ku nga gaulwa. Ku-tiwa *iNtaba ye Zikali*.

Inyamazane e balekele kona i si sindile; ne zinja ziyauti, kona zi yi bambile, zi yi-dhle nje; zibuye zi yi qede. Ku lahlw' izikali zodwa eNtabeni ye Zikali; izimpahla zi lahlwa lapa ku tshalwe kon' amakosi. Izikali zo muntu zi lahlw' eceleni kwake, kanye na maraw' ake. Into e yo lahlwa naye zingubo a be z'embata. Ezintsha, a be nga ke z'embati, ka zi lahlwa lezo.

Le Ntaba ka Ndaba i sentshonalanga kwo Mkumbane; futi ka i kude ne nxiwa la seMgungundhlovu. iMfoloz' eMhlope ka yi welwa ku-yiwa lapo (si lapa nje eMgungundhlovu).¹

Izikali za makosi, lezi ezilahlwayo, zi inqwaba. Kube ku ya-fe leyo Nkosi, ku lahlw' inqwaba. Izikali ku be e za zi kandwa izinyanga zawo,—le mkonto e ya i ng'abiwe.²

Um' iNkos' i puma, i-ya kwe liny' ikanda, imkonto yayo, i bi zo patwa itshumi noma amatshum' amabili a bafana, a ba twal' ucansi lwe Nkosi.

Umkonto we Nkosi (eyayo-ke a iz' uku-ba mningi; nob' i mbili, nom' u munye), u kanye na lo o gwaz' izinkomo zo mzimu (omkulu, o imboqo). Le mkonto-ke i zo hlal' endodanen' enkulu, a za u'mel' umhlaba.

I kon' imkonto, okuti nxa iNkos' i vakatsha, i-ya ingabe ku seMlambongwenya, ingabe ku kwa Ndabaka-wombe, noma ku kwa Bulawayo (lap' uMpande wa ye vam' uku-ya kona), i bi si patwa izinceku, nganhlanu

¹ Wa beLungu.

² Ku-tshiwo ukwabel' amabuto.

nganhlanu. I patwa zinceku noma zi itshumi. Iyo le mkonto-ke, ye Nkosi, o ku iyon' e zo lahlw' eNtabeni ye Zikali mhla e-fayo.

Imkonto ka yi ngenisw' egodini lo muntu; a yi-siwa nempela. I lahlwa kweny' indawo nje. Ku-tiwa lap' e se inyoka, uzauti a nga tukutela, abes'e gwaz' abantu ngayo, abant' abapelayo, a ba nga-file. A ba bangel' amanxeb' emzimbeni, la se be gula; igazi li pume ngo mlomo, abes'e-fa. Kw-esatshwa loko-ke.

Kab' e sa nikwa na sezandhlani umunt' e se-file; a nga patisw' imkonto. A nga ba bulal' a ba qede—bon' abantabake futi. A ba bulal' a ba qede na makosikazi. Ne nkomo a yi gwaze nje. I ya hlinzwa, se ku funyanisw' inxeba ngapakati, ingati ngapandhle ka li bonakali.

I ya kitshw' endhlani, ya lo ofileyo, i nikw' inkosana yake, i yo-ma ngayo egodini lake. 'A yi seze ya patwa munt' omunye, ngi-tsho ku kon' o m elamayo. I zo ba ngeyake nje kupela.

La se ku qalw' igodi, i bi si yi beka pans' imkonto; i bi si tat' igeja, i si hlab' egodini. Ku hlabe yona kuqala, be nga ka qal' abanye. A li hlabe qede, a be suka, e tat' imkonto; u se-ma nayo-ke. Lize li pel' igodi, e-mel' igodi li ka yise. Ba ye-mba lab' abafowabo, na madoda, nabo bonk' abantu nje. So ku hanjwa-ke, ukuba ku pel' igodi, so ku-yiw' endhlani.

Nxa-ke ku iNkosi, se ku bulaw' umuntu, iNkos' i nga ka kitshw' endhlani. W-endhlalel' iNkosi. Uyen' o zo lahlwa kuqala, um' iNkos' i zi-fel' emzini wayo. Nxa i-fele kude, konke loko a ku s'enziwa ngob' u bulewel' ezizweni.

Angaz' a kitshwe endhlani, a yo lahlwa, imkont' i sendhlani, ba yo pela.

Izinto lezi ze Nkosi, e zi zo lahlwa nayo, zi vunul'

amakosikaz' ayo, onk' amakulu. Ba qub' enkul' inkosikazi (unina we nkosana), o bince lez' izinto a be zi binca. Lezi e zi sala ku l'omkulu (inkosana), u se zo zi nika lo o m landelayo, o pete nga sekohlo.

6

IZIBONGO ZI KA SENZANGAKONA—II

Uri lwe mpundu,¹ lwa kwa Nomgabi,
O be lu hlal' izikova ;
O be lu hlal' uPungatshe,² kwa Butelezi,
Lu hlal' uMacingwan, eNgonyameni,
Lu hlal' uDhladhlama, wa kwa Majola.³
uMbebe ka Mama, beba si muke,
A ba hleziyo a ba tet' icala ;
A ba oMbuzo, a ba oNsele ;
A ba oSicusa, sa oDungankomo.⁴
O-dhl' uNomnyani, eMzansini ;
Wa-dhl' uNonhlambase, ingqongqokazana,⁵
E bi nqum' ⁶ izindaba za seSinyameni ;
Wa mu-dhl' uMabebeta, kwa Nonkokela ;
Wa mu-dhl' uMsikazi, kwo Ndimotshe ;
Wa-dhl' iMbenge-le-nhle,⁷ eMzansini.
Ingabe u be yo kw-enzani kwa Masamlilo,
Lapa ku pel' imhlambi ya bantu ne ye zinyamazane ?
O be nga-yi bandhla, o be nga-yi maduneni ;

¹ Ye sango.

² Inkos' enkulu ya kwa Butelezi.

³ 'A ba semaCunwini.

⁴ Ku-tiwa uDungankomo umuntu wa kwa Qwabe.

⁵ Oqinile, ohlakanipile ; o ngob' abantu ngo kukuluma.

⁶ Abanye ba-ti : *E sa tet'* . . .

⁷ Umunt' omuhle ngo mzimba ; igeza.

U be njengo Vimba wa ku maNgwekazi.¹

Igawu ² ba ya luma, ba ya pumesa,

Ba kumbul' amagaw' ³ abebesini.⁴

Intet' e golwe nga-nti za mkonto,⁵ kwa Malandela,
Yat' ukusuka, ya jubalala.

uNgelengele ⁶ ka lingani na ntaba,

U be lingana ne ntaba ya ko Sikume ;

O be ya lala, wa ngange mifula ;

Wa ye ya vuka, wa ngange zintaba.

Umqingo ⁷ wa ng'itshe la seSihlalo,

E be li yalezwa nga baloli zinhlehlala ;

Tina ba mazwa, si nge kete-tshe,

Si nga funyana ne coba s'osule.⁸

Singqila ⁹ nga nhloko, ku zond' intamo,¹⁰

Nyakawumbe ku zo zond' isibili.¹¹

O ngi suse pansu,¹² nga-ya pezulu,

Nga buya ne ncombo, nga 'bula, nga peka.

Ndaba, ba yo sala be tshumayezana,

Na ba seziteni, na ba sekaya.

¹ Isizwe sa kwa Cele. Sa muka kwa Cele sa-ya kwa Qwabe ; be muka no Mjanyelwa, uyise wabo.

² Ipuzi.

³ Abanye ba-ti : Ba kumbul' amagaw' a onina . . .

⁴ A matsha, a nga ka vutwa.

⁵ Abanye ba-ti : Intet' e gole . . . Abanye futi, ba-ti : Intet' e tshayee nga zint' ze mkonto . . .

⁶ Ungele indaw' embi ya matshe pezul' entabeni, la umunt' o nga qapele angatshetsh' a kalakatele.

⁷ Itsh' elihle, elisindayo ; e li lungel' ukw-enziw' umlalazi.

⁸ =si sule. Ukw-osula úku-sula.

⁹ Ukutshayeka ngamandhl' entwini, njengo munt' o tshayek' emtini nxa e gijima, ati ngqi kuwo.

¹⁰ Yaze ya buhlungu.

¹¹ Umzimba wake. B. uBaxoxele, k. 103. c. 6. B. na ku Tulasizwe, k. 68. c. 1 (ku leyo ndawana-ke kuti : uMsimude ! O we vela nge siluba [isibili]).

¹² Abanye ba-ti : O ngi tume, ngi pansu, . . .

Igod' elimnyama, la kwa Nobamba,
Lo hambe li wa ril' amaqakalana.¹
Imamba le-dhl' ² umuntu, ba-t' i loyelwe,³
Kanti b'azi ngeyakubo eyolelwayo.⁴
Inakaz' ⁵ emnyama yakiti kwa Nobamba,
Ehamb' i bang' amacala.

O qamise iDukumbane,⁶ e li ku Ncinci.

O be mnyama izipunga ⁷ zozibili,—

U njenge hlaba ⁸ e li ku Sidubela.

O wa pot' intamb' ende, umnta ka Jama,

O wa pot' intamb' ende, wa-ya pezulu,

Lapa ne zituta za ko Mageba zi ngayi ku-fika,

Zauti zi ya kwela, z'apuk' amazwanyana.⁹

¹ Izinyawo zide zi wa bamba nge nkilela.

² La-ke, ku fana na ku *Baxoxele*, k. 124, cc. 3, 6. Umuntu, nxa e nga bongi, a nga-ti: Imamb' e-dhl' umuntu, . . .

³ Ukuloya kut' a ku fane no kulumba.

⁴ Ukuloya=ukuyola. O nga bongiyo a nga-ti lapa: Kanti b'az'eyakub' e yolelwayo.

⁵ Inkom' enala, e lirwanqa.

⁶ Loku sengati igamu le intaba.

⁷ Izipandhla, o ku vunulwa ngako enhla no mkono.

⁸ Ihlabi li luhlobo lunye no mhlaba; lona-ke kodwa li be lincane.

⁹ Uma si zi fanisela nje, si nga-ti igoda leli *uTshaka*, lo o wa ngob' izizwe zonke, izwe la kwa Zulu e se l'enza li ba linye. uSenzangakona-ke u se dunyiswa ngo mntan'ake, o wa pakama qede, amakos' amadal' o hlanga lwakubo,—oJama, no Ndaba no Punga, no Mageba, no bani, wa wa tshiya pansa le kude, ngako ngob' e se pakeme kakulu yena, e se njenga sezulwini nje; la-ke izituta zabo zi nga se ku-fika, ngoba naku zona zi mfutshanyana (amakos' amancane).

Encwadini ka Grout. *Grammar of the Zulu Language*, (e ya cindezelwa ngo 1859), k. 427, ku kon' izibongo a-ti yen' uGrout za zi kulunywa a ba kwa Zulu nxa ku tetw' amakos' a nga seko; lezo zibongo-ke zi hamba kanje:

“Yizwa-ke, Nkosi! Ndwandwe wa bade!
Sihlope si ka Gumedede! Mandond' esihle!
Ngi sa libele nga buza lapa sezibulweni.
Ma si pot' igoda, Mandi ka Jama,
Si-y' ezulwini, lapa ne zituta zi ngeyi ku-fika,
Zobe zi ya kwela, z'apuk' amazwanyana”

uMungxepepa,¹ nant' itshe lo kulunjelwa,
Li nga-w' engubeni,² li zo-w' ehlobo;
Li zo pamba, li-w' emhlubulweni.³

7

UKUHLASELA KU KA TSHAKA KWA NGONGOMA, KWA NGCOBO

uMAFONGOSI ka 'Bovungana, wa kwa Ngongoma, ufike wa zi pata, njeng' amany' amakos' ezinhlobo kwa Zulu.

uTshaka wā qala ngo kubulal' amakosi, e wa tata ngamanye; e nga wa hlanganisi, a wa xube kanyekanye. Ubefik' a bulale le, a-dhl' izinkomo zayo; a pang' abantu bayo a ba sind' ekugwazeni. Se be konza-ke; se ku ba impi yake. At' a nga bulal' eny' inkosi, u se hlasela nga lab' ā ba tolayo. Sekuze ku-ze ku Mafongosi. A ba kwa Ngongoma se be konzile kwa Zulu ngo limi.

Used' e tumel' amanxusa uTshaka. Amanxus' afik'

Lapa-ke, ku xuben' ukubonga no kutandaza. Sengati lol' uhlamvu, o lu pat' igoda, lwa lu nge sibongo si ka Senzangakon' e sa hamba (nom' abantu, kakul' abanamuhla, bedi be lu ngenis' ezibongweni zake); sengati lu umtandazo nje, ngoba naku pel' uSenzangakona se ku unkulu-nkulu we-zwe la kwa Zulu. Unkulunkulu wabo wakuqala, (uZul' e se isizwan' esincane), uMageba [B. Callaway, *Religious System of the Amazulu* (e ya cindezelwa ngo 1870), k. 56], kodw' omutsha, we-zwe lonke la kwa Zulu se li qoqene ndawonye, uyise ka Tshaka. Naku fut' uSenzangakon' ed' e bizwa ngokuti: uMenzi; uMenzi ka Ndaba. Uhlamvu lokuti: “nga buza lapa sezibulweni,” nalo lu komb' uTshaka, yena zibulo li ka Senzangakona.

Igoda leli, a ku-tshiwo intambo ngempela, ukuti wa yi pota yaze ya fikel' ezulwini. Ku-tshiwo ngob' emkulu yena pakati kwe-zwe, e insika ye-zwe; ukuti ne situta si ngayi ku-m-kwela. A ku sek' int' e m tintayo. *Amazwanyana*,—ku-tshiwo abantu ba kwa Zulu a ba nga sez' ukuba ngangaye, lab' abakubo, bo kuzalwa. U se ngapezulu kwabo yena. Uma se be kwelela, a ba sayi ku-fika kuye, ba be ngangaye

¹ Isaga. Ku-tsh' ukunxepeza.

² Elunda.

³ Ezimbanjweni, ohlangotini.

a hlatshiswe nje, abuy' a goduke no daba a lu tunyelwe uTshaka uMafongosi; ba buyis' amazwi. No Mafongosi abuy' a tum' awak' amaxusa, a ba yis' amazw' ake.

uTshaka u y'azi ukut' abantu ba kwa Ngongoma ba ya tukutela, ngoba be-lwa na ba kwa 'Tondolozu ka Tayi; ba ba xotshe. Ba be sa-lwe na ba ka Dube ka 'Bebe, wa semaQadini, ba ba xotshe. Ba be sa-lwe na ba semaCubeni,—izizwe a b'akelene nazo—ba ba xotshe. Isizwe a bangabange ba-lwe naso, a ba kwa Nyuswa. ba ka Sirayo ka Mapoloba. Ba-lwe na ba semaNsomeni; ba ba xotshe. Ba-lwe na ba seMbo, ba ka Gewabe ka Kabazele ka Mavovo ka Gubela ka Sibiside,

“uSibiside e si pandhl' abaNguni,
abaNguni ba vungama,
Ba-ti: Vunga! Vunga! Vunga!”

Wa bona-ke uTshaka ukuti: “uMafongosi lo, ngi nge m hlasele nge-mpi yo bala. Lel' iLala li nga ba qed' abantu bami; abantu balo ba ya tukutela, sengati a ku si lon' iLala.” Wa ye se-ti-ke: “A ku hamb' amaxusa; a hamb' e hlomile,” ngoba kuqala, kwa ku hanjwa ku hlonyw' izihlangu ne mkonto. No munt' o-y' esihlo-tsheni sake, u be hamb' e pelele.

A fika-k' amaxusa. Kwabuye kwa fik' amany' e nga ka hamb' lawo. Kwase kubuya ku fik' amanye futi. Kwase kubuya ku fik' amanye futi. Az' a li gewal' izwe la kwa Ngongoma, won' amaxusa. Kuti, lapa ku buzwayo, ukuti: “Kangaka, ini na?” Ngob' abanye a ba ka goduki, a be be tunywe iNkosi. Kwaze kwat' amadod' amakulu, a fakan' imilomo. A-ti: “*Hau! Imi! le!*”

Ngaleyonkati-ke, unyangwe² lwe zihlangu, w'akiwa nga

¹ Ba-tsh' impi. Ukukuluma kwakubo

² Abanye ba-t' unyangwe.

semnyango we-ndhl' e ngasenhla, otangweni lwe sibaya, ngapakati. Ukwakiwa kwayo, w-akisiw' o kwe ngolobane yo mbila, njenga maxib' a lind' izinyoni. Kodwa izinsika zayo zi be zinde. Se kw-akiwa indhlu pezulu, ku bekw' imtshayo; y'enziwa ubamba (isamba). I bi si yakiwa indhlu leyo; i fulelwa ngo tshani, i nga neti,—ukuba ku net' izihlangu ze nkosi.

Amanxus' ad' e-qubekela, az' a wu kak' unyangwe. A kona, pela, a ngen' enkosini, a kuluma ne nkosi. Iwona-ke a zo gwaz' inkosi. Nembala, se be yi dumela, be yi gwaza. Bese ku pum' omunye lap' endhlini, e se-ti: “Ba gwazeni! Se si yi gwazil' inkosi yabo!”

Amadod' ekaya lapa, a b'ake ngapakat' ekay' emzini we nkosi, impi i semzini yawo! Kodwa-ke na lab' a ba sekaya, uma ba be hlomile, ba be yo ku-lw' impela. Ngoba kuqala, umuzi we nkosi, ku kon' abant' abaningi ngapakat' ekaya,—amadoda nje, a ba ganiwe, a ba na bafazi bawo, na makehl' awo, ne zinsizwa zawo. Ngoba kuqala, ya i ng'akiwa imizan' emncane. Kwa kw-akiw' imiz' emkulu yodwa. B'enzela ukuba impi i nga ba hlolisi, iti, uma be ingcosana, i b'eyise.

Kwat' ukuba ba m bulal' uMafongosi, u ya hlatshw' umkosi, ukuti: “I ngene! A yi hlome! Inkosi se be yi bulele! A yi sek' inkosi!” Impi-ke ka yi sa qini, i si tamb' amadolo. Na ngokuti, “inkosi, si se za u'lwela yipi, lok' inkosi se be yi bulele?” Futi, impi i si ya yimba nga sezihlangwini za madod' a lap' ekaya, a pahl' inkosi.

Izigijimi, e zi memeza izwe lonke la kwa Ngongoma, za ba tshela kanjalo. Ba ku bika konke, ukut' inkosi a yi seko. Nabo ba beka lona lelo e li bekwa abanye; be li kuluma zonk' izigodi, imirotsa yonke ye-zwe lake.

Inkosi, ba yi bulala nje, zi kon' izigijimi za kwa Zulu

e zi zo tshel' impi yakubo elandelayo, ukuti: "Impi a yi fike ngamandhla; se si yi bulel' inkosi ya kwa Ngongoma." Ukutsho nje, ukuti "se be yi bulel' inkosi;" bā b'azi kade lelo langa, ne zigijimi e zi hlangana nay' impi; i bi si-za kade.

I si-dhl' izinkomo. Sekuti na maqaw' a ka Mafongosi, eset' a ya-lwa, a se ya minza nje; ba zi ponsa pakati ku ka Zulu; se be zi del' amatambo, be-ti: "A si-fe ne nkosi yetu!" U se ba gwaz' uZulu, u se ba tshay' e ba buqa, na bafazi. O wa sinda lapo, wa sinda ngo kucatsha.

Ngob' uTshaka, e hlasel' inkosi, nom' e se yi bulele, na bantu bayo wa ba bulala, ka ba buyel' emuva (impi ka Tshaka). Se be gaula, b'aka. Se be ba xotsha lab' a ba sind' ekufeni. Sekuze ku-f' inyanga, ngoba be fun' uku-gwaza bonke, be fun' iziqu. Lit' iqawe li ka Tshaka, e se li katele ukugwaza, se li ba panga, ku be ngabantu bake; ne sifazana, na madoda nje, noma ku ngabafana. U se zo hlangana na bakubo a be be nga ka gwazi, se-bebuye be m gwaza.

U se-t' omunye: "Ni gwaz' abantu bami ngi zi pangele, la mavakana!" (U tuk' abakubo kwa Zulu, ngoba be nga gwazanga, uset' u ya zi pangela.) U kuluma njalo, u lamulela lab' abantu bake. Se be u faka kuy' umkonto; u se-fa na bantu bake.

Omunye, abuy' a gwaze naye ku bona. Omunye-ke, kanti, u dumile, umunt' oqata; a sinde-ke lowo, na bantu bake; lab' e be ba pangile. Nabo b'enqene, "ngob' u yo si bik' eNkosini, iNkos i si bulale."

Kuyoti-ke, lapa se ku pel' inyanga, noma ku ngamasont' amatatu, nom' e mane, se be zi-dhl' izinkomo, ba zi kotuluze (ba zi qotule); ba-dhle kona, na mageja; ba mbulule ne mgodi ya mabele; ba twale; ba hamba be-dhla. Kut' imgod' eminy' emkulu, e no kudhl' oku-

kulu, ba zo-ku-capuna, ba ku twale, uma be zo hamba be-dhla; kut' ukudhl' o ku sal' emgodini, a ba nga ku kipanga (ngoba so ku gewel' imtwalo yabo), ba kw-one.

Sokuti, a ba kwa Ngongoma, a ba sindile, ku memez' induna ka Tshaka,—i si bon' ukut' izwe lakona, i si li kotoze; a ku sa sele luto, ne nkomo, ne mbuzi; no munt' o catshile kaseko; se be sele ngabanye. I memeze-ke induna, i-ti: "U-ti, puman' emahlatini; yekan' ukuca-tsha! Ni buyel' emakaya, ni yo-dhl' imbuya!" Ngob' u y'azi ukuti a ku seko luto, se be yo zi-dhlela yon' imfino.

Se be-zwa-ke, se be-ti: "Wo! Se be memezile; induna i-ti a si yo-dhl' imbuya." I si tshel' impi yakub' induna, i si-ti angab'e sa ba kon' umunt' o gwazayo. Se be buya pel' abantu abacatshile; se be ba tola. Sebeti, ukuba ba fike kwa Zulu, a ba nga gwazwanga, obani no bani, ba konze.

Kodwa-ke, inkonzo ya kwa Zulu, ayaze ya ba lingana (uma be kuluma a ba kwa Ngongoma), ba-t' a ba kwa Zulu ba be-ti kubo: "O wapi-ke lo?" Abanye ba-ti: "Inkengana," omuny' a-ti: "amaLal' a kwa Ngcobo." A se fakan' imilom' amadoda, e se-ti: "A s'eqe; si tat' amazinyan' enkosi yakiti, si yo konza ku Dube, yen' o ngowakiti kwa Ngcobo; yen' e nga ka bulawa iNkosi,—a sa busayo, a sa-dhla ngo kez' oludala.

uTshaka ut' e yi pakil' impi yo ku-yo-bulal' uMafo-ngosi, wa ye se yi paka ku Sirayo ka Mapoloba, kon' eduze nje. E se m bulala, njengo Mafongosi. U se paka futi; i si-ya ku Tondolosi ka Tayi. Isifika naye i m bulala, njengo Mafongosi no Sirayo. Se be-ya ku Dube nje, so ku imiz' emtatu (amako' amatatu), a se wa nqumile. Se ku-y' abanta babo, ne zizwe zabo, e zi sind' empini; abanye ba na manxeb' e mkonto.

uDube lona, nga leyo nkati, w-ak' eGqalabeni, eNsuze

Usezaufik' a-t' uDube: "A ngi wa funi mina amaqi-yana; a zo ngi 'bangel' impi. Mina ngi sa zi konzele kwa Zulu. Ngoba na ni qinile, n'ahlul' izizwe; a ngi funi ukuba ni-ze lapa kimina, ni za u' ngi-zela no mkoka." Ku-tsh':

"uDube elimtende, ka Silwane!
Itole e l'ehle ngamandhla ku Mabengela;
Inzima lemnyama, e li ngukwena kwe Gqalaba.
Ezindheleni, ngi m fanisa ne ndhlel' evundhlayo,
Emtini lapa, ngi m fanisa no mnyamati;
uMgoboyi, we nkom' opondweni."

Sekut' amadoda, a la makos' amatatu, se be kulum' isifuba sakubo, be bobatatu, lapa be ngenise kona, emadhlaleni. Ku-y' amadod' odwa uku-yo-kuluma no Dube "elimtende," abanye ba sele lapa be ngenise kona. Ba-ti-ke bobatatu: "Wo, ni ya bona maNgcobo! Singebuye si yo konz' inkonzo ya kwa Zulu; sizade si ketwa, ku-tiwe, u nga kuluma, 'o wapi-ke lowo'? A si hambe si-ye ku Zihlandhlo ka Gewabe; si yo konza kona.

"Si-zwile, si sa busa, si nga ka bulawa uZulu, wa-t' uTshaka, 'Wena, Zihlandhlo, u umnawe wami; yak' isigodhlo wena. Wonk' amaLala, azoz' a s'ak' isigodhlo. Ngi ya ku beka wena, ngi-ti u umnawe wami; u ngumfowetu!'"

Se be-ti-ke, a ba semaLangeni: "O ca, tina asiz' uku-y' eMbo; si za u'-ya ku Nzombane, inkosi ya sema-Bomvini, kwa Ngubane." Se be-ti lab' a ba kwa Nyuswa, na ba kwa Ngongoma: "Ca, tina si-ya ku Zihlandhlo, eSimahleni" (igama lo muzi wake). B'ahlukana lapo-ke ku Dube. Wat' o ka Tondolozu umuzi, ot' u-y' emaBomvini, wa hamba. Wat' o wa kwa Nyuswa, no wa kwa Ngongoma, ba fika ku Zihlandhlo, ba tolwa.

Wa ye se buz' abantwana ba makos' afileyo. Se be m kombis' imihlati yombili. U se-ti, ub' a ba buke: "Ngi tsheleni a ba ngamakosana, a ba ondhlalifa." Se ku konjwa uDubuyana ka Sirayo, kwa ba ka Mafongosi; so ku konjw' uSipandhla (o wa zal' uMbozane; uDubuyana wa zal' uDeliweyo). U se b' aba nge mizi yake; ehamb' e ba ngenisa yonk' imizi yake.

Sekuti, lab' a ba ngamakosana, ka ba beki mzini-munye. U se nqum' izinkomo-ke, 'kuba ba-dhle, a b'ondhle. U se-ti-ke: "Ni ya bona, lab' abantwana ba makosi, ngi tand' uku-ba-fak' ekwapeni, ngob' a ba kwa Ngcobo, abakwenyana,—kwa gan' odadewetu ku Mapoloba, uyise ka Sirayo."

U se bek' izwi lokuti: "uTshaka um' e hlasel' ezizweni, u ya ba hlomis' abaMbo, ku be impi yak' uTshaka; i ya u'lwela yena. Kut' izinkomo e zi-dhliwe nga baMbo, z'etulwe kwa Zulu. uTshaka a zi buke, a zi buke, a zi nqume pakati; a zi tele zi gwal' isigodi. Abes'e-ti: "Naz' ezako Zihlandhlo; uwena-ke o zo xotshis' amaqaw' ako; a-ziwa uwe, mina a ngi w'azi; ng'azi wena."

U se bek' izwi lokuti: "Uma uTshaka e ngi hlomisa, abaMbo be hloma, a nga hlonyiswa uDubuyana, no Sipandhla; noma ku hlom' intanga yabo,—zintandane. A ngi tand' uku-zi-fak' ebubin' izintandane. Ba ningi lab' abantu a ba fika nabo; ba za u'ngi-lwela.

B'aka-ke, ba hlala; ba busa. eMbo, ma se ku tatw' iqiniso, onk' amakos' a ye bulawa uTshaka, a-y' a konz' eMbo, ku Zihlandhlo ka Gewabe. Kwati, uma se ku-f' indhlu ya seMbo, i si bulawa uDingana, uDingan' esebuy' e-lwa na maBunu, kwa bobok' izibuko lo kuwel' uTukela-ke. uTshaka kwakukade ku yizwe lake lonke, laze la tshay' eMzimkulu. Engeko o-ti u balekel' ub' a wel' uTukela; ngob' izwe ku se ngeli ka Tshaka lonke. Imbo-

bo, ukub' i boboke, umunt' a wel' uTukela, a pefumule, ize ya vel' ukub' uMpande a wele e-z' emaBunwini.

Kuti lo muzi, o wa-y' emaBomvini, ba ka Tondolozu ka Tayi, ba fik' emaBomvini, kwa-tiwa ba ya tolwa nje; kanti ba ya kohliswa. A ba vuk' amaBomvu, a ba gwaza; atshay' a ba buq' amadoda. Sekuti-ke, abanta ba ka Tondolozu, ngoba ku se kona no dadewabo, na bafowabo, a ba zalwa uTayi, na ba zalwa uTondolozu, a se-t' amadod' a sind' emaBomvini: "Wo! Ka s'ege na banta ba ka Tayi, si qond' eNsikeni, ku Macingwane, enkosini ya maCunu; emzini wak' eNgonyameni." Bala-ke, b'eqa.

Bati lapa be nga seSinyambuzi, okalweni o lu suka ku Ntunjambili, la pendul' izulu, la kitika. Amakaza abatsay' a ba buqa abanta ba ka Tayi, a bati nya. Se ku sind' imfiti nje (o ku nga se banta bake), na semadoden' a semuva, a se bizwa ngokuti isizinda—inhloko ya ondhla-lifa, na makohlo, na banqadi,—buqe bo; na makosazana. Sekwaze kwa vel' ukuti: "okalweni lwa banta ba ka Tayi." uTshaka-ke u se zo bongwangasoleso siga, ku-tiwe:

"O wa dabul' ematanjeni, a banta ba ka Tayi,

E be be godola be-ya ku Macingwan' eNgonyameni." ¹

8

IZIBONGO ZI KA ZWIDE² KA LANGA

(Inkosi ya kwa Ndwandwe)

iSikova si ka Mkonto ³ no Langa!

uMatshetsh' a fike ku Matshobana,⁴

¹ B. uHlangakula. k. 31. c. 8.

² uZwide uyisemkulu ka Mankulumana (ka Somapunga), unduna-nkulu ka Dinuzulu.

³ Mhlaumbe lo údadewab' uZwide; kodw' igamu lona sengat' e le ndoda, ingabe umfowab' uLanga, noma induna.

⁴ Uyise ka Mzilikazi. Ku ya bonakal' ukuti wa m hlasela.

No yis' uLanga engabang' e za fike.

iQili a ba li hlabe la tshon' ilanga,

Zi nga ka hlatshw' izi-babaiyana.¹

uMakubalo ka-dhliwanga nga nguba ² ye nkomo,

A-dhliwe nge nguba ² ye ngonyama.

iZibuk' e li madwal' abutshelezi,

Li tshelel' uMalusi,³ wa seNgoleleni;⁴

Kwa tshelel' uDingiswayo, wa seluYengweni.⁵

uNonkokel' abantu ba hlatshwe,

Ku hlatshw' imnyang' e ne sisila,—⁶

Yena ba nga m hlabi.

Ezindhleleni, u fana na yipi?

U fana ne vundhlayo.⁷

Emtini, u fana na mupi?

U fana no mnyamati.⁸

Ezinyokeni, u fana na yipi?

U fana ne nyandezulu.⁹

¹ Iziwuyana (iziwulana).

² Ku-tshiwo lap' i kukumeleyo, i si tukutele. B. k. 51, h. 2, la ku kon' uhlamvu o lu pat' inguba yo muntu (iNkosi).

³ Ukufa kwa lo muntu ku patwa kancane ku Baxoxele, k. 31. uZwide wa m vimbezela, ngob' uDingiswayo "u tat' intomb' enhle wa yi nik' uMalusi."

⁴ Isisusa sa lel' igama uku-golela (gola). uMavumengwana ka Ndhlela wa ye no muz' oku-tiwa, kwa Golela, kwa Golel' abatakati.— abatakati laba, a ba be sind' emgombocweni, base be vunyelwa iNkosi ukuba ba yo ngena ku Mavumengwana; ne zihlobo za batakat' ababuleweyo, za zi-ya kuye ezinye.

⁵ Ukutshela ka ka Dingiswayo, umunt' a nga ku bona ku Baxoxele, k. 31, 32.

⁶ Ngoba y'aleka; i ne nsil' embi. Nxa ku-fe bonk' abantu be-ndhlu empini, kuye ku-tiwe umnyango wakub' u ne sisila.

⁷ E nquma kabili.

⁸ Lo mut' u ya bazwa, ku bazw' amatunga, ne zingqoko, ne zica-melo; omunye u ba mude, omunye u be mfutshane.

⁹ Le nyoka i idhloz' elikulu; li inkosi.

9

UKWENZIWA KWO BUHLALU

I

Kwāti nxa uKamungana¹ e xox' indaba no Dingana kwa Kangelana (ngo May, 1835), ya buza kuy' iNkosi, ya-ti: "Ubuhlalu lobu bu pumapi? B'enziwa ngani; futi bu bunjwa nge ndhlel' enjani? Tina bantu, si nge funde ini uku-b' enza na?"

U se yi landalandisa-ke kancan' uKamungana, ngoba naye le ndaba wa ye nga y'azi kahle. I si-ti-k' iNkosi, nxa e hambe waze wa finyelela kahl' Engilande (ngob' uKamungana u be se fun' uku-pindela kona lapo), akuyot' e se penduka, abes' e buya nas' isigaxana so muti, lo o ku bunjwa ngaw' ubuhlalu.

uKamungana u se hamba-ke, u se buyela kon' Engilande; u hamba ngob' e land' umfundisi wo ku-fundis' abant' ukukolwa. Wa ye se buya naye-ke. Kodwa ka ku-zwakali ukuti wa buya nawo ini lo muti o bu kalelwa iNkosi; futi a si-zw' ukuti abantu bā ku tola kahle loko kwazi, malungana no buhlalu, a ba be ku cel' emaNgisini.

Ayik' inewadi (e lotshwe nge siZulu), esake sa yi bona, e pat' indaba yo kwenziwa kwo buhlalu, si-tsho ne njani. Ka s'azi-ke noma nga ku kona ini o ku si catshela, o kwa ku lotshwe nga banye, a ba njengo Sobantu, no Grout, no Callaway, no Mankankanana, no Nzimela, no bani.

Indaba yo buhlalu i nkulu kakulu, fut' i ndal' isibili. Ka yik' into, e yenziwa izizw' ezinye, e yahlula bona ku leli lakiti. Umnaka lo, na masongo, izint' ezindala kakulu; kodwa kokubili kungeze kwa pikisana no buhlalu. Izi-

¹ Captain Allen F. Gardiner, R.N.

ngubo, na mageja, ne zibamu, ne zimbazo, izinto e za landel' ubuhlalu zonke lezo; zā qamuka bona so ku kade ba fik' ezweni lakiti.

amaNgisi, o ku iwon' a qalisa ngqa uku-hamb' ezweni la seNatala, ā ba be-felwe umkumbi wabo nga seDelaguba, ngo, 1683. Bā suka lapo base be qond' eningizimu, beloku be gudhl' ulwandhle; be bang' eKipi (Cape Town). Impahla yabo ba yi twalelwa ābantu be zizwe a ba be dabula kuzo, za maTonga, na ba kwa Mtetwa, na maTuli, na baMbo, na maMpondo, na baTembu, na maXoza; kanye ne zinye-ke. Ku twalwa nje-ke, ba rolelwa ngo buhlalu labo bantu, o ba bu fike na maNgisi lawo, be bu fak' emkunjini, wona lo owafayo.

Kwati, emva kwa loko, kwa fik' omuny' umkumbi, wa maNgisi futi, o bizwa ngokutiwa: *Good Hope*. Na lowo fut' u su-fa; u bulawa amanzi, lap' u linganis' uku-ngen' etekwini, eSibubulungu. Labo beLungu-ke ba be bu tvele kakul' ubuhlalu (emkunjini wabo), be pete no mnaka na masongo; beti ba zo tengisa ngak' ezweni lakiti.

Sengati-ke abantu ba seNatala na ba kwa Zulu bā qala nga lezo zikati uku-bu-bona bu fik' impel' ezweni lakubo. O kwakuke ku fike ngapambi kwa loko sengati kwa ku kuncane; futi ku ng'aziwa izwe lonke. Si-ti tina ku iko loko kufika kwa maNgisi o kwa jwayezis' abantu ba seNatala na ba kwa Zulu uku-binc' ubuhlalu. Bu bodw' o ba bu vela kwa Dinisa (*Delagoa Bay*). Lobo ó ba maPutukezi. O ba maNgisi bona, o bo hlob' oluny' olwahlukile,—o lu njenga lolu o lu fakwa namhlanje izwe lonke la seNatala na kwa Zulu.

Miningi-ke imkumb' eminye e ya landela le e si kuluma ngayo; nayo ya i pet' ubuhlalu kanye ne zimpahl' ezinye, o ku zo tengiswa ngazo emazwen' angakiti.


Sekuzoti-ke, ngob' abantu be bon' ubuhlalu bulohle bu qamuka nga solwandhle, bu-za ne mikumbi ya maNgisi (i kona futi e ye zinhlob' ezinye za ba mhlope,—amaPutukezi, na maBunu, na ba seMelika), se be-ti ubuhlalu bu *cotshw' elwandhle*; abanye ba-ti mhlaumbe bu-mbiwa pansi, njenge bomvu leli, ne nsimbi, ne tusi.

uDingana u buza ngakona-ke lapa ku Kamungana. Yena k'azi luto. U tand' uku-zwa. Na bantu bake ba fun' uku-zwa. Na kwa ba seNatala kwa ku njalo; na namuhla loku ku njalo. Bonke ba tand' uku-zwa ukuti le-nto a se ba yi jwayela, baze ba y'enz' igugu kangaka, *i puma ku yip' indawo*; nokuti, *y-enziwa kanjani*.

Ka s'azi-ke noma loku e si hlos' uku-ba-tshela kon' abakiti namhlanje, ku zo ba hlab' umxwele ini. Omunye mhlaumbe u yo-zwa ku lukunyana; omunye mhlaumbe a ku nambite, ngoba, nom' ubuhlalu lobu bu int' e vela nga ku beLungu, se kwa ba into ya bantu e fana nazo zonk' izinto ze mvelo. Abantu be-zwe lonke ba zi hlobisa ngak' emzimbeni, kakul' abesifazane ne zintombi. Ne ntombi, nxa i fun' uku-tumel' izwana layo esokeni, ka ik' inewadi e kulum' o ku senhliziyweni yayo e nga dhlul' e yo buhlalu. Bu mtoti, bu fana ne zinyosi. Si-ti-ke tina, singake si liganis' uku-ba-tshelatshel' abantu ukut' int' endala ne-nhle kangaka i puma ku yip' indawo; nokut' y-enziwa nge ndhlel' enjani.

Ubuhlalu lobu ba kwa Zulu na seNatala ka bu pumi emaNgisini, na semaPutukezini, na semaBunwini, na seMelika; bu puma kwe liny' izwe. Ka iko nakancan' indawo lap' Engilande la b'enziwa kona.¹ No buhlalu lobu o ba bu tengisa kwa Zulu, ku sa bus' uTshaka no Dingana,—buhamba bu tengiswa amaNgisi, oFebana, no Mbuyazi, no Lupondo, no Collis, no Mangeingei, no bani

¹ Si-tsho o bo hlobo o lu fana na lolu o lu fakwa abantu bakiti.



E-*VENICE* NA SE-MURANO.

O wa se-*Venice* umuzi, iwo lo omkulu. O wa se-*Murano*, ilo o pakati, o ngasenhlanga kwo wa se-*Venice*. Yombili y'akelwa eziqingini.

no bani,—ba be-ti bona bu pum' Engilande nje, ba bu nga pumi kona ngo kwe qiniso.

Si-tsho ngoba, nxa umunt' e buz' into nje enye ukut' i pumapi, singabe si ya m edukisa nxa si nga m tsheli indawo la y-enziwa kona ngempela. Ngoba zi kon' izimpahl' ezinye (e zi fika ne mikumb' e vel' Engilande) e zi nga lunjwa lapo. Z'enziwa kwa many' amazwe. amaNgisi-ke a se zo dhlul' a yo zi tenga lapo; abes' e zo funisa ngazo kwe lakiti.


Ku njalo-ke na sebuhlalwini. Bona bu pum' ezwen' eliseceleni; bu pum' ezweni la se-Italy,—enhla nalo, emzini wakona, wa seVenice. eVenice lapo umuz' omkulu o w-ak' esiqingini e si pakati kwe cib' elikulu, (li seceleni owo lwandhle), eliti a li fane ne la kwa Mpukunyoni kwa gulu, (ubukulu balo), leli a ba-t' abeLungu, St. Lucia ay. Ku lelo cibi-ke (la seItaly), ku kon' isiqingan' (cinye esingenhlana kwo muzi wa seVenice ($1\frac{1}{2}$ miles);¹ a kuso-ke ku kon' umuzi okutiwa: Murano.² Nanso-ke dawana la bu vela kon' ubuhlalu.

Zi kon' izindaw' ezinye ezweni la maJalimana (Germany); na seFrance; na seSpain; na seAustria; la kw-enziwa kon' ubuhlalu; kodwa isiqu se ndaba yonke si kona kona lap' eMurano. Lowo muzana iwona nomtebe wo buhlalu; ilapa ba dabuka kon' isibili bonke lobu ba kwa Zulu na seNatala.³ Ne zibuko lezi, a ba zi buka

¹ Nxa ku-yiwa ku leso siqingana, umunt' e suk' eVenice, kuti a ku be nganga nalap' e suk' emzini wa seTekwini e-y' esiqingin' esikudhlwana lesiya e si-mi pakati kwe tekku.

² Endulo, pambili kakulu, igamu la leso siqingana kwa ku seAmmanino. Kuqala, abeLungu a ba b'ake ku leso siqingi, ba be zinkulungwan' ezimatshum' amatatu (30,000); namhlanje kodwa, se be zinkulungwan' ezisitupa kupela (6,000),—loko-ke kw-enziwa ngob' izwe lakona (kanye ne la seVenice) li nga sa petwe umbus' o njeng' owakuqala.

³ Endulo kakulu, ubuhlalu ba qala b'enziwa eVenice; kwase kuti-ke, ngob' ibandhla lakona li bon' ukut' umsebenz' onjalo u bang' ingozi



E-MURANO.
Le ntut' e tunqayo, e ye zindhlu la kw-enziwa kon' ubuhlalu, malang' onke.

ngak' abantu, za dabuka kona lapo. Ku-tiwa zona zā qala z'enziwa lapo ngo A.D. 1317.

I kona-ke noko indab' e pat' ukwenziwa kwo buhlalu ezindawen' ezinye, njenga se*Egypt*, na se*Syria*; babukade b'enziwa lapo umuzi wa seMurano u nga ka biko. Kodwa a si ku-ngena ku lawo, ngoba ku into e s'indalandala kakulu, e si fana ne nganekwane; fut' ubuhlalu ka bu s'enziwa namuhla ku lezo ndawo.

Indawo e ne ndab' impela, e fanel' ukuba y-aziwe kahle abantu bakiti, iyo le ya seMurano; ngob' ubuhlalu so bu na makul' ayisikombisa e minyaka (700 years), b'enziwa ku sona leso siqingana. Futi, umsebenzi wakon' o nga ngamukiyo. Na namuhla loku, ubuhlalu bu s'enziwa ku leyo ndawo. Na nxa ku sa bus' uDingana no Tshaka; si-tsho no Senzangakona, no Jama, no Ndaba, no bani no bani, ba b'enziwa kona lapo.

Nanso-k' indab' e be si-ti i fanel' uku-xoxelw' abantu ba seNatala na ba kwa Zulu, bona a se be jwayelene kangaka na le-nto. Si sa-ya pambili-ke kodwa. Ngoba-ke se si-tshilo lap' ubuhlalu bu puma kona ngempela, o so ku fanele manje ukuba si ngen' endabeni yo *kwenziwa kwabo*.

Ukukuluma kwa bant' abanye kokuti *bu-mbiwa pansi*, nokuti *bu cotshu' elwandhle*, konke loko ku ngamanga nje, ā kulunywa a ba ng'azi luto. Bu kona tin' ubuhlalu o bu tolwa pans' enhlabatini—emazwen' amany' a seAfrika, enhla kakulu kodwa ne-zwe, njenga se*Ashanti* (*Gold Coast*); abakona ba ku biza ngokuti *aggry*. Kodwa lobo buhlalu ka bu fani na lobu bakiti; futi, noma bu (ngoba kuloku ku basw' imlilo emkulu), lase li-t' izwi (ngo 8 November, 1291) bonk' a ba qub' umsebenz' onjalo ma ba suke ku lowo muzi wa seVenice, ba yo kw-ak' esiqingini esiseduze nakona,—ku-tshiwo sona lesi-ke sa seMurano; ubuhlalu ba b'enzele kona. Nembala, kwa-yiwa ku leyo ndawo.

tolw' enhlabatini nje, b'enziwa endulo abantu ba se*Egypt*, noma kwa ku nga ba se*Phœnicia*. Ka ku siyo nempel' into e ya zi velelayo, e ya dalwa uMvelinqangi, njenge zilwane, ne miti, no tshani, na matshe. *Kona ku int' elunjwayo, e lunjwa abantu*.

Si-ti ubuhlalu, ba ku leli lakiti, b'enziwa ama*Italian*. Indawo yabo-ke enkulu, ne si ndala kakulu, la b'enziwa kona, iyo le ya seMurano. Nxa-ke umunt' e tand' uku-zw' ukuti b'enziwa kanjani, angak' a yo cinga kon' eMurano lapo; ngoba ka yik' indaw' enye e nga dhlula leyo. Konk' o ku pat' ukwenziwa kwo buhlalu ku pelele lapo.

Se si ngena yona-ke indaba yo kw-enziwa kwo buhlalu ku wona lowo muzi.

10

UKWENZIWA KWO BUHLALU

II

KWAKADE ku kon' amakampan' ¹ amaning' eMurano ā qub' umsebenzi wo buhlalu,—a sebenza njālo, ku ya pikisanwa. Baze ba bona-ke manj' abakona ukut', ukupikisan' emsebenzin' onjalo, ka ku sizi luto. Ngoba, nxa lo e pike ngo kulumba kakulu, e z'enzela ngokwake nje; na lo fut' e z'enzela ngo kuzitandela; na lo; kanye na lowaya,—*bonke*; kuhleze ku ncintelwana, ku pangelwana; ku zo hamba ku hambe, bese be bona manje ngoba se b'anda kakul' ezweni ubuhlalu, inana labo lingabe li sa fana na kuqala; li be lincane. Ba bōn' ukuti, nxa umsebenz' onje u nga petwe ibandhl' elilodwa, u nga buswa nge ndhlel' efanele, u zo kw-onakala. Ayes' e hlangana-ke onk' amakampani lana (ngo 1896), e s'enza

¹ Companies.

li ba linye, elikulu, okutiwa namhlanje : *Società Veneziana Per l'Industria delle Conterie*.¹

Ilona lelo kampani kupela-ke namhlanje e l'enz' ubuhlal' eMurano. Mukul' impel' umsebenz' o w-enziwa ilona. Imali yo ku-li-misa, yā ba £180,000. Mining' imkumbi yalo namuhla e twal' ubuhlalu i bu-s' eAfrika, na seOceania (kakulu eziqingini za seSumatra na se-Borneo), na seAsia (e la seNdiya nalo li kona lapo), na seEurope, na seMelika.

Ubuhlalu b'enziwa nge ngilazi, ingilazi-ke yona y-enziwe nge ndhlel' enje. Ku tatw' usota (o njenga lo o ku gezwa ngawo izinto emakitshini), ne sihlabati esimhlope, esihle, esiketiweyo (e si fana naso lesi sa solwandhle); ku be kona-ke futi ne miti yo ku pendul' umbala we ngilazi uz' u be njeng' o wo buhlalu; omuny' u be mhlope, omuny' u be mnyama, omuny' u be luhlaza, omuny' u be bomvu,—yonk' imbala. Ingilazi yona i puma kuy' usota lo nxa u su hlangene ne sihlabati. Um' inga teliwe-ke imiti e pendul' umbala, uju lwe ngilazi lu zo baloku lu mhlope nje, lu fana no we ngilazi ye fastela.

Nxa so ku pek' usota ne sihlabati (ku pekwa so ku ndawonye, ku xubene), ku ya ncibilika, ku tambe, ku fane ne nhlaka. Le mbumbutela-ke, e si ncibilikile, i bizwa ngokutiwa *fondant*.² Imiti, o ku iyon' e fak' imbala le emningi, i telw' embizeni kanyekanye nay' usota lo ne sihlabati, ku xutshelwe ndawonye; bese ku fakw' emlilweni, ngapakati kwawo, la ku tshisa kona ngamandhla. Loku-ke kw-enzelw' ukub' umbala no njani no njani uz' u xubane, u hlangane ne ngilazi le,

¹ Lok' ukukuluma kwe-zwe lakona, ku-ti: Ikampani la seVenice e li qub' umsebenzi wo buhlalu; (*conterie*=ubuhlalu).

² Loku ku suk' olimini lwa seFrance; ku-tsh' ingilazi e si ncibilikile, e si tambile.

ungab' u s'ahlukana njalo nayo; ku be isona simo sakona.

Imiti e fak' imbala le yo buhlalu, mi ningi. Eminye i tolwa kuw' umtofu lo. Onjalo-k' umbala ku-tiwa "minio," igamu lawo. Ubuhlalu o bu yo puma nxa ku telwe lowo-ke engilazini, bu ba mpofu, obunye bu be bomvu. Eminye imbala i tolw' etusini (*copper*), na sensimbini, na sensimbini ye mal' emhlope (*silver*), na sensimbini ye mal' ebomvu (*gold*); na ku *manganese*, no *cobalt*, no *chromium*, no *uranium*, kanye ne mit' eminyeke.¹ Leyo miti-ke iyona e faka yonk' imbala le emningi yo buhlalu, no njani no njani.

Kodwa-ke, izinyanga za seMurano, e zi lumb' ubuhlalu, ka zi vumi nakancane uku-tshel' abanye ukuti b'enziwa kanjani. Ku ya fihlwa; ku fihlwa ngabomu. Kw-esa-tshw' ukuti, nxa be tsheliwe, ba zo b'amuk' isinkwa sabo; ngoba ku zuzw' imal' esabekayo ngako. Kodwa, noma be fihla, kuye ku-zwakale nge zinyanga zakona e se zi pumil' emsebenzini, na nge zinye e zi hambis' imsebenz' enjalo emazwen' amanye. Into e isifub' uqobo iyo le ye miti o ku pendulwa ngayo umbala we ngilazi. Loko-ke kw-aziwa a ba ngapakati kupela.

Izisebenzi lez' eziningi zakona ka zi y'az' imiti e faka yonke le mbal' emningi; kodw' eminye zi ya y'azi. Nati, si xoxa nje, ka si-tsho ukuti si kw-azi konke. Noko-ke, ku ningi e sihamba si ku tolatol' ezinewadini ezindala na kwe zintsha, na sendoden' enye ya seLondon, e yake ya hambela kon' eVenice na seMurano, ya ku bonabon' ukwenziwa kwa le-nto. O ku catshile kuncane ku no kw-aziwayo. Si ya bona nje ukuti ingab' amaNgisi be be *pike ngo ku wu hambis' umsebenz' onje, be be zo ku-wu-

¹ La magamu ā nga qondwa kahle ā sebeke ba funda *Inorganic Chemistry*.

quba nje kahle, uz' u pumelele ngokufanele. Odayakazana laba, a ba bumb' izinto ezinganga loku zi ngaka, bangeze b'ahlulwa ubuhlalu.

Si-ti-ke, kuqala kw-enziw' ingilazi le (u-fondant), esike sa kuluma ngako. Eny' ingilazi i xutshwa no *potash*, ingabe u-carbonate of lime, noma ku u-cream of tartar. Yonke le-nto-ke yo kw-enz' u-fondant (ingilaz' encibilikile), i qongelelwa emhumeni e yākiwa ngapansi kwe zindhlu ze kampani. I zinqwabanqwaba.

Ingilazi (yo kwenz' ubuhlalu) i pekew' ezitshen' ezinkulu, e zi ne zisibekelo. Isitsha si sinye, si telwa o ku lingene na ma-ton ayisitupa (6 tons) ukusinda kwako. Izitsha lezi zi ne zintunja emaceleni, okuti nxa se ku baselw' izitsh' emlilweni, ku bonakale ngazo ukukanya kwe ngilazi, la i si ncibilikile; nxa i sa tshisa kancane, i ba bomvu; la i tshisa kakulu, i ba mhlope.

Umlil' o baswa lapo w-enziwa ub' u tshise ngamandhl' isibili. (Ku baselw' ezindaweni e zi ngapakati kwe-ndhlu, la umlil' u zo ba namandhla kona.) Ukutshisa loku kuze ku fike na ku 1000° no 1500° C.,¹ ngoba nxa ku nga tshisi kakulu, imiti, le e bumbutanayo, ka i soze ya hlangana kahle.

Izitsha lez' ezipekayo zi bizwa ngokuti *crucibles*. Zi bunjwa nge mit' elukuni, okuti nxa umlil' u su vuta ngamandhla, zona zi nga vum' uku-ncibilika; futi, zi nga dabuki, z'onakale.

Ku zo ba kon' isisebenzi-ke e si pet' umbhobho we nsimbi, omude; i ba 5 noma 8 feet ngo bude. Int' enjalo-ke ama-Italian a-ti u-ferri da canne. Imbhobho ba yi ngenis' ezitsheni (*crucibles*) ngaz' izintunja lezi; bese be kip' isigaxa se ngilazi le ekad' i pekwa, e si tambile (*fondant*). Se be si bek' etafuleni le nsimbi. Bese be si

¹ Centigrade.



UKWENZIWA KWO BUHLALU.

- a. Ku fakw' ingilazi emlilweni. Nang' omunye e futu le a yi bambele kona.
 b. Ku lungisw' insimbi yo kunamatisel' englazini.
 c. Laba-ke, ibo okuyoti se be qedile, bese be yo hlangana ku "d".
 d. Se be jobulula-ke lapa; bazeke ba hambu kodwa, kuze ku be kude.
 e. Lo-ke, izintu lez' ezinde ze ngilazi (e zi ne mbobo pakati), u se zo zi nqumanquma; izinqamu-ke abes' e zi bopa, e z'enz' izitungu.
 f. Le ngilazi i tambile, i sa tshisa; kanti futi i ne mbobo.
 g. Le ngilazi i tambile, i sa tshisa; kanti futi i ne mbobo.

ganduza be si ganduza-ke, kuze ku penduk' umbala lo omhlope we ngilazi, uz' u be bomvu. Isigaxa-ke se si fana ne ndilinga e ngange kanda lo muntu. Si tambile; si fana no *dough*.¹ Si sa namatele, belu, ekugcineni kwo mbhobho lowo.

Se ku sondele isisebenz' esinye lapo, e si pet' insimb' okutiwa *borsetta*; loko-ke into eti a yi fane no dhlawu olukulu. Isigaxa lesi-ke se ngilaz' etshisayo, u s'enz' imbobo kuso ekugcineni; imbobo leyo-ke used' e y'andisa e y'andisa, e-nza ngo kucindezela. Abes' e si gumb' e si gumb' isigaxa lesi, size siti a si fane no mcakulo.²

Iko loku ukugumba-ke o kw-enz' ukuba ku be kon' izimbotshana lezi e zi sebuhlalwini bonke. Zi qambeka kona lapo ekugumbeni kwe sigaxa lesi se ngilaz' etshisayo.

Ngo kupela kwo kugumba, se be si pindisel' emlilweni isigaxa lesi (e se si fana no mcakulo). Se ku hlalahlala kona-k' emlilweni kuze ku tshise; kuze ku tshise kakulu ku be mhlope. Ba nga vumi-ke kodwa ukuba ku folokoteke; b'enz' ukuba kuloku ku-mis' o kwo mcakulo njalo.

Se bezobuye ba ku kipele ngapandhle futi. B'anel' uku-ku-kipa-ke, se ku qamuk' isisebenz' esinye konalapo, e si pet' intonga ye nsimbi, e y-enziwa ya banzi nga sekugcineni. Nga loku-ke o ku banzi, u se cindezela ngako kancane 'emcakulweni,' nga la ku vuleke ngakona. Useti-ke 'mbo' lapo nga leyo nsimbi. Sekuti-ke, ngoba nans' ingilaz' i sa tshisa kakulu, i si namatel' ensimbini leyo, iti ngci.

Yonke le-nto-ke y-enziwa ngo kutshetsha, ngoba, nxa ku nga pangisiwe, ku zo pol' ingilazi le; kuti-ke, nxa ku polile, w-onakal' umsebenzi.

¹ O kw-enziwa ngako izinkwa sa beLungu, nxa u-flour e se xoviwe, kad' e telw' amanzi ne mvubelo (*yeast*).

² Isitsha so kudhlela.

Kwe-nel' uku-bonakal' ukut' intong' i si namatele, se b'ahlukana lab' ababili, izisebenzi. O pet' 'umcakulo' u-ya le; na lo o pet' intonga (e si namatel' 'emcakulweni') u-ya le. Ku ya fulatelwana; bese ku hanjwa-ke masinyane. Lapo-ke, i si jobuluk' ingilazi le; i si nwebek' i bande. Bazoti la be bon' ukuti se ku lingene, bese be-ma-ke manje.

Le ntamb' ende, e si vele ngo kunwebeka kwe ngilazi, bazobeloku be yi beka pezu kwe zinto e zi nqume kabili; e zi bekew' uku-yi-sekel' intambo ye ngilazi ub' i nga hamb' i nqamuka nxa i si polile.

Ukujobuluka kwo *fondant* (ingilazi le encibikileyo) ku inqaba, ngoba ukujobuluka kwako, ma isigaxa si ngange kanda lo muntu, kungaze kw-eq' uTukela lu gwele, ezansi nalo (300 yards).

Enye-k' inqaba, i-le. Nom' ingilazi i donswe ya donswa, uhlonze lwayo lwaze lwa luncane, lwa lingana ne nalit' encane, leyo ntanjana i se ne mbobo njalo yonkana, yona le e suke lapaya 'emcakulweni'; ngoba, ku jobuluk' ingilazi nje, i jobuluka i nay' imbobo le e qambeke ekugun-*iweni kwe sigaxa*. I si zo ba kona-ke njalo imbobo; ingab' i sa valana; intambo ilok' ihlez' i nayo pakati yonk' i pela. Iyo-ke le-nto e y-enz' ukub' ubuhlalu b'enziwe nga buningi, nga buningi.

11

UKWENZIWA KWO BUHLALU

III

Le ntamb' ende, e ne mbobo pakati, i qal' uku-jobuluk' i se mhlope (ngob' ingilaz' i sa tshisa kakulu, i sa tambile); iti-ke lap' i si pola, i penduk' i be bomvu; ibuy' i penduke

futi, i be umbala wa lo mut' o bu xutshwe ne sihlabati no sota ku sa qala pansu, ku nga ka pekwa.

Uhlonze lwe ntambo le, lu ba luncane nxa usota e luhlob' oluhle, na nxa e telwe kakulu. Lu nga luncane futi ma isigaxa [e si tatw' esitsheni (*crucible*)] si sincane. Luye lu neipe futi ma izisebenzi zi tshiyene masinyane ingilaz' i sa jobuluka; be hambisa ngo kutshetsha.

Ubuhlal' obukulu, o bu nganga mapohlo kanye na maqanda, b'enziwa njengabo lob' obuncane. Obukulu bu tolwa nxa isigaxa se ngilazi si sikulu, futi nxa izisebenzi zi ng'ahlukani ngokutshetsha; na nxa zi nga hambi ngamandhla lapa se zi tshiyene.

Le ntamb' e si vele, ngo ku nwebeka kwe ngilazi, se be zo yi tata-ke, ba yi nqum' izinqanyana, ubude be zinqamu bu lingane no mlenze wo muntu. Uti-ke olunjalo lu bizwa ngokutiwa *cane*. Se be zi but' izinqanyana lezi, ba zi bekelel' izinqwabana. Izinqwabana-ke zona bese zi tatwa ngazinye ngazinye, se zi bekwa pansu kwo mtshini ¹ o ne zimbazo.

Yonke le ntambo, nom' i si polile nje, i sa tamba-tambile belu; ba ku juqajuqa nje ku sa tambile, ngoba naku ku ya pangiswa. Emtshini umunt' abes' e ku nquma-ke manje, e-nze ku be kuncane konkana, ku be ngange zinhlamvana (izinhloko) zo buhlalu. Iz' i pele inqwabana leyo. Abes' e tat' enye futi; nayo u se yi nqumanquma, e yi fanisa nayo yona leya. Abes' e tat' enye futi—njalo. Kuze ku pele.

Ku dhlul' isikat' eside ku pindapinda kona loko; beloku be ngenis' imbhobho le emide ye nsimbi, be yi ngenis' ezitsheni ² (lezi e zi pek' ingilazi e si xutshwe no muti lo o pendul' umbala); beloku be kip' izigaxa ze ngilazi (*fondant*); bese be zi ganduz' ematafuleni; b'enz'

¹ Machine.

² Crucibles.

imbobo nganhlaye, bese be gumba be gumba, kuze kuti a ku fanafane no mkambati; ¹ se be namatisel' insimbi (*borsetta*) engilazini; se b'ahlukana; i si jobuluka-k' ingilazi, iz' i be njenge ntamb' ende, yona-ke kodwa i be ne mbobo pakati.

Imbobo le i qambeka kon' ekugumbeni lokuya; ngob' it' ingati 'mbo' le nsimb' enye (*borsetta*), (se ku namatel' ingilazi kuko), ingab' i sa valana. Ne ntambo le ejobulukayo, i hlal' i ne mbobo pakati yonke. No buhlalu, buti bu nqunywa ku lolo luti, bungabe bu sa valana, ngob' imbob' i bi hlezi kona kakade ku lona lolo luti.

Intambo leyo yo kwenz' ubuhlalu si-te ba yi nquma yonke ba y'enz' izijuqu (*canes*). Se be zi tata-ke izijuqu lezi ezimfutshanyana, e zi ngango buhlalu, ngob' izinsikwana zazo zi ya rwexula, zi maraye. Zi bangwa ini izinsikwana lezo ezirayarayayo? Zi bangwa ngoba, pela, kade ku nqunywa nge zimbazo.

Se zi cotshwa-ke manj' izijuqwana; se zi hlanganiswa ne zinye ekade z'enziwa kuqala. So ku tatw' amalable apuqukileyo. A se xutshwa no mcako. Zonk' izijuqwana lezi-ke se zi cinwa, zi gqishwa ngako loko. Ku cinw' izimbotshana zonke lezi; zi gewale.

So ku tatw' isihlabati sa solwandhle manje; sona-ke si ba siningi kakulu ku ne nqwaba ye zijuqwana. So ku tatw' isitsh' esikulu okutiwa *crucible*, okuzoti nxa se si ngenisw' emlilweni, sibeloku si hanjiswa njalo, side si pendulwa si pendulwa, njalo; singaze se-ma ndawonye. Isihlabati-ke lesi si zo telwa kona, si hlanganiswe ne zijuqwana zo buhlalu lezi e se zi ciniwe.

So ku baselwa-ke. Kw-enziw' umlilo ongaz' u fikele na ku 400° C., ukutshisa kwawo. Impupu le ya malahle i si-tsha yonk' i pela; i si nyamalala; i qedwa umlilo.

¹ Umkele; umcakulo.

No meako lo u su pela ; u pela njalo u su sebenzile lap' ezinsikwaneni zo buhlalu ; so ku qinile kuzo zonke lezo ndawana. Futi isihlabati lesi se si bu lolongile bonk' ubuhlalu ; se si bu dilingile futi, s'enz' ukuba bu gobane kahl' emaceleni, bu be buhle, bu tol' isimo e si fana no buhlal' obunye o b'aziwa abant' izwe lonke.

Isona-ke isihlabati lesi e si ngab' ukub' ubuhlalu bu namatelane, nxa se bu pindiselw' emlilweni. Se bu lunjiwe-ke manj' ubuhlalu ; so bu njengabo lob' o bu tengw' emavinkilin' akiti.

Bu susw' emlilweni lapo qede se bu tululelw' ezitshen' ezibanzi ; kw-enzelw' ukub' ubuhlalu bu polele kona. Sekuzoti-ke, nxa se ku polile, bese ku petshulw' isihlabati lesi e si xutshwe no buhlalu, si pumele ngapandhle sonke ; ku petshulwa izintokazi zakon' ezinkulu zo kw-enz' umoya.

Manje-ke ubuhlalu se bu zo telw' ezisevweni.¹ Ku qalwa la izimbobo ze sisevo zi zincane. Obuncane-k' ubuhlalu se bu zo pumela ngapandhle ; b'ahlukana na lob' obukudhlwana. Sokuti-ke esisevwen' esinye, ku pum' obunye futi obungapezulwana,—njalo ; ku-ya ngo bukulu be zinhlamvu zo buhlalu.

Nxa-ke so ku pelil' ukuhlunga loku, so kw-ahlukene ubuhlal' obukulu no buncane ; so bu-mi futi nge mbala nge mbala ; so ku fike isikati-ke manje sokuba bu hunyewe (ku rala).

Ukhumama loku, umsebenzi wa besifazane na mantombazana. Lowo u pet' izinalit' ezinde ezandhleni zozibili ; na lowo fut' u pet' ezinde.² Ba zi pete nga matshum' amabili na nhlanu, na nga matshum' amatatu. Futi

¹ Sieves.

² Zi ngange zinsungulo zo kukolosh (knitting needles), ngo bude ; kodw' uhlonzana lwazo lu ncane.

lowo u pet' isitsha e si gewel' umuhu wo buhlalu ; na lowo njalo u pet' esake. Se be humahuma ngo kutshe-tshisa ngamandhla-ke. Izinaliti lezi zi ne zimbob' eku-gcineni (njeng' e zi tung' izingubo) ; ezimbotsheni-ke ku fakwe urala.

Kuzoti-ke nxa ubuhlalu se bu buning' ezinalitini, u se bu quba lo o sebenzayo, e b'eqis' imbobo le ye naliti, e b'eqisela nga ku rala ; se buloku bu humeka-ke njal' ubuhlalu kuy' rala lowo. Imicu le-ke (yo buhlalu) i si zolok' i butwa yonke ku lab' abahumayo ; i bi si yenziw' amahlukuzo a fana na la a tengw' emavinkilimi malang' onke.

Si-te ubuhlalu b'enziwa ikampan' elikulu eMurano. Ku lowo muzi-ke, ukuxub' imiti e yenz' ingilazi no ku pek' u-fondant, umsebenzi we zinsizwa na madoda. Ibona fut' a ba pata konk' o kwo mlilo, ko kuxub' isihlabati no sota (nxa se kw-enziw' ingilazi), no kuncibilikis' ingilazi, no kujobulul' ingilazi (i si tambile), nxa so kw-enziw' izintamb' ezinde ; ibona futi a ba nqumanqum' izintambo lezo. Ne zimbazo lezi, o ku juqwa ngazo izinti (canes) ze ngilazi (eziti a zi fane ne mitshumo), zi lolwa ibona.

Yonk' imsebenzan' eminy' emncan' elulana, emningi-ningi, y-enziwa abesifazane. Ibon' a ba juqajuq' izinti ze ngilazi ; ubuhlalu futi b'ahlukaniswa ibona ngezinhlobo ngezinhlobo ; ne zinti (canes) z'ahlukaniswa ibona ; ibona fut' a ba humel' ubuhlalu ku rala, b'enz' amahlukuzo.

eMurano, umsebenzi we kampani (Società) u petwe imizi ya beLungu bakona ; okungati, nxa se ku balwa, izisebenzi zakona zingaze zi fike na senkulungwaneni (1000).

Nom' i pela lapo-k' indaba yo buhlalu, be si nga-tsho nakancane tina ukuti si yi qedile. I•se ningi nje yon'

e sa sele. I ningi ngakona; ngoba naku ku ya bonakal' ukuti ku indab' endala kakulu; fut' i ne zahluk' eziningi.

12

IZIBONGO ZI KA TSHAKA—IV

Izul' e li dum' emva kwo muz' eKuqobekeni,¹
La zi tat' izihlangu za maPela.²
Wa-dhl' uNomahlanjana, e zalwa nguZwide, emaPeleni;
Wa-dhl' uMpepa, e zalwa nguZwid', emaPeleni;
Wa-dhl' uDayingubo, e zalwa nguZwid', emaPeleni;
Wa-dhl' uNombengula, e zalwa nguZwid', emaPeleni;
Wa-dhl' uMntimona, e zalwa uGaqa, emaPeleni;
Wa-dhl' uMpondo-pumela-kwe-zind', emaPeleni;
Wa-dhl' uNdengezimatshumi, emaPeleni.

Buya Mgengi,³ pela! Indab' u su y'enzile,
uZwid' u m pendul' isigwelegewe,
Namuhla futi u su pendul' indodana.⁴

Izinkomo za bantu, inkelenkele;⁵
Zi kungel' izingob' ⁶ ematshobeni.

uMasukwana ku-se,⁷ o njenge ngonyama;⁸
uMasuk' u be hamba kwa Madilika.

¹ Ku ya bonakal' ukut' umuzi ka Zwide lo.

² Ibut' elikulu la kwa Ndwandwe.

³ Ukugenga, ukwenzel' umunt' icebo lo kupamba; ukukohlisa.

⁴ uSikunyana. E ya yo hlasel' uSikunyana (uyis' e se-file) ya puma ngo August, 1826.

⁵ Inkelenkele, isiwa, igebe. Lapa-ke, ku-tsh' ivuso; zi zo kalelwa; zi ne cala.

⁶ Imkont' egobile, esontekile; ngob' abanikazizo, nxa be ng'ahlulwanga, ba yo zi landela.

⁷ Nsukuzonke ku njalo.

⁸ Ingonyama i hlasel' ebusuku; uTshaka naye imp' u yi hambis' ebusuku.

uHlumayo lu mananga,¹ uDhlungwane,
uHlumayo lu mananga, lu nkone;
uMananga u be hamba kwa Jiyampondo.

Msingi wa zansi, woz' u sing' enhla;²
Woz' u singe lapa ku-y' ilanga.³

O vuso la-dhla mntwan' o sesiswini;⁴
uMavuso ⁵ u be nduna kwa Nomgabi.

uSipupuma, si madel' imiyalo!⁶

O bobos' isikal' emaCubeni;

We-za no Mvakela,⁷ e zalwa uDhlaba;

We-za no Maqobo,⁸ e zalwa uDhlaba;

We-za no 'Kwababa, e zalwa uDhlaba.

Inyon' e-dhl' ezinye!

Yat' i sa-dhl' ezinye, ya-dhl' ezinye.

O-dhl' imhlambi, i nge ya baRwebi.⁹

Omkulu kakulu!

O ngange-zwe lake!

O ngange zintab' ezinde, oMpehlela no Maqwakazi!¹⁰

¹ Lu na manangananga, amagqabagqaba, njenge sikumba se-ngwe.

² Ku-tshiw' ukuhlasele. Impi a yi sing' enhla, e ka Sikunyana ka Zwide; ne ka Sotshangana ya i senhla.

³ Ku-tshiw' uMzilikazi, o wa baleka wa qond' enhla, nga sentshonlanga.

⁴ Nxa umunt' e bon' ukut' u zo bulawa, u ba ne vuso. Ivuso la mu-dhla ngoba la m tubelizisa, unina wa qond' eLangeni (la wa m zalela kona); wa ye se dhlula lapo e-ya kwa Qwabe; wabuye wa hamba futi, wa-ya kwa Mtetwa.

⁵ Sengati lo kwa ku indod' enkulu ya kwa Nomgabi; kwa Nomgabi, ku-tshiwo umuzi we Nkosi, wa seSirebeni, kwa "tunga li sengwa li nga gowali."

⁶ Ngob' e liqawe; isibong' esinje si vamil' emaqaweni.

⁷ Uyisemkulu ka Sigananda. uMvakela wa zek' udadewab' uNandi, unina ka Tshaka.

⁸ = Maqobho.

⁹ amaNtungwa la, a ye hamb' e tengisa ngo gwayi.

¹⁰ Lez' izintaba zi seduze na manxw' a kwa Bulawayo, nga kwa Ndhlayangubo. uMaqwakazi iyo le ntaba, sengati igquma, e bonakala kancane ku k. 19, uTulasizwe.

O ngange sihlahl' e si sokalweni ku Maqwakazi,
E sa si hlal' amaNdwandwe na maNxumalo.

U ngi size Mapita no Ngqengelele,
U m nike nkomonye a fund' ukuzeza.

O sifuba si ne nqaba,¹ uBayede ka Ndaba,
Ngob' e ne ntetela emalangen; ²

U m nik' ukande lo ku z'imbela.³

uNdaba ngi ya m eba, ngi muka naye,
Ngi m buka, kw-ehla ne zinyembezi;

Ku ba sengati ngi buk' isihlahla so mdhlebe.

iGwija ⁴ li ka Mdhlaka li gwegwe,⁵

Li jez' abasini be ngoma;

uNdaba u ludude ⁶ emanxulumeni.

uDhlungwan' ⁷ o nge na mtelekeleli.⁸

Sidhlukula dhlwedhlwe! ⁹

uHlany' o lu semehlwen' a madoda.

uTshaka u funyanis' izilwane zi zibili,

Zi hlangeke pakati kwe Nsuze no Tukela,—

Izilwane uTondolozu no Sirayo;

Wafika wa pons' irawu, z'ahlukana.

Wa hlangeke no dwendwe lwa mankankane,

Mhla e ya ku-dhl' amaMpondo, izipukupuku.

uTshak' u be nga-dhl' imhlambi ya nkomo,

¹ Izifuba zake wa ye nga zi tsheli muntu; u inqab' e nga ngenwayo-ke ngaloko.

² Ukuti, abantu wa ye ba tetisa malang' onke.

³ Loku sengati ku-tsh' umkonto wo kuhlabana.

⁴ Ijadu, isisuso. Ku tshayw' ihlombe nxa ku sinwayo.

⁵ Sengati uMdhlaka wa li hlala kabi.

⁶ U dudekile; w-onakele.

⁷ Ukudhlunga, ukukukumala, ukudhlanga; u dhlangelele pakati kwa bany' abantu; kw-azeka yena nje.

Abanye ba-ti: *mtelekeleli*; ku-tshiwo ngoba yen' e nga tekelelwa muntu nxa ku indhlala; e nge na mngane; uyay' a zi tatele nje, e nga cele ku muntu.

⁹ Uku-hlwit' induk' ende, uboko.

U be-dhl' imhlambi ye zinyamazane.

O gcage' emagcekeni ko Putile,

We-za no msikazi,¹ nga kwo Ndimoshe.

uHlabahlungu,² ba zo tshumeyezana,

Na ba seziteni, na ba sekaya.

uHlaza ³ lwa ng' inyongo ye mbuzi.

uVemvane lu ka Punga!

Lu mabal' a zizinge,⁴ sengat' a bekiwe.

uMzizima ⁵ o nga matunz' e zintaba,

Kona ku-hlwa, ku hamb' abatakati.

iNgayinqayi ⁶ ka Punga no Mageba,

E ngi buke ⁷ ngaze nga y'ojayela.⁸

uMasengo-mahle! ⁹ iNkonyana ye nkomo!

Kwa ngi xaba ¹⁰ ukukaba kwa le nkomo,

¹ Ku-tshiw' umuntu we sifazane. uTshaka wa ngenisa ko Putile.

² Loku sengati ku-tsh' impi yake e ya-lwel' ehlungwini. *B. uBaxozele, k. 102, h. 15, la ku-tiwa: uMbudula hlungu la zita. Lapa, ukutshumayezana ukukulumisana.*

³ Utshan' obutsha.

⁴ A ziyinge, iziyingelezi.

⁵ Ufasimba; umzizinya. Uhlamv' olunje lu kona na kwe zi ka Dingana. *B. uHlangakula, k. 63, h. 1.*

⁶ Loku ku suk' *ekugqayeni*. Uku-gqaya uku-'beka, uku-'bekisisa; uku-cinga. Ya it' i nga buy' impi ekad' i bi yo hlasel' ezizweni, uTshak' abes' e-ti a i hamb' i yo hlala nga *sesihlahleni sa magwala* (e si nga kwa Bulawayo). *B. uTulasizwe, k. 51. Lapa-ke, u se-ti a ku ketw' amagwala, lab' a ba b'esaba nxa ku-liwayo, ba nga gwazi muntu. Se ku gqaywa, ku gqaywa-ke njalo. U se-ti-ke, ake be-zwisw' umkonto bonkana, wona lo a ba wu saba kangaka. U se kutshulw' ingalo-k' umuntu. Ba qala ngo ku m hlaba kancane; ku ya dhlula loko, se be m gwazis' o kwe mbuzi. Izimbongi zi-t' uTshaka u ingqayinqayi nga loko-ke.*

⁷ = e ngi yi buke.

⁸ = nga y'ejwayela. Uku-ti 'y'ojayela' kw-enz' ulimi nje lo munt' o tand' uku-notis' izibongo.

⁹ Amasengo=amatanga. Abanye kodwa ba-ti: *uMasengo-mahle*, be-tsho nga mazing' ake, ngob' a ye-mi kahle. Loku kucaza si ku tata ku Grout. *A Grammar of the Zulu Language*, (e ya cindezelwa ngo 1859), k. 421.

¹⁰ "Ngokuba iNkosi, kwa kuti oyen' a inceku, ku ya ba ngomuso,

Ya kab' o sengayo, ya del' umbambi.
uMoy' o mzansi, wo mngenelo
Ohleze u ba ngenela, na ngo mnyango.¹

13

UKU-WU-NQUMA KWAK' uTSHAKA UMBANGO WA KWA NYUSWA

[Le ndab' i xumelelene ne ku *Baxoxele*, kk. 222-224.]

uMAPOLOBA, inkosi ya kwa Nyuswa, yāt' i ganwa inkosi-kazi yay' enkulu, ya i se lixegu. Noko-ke, leyo nkosikazi yā ba no mntwana, kwa-tiwa uMiswayo. U se-fa-k' uMapoloba. We-nel' uku-fa, nay' umntanake lo, uMiswayo (o sa qed' uku-zalwa), u se-fa. Ka ya bako-k' inkosana.

Se ku vel' umbango-ke; ku bang' amadodan' a ka Mapoloba, uSirayo no Mgabi. Kwa ba umbang' omkulu. Isiti-k' indun' enkulu ya kwa Nyuswa, uNkeneza, i si ba bizela kwa Ngazingani, umuz' omkulu ka Mapoloba, e-ti a ku-zo-tetw' icala,—u pel' umbango lo.

Kute, ukuba ku be njalo, a ba ka Mgabi se b'enz' icebo lo kubulal' uSirayo, be-t' umbang' u yo nqamuk' u pele, nxa be m bulala la be bizelwe kona. Kwase ku cingw' umuntu-ke o kw-azi kahl' uku-ciba, oti, ma ku vel' inyamazane, nxa ku zingelwa, a nga papalazi. Baze ba m tola-ke; uSihlanu igama lake.

Ayes'e hamba-k' amabandhl' omabili, e li ka Mgabi i si bulala yena,—ingani kad' e ng' ahlukani ne Nkosi." Na loku si ku tata ku Grout, yen' o wa ye-zwa nga bapambili. *B. uBaxoxele*, 184.
¹ Umoya lo, ku-tshiw' uTshaka, impi yake le ehlez' i hlasel' ezizweni zonke. Si kona-ke fut' esiny' isibongo si ka Dhlungwan' e si pat' umoya, sokuti: "uSipepo tshunguza nga seMkandhlwini."

Zi se zining' izibongo zi ka Tshaka eziny' e zi sa sele.

ne li ka Sirayo; a se banga kona lapo la ku-tiwe ku yo hlanganwa kona, ku kulunyw' indaba. Ute ukub' a fike lap' uSirayo, u se hlala na bakwake. Izihlangu ba zi beka pansi bonke, uboya bazo bu be ngapansi,—loko kw-enzelw' ukuba, nxa ku vel' isidumo, batshetshe ba zi tate. uMgabi u se hlal' eduze kwabo; naye u kwe lak' ibandhla.

Kute, kusate kancane nje ukukuluma, ku kulunyelwa pambi kwe nduna, so ku sukum' uSihlanu lowo, masinyane, e pet' umkonto. U se wu ciba nga sona leso sika-tshana, u cib' uSirayo. Ka wa ngena kodwa; wa hlab' esihlangwini ā si bek' eeleni kwake.

Lase li suka pansi kanyekany' ibandhla lonke; la citeka. I si dumelana-ke kona lapo; ku-lw' a ba ka Mgabi, ba-lwa na ba ka Sirayo. I si gwazan' nge mkonto. Kwaze kwa pel' abant' abaningi, nhlangoti zombili. Kwā geina ngoba ku xotshw' e ka Mgabi, i xotshwa a ba ka Sirayo. uSihlanu yena ku-tiwa wā sinda.

U se-zwa-k' uTshaka ukuti ku ya bangwa ngalapa nga kwa Nyuswa; se be bulelene; ka ku vum' ukuba ba hlangane, ba colelane—ngoba kwa bangwa kakulu, kwaze kwa isikat' eside be xabene. U se ba biza-ke "uDhlu-ngwane wo Mbelebele, o dhlung' emanxulumeni, kwaze kwa-s' amanxulum' e sibikelana"; u-ti ma be-ze be vunule, be vunule njenga nxa be gubel' uMapoloba.

Kwa-yiwa-ke kwa Bulawayo; a hamb' omabil' amabandhl' e pelele. U se-ti-k' uTshaka, a b'ak' umkumbi. uSirayo-ke u se-ma ngapambi kwa bantu bake, pakati nabo; no Mgabi w-enze njalo. A se hlangan' amabandhl' emkunjini, ngob' uhla lo mkumbi lunye. Be-mi bonke; ba xelile.

iNkos' i si-ti a ku landw'inja yayo,inja yo kubek' amakosi; i tatwe, i-siw' emkunjini lapo. Nembal' i si

ngen' emkunjini. I qala nga la ku gcine ngakona a ba ka Mgabi; ihamb' i ba nuka, i ba nuka. I si muka njalo-ke ngo-hla, iz' i fike kuy' uMgabi; naye i ya m nuka, ibuy' i dhlule; isiz' i fike-ke la a ba ka Mgabi be hlangana kona na ba ka Sirayo. I ya dhlula futi lapo; i si ngena kwa ba ka Sirayo; nalapo ihamb' i rogela. Yaze ya fika-ke ku Siray' uqobo lwake. uSirayo kodwa yena ka yi m nukanga, futi ka i dhlulelanga pambili; ifike ye-ma nje. Ya i si lala pansi, kona ngapambi kwake.

Konke loku kw-enziwa nje, iNkos' i ya bukela. Nansi-ya la i hlezi kona. uSirayo wa ye vunule nge gwalagwala, uMgabi e vunule nge ndhlazi. E se-t' uTshaka: "I kon' inkos' ek' i vunule nge ndhlazi na? Inkosi nans' e vunule nge gwalagwala,"—ngob' iNkosi ya i-te ma ba vunule nge mpahla yabo yo Mkosi. Bala-ke, ba vunula ngayo.

iNkosi i si-t' inkosana ka Mapoloba uSirayo lo, okute, ngo kufika kwe-nja kuye, e semkunjini, ka ya m nuka, yasimze ya lala pansi nje; naku futi yen' u twel' igwalagwala, kant' uMgabi u fak' indhlazi.

Ye-nel' uku-tsho njal' iNkosi, ya i si bek' elokuti ka bulaw' uMgabi. uSirayo u se-ti-k' eNkosini: "Ngasita! uMgabi lo, Nkosi, umnta ka baba; u be bānga nje nami. Be ngi nga-tsho min' ukut' a nga bulawa ngaloko." U se yekwa-ke. U sinda ngob' e kulunyelwe umfowabo.

Kwase kuti-ke, ngemva kwa loko, uTshak' u se m bek' uSirayo, e-ti ma be induna yake ya so-Badaneni (umuzi we Nkosi o wa w-ak' ezweni la kwa Nyuswa). Kwa-tiwa-ke futi, akube ilok' e yi letel' ugway' iNkosi; kw-eq' isikatshana, abes' e yi bopela fut' umtwal' omunye wo gwayi we-zwe la seMamba, won' u mmandi. Wa ye s'enze njalo-ke; kwaze kwa dhlul' imnyak' eyisitupa ku-mi nga leyo ndhlela.

Kute, ku njalo-ke, kwase ku suk' uNomazocwana ka Ndela be no Mgabi, se be hamba be yo m ot' eNkosin' uSirayo, ngoba ba be sa m zonde njalo. Se be-ya-ke ku Tshaka, se be-ti: "uSirayo u qal' a gezele ku wona lo gwayi iNkos' e ya-ti ma yi letele wona, kand' ukuba a wu bope-ke, a wu lete ku wena." Nga leyo mnyaka, iNkosi ya kwa Zulu ya i lalala ma umunt' e-za kuyo ngasese, e zo hleb' omunye; i bi si-ti lo ohlebayo, u kulum' iqiniso.

U se-ti-k' uTshaka: "Ni qinisile. Ku ya bonakala. uSirayo u ne tunz' elikulu. Lap' e qamukayo, ngi qal' uku-m-bon' e-za ne bandhla lake, e nga m bekela lona, bese ngi tshaywa uvalo. Nga m bek' induna yami ya soBadaneni. Abant' a ba petwe uyena, ba soBadaneni, ba w'ahlul' onk' amabandhl' ami; ba ya tukutela, ba ne sibindi. 'A bā-lwi na sigaba. Ba ya tshis' a ba petwe uyena. U linganis' ukw-enzani? A ku hlom' imp' i yo m bulala."

Ya i si hloma-k' impi, i yo m bulala. Ya yo vimbe-zela. Ya m zuma; ngoba ba y'azi ukuti ba ya tukutela,—ba na mandhl' abant' a ba petwe uSirayo. Ya i si suka-k' imp' i yo ku-lwa; i ningi kakulu ku ne ka Sirayo.

Yafike ya b'ahlul' a ba ka Sirayo, ya ba xotsha, yaze ya ba fikis' oTukela. I si ba pons' esiziben' oTukela oSirayo ne bandhla lakwake. Leso siziba-ke ku-tiwa ku kwa Nabane. Na namuhla loku a ba kwa Nyuswa, nxa be funga, ba-ti: "Ngi fung' inkos' i soTukela;" koku-nye, ba-ti: "Ngi fung' inkos' i kwa Nabane." O-tsho njalo-ke, usuk' e se tukutel' isibili.

E ka Tshak' impi ya i nkulu kakulu. Kwā-liwa pezu kwe siziba leso. Yā-lwa kab' impela; kwa-f' abant' abaningi. E ka Tshaka ya geina ngo ku-ba-tel' esizibeni nge dudu, b'enza ngoba bona be baningi kakulu.

uSirayo-ke naye wā-fela ku sona leso siziba.

14

AMAQAW' AMAKUL' A KWA ZULU

(a) uMvundhlana ka Menziwa

(wa kwa Biyela)

uMVUNDHLANA wā zalwa uMenziwa ka 'Xoko ka Ndaba ka Punga, wa kwa Zulu; unina ku uNgazi, intombi ya sema'Beleni. uXoko lo wa puma no nina kwa Nobamba, e se yo kw-ak' umuzi wake wa kwa Mbiza.

Uyise ka Mvundhlana, uMenziwa,¹—

iNjiyezi yakiti, ka Xoko,
Et' ukw-aka ya jiyeza;
E jiyez' abantu nga seMbuyeni,
Na kwa Gwabalanda;
uMbeng' o sind' abosi,—

wayed' e vikel' abantu bakubo nxa uTshak' e fun' uku-ba-bulala; e-nqaba ukuba ba bulawe, noma b'onile. U se-ti-k' uTshaka: "Wena, Menziwa, ku ya bonakal' ukuti ka u se wakiti lapa kwa Zulu, ngoba w-ala no munt' e be si-ti tina u fanel' uku-bulawa. A kusale se ku-tiwa manje nina *ni nga ba kwa Biyela*, ngoba nak' abant' ulok' u ba *biyela*, ngo ku-ba-kulumela.

uTshaka ka tatanga ntombi ya kwa Biyela, uku-y'enz' umfazi. Wa ba dabula ngo mlomo kupela. uDingang' o wa dabul' okwempela ngoba, kwati ku hleziw' eMgungundhlovu, wa bon' intombazana ya kwa Biyel' i-nhle; wayes'e y'enz' isixebe sake-ke. Leyo ntombazana kodwa ka yi ganang' eNkosini; yā ba ingodosi nje.²

¹ Wa ye induna ya seMkandhlwini, umuzi ka Tshaka. Lowo muzi wa u ng' akile nxa ku sa bus' uMpande. Uze wa vuswa uCetshwayo; ba wu tshisa kodw' abeLungu, nge-mpi ka 1879.

² Li kona kodw' izw' elinye elit' a ba kwa Biyela ba datshulwa uSenzangakona. Wā bon' odadewab' uXoko be bahle; u se m enz' umfazi-k' omunye. Ku njeng' elinye fut' eliti, uXoko wa zalwa uMntsha, uMntsha-ke a zalwe uyise ka Ndaba, uPunga.

uMvundhlana wa ye liqaw' elikulu la kwa Zulu; e no dum' olukulu. Ibuto lake, uMgumanqa. uTshaka u bekwe wa ba iNkosi ya kwa Zulu nje, e vela kwa Mtetwa, wa ye bekwa ib' oMvundhlana laba be na banye; na sezimpini zake zonke, ku-lwa yena.

Eyon' e ya m tolis' udum' olukulu, é ya kwa Ndwandwe, ka Kisi. Leyo ya qalana kwa Nomveve (pakati kwa seNtumeni no Mhlatuze); ya i si yo-lwel' eMhlatuze, pezu kwo mfula, na semanzini pakati, ku bangw' izibuko. (B. uHlangakula, k. 9.) U kona njal' uMvundhlana kuyo yonke leyo.

Kwati-ke, ukub' i gqimuke e ya kwa Zwide, i welele ngapetsheya yonkana, base be yi joja ngasemuv' a ba kwa Zulu, be yi landela. I landelwa ib' oMvundhlana. So ku-hlwile-ke nga leyo nkati. Yena-ke lapo, u se hamba ne xiba nje lakwake. Bede be cinga la impi le, a ba yi xotshayo, ihamb'i ngenisa kona. Ba bona ku basw' umlilo, ngoba izwe la sehlanzeni. Nabo-ke ba wu base.

Ati-ke yena, nxa e se wu base waze wa mkulu, u se ba tshiya (ixiba lake leli), u se dhlulela pambili; u hamb' e se yedwana-ke lapo. U ya fika la ku ngenise kon' abafo (e fumana be hlezi pansi, b'ot' umlilo) u se ponseka pakati kwabo. Ut' e-nze njalo ab' e-tsh' isiga sa kwa Zulu. Ne sabo fut' u se si fundile. U se ba gwazagwaz' e ba xotsha, kanti yen' u yedwa qwaba. Ba y'etuka lapaya emuva (a be xiba lakwake) se be bon' e ngaseko. Ba ya fika le pambili, se be m bon' e nga sezidunjini lez' eziningi za bant' a ba buleleyo. Abuy' a dhlule fut' a ba landele; a pinde kona loko.

Ku-tiwa a ba kwa Ndwandwe wa ba dhlulis' eLangwe, waze wa ba pons' eMfoloz' eMhlope; ehamb' e ba gwaza njalo, kon' ebusuku.

Kwake kwat' e se tungil' uMvundhlana, e se ikehla, wa-t' uTshaka ka gund' isicoco, a si sus' ekanda; abuy' a yo xez' ubisi. Nembala wa kw-enza loko. Izinwele zake, ukutungwa kwazo, za bekiswa pezulu, z'enziw' imbenge. Ukutung' okunjalo-ke ku-tiwa ukw-enz' *ingqu-ngqu* (imbenge).

Inkosana ka Menziwa kwa ku uKonjwayo. Wa m kipa kodw' uTshaka, wa-t' inkosana a ku be uMvundhlana, ngob' e liqawe, e hlabanela; e hlakanipile futi. uTshaka-ke u se mu-p' izw' elikulu, elibanzi, nga seMtonjaneni. Wā bekw' induna ye Zinyosi, se ku ku Dingana.

Amadodan' amany' a ka Menziwa nawo a ye ngamaqawe; ku uMvundhlana kodw' o qame kakulu pakati kwabo. uMvundhlana lo wa ye mfutshane, e nsundu; e ngango Dumezweni nje ka Mkosana, wa kwa Biyela. Umzimba wake wa a lingene nje; e ne simongwana.¹ I ya pela-ke lapo, e ka—

Ndonga ze Langwe!

Zi mawa, zi makelekete!

Ngi ya zi biza, zi ya sabela,—

Zi sabel' uPunga, zi sabel' uMageba.

O neitshw' itshoba uDhlungwane,

Waye wa li-piwa uMacingwan' eNgonyameni.

uNgungwin' u zo baleka,

Izwe li zo baleka lonke;

uNgungwin' u zo buya,

Izwe li zo buya lonke.

uMnqamul' abant' amahlambi,

O njeng' o ka Mmbelwana.

uNkomo zi makanga,

Zi kang' uMtweni, o zalwa uSitibela.

uSigod' o 'buxeka emhlanganisweni,

Pakati kwe Nsuze no Tukela.

uSibopo ka si hlangani.

uNomahlanjana, o njeng' o ka Zwide;

iSinikiniki, e si qed' abeSutu ba kwa Nkentshane.

uMbeduka njenge sona.

uTshoba le nkom' emhlope ya kwa Nandi.

¹ Isipongo.

uMvundhlana, e se inkosi ya kwa Biyela, wa ye nga bulali. Wa ye busa kahle nje. Ukubusa kwake, u be m biza wonk' uBiyela, ngob' a s'ak' imfulamfula nje. A ba bize bonke. Ku gayw' utshwala-ke; utshwala bu be ngange-zwe. Ku be ilowo a zi bukudele nje umuntu. Abes' e but' izinkunzana ze zinkomo, e zi zo hlatshisw' amabuto. Kut' abanumzana, ba hlatshisw' izinkabi. Abafowabo, oMagidi ka Menziwa, no Mtiyaqwa ka Didi ka Menziwa, ba hlatshisw' izinkabi. U se mem' inqina-ke. U se-t' inqina a li qond' eMkandhlwini (umuzi wake), lap' i yo hlangana kona, i pakelwe kona.

(b) uNdengezi ka Kuzwayo

(wa kwa Mdhlalose)

uNdengezi wa ye liqawe li ka Tshaka. Wā hlabana ngo mhlanganiso ka Ndwandwe, empini ka Sikunyana, inkosana ka Zwide.¹ Wa qom' umzila we-mpi. U hamba njalo, u ne xiba lakwake. Ufike wa yi xotsh' impi ka Sikunyana, kad' i-lwa na mabandhl' amanye (ka Tshaka); i si wa bulele. Wayes'e ngen' eNtonteleni-ke yena, e s'alwayo. Ku-tiwa, nxa e ngenayo empini ya kwa Ndwandwe, wā-ti: "*U ya babaza! (e-tsh' uTshaka); u ya babaz' uDhlungwan' o nge na mtelekeleli!*" Wa yi ngena ngo ku yi dumela. Wa landelwa isigaba sakwabo sonke, e si intanga ka Tshaka (amaWombe). Wa si twal' isihlangu; wa si 'bekisa pezulu. We-nel' ukw-enze njalo, ye suk' impi ka Sikunyana, ya baleka. Ku hlaselwa lapo njalo, uTshaka wa ye-te: "*O yo gwaz' umhlanganiso ku leyo-mpi, u yo xotshisw' izinkomo e zi yo gewal' isigodi; e zi ya kw-elek' induku pezul' emhlane, i nga-wi zi hamba.*"

¹ E ya-lwa ngo 1827.

I si buya-k' impi, i si-za kwa Zulu, uSikunyan' i si m ahlulile. uTshak' u se li xotshisa-k' iqawe lake. U se-ti: "Nazo-ke, mnta ka Kuzwayo, izinkom' e ngi ku xomela zona, njengo kutsho kwami." Ka za gewala kodw' isigodi. U se zi tata-k' uNdengezi. U zi tate qede, wayes'e z'abel' izinsizwa lezi ze xiba lakwake, e za zi-m-lwela. Wa ba-pa zonkana; ka ya sala ne yodwa ngakuye.

U se-zwa-k' uTshak' ukut' uNdengezi izinkomo u z'enze njalo. U se buza-k' uDhlungwana ukuti: "U kw-enzelani loku na? Izinkom' e ngi ku-pa zona, wen' u zi nik' abanye na? Loku mina be ngi-ti ngezako na? Nembal' u kw-enzile loko na?" Wa vum' uNdengezi, wa-t' u ba nikile; u ba nike ngoba, kute nxa e hlabanela, u be hamb' e nyatel' emeveni; ameva la a m hlab' ezi-nyaweni;¹ ayes'e kunyulwa ilab' a ba be naye.

U se tukutel' uTshaka; u se-ti: "Ngi ya bon' ukut' u sola mina ngo kw-enze nje. Ngingahle ngi ku bulale kona manje. Kodwa ka ngi tandi na ku-ku-bulala, mnta ka Kuzwayo, lo' kade u liqawe lami, u ngi hlabanela. Ngi-ti hamb' u-dhliwe intaba."

U se goduka-k' uNdengezi. U ya fik' ekaya, u se gwaz' izinkomo; e z'enz' igabe.² U se ket' abafazi bak' abatsha ababili, noma ba be batatu; u se tat' udibi lo ku-m-twalel' impahla, no ku-qub' izinkom' a yo hamb' e zi-dhl' endhleleni. Bala-ke, u se hamba-ke, ukupela-ke.

Kwangat' u qond' eMdhlazi, emaMpondweni. Kwati, ngo kufika kwak' ezweni la seningizimu,³ wa-dhl' izinkomo ze mizana ya maLala. Ba m hlabel' umkosi. Wa

¹ U-tsh' imkonto ya bafo.

² U.t. Za pekwa nge lang' e zi hlatshwe ngalo.

³ Ku-tshiwo lona leli la seNatala.

hloma yena; wa puma ne sihlangu; wa twal' umqele we-mpi; wayes'e yi xotsh' imp' ebet' i ya m kaka. Wa y'ahlul' eyedwa nje. Abanye ba-ti waya wa tshona le enyakato, ku Mzilikazi ka Matshobana. Wayes'aka kona lapo-ke. I si yand' i ba ning' impahla yake; waze wa tola ne sizw' esikulu ku leyo ndawo. Usez' a-fele kona-ke.¹

Enxiweni lakuqala la kwa Bulawayo (kwa Ndhlaya-ngubo) [*B. uTulasizwe*, k. 18] ku kon' isisele eduzane na lap' isigodhlo sa si ngakona. Na namuhla, leso sisele si se kona; si isiyingelezi.² Nati nje, sake sa si bona, ngo *January*, 1914. Ku-tiwa-ke izinkom' e za zonyelw' uNdengezi za ngeniswa lapo; ne za zi zonyelw' amany' amaqawe, a njeng' oZulu ka Nogandaya, no Mvundhlana ka Menziwa, no Xwana ka Ngqengelele, za zi telwa lapo.

Ukuti 'Ndengezi' a ku gamu ngempela; isibongo; e li ka yise mkulu ka l'aziwa. Ku-tiwa kwa qala kuy' uku-tiwa: 'Ndengezi', 'Ndengezi-matshumi'; ku-tshiwo izindengez' a ncinda kuzo ngob' e bulel' amatshum' a bantu. Isibongo sak' esinye: *Umdaka ongaz' u ng'oma*, ngoba wa ye yi puma njal' impi; a nindwe ngo daka-ke nxa so ku-liwa.

(c) uNyambose ka Mangondo

(wa kwa Magwaza)

uNyambose wa ye liqawe li ka Mpande; i m tanda kakul' iNkosi. Ubet' e fik' eNkosini, abes' e qalelw' igula. So ku-tiwa: "uNyambose uyauz' e-nze njani ezimapotulweni" (u yo zi hlafuna kanjani)? Ku-tiwa

¹ uNkayitshana, umfowab' uNdengezi, wa bulawa uMpande

² E si ngama-yard a itshumi ne sihlanu (15), ububanzi baso.

ku tandeka ukub' a-dhl' amasi. U jabuliswa iNkosi, ngob' e liqaw' elikulu layo.

Wa ye iqaw' elikulu. Umzimba wake u nsundu ngo kukanyayo. Wa ye sendimeni ya bantu; e lingen' umzimba wake; e gwele nje kodwa.

Wa gwaz' eMaqongqo. Yonke-ke imp' e pumayo, kufike ku bikwe ngay' eNkosini.

Mhla e se bulawa, w'otiwa uNdabakawombe. Ba yo m ceb' eNkosini, be-ti u kuluma ne sigodhlo, be m qambela. Be-t' u kuluma na makosikazi futi. iNkosi ya i si biz' uQetuka. I si-ti: "U ya ku-zwa loku o ku kulunywa a ba ka Ndabakawombe na?" uQetuk' u se-ti: "Qa, Nkosi, a ngi ku-zwa." I si m tshela-ke. I si-ti: "A ba ka Nda-bakawombe ba-t' u kuluma ne sigodhlo na makosikazi. Kodwa-ke mina ka ngi boni. Ngi-ti-ke mina, Qetuka, hamb' u yo m vusa, umnta ka Manqondo."

U se-ya-k' uQetuka, e ya ku-m-tshel' ukuti: "Be ngi bizwe iNkosi, i ngi tshel' ukut' a ba ka Ndabakawombe ba-t' u kuluma ne sigodhlo. iNkosi i-ti eqa, u wele; a yi tand' uku-ku-bulala." U-ti-k' uNyambose: "Ng'e-nzeni? Ngi nga wela ngoba be ngi kw-enza loko, uku-kuluma ne sigodhlo." Wa-ti: "Ngeke ngi wele. Njengami njena, ngi uNyambose, iNkosi inxe i si ngi hlaba, i nga ngi hlaba nje. Ngi ya u'puma nje, ngi hlal' emganganeni lapa wami."

Nembala-ke. Ya i si pakwa-k' impi yakubo, kona kwa Ndabakawombe. iNkos' i bi si buzile ku Qetuka ukuti: "U m tshele njena na?" "Nkosi, ngi m tshele. U-t' angek' a lokot' eq' a wele. U-ti 'iNkosi, ince i ngi hlaba, i nga ngi hlaba nje kona lapa."

I si pakwa-k' impi. I si ya ku-m-bulala. U se tat' isiqepu sake se cansi. U se pumel' emgangan' e hlala. U se-ti: "Ngi dubuleni nge sibamu leso." Se be ya m

dubula-ke. Se ku ukufa kwake. iNkosi i si-ti: "Hau! Umnta ka Manqondo bese ngi m vusile, nga-ti k'eqe na! uNdabakawombe u se hlangene ngaye wonke na?" Kwa kupela-ke. Ya kal' iNkosi. U cetshwa oGasa ka 'Topi.

15

IZIBONGO

I

IZIBONGO lezi ubunzima ba bantu; o ku bonakalayo ukut' umunt' u se kulile, u se indoda-ke kaloku; e se bongwa-ke. Zi ya qal' uku-vel' e ze-mpi, zi vela ngob' e se giya, e se kulile. Ngob' ukugiya loku umsebenz' omkulu, wo ku-hlakanipis' abantu.

U bongwa nje-ke umuntu, ku ya bonakal' ukut' u y'enqeniswa; u nqeniselw' ukuti 'loku ngi bongwa kangakāya, a ngi hlabane-ke kakulu'. Abaningi laba, ba-fa ūko, ngob' umuntu uya e nqen' izibongo, abes'e zi ponsa ku bafo, pakati. U se qub' izibongo, ukub' eNkosini e se yo vel' a be idangadanga. Idangadanga ikoza, ūba ne Nkosi izaut' i hlezi, ib' i m bonga,—ukut' amaqaw' asekutini, a no bani no bani.

Njengo Manyosi ka Dhlekezele, iNkos' ibis' i m bonga, e lele nge sisu, alitshay' a li qwate itole le nkomo, o yi nikwa iNkosi. Ku bonakal' amatambo nje. No mfokazan' o m pekelayo abes' e nikw' amatambo nje, e se qat' amatamb' amhlope; asetshaye wa yi qed' inkomo. Uhlangoti lwe nkomo a-ti lu m lumis' isisu, ngoba k'esuti.

I m bongwe-k' iNkosi, i-ti: "Ha u-zwe-ke,—

uMfo ka Madhlekezele ka Matshiba!
uMgquma-ngazini;
uMagwaz' engungwini;
Ukubuya ka ku balwa.

Izimu lakit' eNyangweni,
E li qed' abantu ba ka Matiwane;
La ba tela ndawonye na ba ka Sompisi."

uManyosi wa ye iSizebe, ibuto lake; e induna ya se-Sizebeni. Ukulala loku nge sisu, wa y'enziwa ukuminza. Ukuti, *Sō bohla Manyosi*, kwa tatela kuyo yona leyo ndoda. Ya i kon' indodana yake e uSōbohla.

Ukubutwa kwa bantu, njengokuba kusuke kwa butw' ibuto nje, se be bongwa-ke njal' abantu. Ba ngakaya njeya, ba ne zibongo bonke. Kak' o nga giyiyo. Ngob' ukugiya loku kwa ku zamazis' izwe, li be nzima. Ngoba ku ya tukutelisa. Ba tukutele ba jiye; ba be impi-ke. Ku bonakal' ukuti na kw-enkul' impi, nalapa ku kubi kona, se be ya ku-zi-ponsa.

Ukuhamba kwe zibongo ku ba njalo, kaduba ba ya hlabana, be hlaban' impi; sekut' amagwala la, a be nga hlabene, a se zo kw-apucwa, a-pucw' izibongo. Bese zi bong' iqawe leli elihlabeneyo. Akuse ku ba ezake lo o nga hlabene. Se zi bong' iqawe. Sekuba ukupela.

Sekuyoti, ku ngomuso, u se zi ponsa. U se-ti impi a yi bikwe ngay' eNkosini, ukuti, it' i sa hlangana, wayesehle wa m lahla pansi. Ya i si m buyela-k' iNkosi; i si zo m hambisa ng'ezake, ngo kugwaza kwake.

Izibongo lezi, ba be bongwa nje abantu, zi b'on' inhliziyi, ukuba ba tukutele, ba be amadod' impela; ba qinisele na ko kubi. Ngoba be ku kuhle ku hleziwe eNkosin' ebandhla, iNkos' i bi si-ti: "Dhlala, bani ka bani!"

Izibongo a zi kete muntu munye, ukuti nang' o qamb' izibongo. Umunt' u bongwa ng'ōwabo, intanga yake nje. U ya hlabana nje, se wa bongwa ngapambili, ng'ōwabo. Ku ya qamuka-ke impi, u s'enqenile, u-ti 'ngi ya u'lahl' izibongo zami ngi nga baleka, ngi nga sa gwa-

zile.' Njengo Hlokolo ka Nqabeni ka Zwide, wa kwa Ndwandwe, e bi m bong' iNkosi, ku hleziw' ebandhla. I m bize, i-ti: "Dhlala,—

Ngoma ya maNdwandwe na maNxumalo;
u-'Kolo vundhl' imgwaqo;
uMagwaz' e ruda, njenge bubesi!"

uHlokolo lo, wa ye uTulwana. Wa bulawel' esangweni kwa Nodwengu, nge-mp' enkulu ka Cetshwayo, e ya-lwa na beLungu (1879).

Isie' esikul' ukugiya, ngob' abantu beti be kula, be se zinsizwana nje, bese be naz' izibongo zabo zo kugiya. Se be ne zibongo zabo kwa banye. Sezingaze zi tuluswe é zo buqawe, umunt' e se hlabene; e se bongwa nge zici zake osuk' e z'enzile.

Yā-t' iNkosi (uMpande) i si biz' uHōho ka Mandaka, ya-ti: "Lu ye-zwakala nje,—

uHoho lu ka Mandaka?
uGanganana!
uNkuni ze liba ka z'otiwa;
Ukutamba kwa ng'imfe ye dobo;
uNhlala zidunjini zā mhlope;
uMxakeni wa nsuku!"

Ukubonga ukutus' umuntu, ukut' ubani ka bani, kwāt' endawen' etile, wa gwaz' ubani ka bani lapo. Se be m tungela njalo, be m tungel' izibongo, nga mazi-buko ekade be wa wela. Ukuwela loku, ukuti, 'kwati nge ya sokutin' impi, sa wela nge zibuk' elitile.' Ku-tshiwo won' amazibuk' e mfula, ngoba, pela, ka yi yeki ukuhambihamb' i wel' emfuleni.

Ezibongweni za maqaw' a bantu, a wa bik' amazibuko la. Ku wezw' iNkosi nga mazibuko, ukuti "wā wel' umfula wokuti, wa wel' umfula wokuti." Ngob' ubuqawe bayo ūkuhlala kway' ekaya; i yi pake qede, ya hlala; i si wel' umfula nje, i si pat' ezayo-ke (iNkosi),

izibongo. Ku muntu kungeze kwa-tshiwo ukuti “wā wel’ umful’ o ukuti, wa wel’ umful’ o ukuti.”

A ku vumi ukuti ku muntu “wa wela nge zibuk’ e li ukuti, e li ukuti.” ‘O kwe Nkosi yodwa uku-ti: “Wā wel’ umful’ o ukuti, wa wel’ o ukuti.”

Ku fana no muntu ongati, nxa be kuluma, ahl’ a vele ne-zwi omunye, a-ti: “Ku ukuti bani, ingab’ ub’u-ti na;” kant’ u se m sekela njalo. U se-ti-ke lo osekelwayo: “*Wa ngi weza!*” (ku-tshiw’ uku-wez’ ezibukweni).

Ku njenga ne-mpi, e fika ku gewel’ umfula, i si ya weziswa. Ku vel’ izinhambi e zi yi tutayo, zi yi tutele ngapetsheya. ‘Ukuwezisa-ke loko. O ku njenga secaleni; um’ umunt’ e m sekela nge gam’ ecaleni, e-ti: “Qa! Ubani ka-tsho njalo, u-ti. . .” U se m weza-ke njalo.

Ukubonga úkuweza nga mazibuko. A ku sigaxa esingakanani uku-bong’ umunt’ u m geine; u bu su yo tat’ omunye u m geine; u bu su yo tat’ omunye. U ba weza nga mazibuko-ke njalo. Kungeke ku bonakale isigaxa, e si njenge langa. *Amazibuko izic’ a z’enzayo; njengo kugwaza kwake.*

Yait’ iNkos’ i nga-t’ eqaweni: “Dhlala bani ka bani,” isuk’ i si m weza nga mazibuko; kodwa a ku na sigaxa; a ku into e bonakal’ emehlweni.

Izibongo lezi, ukuntela nje; njengokuba kusuka ku ntel’ umuntu nje. O ku njengo kuqamb’ igamu nje, lon’ e li ‘xuma li xum’ izinhlamvu zalo. Lize li vunywe abantu; ba li hlabelele.

Ba ning’ abant’ a ba hlabana kakul’ empini, badhlule ba nga wezwa muntu, ne Nkos’ i nga ba wezi; izici a bā z’enzayo bese zi tshona-ke, zi kohlakala. Ukuweza loku ku fana no kuwez’ umunt’ emfulen’ u gwele. Ngoba

no mfazi a nga yi tshel’ indod’ ukuti “ó pendul’ u-t’ endabeni;” bese lifika li qina njal’ emadodeni. U se m wezile-ke. U wezwe umfazi wake.

Izibongo lezi into e notis’ izwe. Iwona mbuso wa kwa Zulu. Izwe leli li ba nzima ngako, ngaz’ izibongo. Ngoba ne bengake ba yi bon’ impi, ba ya bongana. Be-nel’ uku-yo-xeza, ba ya butwa, ba ya hlangana; so ku ilo u ya giya, u giya nge zibongo zake. Ukubani njalo, engēke a nga giyi umuntu. Ka giyi nje-ke, w-esab’ ubugwala. Ivaka a li giyi. Ngoba zi ya tukutelisa. U se zo kumbula zon’ izibongo kon’ empini, ukuti a ngi se ku-ba muntu waluto ngi nga sa hlabananga. Ngob’ izona e zi vez’ ubulomo eNkosini, ukuti: “Dhlala bani ka bani; öte, wāti!”

Inxa, kube zi ya yekwa, umunt’ e nga giyi, kaz’ ukusuka na nwele. Ngoba, pela, e nga sa hlabanang’ umuntu, u be cwiliselw’ inyam’ emanzini odengezin’ olukulu lwa magwala,—y-osiwe y-osiwe, i bi si fakwa kwa banday’ amanzi. I si y’enyulwa kona-ke. I si nikelwa won’ amavaka (amagwala) lawo. Kunjalonjalo, i ya ba cij’ iNkosi. Se be songa nge zinhliziyi njalo, ukuti, “kaz’ imp’ i yo qamuka nini na? Ngi pume ku le nyam’ enjena na?” Ka ba sa giyi no kugiya. A ba sa bongwa na muntu. Kuti lap’ et’ u ya giya, a nga bongwa muntu. Ba tule nje abantu, ba nga m bongi, inxatshan’ e nga sa gwaziw’ ekwapeni. Ngoba, ku Tshaka, be be-ti umuntu ka banjwe, a pakanyisw’ ingalo; ku-tiwe: “Ake ni m-zwis’ umkonto, lok’ e w’esaba kangaka.” Abes’ e gwazisw’ o kwe mbuzi; a bulawe.

Iyot’ i vel’ impi, bese ku hlabana bona lab’ e be be cwiliselw’ inyam’ emanzini. Iyot’ i vel’ impi, ebes’ e zi lahla nje umuntu. U zi lahla njalo, u se-ti kumbe a nga puma ku le nyam’ ebandayo e cwilisw’ emanzini.

Isizaut' i bikwa lap' eNkosini, i bikwa ngal' igwala, ukuti: "Baba, it' i sa hlangana nje, wayesehle wa m lahla pans' umfo ka bani. U pumil' odengezini lwa mavaka, Nkosi! "W-enze njani na?" Se be yi qubela-ke. iNkos' i si m bonga-ke, i si-t': "U se pumile-k' odengezini. Ningabe ni sa pinda ni mu-pe ku leyo nyama ya magwala. A-dhle kwe ya maqawe."

Kube ku ya butwe lelo buto, se li bongana ngaz' izibongo, kona li nga ka pum' impi, ne Nkos' isizauz' i buze ko muny' ukuti: "U giya nga lez' izibongo njena, u ya u'hlabana ini?" A-ti: "Nkosi, O! Ngi yo hlabana, Nkosi!" I-ti: "Ngi-tsho ngob' u giya nge zibongo ze qawe."

Amaqaw' a kwa Zulu a ye nga bongwa kakulu; ne ze qaw' elikulu za zi ba mfutshane. Amakos' o mhlabati, uTshaka, no Dingana, no Mpande, a ye nga tandi; ed' e-ti: "Funa lize lingabe li sa hlabana ngomuso, li-ti: 'Se zi ning' izibongo zami; manje a ngi se kuhlabana.'" E zi ka *Nozitshada* ka Maqoboza zi mfutshane (*B. uHlangakula*, k. 41); ne zi ka *Zulu* ka Nogandaya (*B. uBaxoxele*, k. 101); ne zi ka *Mvundhlana* ka Menziwa (*B. k. 88*)—bonke labo amaqaw' amakul' impela.

Ku njalo-ke ukuhamba kwazo, ubunzima bazo; ukuba kw-aziwa ukut' umfo ka bani, u giye nje, u ya ku-ba ne nhliziyi yo kuhlabana. U giya nje, ka hleki. U se tukutel' e-file, sengat' i nga vela kona lapo impi.

16

IZIBONGO

II

AMAGWAL' a cwiliselw' inyama kona komkulu¹ eNkosini, esibayeni. Ibuto li bizwe, l'enz' umkumbi, li hlale pansi; inyam' i si bekelw' inqwaba. Udengezi lolu lu seceleni kwo mlilo; izinceku se zi wu basile, u su dum' umlilo. Ngob' a ba nga ka pum' impi, abaz' uku-qala ba cwiliselwe; ku za u' cwiliselwa laba abaseke ba pum' impi, ba yi bona, bafika ka bā gwaz' abanye. Se be za u'linganwa udengezi. Ye-pulelwa ezingqokweni, le eosiwayo. I ya ketwa njal' e ya magwala, i fakw' emanzini, kon' ebusweni be Nkosi. Ku-tsho yon' uqobo lwayo, ukuti: "A cwiliselen' amagwala!" I-ti a ba-dhle yon' ebandayo. Sekuzaukuti-ke le enonileyo, e ya maqaw' odwa.

Amagwala lana, a ba be balekile, na ba yingaze pakati,—ka ba gwaza muntu. A ba hlomulile, a ba cwiliselwa. Ku ya bonakal' ukuti u iqawe naye, ngob' u gwaz' indoda, mhlaumb' i bi za u'vuka njalo, i nga-fi. iNkosi i-ti: "Iqawe lami, ngomus' u yo gwaza; ka suku-yi-dhla leyo ya sodengezini."

Nga semadhlozini, ilowo muntu u-fe nje-ke, u bongwa nge zibongo zake. *Ka zi-f' izibongo*. Zi ya hlala. Na bantabake, se be hlab' inkomo, ba m bonga ngazo, ukuti: "Yi-dhla, Baba! (Ote, wāti)." Zi njal' ubunzima bazo.

Ka butw' umunt' o nge na zibongo. We-nel' ukutomba nje, abes'e qanjw' izibongo zake. Na semadodeni lapa, zi hlala ngapezulu zonk' izibongo; se be-file bona.

¹ Kwa ku nga-tshiw' ukuti *kwomkulu*.

Ku-tiwa abafana se be ya u'reza nje-ke, se be za u'funda kon' ukugiyà njalo. Ngoba na mabuto abez'alwe ngak' ukugiyelana. Ba qalane ngokuti: "U giy' u-za kiti nje, u ya s'ahlula ini?" Aseyauz' a xabane njalo, ukuti: "A ba sekutini, ba ya s'eyisa!"

úNkulunkulu izibongo. Uhlanga lwa bantu lolu. Na ko kona, o nga-file, uzaufik' u kuleke, u m bongwe nge zibongo zake. U se ku-pa njalo no kudhla, ub' u m hlab' inhliziyu; wa m bongwe nge zibongo zake. Na bafazi bako se be za ku-m-azisa njalo, ukuti: "Hau! U m azi kahle lo munt' o m bongayo, ngob' u m enz' ubunzima."

Umuntu ka ze-ti yena; we-tiwa owabokazi nje, kanye na banye. Yena-ke angek' a zi weze; u wezwa abanye. Ne Nkosi, i m weza nje umuntu, isuk' i-zwe nga ba be kon' empini, be bukela, la e hlabanayo, lo obongwayo. Loko-ke, kubonga kwe Nkosi, so ku iko ukuwezwwa nga mazibuko; ngoba lo muntu, ku njengokut' u fik' emfulen' u gwele; u y'ahluleka-ke uku-wela, u ntul' izinhlabi e zi m wezayo. A ba m wezayo, ibo labake a ba be 'bekile mhla e gwazayo, a se be tshel' iNkos' ukuti lo muntu wāti wāti. iNkosi-ke yona i bi si m weza nga lawo magamu-ke.

Kakuk' umunt' ongahl' a zi weze yena. Na sekuweleni emfulen' u gwele, angaz' a wezwe zinhlabi. Na secaleni, ku funw' ofakazi. Ba ya m weza-ke njalo.

Ukubonga-ke loku *ukusekela*, ukwelekelela; futi ku qungis' umunt' isibindi; ku ya m vusa, ku m nik' inhliziyu; ku m kalipise.

Inxa ku bongw' amadhlozi, abafazi ba ya vunula. Ku be nzim' ekaya; ngoba so ku gaywe no tshwala; bu gewel' umuzi. Abafazi ba vunule nje, ba hlonip' oyise, lab' a ba bongwayo. Se b'embat' izingubo.

Ngoba ku kon' inkom' e hlatshelw' amadhlozi, ukuba

ku-tiwa: "Dhlanini, bani ka bani, bani ka bani!"
Ba bongwa ngazo lezo a ba-fa nazo; kaziko ezike zi qanjwe e se idhloz' umuntu, e se-file. Ukuteta loku, ku-tshiw' ukubong' amadhlozi, ngob' inkomo ya madhlozi ka yi hlatshwa ku nga bongiwe.

Ukubonga loku, ukukula kwa bantu. Ngoba, kungati e semncane nje, e s'alus' izinkomo, abes' e bongwa abany' abafana. Kokunye, u zo bongwa uyise wake nje. Kant' uyise u m bon' ukuhlakanipa kwake, kwa bany' abafana. U se zo ba ilok' e semlonyeni ka yise. Ikona kuhamba. Ba kuliswa ik' ukubonga.

Izibongo za bantu z'aziwa abakubo, be sifunda sakubo; z'aziwa abadala-ke, a ba intanga yake lo obongwayo. E za namuhl' izibongo ka zi qinile; a ku se zibongo za mkonto, zo kuhlabana,—za-mpi. Ezinhl' izibongo e za maqawe a ye-lw' impi. E za namhlanje izibongo zi izicatshana; so ku izibongo ze zintombi. Zi ya cabekeka; ka zi qotshami njeng' e ze-mpi.

Izintombi zi ya bongana nxa z'alusile, z'alus' izinkomo. Izintombi zike zi z'alus' izinkomo, inxa ku ngen' umkuhlane; ba ya hoyiza; ¹ ba tat' imitsha ya bafana, ba bince yona; na mabetshu, ba bince wona; ne zinene. Nembala-ke, u pol' umkuhlane; nokub' u nga kete bafana, u ku bantu bonke.

Abafazi ba bongwa nge zitakazelo za onina (a bā zi qanjwa ónina). Ngob' unina, intombazana u ya yi bongwa, no mfan' a m bongwe. Zi be zodwa e zi ka nina; zi hambe zodwa. Bonke ba nazo e za onina, ababe ba bongwa ngazo. Umuntu unina ka m kohlwa. Unin' u ya m bongwa. Na bafazi bako, uzaut' u ganwa, ba ku bongwe nge zibongo zi ka nyoko, ngob' u zo ba tshela zona, ukut' "umame wa ye ngi bong' e-t' ē-ti."

¹ Ukuzwaza.

Mina, umame wa ye ngi bonga ngokuti :

“Li¹ ya ku pangēla, Sobiko !
 O bikw' emanxulumeni,²
 Nga osididi³ sa onina ;
 Nga wa kwa Mabikwa-ntombili,
 O bikw' ukwaliwa,
 Wa bikw' ukutandwa.⁴
 Li ya ku pangela, Sobiko !
 E zi xotshwa uyihlo,
 Z'eqiwa intulo ye mpungazana.⁵
 Kad' u be, uMsukuzi⁶ we nsingo,⁷ io⁸ i kalipe,
 Ic' i kalipel' onina, izigwebanekazi ;⁹
 Nge za oSotshenge, wa kwa Nzuza,
 Nge za oMntuli ka Bongwa.”

Zonk' izizwe akuko lap' izimbongi zi ngeko. Ku tatw' umuntu wo kuzalwa nje, o zo b'azi bonk' abantu bakubo, e se ba-fa. A bongwe-ke. Ukub' angaz' a landwe iyo yonk' imizi yo hlobo lwakubo, nxa ku yo bulaw' izinkomo ; ku-tiwe a ku zo teta yena. Abes' e-ya njalo kuyo yonk' imizi. U za u'nikw' isixanti se nkomo, a

¹ Ilanga.

² Wā bikwā ku Manqondo ka Mazwana ngo kuzalwa kwake, ukuba ku funw' izinyanga zo kwenz' ihamvu e li zo-dhliwa unina (ngob' e zel' ingane yo mfana).

³ Ubuningi ba bafazi ba ka yise we ngane.

⁴ Le nhlamvu i-tsho ngoba, pela, umfazi kaz' a nga vuma ukut' u ya tandwa (indoda), ingani u ya bona nje ukut' u ya tandwa.

⁵ U qop' abany' abafazi. Ziyauti zi fika (izinkomo) bese z'abiwa, zi nikelw' abafazi bonke. Umyeni ufik' a zi nqamule, a zi nik' omuny' umfazi osuk' e se gugile, e se mpunga ezikaleni ; abes' e-ti-ke unina wa le ngane : “Z'eqiwa intulo ye mpungazana,” ngoba naku umnumzane uqale ngo ku-p' abafaz' abadala, andub' e-ze kuye (o se mutsha).

⁶ Ku qotshw' indoda lapo, ngoba kuzauti ku hleziwe nayo, bese be bonile ukuti i za u'mem' ubani (ku bafazi), e jwayelene naye ; ba zo m bona no ku-m-hlekisa kwake.

⁷ Indoda ; u fana ne nsingo epuculayo. Abafazi ba bon' uzamu e-hlel' esizibeni.

⁸ =ince.

⁹ Isikwele, okuti kube ku hleziwe, kube ku gwetshwana nge mlomo. O kulunyiswe indoda, a twal' icala, engab' e sa kulunyiswa abanye ; ba m tshay' unyube.

buye naso. Ku be njalonjalo. Zonke-ke izinhlobo ku njalo.

Amakosi a bongwa nge sici e si vele. Namhlanje, umunt' u se w'esaba, ngob' aisek' imizi yo ku-wa-bongel' endaweni yawo. Ngoba, pela, wa ye nga dhlaladhlali umuntu ngo ku-wa-bonga nje.

Izibongo lezi zi int' enhle, ngoba, nom' e se-fil' umuntu, baye ba m kumbule ngaz' izibongo zake. Na nxa ku tetw' amadhlozi, ku-tshiwo zona.

“Ku yo-f' abantu ku sal' izibongo,
 Izibongo ziyosala zi ba lilel' emanxiweni.”

Ngoba, ne ngane yak' umuntu, a yi zalayo, iya i bongwe zon' izibongo zake, yen' uyise. Zi ba lilel' emanxiweni nje, ka zi peli zona. Ka zi satshwa ukuti, “umufi lowo.” Udhlul' a bongwe ; abantabake ba m bongwe nje.

17

IZIBONGO

III

UKUBONGWA KWA MAKOSI.—Imbong' enkulu ya kwa Zulu, e ya i zi dhlula zonk' izimbongi ngo kubonga, kwa ku uMagolwana ka Mkatini, wa kwa Jiyana.¹ Bonke, oMtshongweni (imbongi ka Tshaka) ; no Maqayingana ka Lutoludala ; no Xwana ka Ngqengelele ; no Mahlangeni, wa kwa Kumalo (imbong' enkulu ka Cetshwayo) ;

¹ A ba kwa Jiyana ba ngamaMpembe, ngoba ba dabuka kwa Ntombela,—kwo Manjanja ka Nhlambela. Ka ku seko sizwe sa ma-Mpembe manje. Inkos' enkulu ya kwa Jiyana uKondhlo, wa maNtshali. Izwe li ka Kondhlo l'akiwa uyise ka Magolwana, uMkatini.

uMagolwana wa ye imbong' enkulu ka Mpande ; na ku Dingana fut' e bongela.

no *Manxele*, wa kwa Butelezi (imbongi ka Cetshwayo, ya seMangweni); no *Mnyamana* ka Ngqengelele; no *Ndevana*, wa kwa Kanyile; no *Vumandaba* ka Nteti; no *Mhlakuwa* ka Sodondo; no *Hlantele* ka Qukaqa; no *Hemulana* ka Mbangezeli; no *Sobedase*, wa kwa Qwabe; no *Tshingana* ka Mpande; no *Ndabuko* ka Mpande; no *Sehla* ka Ndengezi ka Manzini (imbongi ka Dinuzulu); no *Hoye* ka Soxalase, wa kwa Ndhlela (imbongi ka Solomon),—u ba dhlula kude bonke labo uMagolwana. Kak' o wa ye nga pikisana naye. Futi, kak' o wa ye indonsa, e dons' ukusa. Indonsa kwa ku uMagolwana kupela. Uyena nina we zimbongi.

Kuse ku Tshaka, nxa abantu be xotshisw' izinkomo, ba be bongelwa uMtshongweni, imbong' enkulu ye-zwe. Elok' e-nze njalo-ke malang' onke. Kwaze kwa vel' isiga sokuti: *Ngi bongel' amabandhla, ngi nguMtshongweni ini na?*

Ku Mpande-ke, abant' a ba xotshisw' izinkomo, na ba xotshisw' izihlangu, ne mqubula,—ne mintsha (ku qotshw' izimvu,—ezibomvu, ne zimnyama, ne zimhlope), ba be bongelwa uMagolwana. Impahla le ya i vam' ukw-abelw' uTulwana, ne Sangqu, ne Zingulube. Ibona-ke owayed' e ba bongela; bē kona kodwa na bany' a ba bongelayo.

Umunt' o xotshisw' impahla, ingabe zinkomo, kanti yena ka kw-az' uku-bonga, wa ye-ya ku Masipula, induna; kokuny' a-ye ku Ntshingwayo ka Marole (a ba be nga buyi labo uku-y' ekaya). Induna-ke i si zo-ti ku Magolwana: “Namp' obani, ba xotshiswe iNkosi; a ba kw-az' uku-bonga. Hamb' u yo ba bongel' eNkosini, ngoba nampa ba ngamadhliwa.” U se vunula-k' uMagolwana; u se kupuka nabo. Ba ningi; ngoba ba xotshiswa nge zigaba; ilelo viyo, ilelo viyo.



IMBONGI KA DINGANA.

I fak' ogungube ne sikumba se-ngwe. Ezinye-ke za zi vunula ngo kunye.

I si zo puma-k' iNkosi ne nqola, eluhlaza ete 'twe; i rolwa uNotekwane ka Silimela. Isifik' i-ma. Se be kuleka-ke, be-ti: "Wēna we Ndhlovu! Wēna we Ndhlovu! Bayēde! Wena we Silo! Wena wa kula be libele! Wena wa pakati! Ndhlov' e ya-dhl' eziny' izindhlovu!"

Se be-ma, be zela. Se be-ma ngababili, ngababili, ngababili. iNkos' i-ti: "Wo-ti ka ba penduke." I si zo bona-ke ukuti ku lungile, ku lung' imitsha. Se be buyela ngemuva a be be pambili. Se ku qamuk' abanye futi. Nabo se b'enze njalo. I si zo-t' a ba giye-ke. Ba giye ngabanye-ke. Ba giye ngabanye-ke, baze ba pele.

U se zo bonga-k' uMagolwana, se be hlezi pansi. So ku za uku-ma yena yedwa-ke. Se ku tula, kuti du. U se zo bong' uMpande yedwa-ke. Ngo kugcina kwake-ke, se be kuleka, se be-ti: "Bayēde!" iNkos' i si penduka, i si ya u' ngen' esigodhlweni. I si-ti ku Magolwana, k'ewuke, a hambe nabo. Se be hamba, se be-y' ezindhlini zabo.

Se ku qamuk' izinceku-ke. Se zi twel' isicumu so tshwala. Ku-tiwa: "Bamba, Magolwana!" (ku-tshiwo ngamandhla). Sezifika zi bek' esironqeni sakwake. Se zi kupuka, zi hamba. E se zi puzela-ke. U se zo kupuka ntambama nazo izicumu lezo. Sekuyoze kuse-ke e se kuluma pela; e se bobok' umpimbo; e se bong' uMpande. Sekuzoze ku tshon' ilanga e sebenza kona loko. A pumule kusihlwa.

Lab' abaxotshisiweyo se be zo m kipel' izimbuz' uMagolwana ngo kusebenza kwake; lowo imbuzi, lowo imbuzi. Ba zi kipa nga semakaya.

uMagolwana, nxa e bong' amakosi, u be tshaya ngo nyawo pansi kancane, ati gqi! gqi! Ati gqi! gqi! Kube kungati w-enza nge sitende.

uMpande wa ye nga vum' ukub' uMagolwan' a-y' ekaya. U be ngaz' a m dedel' ebusika; a m nqumel' izinyanga, zi be mbili nje. A buye nge yesitatu. Ku fik' izinceku, se zi m tata. A hamb' ebusuku. A hambe naz' izinceku.

U se ya u'zwakala ngo kumemeza, e-ti: "Izwā-ke!" Se be zo-ti-ke: "Nang' uMagolwana, u se fikile!" Ne nyama ka yi sez' uku-nqamuka, loku se ku fike yena; no tshwala futi, ebona bu m vul' ipimbo. A nga wa puz' amanzi.

Abafazi bake ba be menywa, be-ze komkulu. Ba hlale, ba hlale; bese ku bizw' abanye futi, njalo.

uMagolwana u be wā-t' amakos' izibongo. Zi ngaka nje, zi ngaka nje, ukuta; iNkos' a yi nike zona. Ku nge zayo, ezayo zi zodwa. Abes' e y'ita-ke yena; e y'etuka ngaz' izibongo a y'ita zona. U y'ita nge zici e z'ēnzekayo; abanye a ba nga fikiyo kuzo. Yena-ke adhlule, a y'ite.

iNkosi-ke, i nga zi-zwa lezo, i si hlab' umlozi. Ati, kon' e se yekile, i-ti ka pindele kuzo zona lezo a y'ita zona. I bi si-ti: "Sondel' eduzane, Magolwana. Ak' u kulume nje eduze; naku ngi-zwa ku mnandi. Ak' u kulume nje kancane." Abes' e-tsho, e kuluma kancane; e yi tshela-ke, e yi tshela-ke. Ngob' uMagolwana, zonke lezi a be ba-ta zona, izimbong' ezinye ka ba fiki kuzo; ba y'ahluleka.

U se zo xotshiswa-ke izinkomo; ngoba, pela, nangu u yi nik' izibongo a ba nga fikiyo kuzo; a ba z'azi. Ba y'ahlulek' iNkos' uku-yi-nik' izibongo lap' i pak' impi. Abes' e bal' abantu-ke laba e ya ba bulalayo. No Cetshwayo lona, ezining' izibongo zake, wa ze-tiwa uMagolwana.

"Isilwan' e si 'bek' a ba ka yise ba kotama;" e si ka Magolwana njalo leso. Wa-t' uMpande: "Hau,

Magolwana! Wa ngi vusel' umunyu. Wa-ti ka ngi kale na, nga bantabami na? Bā pela bonke na? Uzaufike w-etuke mina na? Ubus' ufik' u nik' uCetshwayo izibongo za bantabami a bā-fa na?"

U-ti-k' uMagolwana: "Wena kanti wa u nga bulel' a ba ka yihlo na? Wena, Nkonzapi,¹ ka ngi ku-tanga na, u bulel' a ba ka yihlo, ni no Mhlangana na? Uze u wel' imfula yonke nje na, u wezwa ini? Ka u wezwa imi na? Wa u-tiwa ubani ukut' u "wel' imfula yonke, u hamb' u zi buzisa?" A ku zami na? Ubani o wa ku-t' izibongo ezingaka lezi, wa u nge nazō-nje?"

I si-ti-k' iNkosi: "Yeka-ke Magolwana. Bonga-ke. Abany' abantu ba nga m bongi, ngoba ngi za u'kala. Ngoba kuye ku-f' uCetshwayo nje, ka bongw' uMbuyazi, no Tshonkwani, no Mantantashiya, no Somzawana. Kwa ku bonga yen' uMagolwana kupela, e-ti:

"iSiguqa e si zi fulele nga mahlamvu kwa Dhludhluma."

Nxa e zo bong' uMpande, uMagolwana wa ye qala ngo kuteta; e teta kanje:

"Lalela lo munt' omemezayo!
Lalela lo munt' omemezayo!
U memez' u-tini na?
U ya lila.
U kalelani na?
U kalel' izinkomo.
U zi kalela lezo nkomo, ezako ini na?
Loku, e zo mnwenu,² kwa Bulawayo, na?
U bona ukuba se kwa-fiwa na?"

Uzobelok' e teta, e teta-ke, e-tsho kanje, az' e-zwe ukuti se be tule bonke. Nxa be nga vum' uku-tula, ba zo 'kuzwa indun' enkulu, uMasipula; abanye ba hlauliswe. Se be zo tula bonke-ke, nya; ku nga kwehleli muntu. Sekuzoti-ke, ma ku bonakal' ukuti se be tul' indawo yonke,

¹ Igamu li ka Mpande leli.

² uTshaka.

se be lalele bonke, uMagolwana, ukub' e se za u'tat' ukubonga-ke, u se-ti:

"I-zwā-ke! (lo "ā" mude kakulu).
Yati 'Sikihli' indhlovu, kwati nya!
Yati 'Sikihli' indhlovu, kwati nya!
Kw-apuk' amagatsh' emiti, kwati nya!
U ya bona-k' izidindi ze miti,
Zi za u'beka pezulu!
Ziyauti zi penduka, be ku-f' amadoda!"

Wa ye-tsho njalo, a sa qal' uku-bong' impela; e se qed uku-teta. U se zo qubekela pambili-ke manje, u se-ti:

"uMpande wa oNoziqubu!
uMdayi, o wa day' izwe ngo mmese.
Ndaba zi buz' ekudeni,
Zi buzwa uTinsila, be no Sigonyela,
Ba-ti: "Ngi bonisel' ukubusa
Kwe Nkosi yakini kwa Zulu."
Nga-ti: "uNdaba ka Sobangwāyo,
Ba m bangile;
U bangwe ngamaNgisi na maQadasi.
O lokote izwe, la lokoteka.
Wa-ti li yo hanjwa ngabamhlope na maQadasi.
Mdayi, sabela kwe li petsheya,
Uban' o nga biz' uMdayi kwe lakiti kwa Zulu?"

U se hamba njalo-ke, e bong' e bong' e bonga, *kakul' isibili*. U ya gcina-ke ku Mpand' u se-ti:

"Yebuya luteku lwa maduna!¹
A ye nga ku tandi!
Wa w'ahlula nge mkonto!"

Nxa 'ku zo bongw' amakos' onke, uMagolwana u be qala ngo Senzangakona, abes' e ngena ku Tshaka. Se ku landel' uMnkabayi, no Dingana, no Mpande, no Nzibe; bese ku ba uMfolozi ka Jama, no Kutshwayo ka Jama, no Ngquku ka Jama, kanye na banye. U se zo gcina nga makosikazi-ke. uCetshwayo wa m bong' i si-lwil iNdondakusuka.

Amakosi na bantu, ā ba be bongwa uMagolwana,

¹ Wonke la ā bulawayo, a maningi.

oMageba, no Punga, no Ndaba, no Jama, no Senza-
ngakona, no Tshaka, no Dingana, no Mnkabayi, no
Mpande, no Cetshwayo, no Nzibe, no Gqugqu, no Mbuyazi,
no Tshonkwini, no Somxawana, no Dabulesinye, no
Mantantashiya, no Mdumba (oMbuyazi laba, na bafowabo,
a ba tele ndawonye nga ku Cetshwayo, se be-file); e
bonga fut' u'Bibi, no Nandi, no Mpikase, no Songiya, no
Langazana, no Mtembazi,—kanye na banye-ke. Bonke-ke
laba wa ye ba bong' impela, kakul' amakos' o hlanga.

Ka pumul' uMagolwana iNkos' e nga ka yi qedi.
Uz' ay' a qede, abes' e-ti: "Ya minza-k' iNdhlovu"
(e-tsho iNkosi, le ekad' e yi bonga). "U li binda, Zul'
elipezulu! U li binda, Ngonyama! U li binda, Silo!
U li binda, Ndhlov' enkulu!" Uti-ke, a sa-tsho njalo,
abes' e gqum' e gquma; u gqumela ndawonye. U gquma
kakulu; i kapuze yonke le mpahl' a yi fakileyo; ngob'
u fakile, u vunule; u vunule kakulu.

U se-ma-ke kaloku; u se tula; u set' uku-'beka nga
seNkosini. U se qal' enye-ke, izibongo ze Nkos' enye.
Nalapo futi, u se bonga ngamandhla; u bonga njalo,
ke-mile ndawonye, u ya hamba. Ut' e bong' e be hamba.

iNkosi yona, nansiya ne bandhla layo. I lalele. Id'
i hlab' umlozi i nge-zwa kumnandi; i nga kulumi luto
kodwa. Iyona yodw' e hlab' ikwelo. At' a nga qed'
izibongo ze Nkosi, ingab' u qed' e zi ka Tshaka nje, abes'
e-ti: "uTshaka-ke lowo!" Abes' e ngena kwe zi ka
Dingana-ke. Lapo-ke, a qale ngokuti:

"Yebuya, Rwanqa la seMgungundhlovu!
Yebuya, Rwanqa la seMgungundhlovu!
Wā bulal' amaBunu!
Wa ngenis' umkont' omubi kwa Zulu!
Wa ngenis' umkont' omubi;
Wa u ngenisa kuw' esiswini na?
Les' isibindi esingaka lesi-na?"

U se hamba kakulu-ke lapo. Ne Nkos' i si hlab' umlozi,
ilok' i m kombakomba ngo munwe. U se tukutel'
uMpande. Bese kuti-ke, nga kusasa, iNkos' i si m
xotshisa nge zinkom' ezimatshum' amabili, noma ama-
tshum' amatatu.

uMagolwana wa ye m bong' az' a m qed' uDingana, e
kulum' uMpande nay' e kona. uMpand' u se m tand'
uDingana, ngoba kaseko.
iNkosi ya i nga vum' ub' a
buy' uMagolwana a-y'
ekaya; ya i fun' ukub'
a hlale kuyo njalo.

Wā-t' uMpande, lapa
ku vulw' amakos' a kwa
Zulu, a vulwa ngo Nzibe
(kanduba umunt' a bong'
amakos' a kwa Zulu).
W-enza ngoba ku umn-
twana wakwabo; wā m
kulisa, wa m enz' inkos'
enkulu. Wa ye liqaw'
uNzibe; ku ngumfowab'
uTshaka futi. W-elam'
uMpand' emhlane.¹ At'

umuntu a nga gcin' uNzibe, abes' e bong' uTshaka.
oNdaba, no Jama, no Senzangakona, baze ba geine,—
nxa umunt' e bonga ku-dhliw' ukudhla. Umuntu, lap' e
qala ngo Senzangakona, u qala ngabo,—uma ku pakw'
impi.

Nxa ku tetw' impi, ku qalwa ngo Senzangakona, no
Jama, no Ndaba, no Punga, no Mageba,—nxa ku pum'
impi i ya u'hlasele. iNkos' ebusayo, a i bongw' empini.

¹ Izibongo zi ka Nzibe zi ku k. 238.



UHOYE KA SOXALASE
(wa kwa Ndhlela)
Imbongi ka Solomon.

Ku bonakal' ukut' umuntu a nga qala ngo Mageba, ab' e bong' uPunga, no Ndaba; amakos' amany' a landele, njengo kulandelana kwabo. Kut' umunt' a nga qed' uSenzangakona, abes' e tat' uNzibe; bese ku landel' uTshaka, no Dingana, no Mpande, no Cetshwayo, no Dinuzulu; bese ku-ya ku Mnkabayi.

Umnt' angez' a bongwa nge-mpi e m xotshileyo; u bongwa nge-mpi a yi nqobe yena. Umgomo omkulu lowo ezibongweni za bantu bonke. uDinuzulu ka bongwa nge-mpi ya seMsebe, ngoba kwa balek' eyakubo; ne ya seMahlabatini, ya soNdini, ka bongwa ngayo uCetshwayo, ku bongw' uZibebu yedwa.

Izibongo zi suk' empini; ngob' e zi ka Cetshwayo, zide zi ngaka nje, nge-mpi ya seNdondakusuka, ka Mbuyazi. Ne zi ka Mpande zi njalo; u zi zuzil' izibongo ukub' a-lwe no Dingan' eMaqongqo.

Izibongo za makosi zi fundelw' emagudwini, ku ratshulwa. Na namuhla zi fundelwa kona lapo. Ne zi ka Nkayitshana (uSolomoni), zi fundwa kona lapo. Imbong' enkulu ka Cetshwayo kwa ku uMahlangeni, wa kwa Kumalo. Wa bulawel' empini ka Zibebu ya seMsebe.

uMagolwana lo wa ye isiqibilindi. E jarele. Izito zi zikulu, na matanga. Intshetshilezi e nge na zinqe. Umunt' o wa ye ngangaye uNtshingwayo ka Marole. Wa ye nge nabo odadewabo; odadewabo kwa ba iwo amakosi. Amazibulo ake, aMapela no Tuhwana; izintombi-ke zi be iNgcotsho no Gudhludonga. Amadodan' ake a ye 138; izintombi zi 77. Nxa se be pela bonk' abantabake, a ba zalwa uy' uqobo, ba ngamakul' amabili ne tshumi ne sihlanu (215).

uMagolwana wā-fel eZungeni, e bulawa imp' e pum' eNkosini. Wa ye balekele ku Dwabu ka Mpunzi, wa kwa Zungu, o wa y'ake lapo, ngob' e bulel' umtakati,

uMayeza, wa kwa Dhlamini; na bantu bak' uMayeza e ba tshisel' ezindhlini,—konke loku e kw-enz' e nga nikelwe komkulu. Indaba yo kufa kwake, no kubonga kwak' amakos' a kwa Zulu nge lang' a-fa ngalo—e bongela pambi kwayo le-mp' e tunyelw' uku-zo-m-bulala—umunt' a nga yi bona ku Hlangakula, *kk.* 132-142.

Le ndoda ya kwa Zulu ya i ne sibind' esibi. Indab' e pat' ukwenza kwak' okuny' okukulu, i ku Tulasizwe, *kk.* 69-74.

“Dhlala, Mkabisa nyati!
Hlabana ngo mhlubulo;
Isiguq' e sa-dhl' esinye,
Ngoba wa-dhl' e si ka Mzilikazi.
Pindela kona,
Mbambo ze nkomo ya kwa Matshobana!”

Izibongo lezi zi int' enkulu. Ku gewel' izindaba kuzo, kakulu kwe za makos' e-zwe. Futi, zi hambisa ngo lim' olumtoti, lo budoda. Ezindawen' ezinye kodwa, ka ku sa bonakalisi kahle ukuba zi-tini, si-tsho kwe za makos' a pambili, oSenzangakona, no Jama, no Ndaba. Ku kon' izican' e zi patwayo, o ku nga s'aziwa namuhla ukuba kwa kw-enze njani. Ubuhle no bunandi be zibongo bu bonakala nxa umuntu e se zi bute kakulu kwa ba z'aziyo, e se zi hlanganisele ndawonye zonkana; e se z'enze isigax' esibonakalayo. A bone-ke kaloku, nxa e se zi buka, e zi funda, ukuti zi int' enzima ne hlonipekayo; e nga fanele nakancane ukub' i nga lahlek' i citeke.

Zi mnandi zonkana, si-tsho ne za bantu nje abaqa-mileyo, njenga maqawe, ne zinduna, na banumzana, ne zinsizwa, na besifazane. Zi kanye ne zingane kwane lezi, ne ziga zo kukuluma, ne zindaba ze-zwe, ne ze-mpi, ne-nto nje eny' eninginingi, o ku nga fanele ukut' i nga kohla-kala, i pel' emhlabeni. Yonk' int' enje i ifa le-nDhl'

eMnyama; if' uqobo lwalo, okuyoti-ke noma se be-fil'
a ba namuhla, lisale li-dhliwe izingane zabo; nabo-ke
se be zo kw-engezela kona ngokwabo, bese be li nikelzel'
abanye-ke a ba yo landela bona. amaNgisi nawo a
y'enze nje endulo, kwe zakub' izindaba; na namuhla
loku, ba sa hamba nga leyo ndhlela,—ngob' ukwenze nje,
umhambo wa mazwe onk' a se ngenelwe ukuKanya.

18

IZIBONGO ZI KA DINGANA—IV

uSOBATINTELE!¹

uMalamulela!

O wa lamulel' abafazi na madoda,

Wa lamulel' izintombi na masoka.²

iTol' elinsizwa, la ko ka Donda,³

E lihambe li wa kahlel' amany' amatole,

Izingazi za puma nga mapumulo;

Ngoba la kahlel' e la kwa Bulawayo;⁴

La kahlel' uMagaye ka Dibandhlela;⁵

La kahlel' uNzwakele, kwa 'Kutshwayo;

La kahlel' uMadhlanga, wa seKuvukeni.

iMbuzi ka Dambuza,⁶

¹ Loku, sengati ku pat' ukuhlupeka kwa bantu, ngob' uTshak' izintombi e nga zi jubel' amabuto. Ku hlupek' izintombi; na masok' azo a ya hlupeka. U se lamula-k' uDingana; u tinta yena lo o wenza loko. U m tinta ngo ku m gwaza.

² La bonga lonk' izwe nga loko kulamula kwake.

³ Unina ka Dingana kwa ku uMpikase ka Myiyeya (Mlilela,—uDingana wa ye tefula, ngoba wa kulela kwa Qwabe). uDonda lo mhlambe uy' uMyiyeya. Umunt' a nga-ti nga be ku-tiwa: *la o ka Donda*. U-k u ngeniswa ngoba ku lolongisw' ukukuluma.

⁴ uTshaka.

⁵ Wa kwa Cele.

⁶ Elinye, uNzobo ka Sobadhli, induna ka Dingana; enkulu ku uNdhlela ka Sompisi.

A ba yi bambe nga ndhlebe, ya bekezela;

'A i njeng' e ka Mdhlaka,¹ nga seNtshobozeni,

Yen' a yi bambe nga ndhlebe,

Ya dabula, ya qed' amadoda.

uMakonjwa nge ndololwane,

Kanj' ² iminwe i zo komb' abanjani?

uMtshingili, o nga zindhlovu

Zi hlatshwa na banini mahlanga.

O be ya-ye ngapo, wa balekelwa,

Ngo ku swela qoq' e li m sitayo.

uMkont' o wa dum' ekusen' eSwazini;

Wa-dhl' uNdomba, induna ka Mswazi, eSwazini;

Wa-dhl' uGebuzizulu, ezinduneni zi ka Mswazi;

Wa-dhl' inceku ka Mswazi,—

uNdibindwan'-e-dhl'-imnkantsha;

Wa-dhl' uNzimazana, eLudidini;

Wa-dhl' uHoho, eSwazini;

Wa-dhl' uSipika, eSwazini;

Wa-dhl' uPambana-na-ba-hluzayo;

Wa-dhl' uNoziwawa.

u'Belekeqa, u nga nkom' ekalimayo;

Kungati ba yi bangile, na ba kwa Zulu.

uMpa-nkom'-i-na-bele!³

uMgud' u nga zindhlel' e zi-y' eNhlengeni.

Singqungu ka kulumi, ka na mlomo;

A njenga Tshaka,

Yen' o wa ye qed' umuzi ngo kunkenkeza.⁴

O wa memez' amaNtungw' a kwa Sokumalo;

Kwa sabel' uMdhleleni, kwa sabel' uMakata.

¹ Undunankulu ka Tshaka; eNtshobozeni, umuzi wake.

² Kanji=Konje.

³ Ku-tiwa wa ye-pana, e nga fani no Tshaka. Inkomo o ne bele, ku-tshiw' efakileyo.

⁴ Ilok' e kuluma ngamandhla, e tetis' abantu.

uMalunguz' izindonga, kad' uku-wela.

O gez' izandhla za z'omel' ebandhla,
Ngo ku-ba nhliziyonhl' emadodeni.

iNzima,¹ e i ukwena kwo Mkumbane,²
Kona kwena ku nga fakwa lunyawo ;
Ku njenga manz' a seMkumbane,
Won' a nga fakwa lunyawo.

uGaga-nga-manzi,³ a nga we-si mlomo ;
Amanz' odw' asal' a babaze.

19

INXELE KA LI WU BUS' UMUZI ⁴

INKOSANA ka Nkungu ka Mepo,⁵ wa kwa Ngecolosi, kwa ku uNdhlokolo, uHlangabeza e ngumnta ka Nkungu, e nga qondene kodwa no bukosi. Bati, uba ba kule, e ngasek' uyise—e bulewe uDingana—base be-t' oFaku ka Mepo (o wa ye ba patele be zingane, e nguyisekazi), kanye no Mayeza ka Mqweleba, kanye na oCinwa, kanye na oJali,—a ba zalwa inkos' e si pambili—se be-t' inkosana uHlangabeza.

¹ Inzimeemnyama,—inkab' emnyama.

² Umuzi wak' omkulu, uMgungundhlovu, wa w-ake pakati no Mkumbane no Nzololo,—imful' emncane yombili, e ngen' eMfoloz' eMhlope.

³ Uku-gaga ukw-elamel' into ; njengo muntu, ot' e hamba nge ndhlela, amehl' abes' eti gaga pezu kwe nyoka, e hlala kuyo. Na kwe zi ka Mpande, lu kon' uhlamv' olunje. *B. Tulasizwe, k. 68, h. 15.* uMpande-ke yena wa ye baleka (ngo kudabuka kwe goda) ; u se-ti-ke gaga pezu kwo Tukela. Amanzi ka we-sa mlomo, ngob' e baleka, pela, e no valo. Na lapa sengat' uDingana wa ye baleka.

⁴ Abanye ba-ti : *Inxele ka li wu-dhl' umuzi.*

⁵ Ka Ngwane ka Lamula ka Ngwabini ka 'Bengu ka Dhlabazane ka Lusibalukulu ka Songololo (=Ntshongololo).

Bati lap' oMambedu ka Mepo, na many' amadod' okuzalwa, be-ti : “ Tina, ba kwa Mepo, si-ti nans' inkosi yetu, tina maNgecolosi, uNdhlokolo.” A pika la madoda, a lotshwe kuqala, oFaku, no Mayeza, na oCinwa, na oJali, ba-ti : “ Tina, si nge buswe inxele. Inxele li ba itshinga ; l'on' umuzi. A si yi fun' inkos' e pat' isihlangu nga les' isandhla so kudhla, tina sibe si pete nga lesi sonke (so bunxele).”

Kwa ilabaya ba pika ; kwa ilabaya ba pika. Kwenze njalonjalo-ke, a ba ka bus' abantwana ; ku sa bus' uFaku ; loku b'ake lap' eMngeni (pansi kwe Ntshangwe), wonk' amaNgecolosi.

U se suk' uFaku o peteyo, u se suk' e-y' oTukela, kwa Ntunjambili, eManzalati¹ (a ngen' oTukela). U se hamba ne-fa lonke le zinkomo zi ka Nkungu, kanye nay' uHlangabeza, a m bekayo ; kanye ne sizwe e si tand' uHlangabeza. Se ku sal' isizw' eMngeni ; si sala no Ndhlokolo, e si tand' uNdhlokolo. Kodw' esiningi sa hamba no Faku, sa tshon' oTukela.

Kwase ku kul' umbango. So ku mangalwa ku Somsewu. uSomsewu u se li teta-ke lelo cala ; se be pelele bonke, na ba seMngeni, na ba soTukela. uSomsewu u se-zwa la magama ekade ngi wa landa. U se beka yen' uNdhlokolo. U se-ti : “ Inxele kodwa ; iyona nkosi yenu, ngo kubekwa kwa onina.” Seku-tiwa ka zi kip' izinkom' uFaku, li-ye ku Ndhlokol' ifa li ka Nkungu. Kwa ku bangw' umuzi ka Nkungu ; ikanda ku seSinyameni. Ba bang' iSinyama nje.

Za buya-k' izinkomo ze-za ku Ndhlokolo, inxele. Nami² izinkomo lezo nga zi bona ngi s'ak' oZwatini. Ya i nga ka-lwi neze, nga leyo nkati, e ya kwa Langali-

¹ = Manzalathi.

² O si xoxela le udaba u iNgobamakosi.

balele. Mina ngase ng'alus' impela lapo, ng'alus' amatole. Izinkomo za dhlula kwa lal' utshani, se zi-ya ku Ndhlokol' eMngeni.

Umuzi ka Nkungu omkulu, kwa ku seSinyameni, kwabo kwa Ndhlokolo. uHlangabeza lo wa lotsholwa nge zinkomo zakwabo ka Faku. Ngoba ubet' um' e fakil' emzini ka Faku uNkungu, afik' a lal' elawini. Ya i si-t' inkosi: "Wo! Qa, madoda. 'A ku tatw' izinkomo; wena Ndhlokolo u ganwe umfazi kona lap' ekaya. U be ne-ndhlu yako. Sekuti, uma u hlwelwe, u lale kona; ungad' u lal' elawini." Bala-ke, lowo mfazi wa lotsholwa nge zinkomo zakwabo ka Faku. Lo mfazi-ke, wa zal' uHlangabeza.

Icala, uHlangabeza, li m lahla nga loku. Li-ti: "Uma wa u intombazana, izinkomo zako za zi yo-dhliwa uFaku; e buyisa lez' izinkomo zakwabo, e za lobol' unyoko." uSomsewu u-ti: "Wena Faku, u bek' uHlangabeza ngob' e ifa lako; ngob' unina wa lotsholwa nge zinkomo zakwen' eNgwavuma (umuzi wakwabo ka Faku). Po, w-enza ngani ukuti ma yo-dhl' ifa la seSinyameni, kwabo ka Ndhlokolo na? Ka u m beki ngo mteto; u m beka ngo ku-m-tanda nje. Ngi ya m lahla-k' ecaleni le-fa."

uHlangabeza u se busa nga bantu a ba m tandayo; ba m beka. U s'ak' umuzi wake; u se-ti ku seMandhleni, ngob' e z'akele ngamandhla; e nga w'akile nge-fa li ka Nkungu. A ku bonakali ukut' icala la m lahla, ngob' u pet' isizw' esikulu. Ne-zwe ā-ke ku lona, u buyela ku lona nje, izwe lakubo lo kudabuka,—eManzalati, kwa Ntunjambili.

Amakos' onk' a kwa Ngcolosi ilap' e kon' amatun' awo. 'Uyise yedwa, uNkungu, o seMkumbane, ituna; ngoba wa bulawa uDingana, e ng'enze luto no luncane. Izinsolo

kodwa-ke, kwa ku-tiwa u zo kw-eqa, a-y' emaBunwin' eMlazi.

Lonk' uzalo lwa oMepo ka Ngwane ka Lamula, lwa kwa Ngcolosi, lwā buyela nga ku Hlangabeza, *lw-esab' inxele*. Ozalweni, nga ku Ndhlokolo, kwa ba uMambedu (indoda, umntanenkosi); kwase ku ba uZitoya ka Mepo.

A ba kwa Ngcolosi bā dabuk' eSwazini. Na ku lelo-zwe ku kon' isig' esidala sokuti, *inxele a li wu-dhl' umuzi*. Ku ya bonakala-k' ukut' a ba kwa Ngcolosi laba, ku le ndab' ekad' i bi landwa, ba be hambisa ngo mteto wakubo, wa pambili, wa kwa Ngwane.

I kon' inkosi e yake ya bus' eSwazini, e nguHlubi ka Ludonga. Leyo nkosi, ukubusa kwayo, sengati kwa ba sikati sinye no kubusa ku ka Ndaba (kwa Zulu), uyise-mkulu ka Senzangakona.

uHlubi lo wā tat' isikundhla se nkosana, uMagudulela o wa ye linxele. Inxele a li wu-dhli umuzi kwa Ngwane. Ngo kuzalwa kwake, uMagudulela wa ye nga sil' inxele. Kw-enziwe unina. Unina wa ye nga tandi uku-wu-tat' umuzi, e-ti ubukosi bubi, bu ne zindab' eziningi; umntanake u yo hlupeka; naye fut' unin' a hlupeke. Kwati-ke, mhla ku pekw' utshwala, wa ye se tata lo mntwana-ke, e se si cwilis' emncindweni (eyambazini) isandhla sake; sā-tsh' isandhla. Base be m kuz'abafaz' abanye, ba-ti: "Hau! W-enzani?" Wa ye se-ti: "Ngi kw-enzile. Ubukosi bu ya hlupa; a ngi tandi ukub' a be inkos' umntanami." Umfana u se jwayela ukupata nge sinxele. Kwase kuti-ke, ukuba ku-f' uLudonga, so ku bus' uHlubi; ngoba naku, pela, inkosana, uMagudulela. u se linxele.

Kwake kw'enza kodwa ukub' umuzi u buswe linxele,

kanti naso leso sizwe sa dabuk' eSwazini. Kw'enza ku Fodo ka Nombewu, inkosi ya kwa Dhlamini (ema-Kuzeni),—

“uSifudumezi sa manz' atshisayo !
uNongalo a sipotshongwana.
iNkone e vele ngo buso, ka Mangungwini.”

uFodo wa ye linxele ; imkonto e yi pata nge sobunxele. Impi e yi tanda kabi ; elok' e yi xoxa njalo na madod' akwake. Wa ye nga butiwe kwa Zulu. Ukuba wa ye butiwe, wa ye yo ba uMkulutshane, ku nge iwo kodw' omdala.

20

INKATA YE-ZWE

MINING' imkub' e ya y-enziwa kwa Zulu ku sa buswa, si-tsh' e ya makos' o hlanga. Izimpahla e za zi nqunyi-selw' abantu, *ibubesi*, ne-*ngwe*, ne *gwalagwala* ; bese ku-ba *umncaka* (amaqand' abomvu, o buhlalu) ; ne *mfibinga* (ubuhlal' obumpofu) ; no *busenga*, obubomvu, o bu gaywa amaNhlwenga (o ba bu fakwa isigodhlo) ; bese ku-ba-ke *umnkangala* (ku sa bus' uTshaka ; induku ya lo muti ya i patwa iNkosi kupela) ; *ingxota*-ke, ya i fakwa amadod' amakulu.

Impahl' e ya i hlal' emzini we Nkosi, ngasenhla : *inkata yo muzi* ; ne *ntelezi* ; no *buhlungu be Nkosi* ; no *kwazi kwa ngasenhla* ; no *mkonto we-mpi* ; ne *nduku ye-mpi* (e ya i komba ngay' iNkosi nxa i si pak' impi) ; no *zwati lo muzi* (lo kwenz' umlilo) ; ne *mbazo yo muzi*.

Inkata ye-zwe le, iy' inkata yo muzi. Wa ye nga y'enz' umunt' omunye ; ya y-enziwa iNkosi kupela. Uhlonze lwayo luti a lu be ngango mlenze, ngezansana

kwe dolo ; imbobo yayo-ke i ngango mzimba wo muntu, la et' u puma ngayo. I tandwe ngo tshani yonke, bo mviti,—lob' o bu vam' uku-mil' ezindhleleni ze zinkomo.

Inkata ya y-enziwa nga madoda, izinduna, e zi njengo Masipula no Ndhlela. Ya i tandwa izon' izinduna. Ku hlatshw' inkomo nxa i si zo tetw' esibayeni. Kwa ku tatw' izibi la amadod' e be'hlezi kona, la a kulum' izindab' ezinkulu ze-zwe ; zi butwe, zi butwe, bese zi hlanganiswa ; zi gotshwe, z'enziw' inkata. I bi si botshwa-ke nge siku-mba se nhlwati. I si nindwa nge nsila ye Nkosi-ke ; kanye ne miti e yaziwa zinyanga ze Nkosi.¹ Insila ye Nkosi le, i vela nxa i paqulwa. I butwa pansi ; i telw' esitsheni.² Izibi lezi, za madoda, za zi butwa njalo ; zide zi hlanganiswa ne zakuqala.

Se ku ku Mpande, inkata ye-zwe ya i hlala kwa Langa-zana, eSizebeni. I hlal' endhlini yayo, ngapakat' esigo-dhlweni. I nga suki lapo. Ku leyo-ndhlu futi, ku bekwa yonk' imisebenzi ye Nkosi. Ya ingez' i nga lahlw' inkata ; fut' i nga lahlwa ne Nkosi ngo kufa kwayo ; i hlale nje, njalo.

E ka Tshaka ka yi lahlwanga mhla e bulawayo. Yē-za ku Dingana ; naye wa busa ngayo leyo. U ya-fa fut' uDingana, i si-za ku Mpande. Ngo kufa kwake nay' uMpande, i si-za ku Cetshwayo. Ngo kungena ku

¹ Inyanga ka Mpand' enye, kwe zakuqala, kwa ku uMahlungwana ka Tshoba ka Gudhlindhlu, wa sema'Beleni. uMahlungwana wa ye inyanga ya makos' a kwa Zulu ; no yise, no yisemkulu be izinyanga za makosi nabo. uMahlungwana lo uyen' o w'elap' e ka Mpand' impi e ya-lwa ne ka Dingan' eMaqongqo. Uye o *wa tshis' ihlungu*, e-nzel' ukut' e ka Dingana, iyot' i nga nyatela kona, i bi si y'ahlulwa e ka Mpande. Nembala kwa ba njalo ; ya nyatela qed' ehlungwini, ya i si y'ahlulwa. Soku-tiwa-ke “uMahlungwana,” ngoba uy' o w'enza loko. Igamu lake lempela uBahle ; uTshaka no Dingana ba be m biza ngalo lelo. Namhlanje kodwa, so ku dum' e li ka Mahlunwana.

² Namhlanje, so ku gezwa nge nsipo, insila ka yi seko-ke. Kuqala, iNkosi ya y-embat' izipuku, i goob' amafuta.

ka Cetshway' ebukosini, yā landw' eSizebeni (e ka Mpande) ye-za kuy' oNdini.¹ I-siwa lapo ngoba, pela, i si-ya lapa ku kubo (uCetshwayo) kona.

Unina ka Cetshwayo (uNgqumbazi) wa ye hlala kwa Gqikazi,—e no munye fut' umuzi, wa seMangweni. uCetshwayo wāqala wa hlala kon' eMangweni. U ya puma lapo, u se yo kw-ak' imizi yake,—wa soNdini, no wa seQwagani, no wa kwa Babangibone, no wa kwa 'Bizeni. Umuzi wak' omkulu, la ku kubo kona, ku soNdini. Yonke le nkati-ke unin' u hlezi kwa Gqikazi; uze wa-fela kona lapo.

oNdini lapa, inkata ye-zwe ya i hlal' endhlunkulu, kwab' uCetshwayo. Ya i panyekwe pezul' endhlunkulu, emsamo; ingeze y-etulwa; i hlale njalo. Ya hlala yaze ya tshiswa abeLungu nge-mp' enkulu ka 1879.²

Ku Tshaka, ku ya bonakal' ukuti ya i hlala kwa Bula-wayo, wona muz' omkulu. Kuse ku Dingana, inkata ya i hlala kwa Nobamba. Ya i hlala kwa Nobamba ngoba ku kubo (uDingana) kona. Owakwab' uCetshway' umuzi, wa soNdini, wa pum' eMangweni uyis' e se kona. Ka u fani-ke no wa seMgungundhlovu, won' o w'akiwa uyise ka Dingan' e se-file. Owakwab' uDingana ka u pumanga kwa Nobamba; wa sala kona. Ku ya bonakala-k' ukut' e ka Senzangakon' inkata ya i kwa Nobamba.

Inkata le y-enzelw' uku-mis' imizi yakiti; ku-tiwa abantu be-zwe lonke *ba songelw' enkateni*. Lok' ukutandata ndwa kway' okuningi kw-enzelw' ukub' abantu ba hlanganiselwe ndawonye, ba nga hlakazeki, ba citeke; ba nga-yi uku-yo-konz' ezizwen' ezinye.

iNkosi ya i nga gezeli pezu kwe nkata ye-zwe.³ No

¹ Abanye ba-t' eLundini.

² Ku ya bonakal' ukut' ya tshiswa mhla ku-lw' e ya soNdini yokugcina, 4 July, 1879.

³ Abany' abangaziyo ba-ti ya i gezela kuyo.

Mpande wa ye nga gezeli pezu kwayo. Yena wa ye-ma pezu kwe nkumba (icansi le kwani, e li songiwe, laze la likulu). Ba ya m geza, yen' u hlezi pezu kwe nkumba leyo; bese kut' amanzi-ke, la a-wela kona, a tintitwe, nxa ukugeza se ku pelile, ne Nkos' i si hambile.

Inkata ya i nga kitshwa mhla kwo Mkosi, na nxa kudhliw' izinkomo zo mzimu; i nga kitshwa futi nxa se ku bobok' impi. Kodwa kwa kuti, nxa iNkos' i tand' uku-yo-hlasel' ezizwen' ezikude, ku bizw' amabuto; a bizelwe kona kwa Nodwengu. Bese ku ngunyw' ilanga-ke lo kupalaza. Abes' e palaz' onke, a palazel' emgodin' embili esondeleneyo, nga semfuleni, eduzane nawo. Umfula lowo, ku-tshiwo iNtukwini,¹ la ku kon' amaniw' amadal' a seSizebeni.

Ku fakw' utshani emgodini; bu fakwa izinyanga ze Nkosi. Bese ku palazelwa kubo-ke. Utshani lobu izinyanga zi bu rotsh' ezindhlini zakona kwa Nodwengu, ezindhlin' eziningi; zihamba zi bu rotsha pezu kwe minyango, la abant' abangenayo bedede be gudhlela kona. Ku palazwa njalo, ku setshenzwa nge miti e fike ne zinyanga.

Utshani lobu-ke izinyanga se zi bu kip' emgodini; zi bu nik' izindun' ezinkulu, o ku izona-ke e se zi zo bu hambisa, zi bu-s' eSizebeni (la inkat' i hlala kona). Se zi sombulula kahle-k' enkateni; se zi hlanganisa lob' utshan' ekade ku palazelwa kubo, zi bu hlanganisa no budala. Isibuy' i tandwa kabutsha-k' inkata, iz' i pele; i bi si pindeliselw' endaweni yay' endhlunkulu, emsamo.

iSizebe lesi umuzi ka Senzangakona. Wāt' e puma kwa Nobamba, w'aka lowo muzi. iSizebe sa si ngeko ku Jama na ku Ndaba. Esak' uSenzangakona.

¹ I ngen' eMfolz' eMhlope.

21

INTOMBI E YA GANA uMAVOVO WA SEMBO

uMAVOVO, uyisemkulu ka Gwabe, inkosi ya seMbo, wa ganwa intombi. Leyo ntombi, ngo kugana kwayo ku Mavovo, ya tatwa uMavovo, uMavovo wa semacubeni, ngob' e yi qomisile, ya qoma yena. Ya m balekela. "U bu ganepi, ntombi na?" "Be ngi gane ku Mavovo wa seMbo." Kw-akelenwe nje-ke. Uset' uMavovo lo, wa semacubeni, u-ti: "Imin' uMavovo; uMavovwana lowo!" U se ku-tsho loko (uMavovo wa semacubeni), ngob' e se m amunc' intombi.

Se ku-zwakala ku Mavovo lapaya, wa seMbo, ukuti uMavovo wa semacubeni u-tsho njal' ukuti uMavovo, lo wa seMbo, uMavovwana. Se ku dum' eMbo lapa. U se-t' uMavovo wa seMbo: "Weu! Ku zo kw-enziwa njani lapa, ngoba nang' uMavovo wa semacubeni u ya ngi delela na?" Li indhlala-k' izwe. Le ntombi e gane ku Mavovo wa semacubeni, e tatwe ku Mavovo wa seMbo, i si no mntwana we ntombazana; u isibaxa nje, u sa ncela.

Ku kon' inyanga, umuntu o indojoyana, o hamb' e fun' ukudhla; indhlala. U se-ti, e-tsho ku Mavovo wa seMbo: "Qa, Nkosi! Mina ngi nga yi landa leyo ntombi, um' u sa yi funa." A-t' uMavovo: "U-ti u nga yi landa na?" A-ti: "Ngi nga yi landa, Nkosi." Abes'e-t' uMavovo ka catshunelw' amabele, a hamb' e twele. Lowo muntu se be m capunel' amabele. Se be ku qedaqeda okwabo no Mavovo; u se pum' u se hamba.

U se banga kon' emacubeni, ku Mavovo. Useti, um' e se yo fika kon' esangweni, u se funyanis' izingane, zi

hlezi nje esangweni; zi ya dhlala. U se-ti: "I ipi ingane ya ko nosibanibani na?" U se yi-tsho nge gamu. Uset' um' a yi bone, u-ti: "Sondela, mnta ka dadewetu!" U se yi qabula ezihlatini, kon' esangweni. Unina wayo kako; u sendhle, ku yo linywa. "O! Qa! A no konza ku dadewetu." U se hamba, e zi hambela; u se pindel' emuva ngakubo.

Le ntombi-ke, ngo kufika kway' ekaya, u biz' umntwana. U ya fika-ke unina, u ya m qabul' ezihlatini; u ya m ncelisa. Ngo kumncelisa kwake, kwati ku-sa, w'eqa; wa bamb' indhlele e bang' eMbo, ku Mavovo,—e hamb' e belet' ingane leyo. Waye wa ngena ku Mavovo wa seMbo; wa gana.

Kwase ku hlatshw' umkosi lapa ku Mavovo wa seMbo, ngoba, pela, ku buy' inkosikazi. Ku ya kizizwa, ku-tiwa: "Ki! Ki! Ki! Ya buy' inkosikazi!" Y-eqa njalo lapo ku Mavovo wa semacubeni, ya i si bekiwe; ku inkosikazi. Ngoba, na ku Mavovo lo wa seMbo, ya i bekiwe. Ite i si fika ku Mavovo wa seMbo, wa ye se bek' enye inkosikazi, unina ka Kabazele. Ya zal' uMbangi leyo nkosikazi, ku lo muzi wa seMpunga. (uMbangi wa zal' uMagāba.)

Wa ye se-t' uMavovo wa seMbo: "Ngi m ahlulile. Se ku uyena uMavovwana; imina uMavovo." Intombi leyo, inkosikazi, yaze ya pelet' eMbo; kwa "bonakal' ukuti w-ahlulekil' uMavovo wa semacubeni.

22

IZIGA—I

1. I kot' e yi kotayo.
2. Ukuni lwa zal' umlota.

3. Igula le ndhlebe a li gwali.
4. Ize uvalo ; inqobo isibindi.
5. A i nyanki kabili.
6. Ukuguga a ku memezi.
7. Ku gaulw' owaziwayo.
8. Umbang' u vuk' emloteni.
9. Indhlebe' i tshel' inhliziyiyo.
10. Idili l'enziwe ngumninilo.
11. Ukwenza ku-y'emuva, ku-ye pambili.
12. Wa ngi tshaya nge-mf' i pindiwe.
13. A wu-mbiwa ndawonye.
14. Ingweny' i-dhlel' emsingeni.
15. Isikuni si buye no mkwezeli.
16. Guga mzimba ; hlala nhliziyiyo.
17. Indod' i-fel' emaqeleni.
18. Ingqala ngo buhle i gcina ngo bubi.
19. Ng' etemb' umnyam' u nge na-fu.
20. A ku mvunisi o nga buyi ne ngqobe.
21. Ibazo li buya ne nhlanhlula.
22. Igeja li tengwa ngo kubonwa.
23. Umntwan' o nga kali u-fel' embelekweni.
24. Umenziwa ka kohlwa, ku kohlw' umenzi.
25. Into le i ngumbete, won' u wohlokayo.

23

UKUBULAWA (a) KU KA DUBE NE SIZWE SA KWA NYUSWA ; (b) KWA BAMBO

(a) *Ukubulawa ku ka Dube ne sizwe sake.*

uDUBE, inkosi ya kwa Nyuswa (kwa Ngcobo), 'uyise ka Mqawe, oyena wa zal' uMandhlakayise, inkosi ya maQadi.

Kuse kwa Zulu, eGqalabeni, baye ba namatela nge

sikala si ka Matshisa (eduze no Tukela, eduze futi na la kw-ake kona namhlanje isizwe si ka Ndube, wa kwa Magwaza). U-t' uDube wā cetshwa uManqondo¹ ka Mazwan' eNkosini, ku Dingana. Ngoba wā-t' uDube : "uManqondo wa yo ng'akela ngezansi kwami na ? Izingane zami, mhla ku-tiwa z'onile,² zi yo puma ngapi na ? "

Wa hamba-k' uManqond' e se-y' eNkosini. Wa-t' eNkosini : " Ng'ahlulwa ilel' izwi li ka Dube, ukub' a-ti ngi m vimbele ngezansi ; izingane zake zi yo pumapi na ? " " U-tsho njal' uDube na ? " se ku-tsh' iNkosi-ke. " Hayi ! Bab'³ u-tsho njalo." Wa-ti : " Weu ! Ku ng'enziwa njani njena na ? Kant' uDube ut' e se-z' e be qapel' ukuti 'kuyoti' mhla z'onile izingane zami zi pume ngapi ? " I-ti-k' iNkosi : " Qa, a z'one kona namhlanje ! "

Za-ti-ke izinduna : " Nkosi, ku yo-lw' impi ; amaQadi maningi kakulu. Ku nga kuhl' iNkos' i ba yeke. I-ti ka ba twal' izigxobo ; ba zi lete lapa." ⁴ Se be zi twal' izigxobo. Se be fika-k' eMgungundhlovu. Soku-tiwa : " Qa ! Ka ni pelele ; landan' abanye. Ku nga hlali ne si ne dolo (isalukazi)." Se be zi twala-ke ; ku qubuka-ke ne si ne dolo.

Sebeti-ke, be qamuka ku Cebe⁵ pezulu, se be ngen' umlomo wabo eMgungundhlovu. Se be ngena-ke, be

¹ Inkosi ya kwa Magwaza. uNdube lo umntanake.

² Ka ku kulunywa nge zingan' uqobo, ku-tshiw' abantu nje bakwake. Ngob' izono lezi zi vela malang'onke ; kokunye, bese ku-tiwa uDube (ingabe no muntu wakwake nje) w-enz' ukuti no kuti, kanti ba ya qanjelwa. U bona kona loko-k' umfo ka Silwane.

³ Baba.

⁴ Ukwenza kwa kwa Zulu, ukuti, ma ku zo kw-akiw' into komkulu, bese ku menyezeliw' ukuti 'a ku-z' izibonda na mahlahla.' Lapa-ke, emaQadini, kwa ku bizwe izibonda zodwa.

⁵ Intab' e seduze no Mgungundhlovu.

zongolozela, be z'etul' izibonda. Ba z'etula, ba z'etula, ba z'etula: Ya i si-t' iNkosi: "A ku pum' umpakat' u vimb' izintuba zonke." So ku kupela-ke.

U su puma wonk' umpakati, u vimba zonk' izintuba. Se be ngena; baze ba pelela, bati nya. Bayati ngci ukupelela, ku-tiwa: "Ba bambeni!" Sokuti ngci na sesangweni lapa be ngene ngakona. Se be tshaywa-ke; so be lingiswa ukuba kwa kw-enziwa emaBunwini njalo.¹

Kanti-ke ku njalonjalo, u sel' umfokazana wa kwo Dube kona pansi kwe ntaba. Ut' ukub' a bon' ukuti 'Ha! Se ku suk' isidumo, ba ya si bulala!' wa tatela nge dal' ijubane, e qond' ekaya, uku-yo-vus' uDube. Uset' ub' a m vus' uDube, uset' u ya pum' uDube, kwa ku ilap' imp' i si teleka pakati kwe-zwe. Hau, uya u ya ngena ku Nongoxi.² I si m bon' impi; i si m hlangani-sela; i si m bulala.

Se li ya citeka-ke lonk' e la semaQadini; se li ya wela; se li-za nga seSilungwini. uDube u-fele kona ngapetsheya kwo Tukela, kwa Zulu. Se ku wel' izingane lezi, oMqawe. Se be-ti b'otiwa uManqond' eNkosini. Kant' uManqond' u be xox' igamu lokuti uDube u-ti 'ngi m vimbele ngezansi, izingane zake zi yo puma ngapi; mhla ku-tiwa z'onile na?'

(b) Ukubulawa kwa baMbo

Kwā fik' izwi, li vel' eNkosini, lokuti: "A ku kupuk' iNguqa," ibuto la seMbo, elinamandhla. Lase li kupuka-ke njalo, li-ya komkulu. Wa ye se-t' uDingana ā ba lingis' impi, ba gijime. Ba gijima; baze ba buya be-za ku Dingana. Abuy' a-t' uDingana ka ba pindele.

¹ Ku-tiwa loku kw-enzeka se ku dhlulil' o kwa semaBunwin.

² Umful' o ne hlali.

Nembala, ba pindele. Abuy' a-t' a ba pindele. Ba pindele. Wa ba bona manje ukuti se be katele; se be ne zenzane.¹ Wa ye se-ti a ba bulawe njalo. Ba bulawa; ba bulawa bonke. Kwa sind' o zi balekelayo nje, ngob' e se catsha naye.

§ Lok' ukwenza ku ka Dingana, ko ku bulal' amaNyuswa na baMbo nge zindhlel' ezinje, ku fana no kwa-mhla e zum' amaBun' eMgungundhlovu na seNatala, be ng'one luto bonke no lunci. Iwon' umkub' onje-ke o w-ētus' iNdhl' eMhlope; ya bona kaloku ukuti ku fanele ukuba bu cinyw' ubukosi ba kwa Zulu, bu pele buti nya; ngob' umbuso wo budhlova u ngeze w'akelana, u hlalisane kahle no mbuso wo kukanya.

24

UKUDABUKA KWE GODA

uDINGANA wē-nel' uku-m-bulal' eMgungundhlovu uPiti, e ne viyo la maBun' e la li hamba naye ² (ngo 6 February, 1838); wadhlula wa bulal' amany' ā seNatala, ayes'aqed' uku-fika ku lelo-zwe (ba hlanganisa konke ne sifazane ne zingane); kwase ku bobok' impi; ya qamuk' ezindawen' ezimbili.

Enye ya vela nga semaBunwin' ā ngenise nga kwa Nobamba (*Weenen*) na sezindawen' ezinye za ngakona; enye ya vela nga semaNgisini a seSibubulungu, eTekwini. E ya maBunu-ke i hlasela ngob' uDingan' ā bulal' abakubo, be ng'one luto; e ya maNgisi, i-lwa ngob' uDingan' e

¹ Uzekezeke, intola.

² amaBunu a ye ngamatshum' a isikombisa (70), be na maLawu (izicaka zawo) a ngamatshum' amatatu (30).

bulel' uDamuse¹ kanye no munye² wakubo,—nabo futi be ng'enze luto.

E ya maBunu ya i ngamakul' amatatu na matshum' ayisihlanu (350). Yā puma ya qonda nga seMgungundhlovu; ihamb' i petwe u-Pieter Uys no Potgieter. Leyo-ke ya-lwa kancane; isibuy' i kumuk' i pindel' emuva.

E ya seTekwini ya i zinkulungwan' ezimbili e zi-va nge kulu (2,100). Ku leyo-ke, ku kon' abantu ba ka Fodo³ (600); na ba ka Pobana⁴ (450); na ba ka Jana⁵ (450); na ba ka Wohlo,⁶ ba kwa Mnini ka Manti (350); kanye na banye-ke. Leyo-ke ya i petwe ib' oJana no Wohlo no Pobana. I hlome izihlangu ne mkonto; ku kona fut' izibamu ezingamakul' amatatu (300). Yasuka ya yo hlasel' abant' a ba konze kwa Zulu, kanti bona b'ak' eNatala, enhla, ezwen' e l'ak' amaCunu namhlanje. Iti yona y-elekelel' amaBunu ngo kwenze njalo. Ya i si-dhl' izinkomo-ke, izinkulungwan' ezisitupa (6,000). I si buya nazo.

Se ku fik' umfowabo wa lo omunye wa seTekwini, o wa bulawa impi ka Dingana,⁷ e vel' eRini. U se-ti a i pume futi i yo hlasela, i-ye kwa Zulu; i wel' ezansi, nge la seDhlokweni. Nembala ya hamba. Kwa pum' amakul' a umkoti ā na matshum' a yisihlanu (750); i petwe uJana, nay' u-Biggar lowo.

Kanti kade se be yi-zwil' a ba kwa Zulu, ukut' i ye-za. E ya kwa Zulu-ke, nga ku leyo ndawo, ya kwa Hlome-

¹ u-Thomas Halstead, wa seTekwini. Wa-fa no Piti eMgungundhlovu, e lirumusha lake. Wa ye-zel' uku-zo-rumusha kodwa; e ngomdala wa seTekwini. Wā fika na bakuqala,—oFebana, no Mbuyazi, no Wohlo.

² u-George Biggar. Naye lo, wa ye ngo wa seTekwini. Yena-ke wa bulawa e semaBunwin' a nga kwa Nobamba; e hambele kuwo.

³ Ka Nombewu.

⁴ u-Frank Fynn.

⁵ u-John Cane.

⁶ u-Henry Ogle.

⁷ O wa bulawayo u-George Biggar; umfowabo, u-Robert Biggar.

ndhlini, ya i petwe uMpande. Ite-ke e ya beLungu, ngo kuwela kwayo, ya i si qonda nga semzini ka Zulu ka Nogandaya, eNdondakusuka. Ilapa yā zuzana kona-ke. Kw' ahlulw' e ya seTekwini. oJana no Biggar bā-fela kona; na bantu babo ba-fa kakulu. abeLungu a bā sinda lapo bane kupela. Leyo-ke, ya-lwa ngo April, 1838.

Kute-ke, i nga ka xoxwa kwa Zulu le-mpi, kwase kubuye ku qamuk' enye ya maBunu; leyo-ke i petwe uNgalonkulu.¹ E la kwa Zulu i li ngenel' enhla no Tukela, nga kwa Jimu njeya.² I hamba ne zinqola; i gibel' emahashini; ku petw' ombayimbayi; i makulu mane na matshum' ayisitupa na mkoti (467). Iyo le-ke e y'ahlul' uZul' eNcome,³ ngo 16 December, 1838.

B'enz' isikaniso nge zinqola pezu kwe Ncome; ku kon' udonga nganhlanye. Izikal' ezinqoleni ba zi vimba ngo munga no mtolo; izinkabi na mahashi ba wa buyisela ngapakati. I qalene ku nga ka-si kahle. Ya-lwa kwaze kwa semini ya kusasa. Ayes' e pum' esikaniswen' ama-Bun' amaningi, e kwelel' emahashini; ayes' e yi xotsha-k' e ka Dingana. Kwā-f' abantu a ba zinkulungwan' ezintatu lapo (3,000); nga semaBunwini ka ku-fanga nom' emunye,—kwa ba zinkubel' ezintatu kupela, enye ku nguy' uNgalonkulu.

U se puma-k' uDingan' eMgungundhlovu; u se baleka e yo tshona le nga senhlanganweni ye ziMfolozi zombili,—nga seHluhluwe, enhla nalo.

Kute, ukuba ku-zwakal' ukut' e ya kwa Zulu y-ahlu-lekil' eNcome, yonke le e sezansi (ya kwa Hlomendhlin' oMhlope no Hlomendhlin' oMnyama, e petwe uMpande),

¹ u-Andries W. J. Pretorius.

² Rorke's Drift.

³ A ba-t' abeLungu, *The Battle of Blood River*.

ya i si suk' i si banga nga seMgungundhlovu, it' i yo kwelekelela. Kodwa, yāt' ub' i fike, ya bon' iNkos' i si pumil' ekaya, isiye ya yo tshona nga seHluhluwe; no Mgungundhlovu u ngaseko, i si wu tshisile.

Imp' e ya baleka no Dingana yā hamba ya yo ngenis' ebaQulusini, ku Mnkabayi. amaBunu-ke, at' ukub' a dhlul' eMgungundhlovu (la ā bona kon'amatamb' a ka Piti na we zinsizwa za maBun' a ba-fa naye,—e bonw' e *kwa Matiwane*) ayes' e 'bekisa nga senyakato; a l'enyusa, ay' a ngenis' okalweni, kwa Mtanotengayo.

uDingana ka hlalanga sikati esikulu nga seHluhluwe. Ut' e suka lapo, wayes' e-y' empini yake, le e sebaQulusini.

So ku qamuk' uBongoza-ke lapo. U se-t' eNkosini a ku-ye yen' emaBunwini, a yo ba yenga ngokut' iNkos' i si hlezi yodwa na bafazi ne zingane; ne zinkomo lezi zayo, e zi qed' izwe ngo buningi, ka zi sa 'bekwe muntu, ngob' impi kaiseko. Wa vum' uDingana. U se-ya-k' emaBunwin' uBongoza. U se ba yenga-ke. (Konke loko kwenza kwake se sa ku bek' encwadini. B. ku *Hlangakula*, kk. 60-62.)

Lapa-ke, si ng'enezela kancane nje, nga wokuti:¹ amaBun' ē-hla qed' oPate, ayes' e bang' eMfoloz' eMhlope. Kwase ku vel' iqaw' elikulu la kwa Zulu, uNozaza ka Ntusi; u se dumel' iBunu elipezul' ehashini, et' u ya li gwaza; lona-ke la m tshay' nge volovolo, inhlamvu ya ngen' ebunzi, ya m lahla pansi. Abuy' a penduk' amaBunu, a qonda nga soDhlambedhlwini. Kanti ngalapo ku kon' imp' eny' ecatsihle. Ba sinda kodwa, ngoba be gibel' emahashini. Impi ya lelo langa ya-lw' emini. Indun' e ya i pete lapo, uNtubana ka Mpaka, uFasimba.²

¹ Si land' amazw' a ka Sivivi ka Malungo, o wa ye kuyo leyo-mpi ya soPate.

² Ibuto lake.

Impi ya kwa Zulu, ukub' i wa xotsh' amaBun' oPate, ya i si-ya ku Dingana, eMfoloz' eMnyama; i si yo butanela kona. iNkos' i si-ti-ke lapo amabut' a hlakazeke, a-ye nga semakaya; a yo lungisa. Kwa hamba kwa hamba ku njalo, uDingana u se kip' amabut' amabili, uDhlambedhlu ne Zinyosi, e se-ti ma hamb' a yo xotsh' amaSwaz' a nga soPongolo. Nembala, kwa-yiwa lapo; a xotshw' amaSwazi.

Sekuti-ke, nxa ku njalo, iNkos' i si tum' inceku yayo, uLubara. I si-ti ma i yo tshel' uMpande a kupuk' e-ze kuyo; e-ze nayo yonk' impi yakwake. Ku tunyelwa kuye nje, uMpand' u kwe la kwa Hlomendhlini, enhla nalo. E la kwa Hlomendhlin' izwe li suk' esizalweni se Matigulu, la e ngen' olwandhle, umncel' u bu su wenyus' umfula u yo nqamula ngezansana ku ka Magula (intaba), u bu su hamb' u yo hlab' oTukela, nga ku Madungela, na nga sezibukweni la kwa Ndondondwana (pansi ku ka Ntunjambili). Nga seningizimu, umncele uTukela.

Kwāt' ukub' uDingan' a dedel' amabuto, a-t' a hlakazeke a-y' emakaya, amanye a ye se-ya nga kwa Hlomendhlini lapo. uDingana u-ti ma ku kupuke leyo-ke. U se pendula-k' uMpande, u-t' encekweni ka ku-za na wa kwa Hlomendhlini, ngob' amakaful' a seSilungwini, ayot' a nga bon' amabut' a kwa Hlomendhlin' e se hambile, abes'e lu wela masinyan' uTukela a zo-dhl' izinkomo zabo; atshay' a zi qotule.

Ya buya-k' inceku, i si yo i tshel' iNkos' amazw' a kulunywa uMpande. U se tukutel' uDingan' e-fa; u se-ti: "uMpande lo w-alelani na mabut' ami? Loku ne-zwe se ngi li tolile nga seSwazini? Ini mina ngi wa bizile, yen' abes' ala na?" U s'enz' icebo-ke lo ku-mbulala. U se fun' umhlambi we zinkomo; ku-tiwa kwa ku zitole ezilikulu, et' uMpand' u zo m yenga ngazo; at'

a nge-za-k' uku-zo-bonga, abes'e m bulala. Soku-tiwa ma zi tatwe uNxagwana no Matunjana, izinceku zi ka Dingana.

U se-zwa-k' uNdhlela, undunankulu we-zwe, ukuti li kon' iceb' e lenziwayo, lokuba ku bulaw' uMpande. iNkos' i bi nga m tshelanga yena. I m fihlele; y-enza ngob' uNdhlel' u y'al' ukub' a bulaw' uMpande. Na pambili wa y'ala, e-t' eNkosini: "Hau! Ungaz' u bulal' uMpande lo, into le ya semsizini; isilima lesi, e se sa-fa umcoboko?" Wa ye se m yeka-k' uDingana ngoba kw-al' uNdhlela.

U se-zwa-k' uNdhlela (u-zwa ngo kunyenezelwa) ukut' iNkos' i fun' isu elinjalo; nokut' izitole lezi zi zo qutshwa uNxagwana no Matunjana. U se tum' inceku yake-ke, uRwayirwayi. U-ti: "Hamba, Rwayirwayi, u yo ngi qwebel' uMatunjana, e-ze lapa kimi."

U ya puma-k' uNdhlel' ekaya, u-y' entabeni, u-ti: "U yo-za naye kim' entabeni. U yo ngi funyanis' ehlanzeni" (endawen' etile). Wa ye se m biza-k' uMatunjana uRwayirwayi; wa mu-sa ku Ndhlela kon' entabeni, esixeni. Ba ya fika-ke. U se no munyu uNdhlela ukuba ku zo ku-f' uMpande,—ekad' e m fihla, e-ti kayi ku-banga.

U se-ti-ke: "Hamba-ke Matunjana.¹ Uyot' u ku 'Komo u m tshiy' uNxagwana, u-ti: 'Ngi-y' eMpapala ezintombini zami, e zi ngi qomile.'" (Zi sezweni li ka Ndhlela. uMatunjana za m qom' eketweni. uNdhlela wa ye kw-azi-ke loko, ngob' izintombi lezi zi zelwe umuntu wakwake.) U-ti ma-tsho njalo, ngob' e m kohlis' uNxagwana.

U-ti: "Matunjana a li ku-ma izwe la kwa Zulu ku nga-f' uMpande, ngoba umunt' o zalayo. uDingana ka na ngane. U njengo Tshaka. uMpande u zo-mis' izwe

¹ Ka Sibaxa, wa semaNkwanyaneni.

la kwa Zulu, ukuba li nga boli." U ya hamba-k' uMatunjana ne sifuba si ka Ndhlela: U yo si kipa ku Mpande.

Se be hamba-ke ne zitole, oNxagwana no Matunjana. Sekuti, se ku nga ku 'Komo, uMatunjana u se m kohlis-a-k' uNxagwana. U-t' u sa-ya nga sezintombini zake. U hamba li tshon' ilanga. U s'ehlis' iMamba, e hamba ngo kucatsha; u se bang' emzini ka Mpande, eMpenqaneni (wona lo, la izitole be zi-sa kona). (U sezansi na Madungela, eduze no Tukela.) U ya fika ku lowo muzi, so ku-hlwile; u se pons' itshe, e tshaya ngalo indhlu ye nduna. I si pumela ngapandhle. U se-t' uMatunjana u fun' uku-kuluma no Nkonzapi.¹ I si mu-sa kuye-k' induna. Ngo kufika kwabo ku Mntwana, u se-t' uMatunjana induna a i hambe, ngob' e fun' uku-kuluma no Mpand' e yedwana.

U se-ti-ke uMatunjana (ku Mpande): "Si yo fika kusasa ne zinkomo; zi-piwa wena uDingana. Ufik' u bongwe nje; u bongwe mina no Nxagwana, uba nam' u ng'etuka." Se be ngen' endhlini. Se ku vusw' uSongiya, unina ka Mpande. U-ti: "uMatunjana a ka bonwe no mame. A bone lo o zo ngi vusa; umam' e-zw' amagam' a ka Ndhlela." Unina u ya bongwe-ke. uMatunjana u m nik' upiso lo tshwala. U se muka kon' ebusuku-ke.

Se ku-sa e kona; e lapaya eMamba, oSungulweni. U se fika ku Nxagwana ukuba ku pum' ilanga. U se-ti (uMatunjana): "A ku pekw' inyama si hambe, si qub' izinkomo si zi-se ku Mpande." Se be hamba-ke, b'ehlis' aMadungela.

Se zi fika ku Mpand' ekaya, eMpenqaneni.² So ku halaliswa. Ba bong' amakosi oNxagwana no Matunjana.

¹ uMpande.

² Lo muzi o ka Mpande e se umntwana. Ku kwabo. Kute, ukub' a ngen' ebukosini, lase li yekw' igamu lokuti ku seMpenqaneni, kwa-tiwa ku seMlambongwenya.

Ba-ti: "Bamba, Mntwana! U-piwa iNkos' umfowenu. U-ti xeza no nyoko. U ya ku lumela." U ya puma-k' uSongiya, u zi tshaya nge nduku, e halalisa; u ya bonga. So ku ya pela-k' ukubonga.

Se be ya zi beka-ke. uMpand' u ya bonga-ke: "O ka Baba u ngi dibikezile¹ ngo ku ngi-p' izinkom' ezingaka." U se ba hlabis' inkomo-ke kwe zake, e zi sekaya lezi—inkomazi. So ku buswa-ke, ku-dhliw' utshwala ne nyama. Sebeze ba lale-ke.

Se be hamba-ke kusasa. Se be muka. U se tshiy' uboko uMatunjana. U se buy' entabeni, e-ti: "Ngi kohlwe uboko lwami." U se yo ngqungqut' amagam' a ka Ndhlel' onke; u be nga wa qedile. U se wa qeda wonk' amagama, ngqu. U-ti: "Ungeze we-za uku-za-u-zi-bonga. Uzaufik' u bulawe. U-t' uNdhlela, ó wela namhlanje, u-y' emaBunwini. Kon' e-fil' uNdhlela, wā-fela wena; wo ondhlel' izingane zake. Ka sa zi nake-kele yena. U kona wena; u z'ondhl' abantabake."

uMpande wā pum' ekaya ngalo lona lelo langa, e se-y' emaBunwin' a ngapetsheya kwo Tukela. uZulu-ke lapo u se dabuka kabili. Lonke leli e li sezansi li muka no Mpande; e li senyakato, li sala no Dingana. *Ukudabuka kwe goda iko loko-ke*; ku-tshiwo ngoba ku dabuke pakat' umuzi wa kwa Zulu. Wa ukad' u ligoda ngapambili; u hlangene, u bungelene, u hlezi ndawonye, njenge nkata ye-zwe. Igoda li dabuka nje, kw-enziwa uDingana lo, o pike njalo ngo kubulal' abafowabo. uMpande u bongwa ngako konke loku-ke, nxa ku-tiwa:

"Mdayi! Sabela kwe li petsheya!
Izalukazi zi ya u'sal' emanxiweni,
Amaxeg' a ya u' sala semzileni.
Isikukulane si ka Ndaba!

¹ U babaz' ukupana kwako.

Si kukul' omame, sa b'etshata;
Saye sa ba lahl' ezinkwazini,
Ezinkwazini ze mfula,
Ezinkwazini zo Tukela." ¹

uMpand' u se konza-k' emaBunwini. amaBun' a se-ti a kupinde ku hlaselwe masinyane kwa Zulu. E ka Mpande i si hamba ne ya maBunu; i mzila mbili. I si li ngena yombili-k' izwe la kwa Zulu. I qonda nga senyakato. Isiz' i-lwe-k' eMaqongqo; i-lwa ngo 30 January, 1840. [E ya seMaqongq' indaba i ku *Tulasizwe*, kk. 83-88; kuze ku 'bekwe futi, uHlangakula, kk. 37, 38.] Yā-nel' uku-lwa (kw'āhlulw' e ka Dingana), kwase ku bulaw' uNdhlela; ku-tiwa imp' u y'onile, ngob' e ng'enzanga ukub' i bambe kanyekanye yonke.

Ub' a-f' uNdhlela, wa b'ondhla-k' uMpande abantabake. Wa ba-p' izinkomo. Wa qala ngo Godide, omdala. Wa mu-p' izinkom' ezimakul' amabili na matshum' ayisihlanu (250). U se ba-pa bonke-ke abanta ba ka Ndhlela. Wa b'akel' imizi. Wa ba-pa bonk' izinkomo nga matshumi nga matshumi. No Cetshwayo, uba wa ye nga bulawanga amaNgisi, wa ye yo b'ondhla; a ba xotshis' izinkomo, njengo kwenza ku ka yise.

25

IZIBONGO ZI KA MPANDE—IV

iMAMB' e bamb' izinhla,²
Y'enyus' iVuna;
Imhlambi ya maduna ya gugudeka,³
Ku gugudek' e za oMapita,
Kwa gugudek' e za oTokotoko;

¹ B. ku *Tulasizwe*, k. 68.

² I nga sombululile.

³ Zi baleka, z'etuka, zi-y' enqabeni.

O wa-dhl' izinkomo za opalane¹ zonkana ;
 E zo Mbelebele za muka no moya.²
 uSibamba si y'apula, si libubesi ;
 Isihlahla so mtshungu,³ so mbelebele,⁴
 Si gaulwe uXwana,⁵ wa seMbongombongweni ;
 Amazemb' a qundekile.
 uMzingeli ka dinwa lirawu,
 Ingan' abadala li ba dinile.⁶
 U be umsingi⁷ wā-nhla ;⁸
 E ngumsingi wa zansi.
 iNtaka-nsinsi⁹ ka Ndaba !
 Okade kwa-sa be sisitek'¹⁰ abakiti kwa Zulu ;
 Izinkomo za yi twal' imlomo,¹¹
 Za qond' eSibubulungu.¹²
 uSima-yedwa, njenge langa,¹³

¹ Amabut' a nga ka ganwa, njenge Ngobamakosi no Kandempemvu (i nga ka-lw' impi ya beLungu).

² Za papateka, za baleka ; ka zi-dhla.

³ Igamu lo muti.

⁴ = mbhelebele. Na loku futi umuti ; lowo muti-ke u na masi at' a nga ngen' emehlwen' o muntu a vuvuke, abes' a-hlulek' uku-wu-gaula. Umbelebele wa u mningi nga seMaqongqo, lap' impi yake ya-lwa kona ne ka Dingana.

⁵ Ka Ngqengelele ; eMbongombongweni umuzi wake. uXwana wa ye-lwel' uDingan' eMaqongqo. Ka-fanga kodwa lapo. Uze wa bulawa uMpande, ngob' e banga no Mnyamana.

⁶ Ku-tshiwo ngoba wa ye hlekwa uDingana ngokut' u isituta.

⁷ Ukucinga.

⁸ uDingana uze wa m tol' enhla, eMaqongqo.

⁹ Ku-tshiwo ngob' e mncane, e nga pelele ndawo ; int' emfutshane, e nge na mkuba.

¹⁰ Kwā kade ku hlek' a ba nga ku Dingana. Ukusisiteka, ukunya-kaza.

¹¹ Ku-tshiwo uku-kala, uku-'bonga ngo ku-wu-'bekisa pezul' umlomo.

¹² Si seTekwini. Wa ye qond' emaBunwini,—eMlazi na seMgungu-ndhlovu.

¹³ Wa ye yedwa ngoba ya i ngek' indodan' enye ka Senzangakona ; wa ye se ba bulele bonk' uDingana.

Lona li-mi lodw' ezulwini.
 uSanda-sitebeni, njenge nsonyama.¹
 uMhlop' opandhlwāyo,² kiti kwa Nodwengu.
 iNkonyane ka Ndaba,
 E ya kula be yi zonda ;
 Njenge sixumu³ se nyamazane.
 iSimemezane,
 Si menyezwe nga maSwazi ;
 A-ti : " Za pel' izinkomo ngamaSwazi ;
 A zi nqum' amatshoba,
 A zi bon' ukugeza." ⁴
 uMpande ka zi tand' izinkomo
 E zi lotshwe nge newadi ;
 Ngoba izinkom' e zi ne newadi, e za maBunu.
 U be sa qonde kwe zi ka Somcuba.
 Ut' e nga ka gezi no kugeza,⁵
 E sa hlezi no Nongalaza, no Sondoda,
 Wā se tat' isihlangu, e se hloma ;
 Ngoba iNkosi ya kwo Sihlangu.
 Kauleza,⁶ nkume⁷ ka Ndaba ;

¹ Ngoba waqala wa ba umuntu nje ; ka ba luto ; eset' e tata, wa ye s'anda, a se ba iNkosi ; kanti wa ye mncane. Ku njenge nsonyama e pekwe i ncinyan' embizeni ; i ye-pulwa, i si gewal' isitebe ; ku-tshiwo-ke nxa i si vutwe kakulu.

² Loku ku-t' uMpande muhle, u fana ne nkom' emhlope. Uku-pandhla, uku-xopa ; i xope ngo buhle.

³ Umtwana we nyamazane, o se mncane, ojing' (ohlez') e funwa abantu ; be nga si toli (isixumu), size si sinde.

⁴ Kwa memez' amaSwazi, e bulawa uMswazi, inkosi yakona. Base be memeza, be tumela ku Mpande, be-ti ka zo ba tata. Bala-ke, wafika wa ba tata, ne zinkomo, konke.

⁵ ukugeza,—ku-tshiwo ngob' amatshob' e mahl' impela ; e mhlope, sengat' a geziwe.

⁶ Wa ye sa hlezi nje, e nga ka gezi ; ku sekuseni.

⁷ Tshetsh' uku-hamba.

⁸ Isilwanyakazane esiti, nxa umunt' a-pul' ukuni la si kona, si-tshetshe si baleke, si sitele.

U zo yi fic' imizi emapeteleni ;
 Nge ya oDambuza,¹ kwa Ntombela ;
 Nge ya oNdhlela ka Sompisi ;
 U nga ba funyanisa be hlez' endhlini,
 Be s'ak' izitanga,
 U wu² fak' entombini, u wu² fak' endodeni ;
 Ku ya-ya kwa Hlatikulu,³
 Se ku lutshongolo.⁴

26

UKULOTSHWA KWE SIZULU

I

ABELUNG' a bā qal' ukufika kwa Zulu na seNatala (si-tsh' a be-za ngo ku zo l'aka), kwa ku ngamaNgisi,—uFebana no Mbuyazi. O wa fika kuqala ngqa, uMbuyazi;⁵ kwase ku landel' uFebana.⁶ Ba fika njalo, ba na banye.

Nga leyo nkati-ke, wa ye ngek' umunt' omnyama, nom' emunye, kulo lonke lel' izwe, o wa y'az' uku-lob' incwadi. Nabo-ke abeLungu ba be nga ka lw-az' ulimi lwa kwa Zulu.

Kute, se be lu fundafunde kancane, base be linganis' uku-lu-loba-ke. Kodwa, ba hambisa kalukunyana ; ngob' igama li ka Tshaka, bā liti : *Chaka, Charka* ; e li ka

¹ uNzobo.² Umkonto.³ oBonjeni, kwa Nyawo.⁴ Utuli o luye lu suke pansu, lu suswa umoya.⁵ Ngo May, 1824.⁶ Ngo July, 1824.

Dingana, ba liti : *Dingān, Dingarn* ; e li ka Mpande, ba liti : *Panda* ;

elokuti uZihlandhlo	ba liti	<i>Sischlanslo</i>
„ uMhlangana	„	<i>Umslumgani, Umthlangān</i>
„ uMbopa	„	<i>Boper</i>
„ uNandi	„	<i>Umnante</i>
„ uNdhlela	„	<i>Umthlella</i>
„ uDingiswayo	„	<i>Tingiswaa, Tingaswāo</i>
„ uZwide	„	<i>Zueede</i>

elokuti kwa Bulawayo (Gibixegu)	ba liti	<i>Umboolalio (Gibbeclack)</i>
„ kwa Dukuza	„	<i>Toogoosa</i>
„ uMbelebele	„	<i>Imbelli-belli</i>
„ eSizebeni	„	<i>Issiclebāni</i>
„ eMgungundhlovu	„	<i>Umkūnginglove</i>
„ uHlomendhlin' oMnyama	„	<i>Clomanthleen Neāma</i>
„ uTukela	„	<i>Ootoogale, Tugāla</i>
„ abeLungu	„	<i>Maloongoes</i>
„ inkosikazi	„	<i>Incōsa-cāse</i>
„ isibamu	„	<i>issebum</i>
„ umtakati	„	<i>Umtwagarty</i>
„ Yebo, Baba	„	<i>Yeārbo Bāba</i>
„ Ngi ya yi bona kona lapa	„	<i>Deāibona conalappa</i>

Kwase ku-ya ngo kuqubeka-ke. Kwa hamba kwa hamba, kwase ku fik' uKamungana (uGadeni).¹ So ku landel' abafundisi ba seMelika. Ibona-ke labo a ba linganis' uku-si-loba kahl' isiZulu ; b'enza be no Mankankana² (elinye, uHanise), kodwa yen' u fike ngemva kwabo ; no Sobantu ;³ no Rev. J. L. Döhne ; no Bishop H. Callaway.

Amabuk' aqamileyo, ā ye lotshwa ilaba-ke, nanka :

Schreuder, H. P. S., *Zulu Grammar in Danish*, 1850.

Grout, L., *A Grammar of the Zulu Language, etc.*, 1859 ; rev. ed. 1893.

Colenso, J. W., *An Elementary Grammar of the Zulu-Kafir Language*, 1855.

Döhne, J. L., *A Zulu-Kafir Dictionary*, 1857.

¹ Capt. Allen F. Gardiner, R.N.² Bishop H. P. S. Schreuder.³ Bishop J. W. Colenso.



Capt. Allen F. Gardiner.
(uKamungana.)



Rev. Lewis Grout.



Bishop J. W. Colenso.
(uSobantu.)



Bishop H. Callaway.

Colenso, J. W., *Zulu-English Dictionary*, 1861 ; 4th ed. 1905.

Colenso, J. W., *Izindatyana Zabantu*, etc., 1859.

Callaway, H., *Nursery Tales, Traditions, etc. of the Zulus*, 1868.

Callaway, H., *Religious System of the Amazulu*, 1870.

Bonke lab' abafundisi ba fik' eNatala nje, so ku kāde lu lotshwa nga seKipi; ku lotshw' ulimi lwa maXosa (amaXosa) no lwa beTshwana (*Bechuana*), ngob' abafundisi ba seKoloni na se*Bechuanaland* ba fika lapo ku nga ke-zi mfundisi ku leli lakiti. So ku bonelwa ku larwo mabuku-ke,—kakul' a we siXosa,—a seKipi. Se z'enziwak' izinewad' e zi lotshwe nge siZulu. Kw-enziwa nge-su e la vela nga seKipi,—emaXoseni na semaMfengwini.

Lo msebenzi-ke, a ba seNatala bā wu quba ngamandhla nge mnyak' e sukela ku 1846 iz' i fike ku 1870. Ku la mabuku (ku kona, belu, i-Bible pakati kwawo) ayed' e cindezelwa, lowo u be z'enzela ngo kubona kwake, na lowo futi a z'enzele ngokwake. A ku msebenzi ohlanganyelweyo; we bandhla la madod' a funde kahl' isiZulu. uSobantu lo naye wa ye hamba nge ndhlela yake (e tatela kwe ya seKipi), no Grout (wa seMsunduze) e-nza ngokwake; no Döhne, no Callaway, no bani, b'enza ngokwabo.

Into e y'enz' ukuba ku pangiswe ngamandhl' ukulob' isiZulu loku, kwa ku ngoba ku cingw' isu elibukali lo ku-fundis' abantu iZwi li ka Nkulunkulu, ukuze batshetshe ba kolwe. Bā bon' abafundisi ukut' iNdl' eMnyama ka yi ku-kolwa nxa abatshumayeli be-Zwi be nga si fundanga kahl' isiZulu. Se be kwelana naso-ke, be si fund' ezinewadin' e zi njenga lezi esikade si zi-tsho, e zi lotshwe a se beke ba lu fundafund' ulimi, noma be nga lu qedile.

uSobantu lo wā w'enz' a maning' amabuk' amahl' impela, ā lotshwe nge siZulu; wa ye-lekelelwa oWilliam Ngidi, no Magema (M. M. Fuze), no Mubi; ngoba yena,

uqobo lwake, wa ye nga s'az' isiZulu ngokupeleleyo. Na ku Grout kwa ku njalo; na ku Mankankanana, no Döhne, no Callaway, kwa ku njalo. Izinkunzi zi-lwa ne-nto e zi nga ka yi boni kahl' isigaxa sayo.

Kanti-ke, noko, oSobantu no Grout laba ibon' a bā fundis' abanye; baning' a bā tatel' ezinewadini zabo. Kwa ku se ngamalinganiso nje konke loko kusebenza kwabo. Yonke le ndaba yo kulob' isiZulu, na namuhla loku, ku se int' eyaluzayo; e nga ka bunjwa ukub' i tol' isimo sayo esiqinile, e si nga guqukiyo, sokugecina.

Ulimi lona, si-tsh' izinhlamvu lezi zo kukuluma, lwā dabuka na bant' *endulo*; kodw' *uku-lu-loba*, ku *int' entsha*, ya *namuhla*, e ya i ng'aziwa nakancane kuqala, abeLungu be nga ka fiki. Si-tsho ngakona-ke ukuti le ndab' i sa yaluza, i se-va, i se ibumba nje. Sonke le-nto si linganis' uku-yi-lumba, si y'enz' isitsh' esihle; kodw' i lukuni. Noko, ku yo hamba ku hambe, lize li tolakal' isu lo kulumba e l'ahlul' amanye. Kuti, ku nga ba njalo-ke, bese lu jiya-k' ulimi, lu tand' uku-fana ne zilimi ze zizwe zonk' ezikanyisiweyo.

Si kuluma nje, bonk' a be-Ndhl' eMnyama, a se be fund' ukuloba, ba y'az' ukuti le ndaba, yo kulob' isiZulu, i ya bangeka. 'Umbang' omkulu, omdala. Ku bang' abeLungu. Abamhlope ba banga bodwa, kant' ulimi lona o lwa bantu a ba nga sil' uhlobo lwakubo. Ini po iNdhl' eMnyama, eyona mnikaz' ulimi, i nga ngeni nayo ku loko kubanga? Ini ku nga vel' amadoda na besifazan' abafundileyo, ba pendule nga wab' amazwi?

Ku sa lelw' ubutongo nje, sengati ka kw-onakele luto, kanti nas' isiZulu si limal' izwe lonke, ngob' endawen' etile si lotshwa nge ndhlel' etile; kwe-ny' indawo futi si lotshwe ngokunye. Ku ya bangwa; kep' umbango lo u pembeke nga kwa baMhlope, isizwe esinye. Ini iNdhl'

eMnyama yona i nga papami, i pendule, ikona ku yo bonakala la iqiniso li ngakona?

Nati, incwad' e kulum' amazw' anje, si yi ngenisa lapa nje, ngoba sengati ku fanel' ukub' abantu, a se be kwaz' ukuloba no kufund' incwadi, ba bon' ukuti le ndab' enje i-mi kanjani; kakulu ngob' i pet' o kwo limi lwakubo. Imvama ya bantu ka b'azi nakancane ukuti ku kon' o ku bangwayo; futi, bon' a b'aziyo ukuti ku ya bangwa, basimze ba kohlwe nje ukut' ukubanga loku ku sukela ku ip' indawo, ezwin' elinjani. Siti-ke singake si ba bonabonise. *Ukufunda kona loko.*

Izwi e li bangwayo, ileli: Abanye ba-ti isiZulu, uku-lotshwa kwaso, akut' umunt' o si lobayo abelok' e qapelene na la ku pakanyiswa kon' izwi (*where the accent¹ comes*), abes' e nquma-ke lapo; elok' e-nze njalo-ke ko kunye futi, na ko kunye,—konkana. Abanye-ke bona, ba-ti: "Ca! A ku nga bi njalo. Ukulotshwa kwe siZulu ma ku qondane ne zinhlamvu zo kukuluma, zi-me z'ahlu-kene nge zinhlobonhlobo zazo (*the different 'parts of speech' should be written separately*),—njengo kuloba kwe zizwe zonk' ezikanyisiweyo, zingab' iloku zi banqaniswa ndawonye, ngapandhle kwo mtet' oqinile, sengati kw-enzelw' ukutikimez' abantu,—ba be ya fund' indaba, ne yeluleke kancane nje, ku ba libazise, ku ba kataze, ku gcine ngo ku b'enqenisa."

Ukuze ku cace kahle lok' o ku bangwayo, amazwi la alandelayo, a bekwe ngo kuqondaniswa; okwakuloba, ukuloba kwe-su o ku-tiwa *Conjunctive*; okwesibili, o kwe *Disjunctive (Discretive)*; (loku-ke, kwe *Disjunctive*, il' isu tin' e si hambisa ngalo ku lez' izincwadi zetu zi ka *Tulasizwe*, no *Hlangakula*, no *Baroxele*, kanye nayo yona le.

¹ U.t. penultimate accent.

ISU, O KU-TIWA CONJUNCTIVE

[Ukuloba ngo mteto wo ku-pakanyiswa kwe-zwi (the accent method)].

1. Inkosi inomusa; izaku-wavuma onke amagama etu, esizakuwatsho.

Ku tatw' ebukwini li ka Sobantu: *Three Native Accounts of the Visit of the Bishop of Natal in September and October, 1859, to Umpande, King of the Zulus.* Vause, Slatter & Co., Pietermaritzburg and Durban, 1901, 3rd ed. k. 39.

2. Watabata isibuko esino-Mkungo, wabeka, wati, A! uMonase wahle wati-ni-ke, lapa ebona loku? (ib. k. 39).

3. Ngitunywa inkosi; iti, angizokuyitsho, ukuti, ilapa ku' Mondi, lap' ikona, iya le emahlabatini, iya 'kubona inkosi (ib. k. 34).

4. Wati uSobantu, 'Kepa, nkosi, ikona into engitanda ukuyikuluma (ib. k. 43).

5. Unina uhlozela abantaba-keukudhla. Bryant, *Zulu Dict.*, k. 257.

6. Ujojo umi ngoti lwake (ib. k. 280).

7. Uzibuka amaxa amabili, ubuka-ni? (ib. k. 459).

8. Isela lishaya umuntu ngegula ebusweni (ib. k. 566).

9. Indhlovu idhla abasonde-eli (ib. k. 104).

ISU, O KU-TIWA DISJUNCTIVE

[Ukuloba ngo mteto wo ku-ahlukanisa maqondana ne zinhlobonhlobo zo kukuluma (word division in accordance with the different parts of speech)].

iNkos' i no musa; i za ku-wa-vum' onk' amagam' etu, e si za ku-wa-tsho.

Wa tabat' isibuko e si no Mkungo, wa 'beka, wa-ti: "A! uMonase wahle wa-tini-ke, lap' e bona loku?"

Ngitunywa iNkosi; i-ti, a ngi zo ku-yi-tsho, ukuti, i lapa ku Mondi, lap' i kona; i-ya le eMahlabatini; i ya ku-bon' iNkosi.

Wa-t' uSobantu: "Kepa, Nkosi, i kon' into e ngi tand' uku-yi-kuluma.

Unin' u hlozel' abantabak' ukudhla.

Ujoj' u-mi ngo-ti lwake.

U zi buk' amax' amabili, u bukani?

Isela li tshay' umuntu nge gul' ebusweni.

Indhlov' i-dhl' abasondezel.

10. Bekani! nginitshela o kwakuy' imfihlo kwokuti, sonke tina kambe asiyikulala, kanti siya'upendulwa sonke ngokungena 'mzuzu, ngokunga-ngokupazima kweso, ngembande yokugcina. Ngoba kambe iya-kuzwakala, abafileyo bavuswe bengasayikubola, tina sipendulwe.

Incwadi yokukuleka njengokuma kwebandhla las' England, 1907, k. 185.

'Bekani! Ngi ni tshela o kwa kuy' imfihlo, kwokuti, sonke tina kambe a si yiku-lala, kanti si ya u'pendulwa sonke ngo ku nge na mzuzu, ngo ku ngango kupazima kwe-so, nge mbande yokugcina. Ngoba kambe, i ya kuzwakala, abafileyo ba vuswe be nga sa yiku-bola, tina si pendulwe.

Ku 1, ukuti "inomusa," ku inhlanganisela ye *pronoun*, ne *preposition*, ne *noun*. Tina-ke si-ti nga ku lotshwa kanje: "i no musa,"—i-*pronoun* li-me ngokwalo, ne *preposition* li-me ngokwalo, ne *noun* li-me ngokwalo, kona ku zo kanya kahle. Ukuti: "izakuvavuma," ku inhlanganisela ye *pronoun*, ne *auxiliary verb*, ne *sign of infinitive* (ku), ne *pronoun*, ne *verb*. Si-ti lapa-ke nga ku-tiwa: "i za ku-wa-vuma," ikon' iso lo munt' ofundayo (when reading) li zo tshetshe li bon' ukuba ku-tiwani; li nga libali uku-hlakaz' inhlanganisela le ngo nonina bayo.

Na kuzo zonk' izindaw' ezinye-ke, ku 2, no 3, no 4 kuze ku fike ku 10, ilok' izinhlamvu zo kukuluma (*parts of speech*) zi nxadelwa kwe zinye, o kw-enz' ukuba ku dungek' amazw' alotshiweyo, a fipale, a nga caci masinyane ngokufanele. Si-tsho ngakona-ke ukuti lel' isu (*Conjunctive system*) li ya hlupa; li tikimez' abantu, futi li ya ba bambezela. Kanti be ku nga fanele nakancane ukub' abantu ba jiyeezeke, ngoba nazo izizw' ezimhlope, ko lwakub' ulimi, zi hambisa nga makul' amajubane, ngob' ukuloba kwabo ku cacile.

Ma umunt' o waz' isiNgisi e lalele nxa ku kulum' abe-

Lungu, u-zwa ku hamba njeng' o kwa bantu nje a ba kulum' isiZulu. Si-tsho ngoba ku ya tshetsha kokubili; ka ku dhlulani; ku hamba ku linganisene. abeLungu, nxa ku xoxw' indaba nge siNgisi, batshetshe be-zwane; na bantu futi, nxa ku xoxwa nge siZulu, batshetshe be-zwane; ku ya fana kokubili. Ka ba tshiyani. Abamhlope ka ba ba dhlul' abamnyama nxa ku kulunywa ngo mlomo. Kodwa, nxa umLung' e funda (*read*) indab' e lotshw' encwadini nge siNgisi, u m tshiya kud' o wa kwa Zulu o fund' indaba (e ngangayo le enye ngo bude) e lotshwe nge siZulu. Loko-ke ku bangwa ini na? Ku bangwa ilo lel' isu lo kulob' isiZulu, lo kubangqanisa ndawonye izinhlamvu zo kukuluma (*the conjoining of different parts of speech*), o ku ikon' o ku libazisayo nxa umunt' e fund' incwadi.

Nanso-k' int' e jiyeyayo, e bambezelayo, e limazayo, —ngob' ulimi lolu lu ya limala nxa lu nga lotshwa nge-su elilula, elilula ngoba li hambisa ngo mtet' oqinile, wo kuhlakaz' ukukuluma, ku-me ngo nonina bako. Kuti, ma umunt' e se ku fund' encwadini, a ku bone masinyane, —e sa kw-elamela nje—ukuti ku-tini, ngoba naku pela, se ku cacisiw' indawo yonke.

Into e pum' emlonyeni wo munt' i pum' i bangqene. Nxa se ku lotshwa-ke, iy' i xazululwe kahle yonkana, i xazululwe umlobi, izinhlamvu zo kukuluma z'ahlukaniswe nge zinhlobonhlobo zazo [*words are arranged separately in accordance with the eight classes (parts of speech) into which the words of every language are divided*], ikona kuyot' amagam' alotshiweyo, nxa e se bukwa omunye (o nga lobiyo, o pike ngo ku buka nje), atshetsh' a bone ukuba ku-tiwani, ngob' izinhlamvu se zi-mi ngo nonina bazo; zi-mi zodwa; ka zi sitelani. Se z'ahlukaniswe umlobi, pela. Ononina bo kukuluma-ke iko lok' a ba-t' abeLungu,

—*noun, adjective, pronoun, verb, adverb, conjunction, preposition, interjection*. Kakuk' okunye ngapandhle kwa lezo zinhlobo ezishiyangalombili, si-tsho na ku lup' ulimi. isiZulu, ne siXosa, ne siSutu, no lunjani fut' ulim' olunye, lungeze kwa lu qamb' uhlob' olunye ngapandhle kwa lezo. Umhlabati wonk' u pela, u-mi ngapakati kwa lezo zikonkwane.

Po-ke, ngoba ku njalo, kw-enzelwani ukub' isiZulu, nxa si lotshwa, amagam' aso a nge-miswa ngo nonina bawo, njengo kwenza kwe zizwe zonk' ezikanyisiweyo? Endulo, zona lez' izizwe ezikanyisiweyo, nawo amaNgisi la, ba be loba nge-su lo ku-zi-hlanganis' izinhlamvu zo kukuluma. Kwa hamba kwa hamba, base be bon' ukut' ukulob' okungecono no kulula iko loku ko kuhlakaza, no kuhlela nge zinhlobonhlobo, ukuze izinhlamvu zi-me nge zinhlobonhlobo zazo, zi-me zi nqunu, zingab' iloku z'etshetene indawo yonke, sengati zingane, e zi nga ka kw-az' ukuhamba, e zi sa beletwe onina.

Nxa ku lotshw' isiNgisi, i-*noun*, ne *verb*, ne *adjective*, ne *pronoun*, ne *adverb*, ne *conjunction*, ne *preposition*, ne *interjection*, kuye kw-ahlukaniswe konkana, ku hla-kazwe, ku-me kodwana. Iwona lowo-ke umtet' omkulu we zizwe zonk' ezikanyisiweyo (na be-Ndhl' eMnyama, a se be si fundil' isiNgisi, ba loba nga leyo ndhlela, nxa be lob' isiNgisi); ikona-ke loko o kw-enz' ukuba, ma umunt' et' e fund' incwadi e lotshwe nge *English*, ingabe nge *French*, nge *German*, nge *Dutch*, nge *Italian*, nge *Russian*, nge *Latin*, nge *Greek*, a bone se ku cacil' indawo yonke, se ku lula, se ku mnandi; a nga hamb' e hlupeka ngob' ehlez' e zi hlakazela yen' ukukuluma ngo nonina bako, njengo munt' o hamb' e hlwatiz' indawo yonke, e hlupeka, ngoba ku ngek' indhlel' ekanyayo.

Si-ti-ke tina, yonke le ndaba yo kulotshwa kwe siZulu

i-mi kabi. Ulimi lolu lu tol' ukulimal' okukulu ngako, ngob' abeLungu ba banga nje, abanye ba-ti a lu nga lotshwa nge ndhlela ye zizw' ezikanyisiweyo ; lu hlale nje, lu be ingxovangxov' indawo yonke. Kanti-ke tina si y'ala. Si-ti, int' enkulu kangaka, e njengo mpefumulo wa bantu be-zwe lonke, i fun' uku-cingelw' isu elihl' isibili, lo kw-enz' ukub' ulimi lolu lu nga tshoni pansi, lu-fe, lu pel' emhlabeni. O ku yo kw-eqela loko kunye kupela,—ukuba kutshetshe ku papame *umnikazil' ulimi*, yon' iNdhl' eMnyam' uqobo lwayo, i bi si 'bekisis' ukuti lo mbang' e si kuluma ngawo u-mi kanjani, nokut' intoni le, maqondana ne siZulu, e bangwa kangaka.

abeLungu bona a ba ku nakekele neze ukut' isiZulu. nxa kuhleze ku bangwa nje, nga si ya limala ini. Ba ya bona nje abanye ukuti ku y'onakala kona, kodwa a ku sinto yabo ; o kwe Ndhl' eMnyama, uhlob' olunye, amaNkengane as' eAfrika. Eyabo yona (isiNgisi) i pilile ; e ye-Ndhl' eMnyam' e si ngenelwe umoy' omubi.

Po-ke, nxa ku njalo, a ku vel' amaqawe nga ku yon' iNdhl' eMnyama leyo, abes' e li-lwel' igugu leli labo. Kwā-tshiw' endul' ukuti, *idhlozi li ya bekelwa*. Na namuhla ku sa-tshiwo. abeLungu bona a ba katali kakulu nge siZulu. Noma se ku kulunywa isiNgisi indawo yonke, si nga se-zwakali ndaw' isiZulu, ku ngaseko no yedw' o waz' uku-ti "yebo," no ku-ti "ca," abanengi ba nga simze ba halalise nje, ngoba bona be-ti si ya hlupa, si lukuni. Nxa-ke idhlozi li nga 'bekelwa abanikazil' ulimi, ubani o nga ba ne temba lokuti li zo 'bekelwa izi-nhlob' ezinye—ezinjenga maNgisi na maBunu? Pinde!

Ca! Zulu. Papamani, ni kwelane na le ndab' e ifa lenu. I sebenzeni kona ku se namhlanje nje. Cingan' isu lo ku yi lungisa, ni yi-mise ngokufaneleyo, na ngokuqinileyo kwe ngqondo yo budoda. Se be baningi manje

a se be nga yi ngen' indab' enje, b'enz' izaba zo kwele-kelela, nom' i lukuni. Lo msebenzi u njeng' o we-mpi. Nxa umunt' e-zwa ku kulunywa ngawo ku vuk' umhlwenga, abes' e tand' uku-zi-pons' empini, la ku kubi kona. W-enza ngakona, ngob' e bona se kw-onakala.

"Gqabula tole! Amatol' amany' a onin' a sa kulekiwe."

27

UKULOTSHWA KWE siZULU

II

IBUKU li'fana ne nxusa e li pet' amazw' o muntu. Amakos' a kwa Zulu (ngob' aye nga y'az' incwadi), ayed' e tum' amanxusa. Ngoba-ke ku kulunyw' izindaba ze-zwe ezinkulu, kwa ku cingw' abant' abahlakanipile, a ba ne pimbo, futi a ba ne ngqondo yo ku-wa-ngenisahahl' amazw' e Nkosi enkosin' enye, ba wa hlele ngo bunono, e-me kahle ngo bunzima bawo njeng' a we ndoda.

Indhlel' enjalo ya i nga hanjwa umuntu nje ; kwa ku hamb' o ketiwe kupela! Ibuku-ke nalo li njalo. Amazwi a ku lona, a hlelwa kahle ; futi kuhamba ku lolongwa ku lolongw' indawo yonke ; lab' a ba zo li funda b'enzelw' umcat' omuhle, ikona be zo nyatela kalula na kamnandi, bangab' iloku be kubeka, be katazeka. Lo o zo li funda k'aziwa pela ; ka bonwa ; u ya hlonitshwa-ke. Ma u m hlonip' umuntu, njenge ntomb' o yi qomisayo, ungek' u m enzel' int' embana, e zofik' i m hluphe. U m enzel' okuhle kodwa. Ebukwini, int' enkulu ku lona, amazwi a kulunywayo,—ubunandi no bunzima bawo ; okwesibili-ke, izaba o kw-enziwa ngazo ukuze lawo mazwi a

ngene kalula ku lab' a ba zo wa funda, lab' a ba nga bonwayo.

Amabuk' a pet' amazw' amaningi. Ngob' e maningike, na makas' a leyo newadi e maningi, ku ya bonakal' ukuti nxa ku nga sa lotshwanga nge-su elingcono, bonk' a ba li fundayo ba zo tol' ukuhlupeka, ba tikimezeke, beloku be tshikitshana ne zinhlamv' ezibaliweyo, be zi xazulula, be zi hlakaza, be z'enzani, ngoba ku nga bonakalisi masinyane (*umunt' e sa kw'elamela nje*) ukuti kutiwani. Nanso-k' indawana la si-t' iNdhl' eMnyam' i tand' uku-needwa kona.

Ukuloba loku ku ka Sobantu, na bany' a b'enza ngo ku fuz' okwake, ku lisu o kwa kw-enziwa ngalo ku sa bus' oDingana. Lā qanjwa amadod' a be nga lw-azisisi ulimi lolu o kw-enzelwa lona. uSobantu naye u se ngena nga leyo ndhlela-ke yakuqala, ya semaXoseni,—e ya mhla ukukanya ku nga ka ngeni emhlabeni njeng'o kwa namuhla.

Ngoba-ke ukukanya so ku tand' uku-ngena ngamandhla manje indawo yonke, se ku qal' uku-bonakal' ukuti isu leli elidala, la okoko, a ku sa fanele ukuba izi-newadi zibeloku zi lotshwa ngalo. Ku ya z'ona, ngoba ku ya zi dungadunga, ku ya zi siteza. Ku zi bangel' ukuwena; utshani bakona-ke umuntu buhleze bu m rila, bu m gibanisa.

Ukukanya loku o se ku fikile, o se ku qakazeka izindawo zonke, ku tand' isu elibukali, elimpezayo; isu e li lingen' uku-kwelana no kwanda, no kutshetshisa kwako emhlabeni. Ukukanya loku ku tolwa nga majubane kupela. “Ubususuku so bu dhlula, ku za ku-sa; a si lahl' imisebenzi yo bumnyama, si hlom' izikali zo kukanya.”¹

¹ Rom. xiii. 12.

Ukuloba kwe-su li ka Sobantu umuntu ku ya m bambezela. Ukubambezela kodwa ka ku bonakali kakulu nxa ku fundw' int' emfutshane; kuze ku-zwakale nxa umunt' e se kwelene ne buk' elide. A bone-ke manj' ukuti: “Wotshi! Nga z'etwesa!” Kuti, ne bukwane elincane nje, kw-eq' izinsuk' ezimbili, ne zintatu, ne sonto e nga li qedile, kant' umLungu yena, kwe lake elingako, e li lotshwe nge siNgisi, u li gimbiliza nge lang' elilodwa. Ukulibala loku, kwe li ka Sobant' isu, ku bangwa ini? Ku bangwa izinhlamvu zonke lezi e zi inafunafu, ngoba ziloku zi namatelana, zi gonana, indawo yonke, sengati ku kon' e zi kw-esabayo; bese ku ba ingxovangxova nje konkana, e fana no 'buku. O fund' ebukwin' elinjalo utshetsh' a be ne pika.

Kodwa le-nto e si yi fumana kwe zi ka Sobantu, ku kona na kwe za bany' izincwadi. A ba hamba nge ndhlel' eti a yi fane na le e s'enza ngayo ku *Tulasizwe*, no *Hlangakula*, no *Baxoxele*, na ku yona le newadi, nabo balingi. Si-tsho ngaloko-ke ukuti ku ya bangwa, ngoba naku baningi nhlangothi zombili; ku funw' isu lo kulob' elingcono, ngoba lel' elidala li ka Sobantu, e la tshelekw' emaXoseni, ka li hlabi mxwele, ka l'anelisi, ka li wu qubi ngemfanelo lo msebenzikazi wo kukanya o su fikele pezu kwetu. Li ya si kataza.

No kwetu loku, e si loba ngako lapa, ka si-tsho ukut' abantu ku zo ba delisa kuzo zonk' izindawana. Si-ti kodwa, isu e li njenga leli e s'enza ngalo, ka ku lon' e la vel' emaXoseni na semaMfengwini—be ngobani bon' amaXosa na maMfengu labo? Futi, ba b'azini nga leyo nkati?—*é le zizwe zonk' ezikanyisiweyo, e se li ne mnyak' e qed' izinkulungwan' ezimbili ne zintatu ku hanjiswa ngalo*. Na namuhla kw-enziwa ngalo kuwo wonk' umhlaba, ngoba wonk' umunt' u bon' ukuti: “Nalu-ke

uhlobo lo kulob' o lu fanele; o lu zi dhlula kude zonk' eziny' izinhlobo zo kuloba."

Kwā bonakala kakade ukut' ukulob' okungecono no kutshetshisayo nxa abantu be ku funda (*read*), iko loku ko kuhlakaz' ukukuluma ngo nonina kwako, izinhlamvu-ke zo kukuluma zi-me z'ahlukene (*the different 'parts of speech' be written separately*).

Si ya ku bona nje loku o kw-enziwa ngako ezincwadin' ezinjeng' e zi ka Sobantu, ne za banye a ba fuz' okwake, kwe *accent*. Ba-ti bon' ukuloba ba ku nquma ndawozonke nge *accent* (la ku pakanyiswa kon' izwi, nxa umunt' e kulumayo); bati ba ngē-zwa ukuti se ku lingene, se ku-zwakal' i-*accent*, bese be nquma.

Isu elinjalo li lulana, li ncinyane kakulu, futi li butuntu ku na lel' elinye. Ma umunt' e loba nge-su io kukanya (leli le zizw' ezikanyisiweyo) ulok' e-nza nge ngqondo yake; ehlez' e *cabanga* njalo ukuti: "Lapa-ke ngi lob' i-*verb*, lapa i-*noun*, lapaya i-*preposition*." Abes' e hleleka kahle-k' amazw' ake, ngoba naku u hambisa nge ndhlel' ekanyayo; u hambisa nge ngqondo. Ati, nxa e loba, ed' e hlakaza, e-misa ngo nonina bako konk' ukukuluma, ikona-ke lo, o zo yi funda (se ku pelil' uku-loba), e se zo bona masinyane, a bone masinyane kuzo zonk' izindawana, ukut' o ku lotshwe lapa ukut' ukut' ukuti; a nga hlutshwa ukubon' izinhlamvu zo kukuluma ('*parts of speech*') zi-mi nge ndhlela yo kubungelana ndawozonke, njenge mizi ye zitembu, e zindhlu ntatu, na-ne, na nhlanu.

Ukuti: 'Wahamba'; 'angizokuyitsho'; 'izaku-wavuma,' konke loko ukubungelana kwe zinhlamvu zo kukuluma ('*parts of speech*') ezahlukeneyo. Ko kwo-kuqala, ku beletene i-*pronoun* ne *verb*; ko kwesibili, ku beletene i-*verb* ne *pronoun*, ne *verb*, ne *pronoun* e li-mi

ngapakati kwe *verb*; ko kwesitatu, ku kon' i-*pronoun*, ne *verb*, ne *pronoun* e li-mi ngapakati kwe *verb*. Konke loku-ke a ku caci kahle. O ku kanyile ilok' okuhlakaziwe: 'Wa hamba'; 'a ngi zo ku-yi-tsho'; 'i za ku-wa-vuma.'

Into-k' enye (engat' iyon' e yenz' ukuba kuhambe ku nqunywa ku ba mfutshane, kant' i-*accent* yona nge-mpela li tand' ukuba ku be kudana), ukub' ama-vowels a sekugcineni a nge sulwa (njenga na nxa umunt' e kulumayo). Ukuti: 'Wabamba amehlo' ¹ ka ku-mi nge-mfanelo, ngoba kak' umunt' o-ti: 'Wabamba amehlo.' umLungu kupela o wenze njalo. Abantu bona bonke, ne nganyan' encane, ba-ti: 'Wa bamb' amehlo,' ukuba i-*accent* li nga se ku-hlala ku 'bamba,' li dhlule li yo hlala ku 'améhlo.' Ku ya bonakala-ke ukut' ulimi lolu, a ba loba nge-su li ka Sobantu, ka ba lu lobi njenga na nxa umunt' e kulumayo (*as the language is spoken*); w-enz' isiposiso ngabomu ngo kungenis' u-a ku bamba, abes' e-ti-ke, ngob' e ku fake nge nkani yake, so ku ikon' o kw-enz' ukuba ukukulum' a ku juqe lapo, a yek' uku-yoku-nquma la iNdhl' eMnyama yonk' i ku nquma kona yona—*ekupeleni* kwe nhlamvu yokuti: "amehlo."

Uma kw-enziwa nge-su li ka Sobantu ngempela, nga ku nqunywa ku be ngaka: 'wabambaméhlo,' ngob' i-*accent* pela, li hlala ku 'e.' Yena-ke kodwa, u bon' ukuti ku nge lunge kahle, ngoba naku se ku kude kakulu; u se ngenis' u-a-ke lo (e z'enzela nje nge nhliziyi yake, ngob' iNdhl' eMnyama yona ka yi kw-enzi nxa umunt' e kuluma.²

Okuny' okunje kuye ku bonakal' ezindawen' eziny' ezininginingi. Cinga futi lapaya ku 5, k. 146, la ku-tiwa: 'Unina uhlozela abantabake ukudhla.' 'Ubani o wake wa kuluma kanjeya? umLungu kupela. W-enz'

¹ Njengo kuloba ku ka Sobantu

² Si kuluma ngo kwenza kwa bant' okuvamile.

olimini a nga lw-aziyo, o lu nge lwakubo. Umuntu yena, nxa e kuluma, u pimisela kanje :

‘Uninuhlozelabantabakukúdhla,’

ngaloko-ke *i-accent* uy’ a li beke le kude ku ‘u’ (la ku beke kon’ upau).

Ukuti : ‘unina uhlozela abantabake ukudhla’ úkwenza kwo mLungu loko ; w-enza ngo tando lwake. W-enzel’ abant’ abamnyama ini-ke? Ca, ngoba kak’ umunt’ o nga kohlw’ ukuti ku-tiwani, nxa kw-esuliwe loku kokutatu : *a, a, e*, bese ku fakwa *i-apostrophe*. *W-enzel’ uhlobo lwakubo lolu o lu nga lw-az’ ulimi ; o luhamba lu badazela malang’ onke. U hlafunel’ abantwanya ; u ya ba tambisela. U y’ona-ke ngo kw-enze njalo ; w-onel’ abanikazil’ ulimi.*

Naku-ke fut’ okunye (B. 9, ku k. 146) : “Indhlovu idhla abasondezeli.” *Umuntu yena ka-tsho njalo ; ku-tsh’ umLungu. Umunt’ u-ti : Indhlov’ i-dhl’ abasondezeli. Lapa-ke i-accent li hlala ku ‘e’ wa nga sekugcineni. Po-ke, ngoba ku-tiwa ku lotshwa mayelana no kukuluma kwo muntu, ini loku ku nga hlanganiswa konkana, ku-tiwe : indhlovidhlabasondezéli, bese ku nqunywa-ke? Ku lotshelwani nge ndhlel’ e nga bizani na nxa ku kulunywa? Ku lotshwa kanje : indhlovu idhla abasondezeli. Abantu ka ba-tsho uku-tsho njalo.*

Tina-ke, lok’ ukukuluma si ya ku hlakaza, si ku-mise ngo nonina bako, kanje : indhlov’ i-dhl’ abasondezeli. Si-ti-ke, *ókwetu o ku hambisa njengo kukuluma kwo muntu. Si-ti ukuloba ku ka Sobantu na banye a b’enza ngo kwake, a ku na mteto onzima o nga hambisa ngemfanelo umsebenzi wo kulob’ isiZulu ; ukuze amazwi a bantu u wemise nge ndhlel’ e bonis’ ukwazi, ne sinwe, no bunono.*

Ukuhlakaza loku e si kuluma ngako, ku fana no ku-

‘kulula. Tina si bona kw-enile nje indawo yonke, ku songelene, ku tikimez’ abantu ; si bona sengat’ amasu la amaningi o kulob’ isiZulu a fun’ *uku-ngenelwa ukukanya wona*, ikona ku yo tolakal’ isu li be linye zwi, e li vunywa umuntu wonkana ; ba jwayele lona kupela.

Ake ku bukwe na lapa-ke futi. Nxa umunt’ e loba kanje : *usalele*, njengo kwenza ku ka Sobantu, ka ku qondakali nom’ u-tsh’ *uku-salel’* emuva, nom’ u-tsh’ *uku-lala*, nom’ u-tsh’ *ukw-alela*. Tina-ke si loba kanje :

u salele (*emuva*)

u sa lele (*ubutongo*)

u s’alele (*ukwala*)

Ku ya bonakala-ke ukut’ isu e li lobisa kanje : *usalele, kuko kokutatu*, ka l’ahlukanisi, ka li cacisi kahle ; li bange ngo ku-qulela ndawonye nje ; kanti-ke, se ku zo ngen’ ukufipaza no kungabaza kona lapo. Ka ku cacile nge ndhlel’ efanele.

Ku ningi-ke fut’ okuny’ okusolekayo. Kodw’ a si na sikala lapa so ku ku-veza konkana. Into ebuta-kataka, e bang’ ukungabaza, yonke le ye *accent* ; o ku nga fanele nakancane ukuba ku be iwona mteto o ku hanjiswa ngawo ekulobeni. O kwe *accent* loku, a ku na mteto nempela o nga kwelana ne ndab’ enzim’ e ngang’ e yo kulob’ isiZulu. Umteto wo kuloba munye kupela, ó njeng’ o we zizwe zonk’ ezikanyisiweyo. iNdhl’ eMnyama ukukanya i fun’ uku-kw-amukela nge sandhla sobunxele kupela ini? Nxa i nga tand’ uku-qubekela pambili ngokutshetshisa, njenge zinhlob’ ezinye ; futi, nxa i fun’ uku-lahlekelwa ulimi lwayo, a yi gomele njalo-ke ku lel’ isu la nsondo, e l’enz’ ukuba isiZulu si nga pundhleki, si kanye,—sibeloku si inafunafu le, e fipele.

28

UKULOTSHWA KWE SIZULU

III

INDABA le yo kulotshwa kwe siZulu i nkulu, i-nde, i nzima. Kuningi e si nga ku patanga. Noko-ke si wa vezile kancan' amazwi a izinhloko ze ndaba, la ku suka kon' umbango. Amabuk' etu la, o*Tulasizwe*, no *Hlangakula*, no *Baxorele*, kanye na leli, si linganise uku-waloba ngawo lo mteto e si wu tusayo, we zizwe zonk' ezikanyisiweyo. Si-ti-ke, nxa si zi cabangela, ilo lel' isu e li fanel' isiZulu, ne li nga s'enzel' amandhl' okuba si cume pakati kwe zilim' eziny' e zi semhlabeni, si nga tshoni si-ye pansi, si kohlakale.

Futi, lel' isu umuntu li ya m vusa, li ya m xwayisa, li ya m kutazisa, ngob' o hambisa ngalo, usuk' e-nza ngo *mcabango* ezindaweni zonkana, a ng'enzi nge *nhliziyiyo*, yon' i nge na mehlo. "Sipundu ka u boni, ka u na mehlo." I-*accent* lena, o ku kulunywa ngayo kangaka, ihlez' i ngeniswa *inhliziyiyo*, yon' e njenge sipundu.

O ku fiswa umcabango wo muntu ka ku fani, futi ka ku bizani, no kwe *nhliziyiyo* yake. 'Izint' ezahlukenene. Umcabango u hamba ngo kwawo; ne *nhliziyiyo* i hamba ngo kwayo. A ku fanele-ke nakancane ukub' o lo mcabang' udaba lu patwe *inhliziyiyo*. 'Ukupambanisa loko, —ukub' inkosi ye-zwe elinye i yo pat' izindaba ze-zwe e li buswa inkos' enye. Ikona loko-ke o ku banga konke loku esikade si ku sola, konke lok' o ku tikimez' abantu. 'Amakos' amabili; leyo i ne-zwe layo, naleyo futi i ne layo.

Ku 'bekwe na lapa-ke futi. Ka uk' umkuba wa

bantu o ngang' o wo ku'bula. Nxa ku gul' umuntu kwa ku-yiw' ezanuseni, ku yo 'bulwa; na la ku-fiwe kwa ku-yiwa kuzo, ku yo buzw' ukut' u bulewe ubani. Int' enjalo ya yenziwa malang' onke; na namuhla loku, ku s'enziwa ezindawen' ezinye. Nga ku s'enziw' obal' indawo yonke ukuba ka ku nqabang' abeLungu.

abeLungu-ke bona b'alelani? B'ala ngob' isangoma s'enza nge *nhliziyiyo*, na ngo tando lwa bant' a ba zo bula kuso. Indaba ka si yi nqumi ngō fakazi a ba be bona nga mehlo; si pike ngo ku-tsh' o ku fiswa ilab' a ba zo bula ku sona. Sona ka si na ndaba nō fakazi. Si 'bekene no ku tandwa ilab' a be-ze kuso kupela. Kepa-ke, indab' e tetwa ngō fakaz' a ba be kona, be bukela, i nqunywa nga mazwi ā kona; ukunqum' okunjalo-ke, o kwo *mcabango*; o kwe ngqondo, ingqondo yo kukanya. O kwe *nhliziyiyo* kona, ubupukupuku ba bant' a ba sa hlez' ebumnyameni.

uTshaka yena wa-tini nge zangoma? Ingati uye o wa tel' igazi le mbuz' esigodhlweni qede, wa ye se mem' izangom' ezweni lonke, e-ti ma zi zo bula lo mhlol' o vele, e-nza ngob' e nga kolwa ukut' udaba baye ba lu nqume nge ndhlela ye qiniso. Ingat' izangoma lezo za bula zonke ziloku zi-ti umhlol' u letwe ubani no bani, kanti be kw-enze yen' uDhlungwan' uqobo. U se-ti-ke ka zi bulawe zonke; nempela za bulawa; e za sinda lapo zi mbili kupela, zon' e za komb' "izul' elipezulu."

Wā bona lapo-k' uTshaka ukut' izangoma ka z'azi luto; z'enza nge *nhliziyiyo*, zi ya qagela nje; ka zi nqumi ngo kucabanga, nga mazw' a ofakazi.

Nansiya-ke fut' indab' enye ka Mbangayiya e ku *Hlangakula*, lk. 87-90. Sengat' ingak' i bukisiswe leyo ndaba. uCetshwayo ka wa nakanga nakancane amazwi a ye kulunywa umufi uqobo lwake; futi, kā ku nak' uku-fakaza ku ka Maqubandaba o wa ye kon' e bukela;

nokuti be ku yo zingelw' izinyamazana nga lelo langa. U simze wa-ti nje: "uGodide ka 'bule. Mina ikona ngi zo kala ngokwami." Nembala kwa bulwa. Izinya-nga za nuk' umfowab' uNhlabati. U se bulawa.

Si-ti-ke tina izinyanga lezo za z'enza nge nhliziyo, zi ng'enzi ngo mcabango. Be z'enza nge-zwi e zi bon' ukuti li yo vumek' eNkosini, elizofike li tandwe iNkosi. Tina-ke ba namuhla, e se sa fundafunda kancane, si bona kahl' ukut' uNhlabati lo wa ye bulawel' ize nje, e ng'one luto no lunci. U-fa ngo kutsho kwe nhliziyo, yon' e njenge sipundu, son' e si nge na mehlo. Si-tsho ngakona-ke ukut' ukunquma nge nhliziyo loku kubi, ku ne ngozi.

Na sekulobeni-ke, izinhlamvu zo kukuluma nga zi nqunywa ngo mcabango kupela. Kodw' oSobantu bona, na lab' a ba hambisa nge-su lake, ba nquma nge nhliziyo (ngob' o kwe accent loku, a ba-ti b'enza ngako, ik' o kwe nhliziyo). Ku ya bonakala-ke ukut' ukwenza kwabo kut' a ku fane no kwe zangoma lezi, e z'enza ngayo nazo.

Ni kumbule futi belu, ukut' ukukanya se ku ngene kakulu manje ku beSutu (ba kwa Mshweshwe) ku na kwa ba kwa Zulu. Loko kudhlulela pambili kwabo, ka s'azi noma kw-enziwa ini (loku bona uZulu wa ye b'ahlula ku sa bus' uTshaka). Into-ke kodw' e si y'aziyo ile: Umteto a ba hambisa ngawo, nxa ku lotshw' isiSutu, iwo wona lo we zizw' ezikanyisiweyo, e si kuluma ngawo.

Po-ke, nxa isu elinjalo li sebenzisa kahle nga ku beSutu, a se be ngapambili ku ka Zulu ngo kukanya,—(kanti kuqala amandhl' abo a ye nga lingani na wake); futi, ngob' isimo so limi lwakubo si fan' impela ne se siZulu, ku-ya ngani ukuba tina, ba kwa Malandela, sihlwelwe kangaka na?

29

ILANGA LI KA MBETE¹

Kwāti, nge nyanga ye nyatelo, so ku dhlul' imnyak' eyisitupa so ku-liwe eNdondakusuka, kwa fik' iqina, ku-tiwa li ya 'bekuza, l'embet' igqwangu² elibomvu, elimarwaqarwaqa. La fikela kwa Nodwengu. Ya-t' iNkosi kungaze kwa bulawa. "Ku zo bulal' izwe namuhla."

Kwa-tiwa: "Nal' iqina li ngen' esangweni, kwa Masangomabili!"³ U se memeza-ke uMasipula, u se-ti: "Nank' umhlola! Mina, muntu wa kwa Nodwengu! A ku pum' umpakati. Nank' umhlola!" Se si ya puma; si ya li kaka; si li kakela pakati, ngapakati kwa Nodwengu, esibayeni. Le-ma nje.

I ya puma-k' iNkosi nge nqola yayo; i hlezi kuyo pakati, i rolwa uNotekwane. I si-ti a si dede. "Dedani-ke, ngi wu bone."⁴ Sekuti-ke 'embu! Se si deda, si hlehlel' emuva. I si-ti a si hlale pansi, kon' i zo bona kahle. Se si hlala-ke. So ku banjw' izinja ze Nkosi; e be zi zo li bamba, zi bon' inyamazane. I si-ti-k' iNkosi: "Ha! Nak' ukufa kwe-zwe! La-fa-ke izwe lakwetu namhlanje! Hlakazekani, ni-y' ezindhlini zenu. Umhlola lo, o zo bulal' izwe." I si hlala kona lap' iNkosi ne zinduna; i si buka nje. Isiz' ibuy' i suk' inqola; i rolwe, i-y' endhlini.

¹ Le ndaba e ye ndhlala; iti a yi fane ne ku Tulasizwe, k. 47, 'Indhlala ka Madhlantule.' Z'ahlukene kodwa.

² Indwang' elulana.

³ A ye mabil' amasango ku lowo muzi. Se ku-ba igamu-ke ngaloko.

⁴ I-tsh' umhlola.

So ku buy' izinkomo-ke. So ku puma-ke. So ku pambana ne zinkomo. Se ku hamba-ke impela, kuti nya. I si-t' iNkosi: "Ku 'beke Ntshingwayo¹ lapa ku qonda ngakona." U se-ti-ke: "Ku pume kwa qond' eNtendeka, (intaba e ya y-ake uDiyikana, kanye no Mgidlana ka Mpande, no Magwendu ka Mpande, no Mtonga, no Sukani, no Mgxotsheni ka Mpande). So kw-enyuka, ku qond' eNtendeka njalo."

Kwa-tiwa a ku landelwe; bangaye ba ku bulale. So ku yo dhlula ku Diyikana ka Hlakanyana; se ku yo dhlula ku Mnqandi ka Mtshana, wa seZibisini, eNhlazatshe. So ku yo dhlula ku Manqandela ka Sitayi, wa kwa Zulu, ngâpa kwe Nhlazatshe, eTaka. So ku qonda ko Seketwayo ka Nhlaka, wa kwa Mdhlalose. Ku hambe kancinyane. Sokuze ku yo wel' uMzinyati. Se be ku yeka-ke.

Ku-tiwa ku suka ku Somsewu, ukub' a godhl' abanta ba ka Mpande.² Ku-tiwa-ke u kon' uMbuyazi. Ku-tiwa imlingo ka Somsewu, a yi letela uMbuyazi. Ku-tsh' uMasipula, u-ti u yo bulal' izwe; u ya kala. Izikulu zi-ti zona, ku suka ku Dikida ka Mgabatshi, no Mazungeni ka Mtezuka; ba b'ake kwa Mdhlalose, eNqutu, pezu kwe Ncome (â bâ let' umaragane pakati kwe-zwe e ngeko; kwase ku fik' imfologo³). Ku suka ko Dikida ngob' iNkosi ya ba landela, ya-ti ba hambe ne zinkomo ze Nkosi. "Ingati ba be pet' izinkomo zi ka Dingana na? uTshaka ingati wa zi yeka na? Wa-ti â ba xeze e ba bopele; ba xeza. I si ya pakwa-ke impi; i si zi landa. I hamb' izinyanga ezilisonto."

Sokuti ku pelile loko, se li-fa-k' izwe indhlala. Se ku-f' izinkomo, zi bulawa umaragane. Se li balela;

¹ Ka Marole.² oMbuyazi no Mkungo³ Ingxobongo.

ku-tsh' imfula, kuti qu! Ku-dhliw' izimongwe (kumbiwe pansi); no 'boqo. A-kiwe naw' amakiwane; a gxotshwe, e-nekwe.

I si ya twasa-ke inyanga yo Mkosi, uMasingana. Se ku bonwa ukuba so ku fik' izicwe¹ ezine. A z'aziwa ukuba zi qamukapi. Za 'bonwa se zi kona nje, kwa Nodwengu. Zi kaul' enyongeni yo muntu, ubude bazo. 'E za madoda. Um' umuntu e kuluma nako, e buza ukuti: "Ni pumapi na?" Bese ku komb' ezulwini pezulu, bese ku-ti: "U 'bonabone² ngipi?" Ku komb' ezulwini. "U 'bonabone ngipi?"

I si-t' iNkosi a ku yekwe, ku nga tintwa. 'A ku-piw' ukudhla. Ku nga-dhli. Kute ku-sa, kwa ku nga sa bonwa; no kudhla â kwabe ku sa bonwa ukuba ku-dhliwe ini. Se ku yo bikw' eNkosini ukuti lo mhlola, o bu lap' ekaya, ka u seko; no kudhla ka ku seko. iNkosi i si biz' izinyanga zi zo bula; ne zo kwelapa zi zo čela. Sezi-fika zi-ti, lezi zo kubula: "U mhlola lo; u zo bulal' izwe. A kw-aziwa lap' u puma kona. A wu letwa muntu. Ukufa kwe-zwe." I si ya bodhla-ke iNkosi; so ku ikon' i-zwayo.

I si buza ku Masipula no Ntshingwayo, i si-ti: "Be ni ku tatapi, ukuti ku puma ku Somsewu no Mbuyazi na? Ni ya ngi hleka na? Nâ ngi vusel' isililo, ngâ-fa kangaka na? Nazo-ke izinyanga zi pika! Kanti bâ-fa, babuye ba vuk' abantabami na? 'U ya uku-fa nawe Masipula. U ya uku-fa mhla ku-fa mina. Ba ya ku-ku-bulala." I si-ti ka buye a-y' ekaya, a yo teta nge zinkomo. A yi tandi uku-m-bulala.

'Ukubutwa ku ka Kandempemvu nga lelo langa. I si-t' iNkosi: "Ilanga li ka Mbete." Kwâ-tsh' uMago-lwana ka Mkatini, wa-ti: "U but' uKandempemvu,

¹ Abatwa² =bhonabhone.

'uSungul' o luzibunubunwana; o lu cijwe emuva na pambili.' iNkosi ya-ti nje: "Namhlanje, ngi bute iLanga li ka Mbete."

Lati, ukuba li balele-ke, so ku-tiwa *Ilanga li ka Mbete*. Se li-fil' izwe. iNkos' i si-ti a ku yo celw' imvula ku Langalibalele ka Mtinkulu; 'o wakon' impela wo kudabuka. uLangalibalele u se-ti a ba hambe ba qinise lab' abant' abane, a ba tunywe uMpande; ba hambe ubusuku ne mini, bangaze ba gwalelwe uTukela ne Mfoz' eMhlope. Bala-ke; se be wel' uTukela. Isifika-k' oTukel' imvula i ba xotsha. I si kaula nge Ndaka.

Ku buz' uLangalibalele, ukuti: "Ni ya m az' uNgoza ka Ludaba na?" Ba-ti: "Nkosi, si ya m azi, o wa sema-Qanyini; umuntu wakit' omdala." U-ti-ke: "Ba tshele, Mawewe, ukut' imvula izaufik' i kaule ku Ngoza, eNdaka. I ya uku-ma lapo, nize ni fike-ke; uNgoza a tum' umuntu nge hashi, e-ze kimi (ku Langalibalele), ukuti ba dhlule—ba dhlule kutangi."

uNgoza wafika wa ba nik' izinkab' eziyisitupa, ezimnyama. Ngo kufika kwabo, ba hamb' ubusuku ne mini, ubusuku ne mini,—amatshum' amabil' ezinsuku. Omunye wa katala kwo Mnqandi, eNhlanzatshe. Wa vuvuk' izito. uLangalibalele yena wa ye-te ku yo dhlul' izinsuku ezilitshumi. Lel' itshumi lesibili l'enziwa izinsuku zo ku-y' emuva, uku-yo-bik' ukuti ba dhlule, ba dhlul' ebusuku. "U ba niken na?" "U ba nik' izinkab' eziyisitupa." "E zi mbal' onjani na?" "Ezimnyama; e zi nge na mbala."

Ngo kufika kwab' ekay' eNkosini, ba-ti: "Nansi i si fikile!" Wa-t' uMpande: "Ngi-zwa se ku-tiwa so ku gewel' uTukela." "U-te uLangalibalele, á zofika zi gwazwe, zi gwazwe kusihlwa; zi gwazwe umunt' omnyama, o nge mpofu. A zi ku pekwa zi vutwe. Zoti

zi pekwa, zi citshwe imvula. Kuyoti ku-sa, iyob' i si geweke yonk' imfula."

Bala-ke, kwa njalo-ke. Ya fik' ebusuk' imvula; ku ya qal' uku-yo-kusa, ku fik' uMawewe. So ku gwal' uMkumbane,—o wa gwala kuqala. So ku gwala yonk' imfula. So ku punywa, ku linywa. So ku linyw' impela-ke. I si m alela-ke uMawewe. I si-ti ka hlale kuze ku dhlal' uMkosi. U se hlala-ke.

Se ku nquny' izinkomo ze Nkosi, ezimnyama futi; zi litshumi ne zinkomo ezisipohlango. Se li-n' impela-ke. Waze wa hamba uMawewe. La vutwa-ke izwe, labuya la nota; kwa vutw' ukudhla, kwa kahlel' amabele, kwa sind' izinkomo. Izwe la kwa Zulu lā sindiswa uy' uMawewe.

30

UBOVU KA NOMABUQABUQA

(wa kwa Lutuli; wa ye liqawe la kwa Zulu; e iNtontela, intanga ka Ndhlela ka Sompisi)

uBovu wā qomana ne-ny' induna, uNobongoza ka Maqoboza, wo kuzalwa kwa Zulu. Yafik' impi ya-lwa. Ya balek' e ka Bovu. uBovu yena kaz' a baleka. Wa yi gwaza, wa yi xotsha, e yedwana. Kwat' a be ndun' a qomene nayo, abaze ba baleka.

Ya isifik' impi i si yo xox' eNkosini, ku Mpande. Wayes'e-t' uMpande: "U kw-ahlulile, Bovu, uNobongoza." uBovu wa-ti: "Ka ng'ahlulanga, Nkosi, ngob' impi ngi yi gwaze nga yi xotsha."

iNkosi ya-ti: "Ingati abantu bako ba balekile? Kanti na ni pikisene nge zidumbu zenu ini? Loku na ni pikisene nga maxib' enu? Ixiba lako, Bovu, la

baleka. Noko impi u yi xotshile, a si luto, lok' abantu ba balekile; u su yi xotsh' u wedwa." Wayes'e mu-dhl' izinkomo-ke zonke, e-dhl' e zi ka Bovu, e se zi nik' uNobongoza. uMpand' u se tat' ezake; u se zi bopel' uBovu, um' a-dhl' amasi (e m sisela); ku sinde ne zingane zake.

U se tukutel' uBov' e-fa, e-ti: "Ingat' impi ngi yi gwaze nga yi xotsha?" Ku ya-hlwa, uBovu u se-ti ku bafazi bake: "Bopani!" U s'eqa ne zinkomo zi ka Mpande; u se-za lapa ku Somsewu. E se zi fak' emahlatin' oZwatini.

Izwe la li se amahlane; be nga ka bik' abant' abaninzi kangaka. Izinkomo-ke u se zi tukus' emahlatini oZwatini; e zi bopela nga magoda o mtwazi; e bopel' e zi zo rol' ezinye, zi zi kipele ngapandhle. Ati, kona zi zo-dhlel' ehlatini, zi lale kona.

uMpand' u se tumel' amanxusa; a se-ya ku Somsewu, e se-ti: "Ngi nikel' izinkomo zami; zi wele no muntu wami. W-eqeke endaweni yako. A ngi m funi yena. Ngi fun' izinkomo zami." Waye wa m biza-k' uSomsewu uBovu, ngoba ka m azi. U tumele ku Dubuyana, wa-ti: "Ku kon' umuntu wa kwa Zulu o welele kuwena, uBovu. Ngi ya m biza; ak'e-ze la."

Bala, wa fik' uBovu na mapoyis' a ka Somsewu, abe-b'e m landile. uSomsewu u se-ti: "Uyena-ke lona na?" Ba-ti: "Yebo, Nkosi, uyen' uBovu." "Bovu!" U se-ti: "Nkosi!" "Kip' izinkomo zi ka Mpande. Nampa a ba zi landileyo, ngoba u ya b'azi; a bakini."

U se-ti-k' uBovu: "A ku lande bona." Se be landa njenga loku okade be ku-tshiwo. uSomsewu u se-ti: "Nampo, pela, Bovu; ba buyise." uBovu u-ti: "Ba qinisil' ukuti sa si qomene ne-ny' induna, uNobongoza. iNkosi ya ngi-dhl' izinkomo; ya-t' abantu bami ba balekile. Nga tukutela-ke mina, Nkosi, ng'eqa, nge-za kuwe-

na, ukuba ku-dhliwa izinkomo zami. Nga puma na macansi kupela; ngi-tsh' imbuz' e-dhl' umtolo, a ngi y'azi. Ngoba nge-zw' ukuti ku busa wena. Ng'eqa mina. Se ngi zo zi konzela ku wena."

Badhlul' a ba kwa Zulu ba zi-tsho nge mbala, ba-ti: "Ingati e-tile, ne-tile, ne-tile na?" Wa pik' uBovu. Wayes'e-t' uSomsewu: "Bovu, ngi ya ku bopa. U isibotshwa wena, ngoba nampa izinkomo ba ya zi bala ku wena." U-ti: "Bangahle ba bal'amanga nje na?" U se yisw' ezindhlini za mapoyisa.¹

Kwase kuti-ke, nge la kusasa, u se-zw' uSomsewu ku-tiwa: "Nas' isibotshwa si zi nqum' intamo ngo mmese. Sa si bamba." U se gijima-k' uSomsewu e se banga kona lap' e botshwe kona. Wafika wa bon' e se bomvu zubu, igazi. Kanti ba m bamba ummese u nga ka wu nqum' umminzo; ku sa nqamuke uqoqoqo wodwa. U se-ti-ke uSomsewu, ukuban' e-latshwe, a gezwe, a totshwe uBovu: "Hambani, nina ba kwa Zulu. Azik' izinkomo zi ka Mpande. A ni m boni ukut' u ya zi pika na? Loku nangu e se zi bulala na? U funge nge sifungo esikulu ukub' a zi bulale." U se-ti: "Zi yo-dhliwa ubani e se zi bulala nje na?" Se be hamba-ke a ba kwa Zulu; se be goduka.

Soku-tiwa a ku funw' imiti ukuba ku pol' inxeba. Abes' e pelekezelwa ipoyisa; liye li m bek' ekaya ku Dubuyana ka Sirayo ka Mapoloba.

Wa fik' ekaya; inxeba la pola. Kodwa az' a hlum' uqoqoqo ukub' a hlangane. Waze wa-fa ku nga hlumanga. Wa zi nquma iNgobamakos' i nga ka zalwa.² Kud' eti, lap' e puz' amanzi, a conse, e-hle nge sifuba.

¹ Ijele, pela, la li nga ka biko nga leyo mnyaka.

² iNgobamakosi ya zalwa nge-mpi ya seNdondakusuka (1856); enye ya zalwa ngo 1855 no 1854.

No tshwala, kw-enze njalo. Kude ku pum' amagweb' amhlope, ate qa. Amagwebu a ye puma kan' e nga puze luto.

uBovu lona wa ye mpofu, e bomvu; e nge mude kakulu; e nge mfutshane futi; e isidhlodhlo. Wa ye indod' e tungile. Ikala lake la li likulu. E muhle futi; na bantabake. Izinkomo zake z'anda; zaze za qed' inkangala yo Zwati.

31

UKUBUYA KU KA CETSHWAYO, E BUYISELWA KWA ZULU USOMSEWU

[I zekwa o wa ye kona, e bona nga mehlo]

I

NgATI ngi fik' eNhlanzatshe no gwayi, kwa ku-tiwa nang' uCetshwayo u pum' eMalaleni—ukubuya kwake-ke, e buy' Engilande. Ngi fika oMalimade, no Yamela, no Godhloza, na mapoyis' onke, a ba seko; ba yo hlangabez' uCetshwayo, eMalaleni, eMlalazi, emkatini kwo Mlalazi no Mhlatuze, lap' izibuko li kona; (ku-tshiwo *ilala*, lel' e li hlumayo; a ba l'enz' *ubusula*, l' aluk' amahluzo, li tung' amaqoma, ne zimbenge, ne zicumo).

Se ngi-zwa nge nduna ka Yamela, ekay' enkantolo, e lind' abafazi ba ka Yamela (a ba m gana kona kwa Zulu), —induna leyo, uNkomo ka Godoyi—u-ti: “Se be fikile; namp' eMtonjaneni. U se bizwe wonk' uZulu. U se fikile uCetshwayo; u hamba no Somsewu, o ku uyen' o m letileyo.” Nembala, amatende nga wa bon' emhlope, ete wu! Ku ngenise amasotsha, a ba hamba no Somsewu. Ngase ngi ya dhlula nami; se ngi qonda kona.

Imiteto-ke, e ya yi kulunywa uSomsewu wa-ti: “Ka-

ngeza, Mnyamana! Nans' iNkosi yako, uCetshwayo; ndi zo m beka ku wena esandhlani.” U butene-ke, u ngakanani uZulu? Unganga mahlat' eNkandhla. Ngob' eMtonjaneni ku itafa.

Wafike we-mbel' ut' olude lwe duku. Kwati, ukuba lu gxunyekwe-ke, kwa xel' amabuto; e-ma. Lapa pansi kwal' uti, kwa bekw' izihlalo. Kwase ku hlal' amakos' a sekamu. Kwase ku hlal' uSomsewu no Cetshwayo; ba hlala ba 'bek' ezansi, lapa ku 'beke kon' amabuto.

U hlezi na madod' a ye wele nawo, oNgobozana ka Vukuza ka Ndhlo-

vu, wa kwa Mpungose; no Mkosana ka Zangqwana, wa kwa Zungu, (uyise ka Mapelu); na oNgcongwana ka Maqoboza¹ ka Nobongoza. Sekuti, ngapambili ku ka Somsewu, a ba kwa Zulu se be tshay' umkumbi.

Ku kon' uMnyamana; uMsutshwana; uHayiyana; uSitshaluza ka Mamba; uHemulana ka Mbangezeli; na oZiwedu; no Tshingana; no Qetuka ka Manqondo;

¹ Lo ka kuy' uyise ka Nozithada (B. uHlangakula, kk. 36-42). Uyisemkulu ka Nozithada, uMbekelo, wa kwa Nzuza. uNobongoza lo, o wa kwa Zulu.



uMALIMADE

(Sir Melmoth Osborn, K.C.M.G.).

no Godide ka Ndhlela; no Sirayo ka Xongo; no Diyikana ka Hlakanyana, (o wa twalwa nge sikumba, ngob' e nga sa hambi, e s'ahlulwa amanoni, njengo Mpande); kanye na banye abaninginingi—uZul' e butene, e pelele. Kodw' uHamu kako; uZibebu kako; uSomkele kako, (u zi hlalele nje endaweni yake).

uZibebu yena wā fika, e zo bingelel' amakosi, oSomsewu no Malimade; e hamb' e gibe; e na bantu a ba seduze kwe tshumi. Ka fikanga kodwa ngamhla kwe miteto; i tshayw' imteto, u se hambile.

uZibebu, lap' e se hamba, e puma ku Somsewu, e dhlul' eduze nga ku Cetshwayo (kaz' a-ya kona), omka Cetshwayo se be-ti: "Weu! Yek' — ka nina, uKundhlase, e nga u'ku-fa, e nga u'ku-mbelwa; ku ya u'f' itshe, ku sale yena!" Ba qanganisa, ba m qanganisa, be m capacapa nge nhlamba. (Le nhlamba nga ngi nga yi qabuki. Ngi yi-zwa lap' umunt' e xabene no muny' umuntu; be tukana, be tand' uku-lw' impela. Inhlamba ya bafazi).

uSomsewu wā-ti: "Kangeza, Mnyamana! Se ndi¹ m buyisile-ke uCetshwayo. Nawe, wa u ng' azi ukut' i kon' iNkosi e y'ahlulwa enye, ibuy' i buyiselw' endaweni yayo i nga nqunyiwe." U-ti: "Lalelani-ke amazwi e ndi zo ku-wa-kuluma, a ka Kwini. uKwini wa kuluma ezindhlebeni zake lo, o indodana yami." U-ti: "Mina nda ndi ngeko. Mina-ke, ndi tunyelwe, se ndi tshelwa nge newadi uKwini. La magama e ndi zo-wa-kuluma, kuyoti e ndi qamb' amanga ku lona, a li qabuka lapa, a ndi pikise, a-ti: 'Ndi ya li qabuka lelo.' Kutu, e li ndi kohlileyo, a ndi kumbuze, pakati kwa madoda, na wa kwa Zulu, na wa kit' amblope,—nank' e hlezi."

U pet' incwadi emfutshanyana, e ngange sandhla.

¹ uSomsewu wa ye kuluma kanje,—njeng' o kwa maXoza.

U gqoke umjiva wake, o ibantshi elihle; o nge naso isisila. Wayes'e kip' irereba le newad' enkulu (e ngange ngalo); u se y'ambula.

U se-ti-ke: "uKwini wā-ti: 'Ndi ya ku buyisela Cetshway' endaweni yako, emanxiwen' ako.' Kwa-tiwa angab' e sa wa but' amabuto; abantu a ba yeke ba yo zi sebenzela imali ku beLungu,—ba teng' izinkomo, ba ganwe. No mncane nje, um' e se tombile, a ganwe. Ku pele ukubut' amabut' abantu baze ba gugele ezinsitsheni.¹ Angab'e sa si but' isigodhlo (amantombazana); ā-ke imizi yake nje, ya bafazi bake bodwa.

"Izwe-ke uKwini u li sikile; u li sike ngo Mhlatuze. Kwati, e li ngapetsheya kwo Mhlatuze la nga seTshowe, é li ka Rulumeni. Abantu a b'ake lapo, ngapetsheya kwo Mhlatuze, ba zo tel' imali; nge-ndhlu inye, ba tel' itshumi no tshelen' abane. U se-ti: "Kut' a ba tanda wena, ba wele be-ze ku leli lako, e li nganeno kwo Mhlatuze. Ba zo wel' ebusika, lapa se be vun' ukudhla kwabo," ngoba kwa ku inyanga yo Mkosi leyo.

Wa-ti: "O tanda wena, o ngapetsheya kwo Mhlatuze, a vun' ukudhla kwake, abes'e wela nako konk' okwake; no sungulo lwake." Wa-ti-ke: "Lapa nganeno-ke kwo Mhlatuze, kwe lako, á yi z' uku-telwa imali." U-ti-ke: "Abantu, okwāt' u wele, u sEngilande u botshiwe, base be tat' isigodhlo, u nga be beki cala.


"Amacala-ke, ku lel' izwe e li nganeno kwo Mhlatuze, e li nga teli mali, u za u' zi tetel' amacala, u wa tete ne zinduna zako, na bafowenu. U wa nqume; u zi hlalulisele ngo kutanda; u zi-dhlele.

"Nangu-ke uGwalagwala, uKwini a ku nike yena; o zo kw-aka naye. Okuyaut' amacal' o munt' o pum' eSilungwini, kwe li ka Rulumeni, e li tel' imali, e zo

¹ Njengo tshwala o bu nga kanywa, ingati kade bu bilile.

mangalel' umuntu we-zwe lako, e zo mangalel' amacal' ake, nangu uGwalagwala, u yo ku sekela; ni ya ku-wa-teta naye nobabili, naz' izinduna zenu."

U-ti-ke: "Ku leli lako, e li nga teli mali, uma ku vel'



UGWALAGWALA
(Henry F. Fynn).

Uyise uMbuyazi (B. uBaxoxele. k. 75).

"Ezweni,—élako lonke leli e li nganeno kwo Mhlatuze. Wonk' amakosi a ye bekiwe uMisjana (e-tsho, e umlomo ka Rulumeni), a itshumi nanye, a sulwe onk' a itshumi (a ngi m bali uJantoni no Hlube); ku sel' uZibebu yedwa, o sikelw' izwe li ka yise, li ka Mapita. Nani ni ya w'az' umncele (ku se kwa Zulu), lapa la li hamba kon' izwe li ka Mapita. Ni hambe nga lowo mncele e ni w' aziyo omdala. Bonk' abantu a ba be pakanyisiwe uRulumeni se be buyele ku wena bonke. No Zibebu, ku lel' elake, kaz' uku-yi-tel' imali njengawe." Sengati a pela lapo a ka Somsewu; kumbe li sele njal' elinye.

umunt' o tand' uku-ya kwe li ka Rulumen' izwe, e li tel' imali, a wele ne zinsungulo, ni nga m gqabul' izi-njobo njengo mte-to wakini; umuntu ubet' u wel' uTu-kela, et' u-y' eSilu-ngwini, ni mu-dhl' izinkomo zake.

"Ku pele konke manje; ungab' u sa m bulal' umuntu. Nang' uGwala-gwala, uzob' e ku 'bekile.'" U-ti-ke:

Wā-ti uSomsewu: "Ndi ya gcina. U ndi kumbuz' eliseleyo, mntanami; ne ndi qamb' amanga ku lona. Ngoba wena wa tshelw' ezindhlebeni zako; mina nda tshelwa nge ncwadi."

Wa vela-ke:

"uZulu la dum' obala!
Lapa ku nge munga ku nge mtolo.
uHlamvana 'bul' umlilo,
O bu baswe uMantshonga be no Ngqelebana." ¹

Wa-ti: "Yebo! Zulu. U qinisile o ngubaba. Ngoba mina, lapa nga ngi botshelwe kona, nga ngi hlezi na madoda, eKipitawini.² Ngi nga botshwe nga ntambo; ngi zi hlalele kahle nje. Ngi hlale, nga hlala, nga hlala, nge-zwa se ngi tshelwa amadoda, e-ti ngi ya bizwa uKwini, Engilande.


"Nga hamba-ke,³ ngaye nga fik' emzin' omkulu wa maNgisi, eLondon. Nga funelw' indhlu; sase si hlala kona sonke.⁴ Ngase ngi m bona-k' uKwini. Kuyiloku nga fika, ngingaze ngi nga m bona; ngi m qabuka. Ya-fike ya ngi bingelela iNkosikazi. Ya i si kulum' amagama kimina, a ba mabili qwaba. Ya-ti: 'U ya bona, Cetshwayo, se ngi ya ku buyisel' endaweni yako. Kodwa ngi sikil' ezweni, iqatshana nje, ngalapo lapa kw-ak' uJantoni.' Ka ngi tshela mfula; ka ngi tshela lukalo. Wayes'e-t' elesibili: 'Weu! U ya bona-ke, umuntu o

¹ Abanye ba-ti: uGqelemana B. uTulasizwe, k. 111, c. 2.

² Cape Town.

³ Bā hamba ngo mkumbi (igama lawo, u-Arab),—ba suk' eKipi ngo 12 July, 1882.

⁴ uCetshwayo u hlezi lapo nje, (ku 18, Melbury Road, Kensington, London), u no Ngobozana ka Vukuza; no Mkosana ka Zangqwana; no Ngcongqwana ka Maqoboza. Ku kona fut' uGebuza ka Somsewu (Mr. H. C. Shepstone), o wa ye ba pete bonke; no Mr. R. E. Dunn, irumutsha; se ku ba irumutsh' elikulu-ke, uMr. Fred. B. Fynney (uMxakaza), o wa fika kamuva.



uCETSHWAYO.

Wāt' e sEngilande uCetshwayo, ngo *August* 1882, uKwini wa cela kuye ukuba ku pendwe umfanekiso wake. Wa vum' uCetshwayo. Kw-enziwa,—ku pendwa u-*Carl Sohn, Junior*. Lowo mfanekiso-ke u su bekw' endhlini enkulu ye Nkosi, ya se-*Osborne, Isle of Wight*, (*B. uBaxozele. k. 138*), lap' uCetshwayo ā bonana kona nayo.

Tina si vuyelwe iNkosi, u-*King George V.*, ukuba les' isitombe s'enzelwe uku-tshengis' abakiti, bon' a ba ng'azi nakancane ukut' into enje i kona ini, nokut' i sa londolozwe lap' Engilande.

Umfanekiso wona, ubu kulu bawo, u ngaka: 3 feet 1½ in. (ngo bude); 2 feet 8 in. (ngo bubanzi).

wa tat' isigodhlo, u nga m beki cala. Hamba-ke, u-ye ku la madoda, okad' u hlezi nawo; amazw' ami-ke u yo we-zwa nga lawo madoda.'

"Mina-ke, nga pendul' izwi la ba linye, lap' esigo-dhlweni. Nga-ti: 'Nkosi, ngingaze ngi ba bek' icala nje, a ba tat' isigodhlo, ba b'azi ini ukuti u kon' umunt' o-fa qede, abuy' a vuke ini na? Ngoba kwase ku-tiwa ngi-file. Po, ngi nga ba bek' icala kanjani; ngoba ngase ngi-file?' Wo! Hayi-ke; sa valelisana no Kwini; sa hamba-ke. Nga fika-k' eKipitawini, lapa be ngi hlala kona.¹

"A fika-ke la madoda e ngi hlala nawo, a wa tat' onke la magamu a tatwa ubab' uSomsewu. Nokubana a ngi tshele uMhlatuze, ngob' uKwini wa-ti 'ngalapo, lapa ku kon' uJantoni,' kanti amadod' a seKipitawini a pimisela; angi tshel' uMhlatuze. Aliko e ngi li pikayo ku la magam'a ka Somsewu. Futi, aliko a li tshiyileyo, e li m kohlileyo."

32

UKUBUYA KU KA CETSHWAYO, E BUYISELWA KWA ZULU uSOMSEWU

II

KWASE ku vel' uMnyamana-ke kuqala, ka Ngqengelele ka Mvuyana. Wa-ti: "Yebo, Nkosi, wena ka Sonzica! Si ya bonga Nkosi. Nkosi, si kala nga lunye, ngob' u buye nje, kaz' uku-dhla luto. Si bonga ukubani si nga bonanga si m bon' umuntu o-fa qede, abuy' a vuke."

Kwase ku vel' uZiwedu ka Mpande. E se-ti: "Yebo, Nkosi! Si-ti u m buyise nje, u za u'dhlani? U za

¹ Wā fik' eKipitawini ngo 23 September, 1882.

u'dhl' indhle ini? Loku izinkomo zake za-dhliwa uJantoni; za-dhliwa uHlube; za-dhliwa uZibebu; za-dhliwa uHamu."

Kwase ku vel' uHemulana ka Mbangezeli. E se-ti: "Yebo, Nkosi! Tina ka si bongi, si bong' ub' u buyis' amatambo nje. U za u'dhlani? U za u'dhl' indhle ini?" U se bala laba-ke, oJantoni, no Hamu, no Zibebu. U se-ti: "Izwe, ingati itafa, ilona e sisa ku lon' izinkomo zake na? Angiti iTaleni na, ilon' e be-dhla ku lona na? Ngoba ilap' e be sisa kona. Le nkosi, po, o yi bekile, yako le,—uZibebu, si-ti tina, u beka yen' uZibebu. uCetshwayo lo, na ni m Tate nje, wa y'enzeni? Angiti inina e na m hlasel' ekaya lake. Na m tata njena, wake wa hlasel' eMgungundhlovu na?"

Ku kon' aba-bali, ba bili. Kwati ku sa kulum' uSomsewu, ba wa 'bala; no Cetshwayo u kuluma nje, ba ya wa 'bal' amazwi; na wabo bonk' abany' a ba kulumayo, ba ya wa 'bala. Lit' izwi li linye ba li hlanguyele (ababili), b'enz' ukufakazelana. Lapa nga bona kon' ukuti uRulumeni u hlananipile.

Wa gcin' uHemulana. Kwa vel' uDabulamanzi ka Mpande. Wa-ti: "Yebo, Nkosi! Si ya kala tina ba ka Mpande. Si-ti uCetshwayo u m buyise nje, u za u'dhlani? Loku u su tat' izwe lake lonke, a be-dhla ku lona. Ne zinkomo za-dhliwa uweni, kwati ihlapezo eliseleyo, la-dhliwa uJantoni; la-dhliwa uHlube; la-dhliwa uZibebu; la-dhliwa uHamu.

"Po, u za u'dhlani yena? U kon' umuntu o ngango Cetshwayo, okuti u se zo zi gaulel' ihlahla lo kubiy' umuzi wake? A-pucw' abafana, ku-tiwe a ba yo sebenza ku beLungu; angab'e sa w'enz' amabuto a za u'sebenz' umuzi wake. Umuzi wake u be wu gaulelwa amabuto; ne zindhlu zake u be z'akelwa amabuto. No kulima, a

lindelwe amabuto; no kuhlakula, a hlakulelwe amabuto. Nkosi, po, u za u'dhlani? Nkosi, si kala kuwe Nkosi."

Nom' a kon' amazw' amanye a ka Dabulamanzi, ngase ngi bon' ubuso bu ka Somsewu bu beja bu ba bomvu. E se-ti: "Mina, mfana ka Mpande! Indhlu ka Sonzica le, y'enzani ku nina? Kanti ni-ti ni bulawa indhlu ka Sonzica na? Kant' amasotsha, a fika qede, a qed' izwe la kwa Zulu; kant' á ka Sonzica na? Kant' izinkomo zonke lez' e za zi-dhliwa kwa Zulu, za-ya kwa Sonzica na? A zi-yanga komkulu na? Mfana ka Mpande! Ukukuluma kwako, á u ku qali. Konk' ukukuluma kwako, u ku kuluma ngo kudelela. O, mina-ke ndi zo hlala, ku zi kulumele nina no Kwini. Ayik' inkomo ya kwa Zulu, eyake ya-dhliwa kwa Sonzica."

Se ku vel' uMnyamana. E se-ti: "Yebo, Nkosi! Ukukala kwe zinkomo; amazw' azo ka wa fani. Ileyo i kala ngo kwayo nje, i nga fani no kwe zinye. Mina ngi bong' ukub' u let' amatambo kwa manye amatambo."

So ku vel' uSitshaluza ka Mamba, wa seMgazini. U se-ti: "Yebo, Nkosi, u qinisil' o ka Ngqengelele, ukuti ukukala kwe zinkomo, amazw' azo ka wa fani. Mina Nkosi, la mazwi a mabi ku wena, ngi-ti kuhle ba wa kulum' ebusweni bako; ba nga kulumi ehlane. U ya we-zwa, u su we-zwa ngo kutshelwa. Na mabi, a yo ketwa uwe; na mahle, a yo ketwa uwe. Mina ngi bong' ukub' u let' amatambo kwa manye. Kwa ku yo-ba kubi, ukub' uCetshwayo na m bulalela petshey' Engilande, ituna lake ka la bako kwe la oyise lapa kwa Zulu. Nkosi, bodhla nje. U kulume kahle, nge nhliziyi enhle njeng' o bu-ze nayo."

Kwase ku vel' uSiteku ka Mpande. Wa-ti: "Mina, wa ko Siteku, ngi ya bonga; ngob' umnta ka baba, ni

m tate qede, na m buyisa. Mina ngi-ti ku dabuk' uhlanga namhlanje kimina, ukuba ni-lwe ne Nkosi, ni y'ahlule; ni yi bambe; nibuye ni yi buyise,—kade ku bulawana ku pamban' izidumbu. Mina-ke, ngi ya buza, ngi buza ku la madod' akiti, ukuba az' a kale na nge-zwe nje, na nge zinkomo, kanti uCetshwayo lap' Engilande, wa ye vakatshil' e yo konza ini?

“Mina, makosi, ngi ya bonga. Abakiti, uma be ku-ya ngami, be be zo bonga nje, ba nga kulum' izwi elinye. Bese be m gaulel' amadhlalanga lawo. Ati, e se pumulil' emadhlalanga, a tat' uboko-ke; ku be ikon' e yo konz' eMgungundhlovu. A-ti: 'Ka ngi qube uRulumeni, a ngi-yise kona ku Kwini,' ku be ikona e yo kala nge zikalo zake.” Wa gcina.¹

Kwase ku vela yen' uSomsewu, e se-ti: “Ehene, Siteku, ku la magama, ukuti a zi gaulele yena ini ihlahla? Qa! A si kw-ali ukut' abafana ba biy' umuzi wake, ba hambe ba yo zi sebenzel' imali ku beLungu. Bade be pambana. Ba nga hlaliswa bonke; b'enziwe amabuto. Umuzi wake ka w-akiwa zikati zonke.”

Kwase ku vel' uNhlumbana (induna ka Myandeya ka Mbiya). Wa-ti: “Yebo, Nkosi! Ngi tunywe uMyandeya. U-ti: 'Kwati ukub' iNkosi si yi-lwele, na y' ahlula, na yi tata, ya wel' ulwandhle; kwa sala kwa fik' uhlanga lap' uSitimela.”

“Esefik' e-dhl' izinkomo (zi ka Myandeya), e-ti uyen' o zalwa uDingiswayo. Ngaye nga bika ku bantwana, oNdabuko. Ba talalisa nje. Ngabuya nga

¹ uMalimade (u-Sir M. Osborn), wa ye nga kohlwa uSiteku, nga lok' ukukuluma kwake. Wa-ti, e se seTshowe: “A ba kwa Zulu, izipukupuk' impela, ngoba ba yoke ba kulume be bodwa, be nga ka fiki kitina (maNgisi), ba ket' indoda, uSiteku; ku kulume yena yedwa; ba ya tata-ke, ba-ti: 'Si-tsho sonke, Nkosi; izwi letu!' Lok' ukukuluma, ukuba ba kulume bonke, ku dung' amanzi ngasenhla.”

bika ku bantwana. Ba talalisa nje. Ngase ngi ya u'bika ku Mayidoni (uJantoni). uMayidoni wa hlomis' impi yake; yafike ya lu bulala lol' uhlanga, o lu nguSitimela; lw-eqa. Wa bulal' impi yake leyo e ya i m vuna. U-t' uMyandeya angebuy' a yi dedeye isondo ye nqweye; ka sa b'azi a ba kwa Zuyu ukuti u ini nabo. Ba m yekeya no hlanya. Yena angebuy' a m dey' uRuyumeni.”¹ U-tsho ku le ndawo o ku-tiwa e ka Cetshwayo.

So ku vel' uSiyunguza ka Silwane, u se-ti: “Hau! Nina ba kwa Zulu, kanti ni s'esaba ngoba si kona ini? Na bal' oJantoni, no Zibebu, no Hamu, no Hlube, (ngoba ka bako lapa—no Jantoni kako). Angiti se ni hlangene ngati; angiti iNkosi i fika nje lapa, se naye na yi tshela ukuti a si se bon' abayo tina, ngob' uRulumeni wa si beka ngokuti a si kip' izinkomo zi-ye kuy' uRulumeni. Nati ni si bala ngokuti sa-dhl' izinkomo ze Nkosi, nje-ngab' oJantoni no Zibebu.” U se ba bala bonke-ke. “Se ni-ti, ngoba ni bona si kona, a ni sa si bali. Wo! Tina-ke, a si sa yo m del' uRulumeni; ngob' uRulumeni sa mu nikwa inina. Na si keta kinina.” Wa gcina umfo ka Silwane (ka Ndhlovu ka Kuba, wa kwa Mpungose).


Kwase ku vel' uMsutshwana; imboza. Wa-ti: “Le-ngwe e ni yi bekile, uZibebu, ni za ukuti site, ab' esal' e pak' impi, e zo si bulala. Kad' e hlasele ko Ngulubana” (umuntu wa soSutu—noma o wa kona kwa Msutshwana).

E li sele kimina,—wā-t' uSomsewu, e sa land' amazw' a ka Kwini: “Ni ya bona, kade nda ndi-za lapa kwa Zulu, ndi-za nge miteto ka Rulumeni. Namhlanje, ndi-z' okokugecina. A nisayobuye ni ndi bone, ngoba se ndi katele umsebenzi ka Rulumeni. Ne nkab' i dons' i dons' i dons' inqola, umnikaziyo a bon' ukuti i si kulile;

¹ uMyandeya u ya tefula; a ba sezansi, pela, ba kwa Mtetwa.

a yi kumul' ijok' entanyeni, a yi yeke; i hlale pansi, i zi-dhlel' utshani. Ingabuy' i pind' i botshelwe.

"Ku lel' izwe-ke, e li ngapetsheya kwo Mhlatuze, ku bekwe uMalimada; u zo kw-ak' inkantolo, eTshowe. Wa ye pete lap' eNhlazatshe, e ku 'bekele abantu bako.



Les' isihlangu sa tatwa amasotsha, nge-mpi ya beLungu, mhla be-lwa no Zulu (1879); ku kona ne mkonto. Amasotsha wona a ku-s' eNkosini yakubo, uKwini; amasimula, pela.

Tina sa ku bona ku betelwe pezul' endhlin' enye encane ye Nkosi, e-Osborne (B. k. 174). Ku kona ne ziny' izihlangu lapo, kanye ne mkonto.

U su fikile-ke. U se yo 'bek' a ba ka Rulumeni ngapetsheya kwo Mhlatuze, eTshowe." U se-ti-ke: "Se ndi ya hamba-ke. Salani kahle. Ndi hamba kusasa na bafana." ¹

¹ Amasotsha.

Bala-ke, se be ya m tat' uCetshwayo; u s'ehlela nga-pansi. Abantu-k' abanye se be vuleleka ngo mgwaq' o-z' eTshowe, nay' uMalimada; yena-ke u-y' eMgungundhlovu. Lap' eTshowe, so ku-miswe uMisjana; w-ak' amatende.

Uyen' uMisjana o wa fika kuqala, uCetshwayo e se solwandhle. Izwe wa li qalis' ezansi, wa 'bek' eNtumeni; wa 'bek' eMpapala; wa 'beka le eQudeni. Waye wa li kaulis' eNqutu; wayes'e buyel' eTshowe e yo qamb' inkantolo (kone lap' indhlu ka Malimada ya i kona).

U but' izikulu za kwa Zulu zonke, e qalisa ezans' etafeni, e biz' abanumzana a ba pet' izifunda. Bati ba nga fika, abes' e-ti: "Au! Madoda, ngi ni bize nje, ngi zo ni tshel' ukuti uCetshwayo u se buya. Izwe-ke li datshulwe ngo Mhlatuze. E li nganeno kwo Mhlatuze, (li ka Rulumeni), li za u'tel' imali; nge-ndhl' inye— itshumi no tshelen' abane. Ngi ya ni tshela-ke, madoda, ngi-ti qomani. Ku vel' amadoda a ba qom' uCetshwayo; ku vel' amadod' a qom' uRulumeni. Kuza-ut' ebusika-ke, kwa ba qom' uCetshwayo, ba vun' ukudhla kwabo, ba wele; ku sal' o nga tandiyo. Noma ni qom' uCetshwayo nonke, uRulumeni ka katele, ngoba ku yo sal' izwe lake. A lisoze la ba ntul' abantu, ngoba muningi umuntu ka Rulumeni o hlupekayo, o ntul' izindawo."

Uz' a fik' eNqutu nje-ke, u kuluma lelo-zwi. Ba ya kuluma nabo, zonk' izindawo; ehamb' e ba bizel' ematendeni. Ku vel' a ba tand' uRulumeni; ku vel' a ba qom' uCetshwayo.

33

IZIBONGO ZI KA CETSHWAYO—IV

ABANTU ba seNtengweni,¹
 Ngi ya b'esaba, ngi ba solile,
 Ba zibukul' itshe, itshe li ne mamba ;
 iMamba, yat' uku-vuka, ya ngen' ehlatini,
 Ihlati li ne mbube ;
 Ya m apul' uBusobengwe ka Nongalaza.
 uMtunduluka, o vutw' eNdulinde,
 iZigqoza zi ya wu labalabela.²
 U-dhl' uNomsimekwana, o be zalwa uBikwayo ;
 Wa m tshaya pansi, kwo ludumayo,³ eziqungeni ;⁴
 'A kwaze kwa ba ndaba za luto ;
 Wa mu-dhl' uMatshayayitshukule, o be zalwa uSipingo ;
 Wa m tshaya pansi, eziqungeni, kwo ludumayo ;
 'A kwa ba ndaba za luto ;
 Wa mu-dhl' uSigombe, o be zalwa uMtshāna ;
 Wa m tshaya pansi, ezikambeni,⁵ kwo ludumayo ;
 'A kwa ba ndaba za luto ;

¹ Umuzi ka Mbuyazi. Wa w-ak' ezansi no Mhlatuze,—ngapetsheya kwawo (umunt' e qamuka nga soTukela) ; eduze no lwandhle.

² Isiga se Zigqoza, si-ti : " *Laba, laba, laba, laba ; bayoze ba si bone !* " be-tsho be qoqoza ngo mkonto, be komba lab' a ba-lwa nabo. Umtunduluka umut' omnandi nxa ilanga li balele, umunt' e se diniwe. Uku-labalaba ūku-fisa, ūku-lubela, ūkunxanela. Lapa-ke, sengati ku-t' iZigqoza se zi katele ūkuxotshwa impi ka Cetshwayo ; sezize za fik' eNdulinde, la umtunduluk' u mila kona. Ku-tiwa fut' iZigqoza lezi, zi baleka nje, za zi funa kakul' uku-zuzana no Sutu ; loko kutanda kwazo-ke ku fana no kwo munt' o nxanel' umtunduluka, kad' e gijima. Son' isiga lesi sazo, sokuti : " *Laba, laba, laba, laba . . .* " ūkulabalabela nako loko.


³ Ku-tshiw' ukalo, la ya-lwa kona.

⁴ Utshani,—isiquंगा.

⁵ Umkamba, umut' o na meva.

Wa mu-dhl' uFaku, o be zalwa uMtshāna ;
 Wa m tshaya pansi, kwo ludumayo, ezikambeni ;
 'A kwa ba ndaba za luto.

uWaba le inkomo za kwa Mtshwetshwe ;¹
 U dunusel' uNdi no Kahlamba.²



IMPI YA BANTWANA, YA SEÑDONDAKUSUKA.

La yā qalana kona.

1. E ka Mbuyazi ya qamuka ngalapa ; umfudhlan' o lapa, iNwaku.
2. Umfudhlan' o hamba lapa, aMandeni.
3. Impi yā bambana kabili nga ku le ndawo,—eNwaku, na se-Mandeni. Kwā pel' a ba kwa Zungu lapa (kwe ka Cetshwayo).
4. iNdulinde, la kwa qamuka ngakon' e ka Cetshwayo ; ya i ngenise ngalapo. Namuhla ku kon' isikole sa makolwa ku leyo ndawo.
5. Ngalapa-ke, ku sentshonalanga.
6. Ka yi-lwanga ngalapa. Ku kon' enye futi e ya-lwa ngasempu-malanga, eduze ; ka ku bonakali kodwa. Leyo-ke, ya-lwa no Mandhla-kazi ; so ku ukungquzuka kwayo-ke njalo yonke, i si bang' oTukela.

¹ Ku kulunywa nge zihlang' eziwaba. Eziwab' izihlangu za zi twalwa iNhlambamasoka, isigaba sa kwa Tulwana. Ne si ka Cetshwayo-ke sa si waba, ngob' e iNhlambamasoka. Izinkomo za kwa Mtshwetshwe lezi, zā-dhliwa kwa Mpahleni, eSwazini,—kwa Mpahleni ku-tshiw' inqaba. Leyo-mpi ya i punywe uTulwana ne Sangqu.

² uNdi il' uKahlamba ; zi magamu mabili lezo ntaba.

uMzingeli ka Tshaka, be no Dingana,
 Uz' u zingel' u buye nganeno, mnta ka Ndaba,
 Ngapetsheya ku kon' abamhlope;
 Uze u y'esab' imland' emidala,
 E ya y'enziwa nga boyihlo.¹

uMagwaz' e guqile, njenge tole.²
 uSinikini, si ngamatshob' o Sutu.

¹ Kakul' uDingana; owat' ukub' a bulal' uPiti eMgungundhlovu, wayes'e yo hlasel' amaBun' a nga kwa Nobamba (*Weneen*); wa bulala konke na besifazane ne zingane. Wadhlula wa yo hlasel' amaNgisi a y'ake nga seSibubulungu, eTekwini. uTshaka yena uze wa-fa e tandana kakul' impela na beLungu, e-ti izihlobo zake; e ba pete kahle.

² Ite i si-lw' eNdondakusuka, uCetshwayo u be semmangweni o seduze, e buk' ukulwa kwe Zimpisi zi ka Tshonkwini, e za yi qala kuqala. U buka njalo, u *guqile*. Kwase ku ngen' iZigqoza zi ka Mbuyazi-ke. Wat' ukub' a yi pake qede uCetshwayo, u se guqa nge dolo. Ya i si yo hlangana-ke no Mkweyantaba (iZimpisi zi ka Tshonkwini).

uTshonkwini lo, uyen' o buyise umnewabo (uMbuyazi), ngokuti: "Uz' u balekel' uweni na? U-zw' ukuba ku-tsh' uyihlo na?" [uMpande wa ye-te ku Mbuyazi ka hamb' a welel' eSilingwini. Nem-bala, wa wela; kodwa wabuye wa buyela kwa Zulu.]

A se ya hlangana lawo mabuto, e sa guqile. U guqe njalo, u guqe lepezu kwe sihlangu o ku 'celw' intelezi pezu kwaso; e si ka Mbuyazi njalo.

Isihlangu lesi si ka Mbuyazi si nyamalele be buy' enqineni, ub' iNkos' i ba qate. Kute se si yo cingw' enyangweni, sa si nga seko. Sa si hemu, ngob' iNhlambamasoka ya i sik' amahemu. Bonk' abaNtwana ba be seNhlambamasoka. Les' isigaba sa sik' amahemu na mawaba. Inkom' enjalo, ya i yo tatwa kuwo wonk' amakanda, i zo sikwa iNhlambamasoka.

Isihlangu leso (si ka Mbuyazi) isona a m ahlula ngaso. Ngoba se be yo ku-lwa nje, isihlangu si ka Mbuyazi se si nyamalele; kanti se si tatwe imilingo ka Gagamela (clinye, uManembe, wa kwa Mazibuko). U se-ti-ke uGagamela, "oyot' i hlangana, u bu guqe pezu kwaso; wo bu su m nyatele njalo." Ya hlangana qede e guqile, ye-za naw' amabuto ka Cetshwayo; ye-za no Dhlambedhlu, no Tulwana, no Sangqu, no Sihlambisinye.

Wa-t' uGagamela (ku Cetshwayo): "U nga tshaywa uvalo, mnta-nami. Ingati nga ku tshela na, i za u'za nawo wonk' amabuto kuqala na?" Kwa kupela-ke. 'Ukusuka kwake-ke ekuguqeni. Wa-ti: "A li suk' e li ka Nyatijokalo." Kwase ukusuka kwake-ke uMandhlakazi. Wayes'e yi boboza njal' uMandhlakazi. I si qgibuk' impela; se be ya ku-yi-tel' oTukela. [B. na ku c. 7, k. 187.]

U bukudis' abantu, be nga tand' ukubukuda;¹
 Ngob' e bukudis' amadod' e madala;
 Ngob' e bukudis' uNongalaza,² e zalwa uNondela;
 Wa bukudis' u-Temana, o be zalwa uNoraye;
 Wa bukudis' uMgebisa, o be zalwa uJokwe;
 Wa bukudis' uMatshekana,³ o be zalwa uMaqoboza.

uMamba ye Vuna!⁴
 uMaqamusela!⁵

Et' uku-vuka, ya-dhl' a ba ka yise.

Wa-dhl' uMbeduka,⁶ kwa ba ka yise,—

"uMbeduka njenge sona;⁷

uPaqa njenge langa;

uTakasa⁸ njenge 'boyi.

iNyati ya seNhlakanhlakeni;⁹

iNdhlov' e ne sihlonti;¹⁰

iKwan' e li sikwa li hluma,—

¹ Ba bukud' oTukela, nga kwe la seDhlokweni, ezansi; eduze no lwandhle. uTukela lwa lu gwele, lu banz' isibili, nga lelo langa. Baning' a ba muka na manzi; eziny' izidumbu ziye za fik' eTekwini, zi tatwa ulwandhle. oTukela ilap' abantu ba pela kakulu kona, ngoba konke, na besifazane ne zingane, kwa ku balekele ngakona. (B. imfanekiso e ku, *kk.* 186, 188.)

² Indun' enkulu ye-mpi ka Mpande, mhla ku-liwa no Dingan' eMaqongqo.

³ Umfowab' uNozitshada, iqaw' elikulu li ka Dingana, e la-f' eMaqongqo. B. uHlangakula, *kk.* 36-41. uMatshekana uyise ka Mgundeni, induna ka Mpatesita, wa kwa Magwaza. uMgundeni u sa qed' uku-fa.

⁴ Umful' o nga kwa Nongoma, eduze no muzi ka Dinuzulu, wa so-Sutu. Izimamba zi vamilile nga seVuna.

⁵ Uku-qubekela pambili ngamandhla, njenge-mpi e bang' endawen' ekude.

⁶ uMbuyazi.

⁷ Izibongo zi ka Mbuyazi-ke lezi; zi gcina ngo hlamvu lokuti: "Ngengxenyi li nguMageba." Zi ngeniswa ngabomu kwe zi ka Cetshwayo. Ziye z'enze njalo, pela, izimbong' ezinkulu, njeng' oMago-lwana njeya. Ku notisw' izibongo ze Nkosi.

⁸ U hamba kalukuni, kungat' u jiyelwe.

⁹ Umuzi wak' omunye.

¹⁰ Wa ye ne sihlont' eqolo; futi, wa ye mude.

Ngengxenyeli nguPunga,
 Ngengxenyeli nguMageba."
 Amakubal' a-dhliwa uyena,¹ kwa ba ka Mpande;
 Wa-dhl' uTshonkwani, o be zalwa uMpande,
 Amakubal' a-dhliwa uyena, kwa ba ka Mpande;
 Wa-dhl' uMantantashiya, o be zalwa uMpande,



eNDONDAKUSUKA.

Nansi-ke indawo la a ba ka Mbuyazi (iZigqoza) ba pela kona—i lapaya, emaxapozini ngapheya, lan' a seduze no mfula.

Amakubal' a-dhliwa uyena, kwa ba ka Mpande;
 Wa-dhl' uSomxawana, o be zalwa uMpande,
 Amakubal' a-dhliwa uCetshwayo, kwa ba ka Mpande;
 Wa-dhl' uMdumba, o be zalwa uMpande,
 Amakubal' a-dhliwa uyena, kwa ba ka Mpande;
 Wa-dhl' uDabulesinye, o be zalwa uMpande,
 Amakubal' a-dhliwa uCetshwayo, kwa ba ka Mpande.

¹ uCetshwayo.

uNonzila kudhla kwa magwala,¹
 Amagwal' a-dhl' ububende.
 uLanga pum' endhlebeni ye ndhlovu,
 Nyakambe li yo puma kwe ye ngonyama.²
 iMpunzi³ ka Ndaba,
 Ba yi bambe nga ndhlebe'ende,⁴
 Pezu ku ka Langakazi;⁵
 Ya dhlamuluka,⁶ ya-dhl' amadoda.
 uGuqabadele!⁷
 iNhlabamasoka!⁸

§ Izibongo zi ka Cetshwayo, e zi ku *Tulasizwe*, no *Hlangakula*, no *Baxoxele*, na ku lona lel' ibuku, zi vam' uku-pat' indaba ye-mpi ya seNdondakusuka. Indab' enkulu leyo. Be si hlos' uku-yi-nge-nisa ku lona lel' ibuku; sabuye sa yi yeka kodwa ngoba si bon' ukut' inde kakulu. Noko-ke, naz' izibongo lezi zi ya kuluma; no kucaza loku, kanye ne mfanekiso le e ku *kk.* 183, 186, 188, mhlaumbe ku yo kw-elekelel' ingcosan' ezindawen' ezinye.

¹ Wa ye ku yek' ukudhla kwabo; ku-tshiwo ne zinkomo zabo. U bongwa nga les' isibongo ngob' e qed' abafowab' eNdondakusuka, lap' uyise wa ye ba gate kona, e-ti: "U ya jabul' uMakasana, yen' a bon' izinqama [abanye ba-t' izingqungqulu] zake zi tshayana."

² uMpande wa ye vun' uMbuyazi, e-t' uyena nkosana. uCetshwayo u se-zwa-ke ukut' uyis' u tand' uMbuyazi. Ingonyama uMbuyazi.

³ uCetshwayo.

⁴ Za zi-t' izinduna zake ma nga-lwi no Mbuyazi, u zo kw-ahlulwa; zi ya m bamba-ke, zi m bamba nga mazwi.

⁵ Intaba, e ngasemuva kwo muzi kwa Gqikazi; eduze no Mkuze.

⁶ U yek' uku-hlala. U lahl' izwi la madoda; u yo ku-lwa.

⁷ Ukuti 'Guqabadele' loku, okoba, u guqe nje pezu kwe sihlangu, [B. c. 2, k. 184], u 'bek' impi. I si ya yi ngquzula-k' impi. I si yi tela pezu ku ka Tulwana; i si telw' iSangqu, no luDhlambedhlu, no Sihlambisinye. Ba m *del' e guqile*, e guqele pezu kwe sihlangu leso. Ikuba ka ku sukang' uMandhlakazi, ya i si yo ku-yi-sus' ukupela,—ngob' amabut' a xotshwa uMkweyantaba ka Tshonkwani, iZimpisi. iNhlabamasoka ya i si balekile.

⁸ B. c. 2, k. 184.

Ku c. 2, k. 182, ku bekw' isiga se Zigqoza. E sa mabut' a ka Cetshwayo-ke sona, esokuti: *uSutu!* Ba zi biza ngokuti: "*Tina, si luSut' o lu mpondonde!*" Ukut' *uSutu* loku, ku suk' ezinkomeni e za-dhliwa impi ya kwa Zulu kwa Sikwata, inkosi ya be Sutu, uyise ka Sikukuku. [Isitombe si ka Sikukuku yena, nasi ku k. 189]. Lezo nkomo za zi nkulu, zi ngapezu kwe za kwa Zulu; zi ne

E^NDONDAKUSUKA.

iZigqoz' ezinye zā-fel' emaweni; abany' abanengi ba muka na manzi, ngob' uTukela lwa lu gwele kabi.

zimpond' ezinde; kuti futi, nxa zi puz' amanzi, zi wa gobozele kakulu.

Zat' ukuba zi fike-k' eKu'bazeni (umuzi ka Cetshwayo), abafana bakona, base be-ti: "*Wo! Itina nkomo za soSutu! 'Bekan' ukuminya kwetu (utshwala)!*" Ku ya dhlalwa-ke, malang' onke; kude ku-tshiwo njalo. Kwaze kwa dum' ukuti laba ba seKubazeni, a ba konz'

umntwana, a ba soSutu; *uSutu*. Se ku-ba isiga sakona-ke njalo. I-lwa nje, e ya seNdondakusuka, amabut' a ka Cetshwayo a kuz' *uSutu!* Sokut' ukub' a-hlulw' uMbuyazi, uZulu wonk' u se buyela nga ku Cetshwayo. Isiga-ke lapo se si-ba e si ka Zulu wonkana, — na namuhla loku.

Igam' elikul' e la li rutshwa uSutu, kuse ku Cetshwayo, elokuti:

*uZitulele, ka gali muntu;
Izwe lonke, hau!
Deda si ngene,
Si miny' abafo.
Nango-ke!
Ba ya m qal' o! Hau!
Ka gali muntu!*

U^SIKUKUKU KA SIKWATA.
Inkosi ya beSutu,—enyakato.

34

UKUKANYA

I

LEL' igama lokut' *ukukanya*, li solimini kubo bonk' abantu. Ezizweni zonke, li njenge mbali e semehlweni. Ku sukel' ebuntwaneni bo muntu. Si bon' ingan' encane i kasela kuwo umlilo, ngob' u yi donsa ngo kukanya kwawo. Futi, na sezilwaneni ku njalo. Ukukanya ku zi lingela ukuba zi sondele kuko. Abazingeli ba y'azi

kakulu lok' e si ku-tshoyo, ukut' ebusuku izinyamazane zi ya kangwa ukukanya kwe sibane. Konke no miyane, ku m bizela kona; kanti ku zo ranguka.

Po-ke ini lena kangaka e sekukanyeni? E donsela kuko ukukanya zonk' izinto ezipilayo na? Ku yini kona e si-ti ukukanya; lel' iwozawoza e li pahle umhlabati kangaka?

Izazi, e zi peny' izimfihlakalo zi zi bek' obala, e se za penya konke, no ku sematunjin' o mhlabati, kanye no kuhamba no kuma kwe zinkanyezi, zi si tshel' ukuti, inhlamvu ye langa inkos' e busa lo mhlabati e si pila kuwo namuhla.

Ukudhla konk' e si ku-dhlayo, ku puma kon' elangeni. No tshani, bu kuliswa il' ilanga; no mbila, na mabele, no batata, ku kuliswa, ku teliswe il' ilanga. Ku ngako ukuza kwal' ekuseni. Ku njengo kuqamuka kwe Nkosi, i-z' emhlabeni wayo. Ku let' injabulo kuzo zonk' izinhliziyi; kuti ne zinyoni zi hlokome, zi hlabelele, ngoba nak' u se fikil' umkululi, o zo si kulula tina sonk' ebunyameni. Futi, no kuhamba kwalo li tshona, ku let' ukujab' emzimbeni, kakulu kulo le zinyoni, ngob' a yik' e yaziyo ukut' i yo vuka i se ne zinsiba zayo na. A ba jabulayo ib' ozikova, nab' omtakati,—amadod' a-dhla ngo mnyama.

Kepa-ke ukukanya, loku tina e si fun' uku-kuluma ngako lapa, a ku siko loku o ku ngo kwe langa. Si tand' ukukuluma ngo kukanya o ku kanyisa izitsha no bukosi be nhliziyi no mpefumulo wo muntu, yena yedwa e-hlu-kaniswe ezilwaneni, na kuzo zonk' izinto e zi semhlabeni.

Ukukanya loku, e si kuluma ngako, a ku pum' ezikoleni na ku ma kolishi.¹ Ku njengaloku be si-tshilo nge langa, sa-ti lok' ukukanya a ku sik' o kwe langa. Na

¹ Colleges.

lapa-ke, si ya-tsho, si-ti lok' ukukanya e si kuluma ngako, kepa ku itshe, o ku milisayo no ku xasayo lez' izikole naw' amakolishi.

Po, ma ni buz' ukuti ku ini lok' ukukanya na? Ip' indhlu yako yo bukosi na? Zonk' izinto zi ne-ndhlu yazo. Ne bumba li no mtapo walo, lapa li puma kona; ne golide,¹ ne siliva² si ya l'azi lapa li tatshwa kona. Futi, no kupekwa kwalo, si ya kw-azi.

Ni-ti ma si ni bonise l'endhlu ya lob' ubukosi—ukukanya, o ku pete zonk' izinto; o ku kanyis' ilang' elipezulu; o ku no kukanyis' inhliziyi ne ngqondo yo muntu; ku m pakamise emkatini wazo zonk' izinto e zi kon' emhlabeni. Si ya vuma, si nge sangoma. Si-ti: "Sukumani; wozani si ni bonise."

Kepa, yazini ukut' ind' indhlel' e si zo hamba ngayo; fut' i na meva, i ne zintab' ezinde,—amakand' azo a nga bonakali la e simelele kona. Kepa, noko, si yo lunguz' emkatini ye zimpondo zazo, kumbe ne zinkungu zakona si nga qabuka zi si tela na nga mazol' akona.

Uma ku pum' impi, i ya lungiswa; noma ku inqina, i ya lungiswa; i telwe na nge zintelezi za lolo luhambo, ukuz' indod' iz' i be ne sibindi so kumelana na lowo mkos' onjalo, o qondiwe ibandhla. Ni ya y'azi-k' ingoma ka Tshaka, e-ti: "*Ketan' amagwala!*" Ku njalonjalo, kwa Zulu si se kona na namuhla loku leso sihlahlala (si segqumeni, eduzane ne nxiwa lesibili la kwa Bulawayo), lapa leyo ngoma ya i gidelwa kona amabuto.³ Kut' abesabayo, na magwala, a hlatshwe nge mkont' etshisayo; a ba nga hlatshwanga, ba nikw' inyam' e cwilishw' emanzin' abandayo, ukuba ba yi-dhle. uTshaka-ke o wa ye-nz'

¹ Gold.

² Silver.

³ B. uTulasizwe, k. 51, la ku kon' umfanekiso wa leso sihlahlala.

imkub' enjalo, e-nzel' uku-kutazis' abantu, ba be ngamaqawe. Kw-enza :

uDhlungwane ka Ndaba !
 O dhlung' emanxulumeni,
 Kwaze kwa-s' amaxulum' e sibikelana.
 uSitshaka ka si tshayeki ;
 uNodum'-e-hlezi ka Menzi ;
 iLemb' e l'eq' amany' amalemba ngo kukalipa.
 uTshaka ngi y'esab' ukuti nguTshaka,
 uTshaka kwa ku inkosi ya seMatshobeni.
 Inkomb' e kal' eMtonjaneni,
 Izizwe zonke zi yi-zwil' ukulila ;
 I-zwe uDunjwa, wa seluYengweni,
 Ye-zwiwa uMangengeza, wa kwa 'Kali.
 Uteku lwa bafazi ba kwa Nomgabi,
 Be tekula be hlez' emlovini,
 Be-t' uTshaka ka ku-busa, ka ku-ba Nkosi,
 Kanti ilap' e za ku-netezeka.

Nati-ke, sisezoke si ni hlolisise, ni bone kahle ukuti le nqin' e si puma nayo, i bope i pelele na ? Ngoba yazini ukuti ni pum' e ya soBalule. Indod' a ku funeki ukub' ipind' i 'bek' emuva.

Ukukanya ku njenge nkosazan' e ne sikwele. I tand' uku-banjwa ngazo zombili ; i ya tshelela ; i njenge gwalagwala emkatini ye hlanze. Inkonzi yakona a i buyabuyel' ekaya. Futi, ne pakelo lakona li banzi, li kulu, li duma zonk' izinyamazane, ezincane ne zinkulu. Igolide ne siliva, amatsh' akona. 'Izwe e li gijim' ubisi ne zinyosi. Ngako-ke, izinkonzi za kwa le nkosazana, ukukanya, a zi katali nga luto. Ba gqiza nga matshob' e zinyati, a ba yi konzile.

Into yokuqala,—iko ukub' umuntu a zi nikele ku lol' uhambo nge nhliziyi epeleleyo ; lu be ingoma yake, a yi rub' emini na se busuku. Bonke ba ya pumelel' abanjalo. oAbraham nabo abaroli be zizw' ezimhlope. abaningi, labo si ba fumanis' amagam' abo e lotshiwe

ezitombeni na sematsheni, lapo be yo ku-ma njalo, be isikumbuzo ezizukulwaneni ne zi yo vela, ukuze nazo zize zi nga lahli pansi izitelo zak' ukukanya.

Ngoba isixamo esikulu sak' ukukanya esokuba umunt' e-nziwe ukuti. nom' e hlezi, nom' e lele, a cabange kahle nga banye, ngapezu kwokuba e zi cabanga yena. A tand' izwe lakubo, kanye nazo zonk' izinto e zi pakamis' ukukanya ngo tando o lu ngapezu kwo lwe zinto zonke. Ngako-ke, isinyatelo sakuqala si lula ; iso sokuba umunt' a zi nikele kona endhleleni yak' ukukanya.

Kepa, abanye ba busisiwe, ngoba ba zalelwa kona kuk' ukukanya. Ngob' oyise no nina be izo izinkonzi zak' ukukanya. Pakati kwazo zonk' izizwe, ku lezo e se zi kuk' ukukanya, na kuzo e zi se sebunyameni, ku ya fana. Inhliziyi yo muntu, ekuzalweni kwake, i kalel' ukukanya. Ngob' isihlalo sako si tshaliwe kon' enhliziyweni yo muntu. 'Indhlela kupela e sa valekile, yokuba ku-ze lapo enhliziyweni ; kufike ku hlale, ku bus' esihlalweni sako.

Ukukanya ku namandhla. Ku ya zi ngenela uma indhlela na masango e vulekile, a qonde kon' esihlalweni sako. Isihlutulelo so kuvala no kuvul' inhliziyi yako, si petwe uw' esandhleni. Namuhla u no ku-vuma, namuhl' u no kw-al' ukukanya.

Isinyatelo sesibili,—ukuba ku centwe izindhlela na mabal' o muzi lap' i zo dhlalela kon' inkosazana yo kukanya. Ku gezw' amafastele, ukuz' i bonakale kahl' i hlobile, lap' i si hleli kona pakati, i bus' emzini wayo. Ni geq' izindhlebe zo kulalel' izwi layo ; ni lalel' izingoma zay' ezinhle, ezimnandi. Umzimba wonke u hlotshiswe nge mvunul' egewele yo kupila.

Konke loku-ke ku ngumsebenzi we zikole na makolishi. Izo e zi yo kw-elekelela ukub' u kw-az' uku-vul'

indhlela na masango o kungena yon' inkosazana. Ku funek' ukub' umzimba wako u gezeke; ku funek' ukub' amehl' ako a vulwe, ukuz' a kw-az' uku-qapelisa; ku funek' ukub' izindhlebe zako zi gegeziseke, zi yi-zw' ingomankulu e rutshwa izizwe zonke,—ingoma ye mnyaka nge mnyaka; uz' u hambe kahle, u ne sibindi pakati kwe zidalwa zonke zo mhlaba, ngob' u su z'azi, u zi qondisisa.

Ezikoleni lapo, ilapo indodan' i qala kon' uku-fund' ukucatula no kukanya. Ikona lap' ifik' i funde kon' amaviyo ne ziceme zakubo, ukut' izipi; nokuti zi ngakanani. Futi, ufik' a boniswe kona *imsebenz' emkulu*, abantu ne zilwane, e zi m enzela yona ukuz' a pile. A vulw' amehlo, a bon' umsebenz' omkulu, we sineke, o w-enziwa izihlahla, no w-enziwa umkwani wo mbila, ne bele; imihla na malanga we-mukela kul' ilanga amandhla no kufudumala kwalo, u ku bope, u kw-enzel' izinyanda; u ku valele kona pakat' enhlamvini yo mbila, ne bele, no batata; lapo, wena muntu, u tolana kona na la mandhla no kupila, na lok' ukufudumala kwe langa,—e se sombuluk' esiswini, ekudhleni kwako.

Futi, kona lap' ekudhleni si ya buyela, ngoba ileso sitelo se-hlukile kwe zinye, ngako ukuba si ku patel' olwas' uhlobo, no kudhla, no kupila o ku funek' emzimbeni wako; o ku qoqwa izo lez' izitelo elangeni na semhlabatini. Ngako-ke, zonk' izilimo lezi, zi no msebenzi, wena muntu, o fanel' ukub' u wu qondisise, u w'azi umsebenzi, u wu fundisise lowo msebenzi; futi, u zi kete ngo ku z'azi, ngob' u qond' izinto e zi ku fumbetele zona wena muntu.

Into-ke enkulu lap' esikoleni, iyo yokuba nawe w-amukele lona lelo vuso o li fumanisayo kuzo zonk' izinto, ne sineke so ku kulis' umsebenz' o w-enzayo uz'u pelele, u qame, u be sobala, njenge nhlamvu yo mbila.

Intutwane ne nyosi, naz' izilwan' eziningi, zi nak' ukwazi kwa lol' udab' e si kuluma ngalo, amandhla ne ntando yo kupikelela, ne sineke so kupumelelisa umsebenz' o wu peteyo nge zandhla zako.

Ezikoleni lapo, ikona lapo futi u yo boniswa izita ze mpilo ne zo msebenzi wo muntu. Lez' izita: ukula, inhlava, isonane; zonke lezi si-ti izita zo muntu ngokuba zi kataza, zi bulale izihlobo zo muntu, umbila na mabele, ne zitelo zonke. Izita zo muntu ubuvila, no ku-nga-vumi uku-twal' ijoka lo msebenzi wake; a li-wise pansi. Nga leso senzo esinjalo, u tikimez' inqola yo kukanya, ukub' i nga fiki pakati kwe-zwe lakubo ngamandhla; ukuze nabo ba kanyise njenge zizw' ezinye e zi sekukanyeni.

Into yesitatu,—ukub' utshetshe u fun' uku-kanyiselw' emqondweni wako into noma umsebenzi o wu fundelayo. Kutu, lap' umoya wako u su kw-amukele loku, u bambelele kuko nge zandhla zozibili, uti ngqi; ku be o ngapansi no ngapezulu. Kepa, kuze ku gcine wena ngapezulu.

U qonde kahle ukut' isineke int' enkulu kakulu; a u nak' uku-pumelela ngapandhle kwaso. Si ngamandhl' ako, a yo ngoba zonk' izikubekiso o yo zi fumana zi ku vimbel' endheleni yako. Futi, isineke iso, umfundisi wak' omkulu, wo ku-ku-fundisa ukucolisisa no kugeqisisa izinto, ukuz' u bekwe esihlalweni esipambili kwa bate-mbekileyo lapo emsebenzini o wu ketileyo. Futi son' isineke, uma u nga ka si lahli, si ya kwaz' ukuba si ku londoloze, si ku qinise lap' esihlalweni, u-dhl' umvuzo wako, wa batembekileyo.

Si-tshilo sa-t' indhlel' inde e ni yo hamba ngayo ku lo mkos' e si wu pumileyo, si fun' ukukanya. Kepa-ke, se si tand' ukuba si valelise isikatshana, ikona nizosale ni cabanga, n'etshise lez' izinto ne zinyatelo e si zi beke pambi kwenu. Izo izikali lezo e ni yo hlabana ngazo.

Si cel' ukub' ukukanya nize ni ku pate nge zandhl' ezihlonipekileyo ; ku isipo e si vel' ezulwini ku Nkulunkulu, yena yedw' o waziyo isihlalo se nhliziyiyo yomuntu ; wa beka pakati kwayo le mbali yo bukosi bake, ukukanya.

35

UKUKANYA

II

UKUKANYA loku *ukwazi*. Ku fana ne langa, lona liti li nga puma, bese ku kany' indawo yonke. Kakuko balana la imsebe yalo i nga fikeli kona. No kwazi, ku ne msebe e njeng' e ye langa. Kepa-k' ukwazi, nxa umunt' e se ku zingela, e zingela ngo kuqinisa, u fumana ku ne zindhlel' ezininginingi, ngako ngoba ku ngeko muntu, na silwane, na nyoni ; na silimo, na sitelo, na muti ; na nhlabati, na moya ; nani-nani, la ku nga finyeleli, ku tinte kona. Ku iso e li buk' izindawo zonke ; e li tand' uku-bon' isimo, no kupila, no kunyakaza, no kusebenza kwe zinto zonke, nge zinhlobonhlobo zazo. Ka ku na mkaulo ; ka ku na mncele la ku nqunyiselwe kon' ukuti a ku ng'eqi lapo.

Po-ke, isikung' esingaka si nga qedwa inqin' elingakanani ? Izinyamazane zi gewel' indawo yonke ; zi lind' abazingeli. Abazingeli bona ba se bancane, ka ba ka s'aneli. Na namuhla loku, umkos' u sa hlatshw' izintaba zonke njenga kuqala. Ku ya menyezwa, ku-tiwa : "Wozani ! Nans' intando namuhla ! Wozani, s'enz' inqina sonkana, si zingel' *ukwazi* izindawo zonke ; ngoba se ku bonakel' ukut' ukupila kwo muntu ku ngalapo. Wozani ni zo kw-elekelela nonkana ; ku nga sali no yedwa." Li-tsho njalo-k' izwi.

abeLungu bona, kanye ne zinhlob' ezinye, kade ba

yi pum' inqina ; sekuze kwa pel' amakulukul' e minyaka be zingela. Ba zingela njalo, ba ya tola. Izinyamazane a se ba zi hlaba, nazi ni zi bona : si-tsh' okunjengo kupat' izwe nge mtet' engcono, no ku pezis' izimpi (ku nga bi iloku ku-liwa malang' onke, njenga kuqala), no ku tet' amacala (abantu ba nga bulawa nxa be ng'one luto) ; ne mifundo ; no kuloba ; kanye ne zitimela, ne mikumbi, ne zingubo, no kudhla, ne miti yo kwelapa, nani-nani okuninginingi, loku okungati kw-enzelw' uku-siz' abantu bonk' ezinhlupekweni zabo ; ku ba ncede ekuhambeni, na sekupileni, na sekuguleni kwabo.

Ukukanya loku ku-tsh' *inhliziyiyo yo kutand' ukw-az' izinto zonk' e zi semhlabeni* lezi esikade si zi bala ; ngob' umuntu, ut' a nga y'az' into, a y'azi kahle, ingabe ku ini, usuk' e se tol' ukukanya njalo. *Ukukanya uku-zuz' ukwazi* ; uku-tolana no mqondo malungana ne-nto o su yi bonabonile, o bu nga y'azi kuqala ; na bakini futi be nga y'azi.

Umnt' o se ngenelwe ukukanya, osuk' e ne nhliziy' e nxanel' ukwaz' o ku ngapezu kwa lok' a zalelwa kuko ; o fun' uku-qubekela pambili ; o fun' uku-zi-ti hlasi izikali zake, nay' a gijim' a yo zingela na bany' esikungweni se Nkosi. Ukukanya ku njalo-ke ; ku banzi ; ku njengo lwandhle, kodwa no lwandhle ku ya lu dhlula.

Nanso-k' into a ba kwelene nay' isibil' abamhlope, ni nga b'azi nje ukuti ba 'bekepi. Kodwa, a ku kwabo bodwana ; okwenu nani. Ku sweleke kunye nje, ukub' umunt' a vulek' amehlo, a ngenelwe ile nhliziyiyo yo kutand' ukwazi, o ku njengokuti u tand' uku-qubekela pambili.

Ngoba-ke, ukwazi ku ne zindhlel' eziningi, ni yo zi qomela nin' e ni yi fisayo, ni hambe ngayo nxa se ni zingela. Izinhliziyiyo za bantu ka zi fanani ; e yo mLungu ka i fani ne yo mNtungwa, ne yo mNguni, ne ye Lala ; ne yo

mNtungwa ka i fani ne ye Lala. Kw-ahlukile; ku-ya ngo kudalwa; ku bizana ne zindhlelandhlela lez' eziningi e zi bang' esikungweni la ku zingelwa kon' ukukanya.

Ku yo hamba ku hambe, bese ni bona nonke manje ukuti kant' ukukanya loku ku-tsh' *umsebenz' omkul' onzima o fanel' ukw-enziwa*, o nge na ku yekwa, ngob' u tolis' ukupila ku bantu bonke. Niyoti nxa se ni ku bona loko, kuyoba-ke so ku fik' ilanga lokuba nani ni linganise ngokwenu uku-pons' itshan' eSivivaneni so Kwazi, lo kw-elekelel' a ba yo vela ngemva kwenu. Tina ba namuhla, sonke, si-dhl' izitelo ze misebenzi ya okoko betu; nati-ke, ifa lel' e si nalo, a si l'andisel' isizukulwan' e si yo landela tina.

36

UMUZI WE NKOSI O WA U YO KWAK' EMABUNWINI

iNkosi yā-ti a ku yo kw-akiw' umuzi wayo pezu kwe Ngwempisi, eSwazini; lapa ku gcina kon' isikonkwane sa baQulusi. Kwati, lap' u s'akiw' amadhlalanga, kwase ku fik' amaBunu e itshumi, e na maBun' amabili. A-ti: "Ini le na?" Za-t' izinduna, uSikobobo, wa seba-Qulusini: "Ku zo kw-akiw' itanga le zinkomo ze Nkosi."

A-t' amaBunu: "Po! A nga celi na?" Wa-t' uSikobobo: "U zo cela, éyenu ini le ndawo na? Lok' e ka Cetshwayo na?" A-t' amaBunu: "A li ka Cetshwayo lel' izwe. Sa li nikwa uMpande." Wa-t' uSikobobo, ne zindun' ezinye: "Lel' izwe iloku la dabuka li nge la kwa Zulu; a li bonanga l'akiwe amaBunu." A-ti-k' amaBunu: "Wo! Si ya u' fika kusasa." Wa-t' uSikobobo: "Niyoba ni yimpi, ni nge-za. Niyoba n'enz' igazi." A-ti wona: "Ca! A si impi; si za

wu fuz' umuzi lo; si wu suse." U-t' uSikobobo: "Niyoba ni yimpi, ni nga wu cita." Hayi-ke! Kwa lalwa-ke. Kwa hlatshw' izinkomo nje.

Ku ya-sa kuti dwi, a ye pekel' izinkalo zonk' amaBunu; e hamb' e gibeke; e hlomil' impela. Ba be ya linganise uku-gewal' izinkalo, be gewele nab' izinkalo zonk' aba-Qulusi. A ba yi bon' enye ya baQulusi, ya se-Badeni, o ikala e li hamba pambili; e li hamba no mfo ka Siyikana, uGedhleza, induna yabo. A yi boni nje, i sitele; ka yi basile. I fike kusihlwa. A ya basa yona, ya fika ya tula nje; ya qapela. Kwati-ke, le ya baQulusi, e petwe uSikobobo, ya basa.

Kwati lap' amaBunu e linganisa lap' amazob a kaule kona, e-ma sengati a nga ba linganisela, a ba buyisele nganxanye. A set' ub' a linganise ati du-ke, se ku dhlul' induna i ya u' buz' ukuti: "Ni y'aka na?" Ba-ti: "Se s'akile!" "Kanti ni hlab' ezetu izinkomo na?" Ba-ti: "Ni zi bona ngani ukuti ezenu, loku nge ze Nkosi na?" "Lu boneni pel' upawu lwenu, no mbala wenu." Ba-ti: "Qa, a si wu boni." Se u ya yi biza-ke uSikobobo; u se-ti a yi hlome, i-ze kuye.

I si hloma; i qed' izwe lonke nya. E ya se-Badeni i sa tule belu, i sa qapel' o ku ya u' vela. I tul' emfuleni. I si ya sondela le ya baQulusi. U se-t' uSikobobo: "A y-ake!" A se-t' amaBunu a ku sukw-akiwa. uSikobobo u-ti a kw-akiwe; ku sitshulw' utshani; ku fulelwe won' amadhlalanga. A-ti wona: "Si za ku-wu-fuza, si wu tshise." U-ti-k' uSikobobo: "Niyoba ni qat' izwe-ke. uCetshwayo ka-lwi nani. U zo kw-ak' umuzi wake, we zinkomo zake." U ya fulela-ke, u ya fulela-ke. A se-za-k' amaBunu. I si-z' i-z' i-za; ifik' i-ma.

A-t' uSikobobo: "Ni hlomile ini na? Loku tina, a

si hlomile na? Ingani uCetshwayo uyena e hlangene nani na?" Ba-ti: "Ca! A si hlangene naye; oyise a bā bulala tina." Ba-ti a ku ketekane amadod' a zalw' eMgungundhlovu. Kwa-tiwa a bako; a ba ka Cetshwayo bodwa. A ba ka Mpande a bako.

Se ku qamuka amaSwazi, ngoba kw-akiwa nje, kw-akiwa na maSwazi; kw-encikene nawo amaSwazi. Kut' ukuba ku qamuk' amaSwazi, u ya buz' uSikobobo, u-ti: "Ini leyana na?" A-ti wona: "E yakini. Ingani ni hlangene na maSwazi na?" A qamuka, nawo a qed' izwe; a hamba pansi.

Ba-t' uSikobobo a tumele a yo buza ukuti iyipi le-mpi na?" A-ti: "Iti; si nga ba ka Mswazi ka Sobuza. Si-zwa ku-tiwa ku kon' iNkosi, uCetshwayo." Ba-ti: "Po! Izinkomo zipi e ni za u'-m-hlabisa zona na?" Ba-ti: "Si bon' impi ya mahashi, e hambe ebusuku kwaze kwa-sa. Si zo hlola yona; loku uCetshwayo wa si nika, wa-ti ka si yi 'beke le ndawo; e ye zinkomo zake. Laba, ba za u' funani lapa? Lok' uSikobobo u si tshelile, nga le nyang' efileyo, e-ti ku za u'kw-akiw' itanga le Nkosi, le zinkomo e zi lala kona."

Zi-ti-k' izinduna: "Wo! Hlalani kona lapa-ke. A hlomile. A-ti a za u'fuz' umuzi, a wu tshise." A-t' amaSwazi: "A soze a wu fuze, a wu tshise. Izwe le Nkosi leli. S'alusela kona izinkomo ze Nkosi, za seBadeni." "Kuhle-ke ku-z' izinduna." Se zi ye-z' izinduna za maSwazi, e zi amatshum' amabili a na bantu abashiyagalombili. Wo! Se be ya fika-ke, kon' empini.

A-ti-ke amaBunu: "Ni zo kw-enzani lapa na?" Zi-ti-ke zon' izinduna: "Si buz' ukuti ni zo kw-enzani lap' ezweni li ka Cetshwayo; loku naz' izinkomo za seBadeni zi-dhla kona na?" Ba-ti, amaBunu: "A zi suke zi hambe." A-ti-k' amaSwazi: "Ini, e ni zo

ku-lwa. Ni qale nini uku-za ku le ndawo na?" A se ya suka njalo, a-ti: "Si ya u' fika ntambama." Se ku qum' isibamu-ke kwe yakiti; ba tshay' iqina. A se penduk' amaBunu, e se ba komba nge zibamu. uSikobobo u se pakamis' iqina, e li nyakazisa pezulu; e ba kombisa. Ngo kusuka kwabo, se ku qamuk' i-'Bade na maSwazi. Se be qamuka; babuye ba buyel' emuva. Ku qamuka futi amaSwaz' amanye, a be sitele nge zansi. A se-ma njalo-k' amaBunu.

A se-ti: "Kanti ku kon' eny' impi na? E nga pezu kwa lena na? Kanti, si pakati!" A se buy' amany' amaBunu, a ngamadoda. A-ti: "Hau, Sikobobo! U fihl' impi, kant' i nkulu na?" U-t' uSikobobo: "Ngi yi fihle, kanti elenu lel' izwe na?" Wo, a se kukula-ke. U-t' uSikobobo: "Ni nge-zi; niyoba ni ya m qal' uCetshwayo."

Ba-ti-ke: "Lo muz' owakiwayo, ibizo lawo na?" U-t' uSikobobo: "Ku kwa iNdhlabeyitubula,"—ngoba kw-akiwa nga mandhla.¹ A se hamb' impela-ke. Se ku hlatshw' izinkomo. So ku fulelwa nje amadhlalanga. So ku buyisw' izinkomo. Se ku yo gaulw' amahlahl' oPongolo. U su wakiwa nje, u pela.

Impi ya hlal' inyanga, y'aka. Ya isiz' i ya kukula-ke. Se ku sal' e seBadeni, bona a ba lind' izinkomo ze Nkosi. Ababe ba se-za amaBunu, ngo kutsho kwabo. Kwā ponseka kwa yimpi mhla loko.

¹ 'Lel' igamu sengati li-tsh' inkomo, et' i-dhla, ku be iloku be yi hlukumeza.

37

IMPI KA ZIBEBU YA soNDINI, NO KWĀ VELA NGEMVA KWAYO

iNkosi (uCetshwayo) ya i hlezi nje oNdini, i ngenisile nje; amabut' e yi kake pakati, iNgobamakosi no Kande-mpemvu; induna ya soNdini ku uMnyamana ka Ngqengelele. Tina mabuto, sa si-dhl' amatshwala nje.


Ibe iyate iNkosi i ya yi paka, i yi bangisa kwa Zibebu, —ngoba yon' i bi tand' uku-m-hlasela, kw-al' uGwalagwala.¹ iNkos' i ya fukuzela, u yi buyisela pansi. U-t' uGwalagwala: "Ingan' uSomsewu wa ye ku beke ngapetsheya kwe Mfolozi, eMtonjaneni na? Usubuye w-enze njena na? U pind' okunye futi na? Ingan' abeLungu ba ku bulele ngako loku na? Ngob' u nga wu bamb' umteto wabo na?" iNkos' i-ti: "A ku be kanye!" (ngob' i fun' ukw-eqa lok' o ku kulunywa uGwalagwala).

Kwati-ke, ku hleziwe kanjalo, kwase ku fika yon' impi ka Zibebu.² Ngo ku-zwakala kwayo, so ku fik' iNdhlavela; ya memeza, ya-ti: "*I ngēne!* iNkosi yaze ya-fel' endhlini na? Imp' i si fikile. Yaze ya ngena na?" uZibebu lo wa ye vuke nganeno kwe Mfoloz' eMnyama. iNdhlavela ya i pakiwe, i pakelw' uku-yohlola; i maviyo matatu. Se si puma-ke; safika sa yi bona nga mehlo; i kwe li Mahlikihlikana (umuzi we Nkosi, ifik' i pum' ezansi).

I si bonakala. Site si bang' eNkosin' ekaya, si yo kip' iNkosi, u se y'alel' uQetuka, be no Mnyamana. I si pakeka. I si ya qamuka-k' impi ka Zibebu,—ekuseni, be nga ka hlamb' abantu. I qamuka ku Mtanotengayo,

¹ Utende wake, a hlala kuwo, wa u kwa Sitshwili.

² Ya fika ngo 21 July, 1883.



uZIBE U KA MAPITA

(wa kwa Mandhlakazi).

“uMababal' a hlome, ka dinwa ukuhloma;
uSibindi si mnyama sonke, ne nyongo yaso.”

o sokalweni o lu tshon' eNhlungwane. I si-za nay' ekaya-ke.

So ku puma tina Ngobamakosi; so ku pum' uKandempemvu; so ku pum' uFalaza; so ku puma wonk' amabuto-ke—uTulwana, no Nokenke, no Mbonambi, no Mxapo.¹ I si-yelana-ke, a ba ka Zibebu be kuza ngokuti: "Wa tshetsha! Wa tshetsha!" Tina si-ti: "Usutu! Usutu!"

Ngo kuyelana kwayo, i si hlangana ne Ngobamakosi emanqweni (ukub' i fika kuqala). Amabuto, ngo kuhlangana kwayo, a se baleka ngo moya, e nga bambile. Tina, Ngobamakosi, a si ngenanga kwe ka Zibebu; bā si vimbela nge sibamu. I si-za ne Ngobamakosi-ke, i si si xotsha; i si xotsh' uKandempemvu; i si xotsh' uFalaza; i si fika ku Mbonambi, nay' i si m xotsha. I si fika kuw' amaMboza (uTulwana). Isiz' i yi ngenis' ekaya.

Amabut' a se zula ngapandhle nje; ka sa ngen' ekaya. Ku ngen' uTulwana kupela. Se si dhlula ngapandhle si baleka, si tshiy' iNkosi. I si bambana no Tulwana ngapakati. U se ngena ngenhla kwo muz' uZibebu, e kwelel' ehashini lak' elinsundu ngo ku ba mdubu. U ngena nga sohlangotini. So ku buya le e bi xotsh' amabuto. I si bambana. I si gwazana. Kwa ba ubunikiniki. I si m hlanganisela ngapakat' ekay' uTulwana. Se be yi tshaya be yi qotula. So ku semin' enkulu lapo. I si yi-ti nya.

I si puma-ke. I si landel' amabuto. I si yi xotsh' iz' i yi tel' eMfолоz' eMhlope. I si buya-ke. I si tshis' umuzi-ke. U se-t' uZibebu: "Musān' uku-tshis' umuzi. Na tshis' utshwala bami na? Lo se ngi m ahlul' umfokazana na?" I si-dhl' izinkomo-ke. I si ngenisa kon' ekaya. So ku-tsh' amadhlāngal' odwa.

¹ =iMpunga.

So ku buy' amabuto-ke, ka Zibebu. U se yi pekela. I si suka ntambama ilanga li ya u'tshona. I si enyus' iMfолоzi, ub' eti u funa yon' iNkosi. Useb' e ya fike lapo, ku-tiwe: "iNkos' i dhlule."

Yat' iNkosi, ukub' i-zwe ukuti ku xotshwa eyakwayo, i si suk' ekaya; i kwel' ehashini. Ya puma nga sesibayen' esikulu. Ya i si tshon' eNtukwini. Ya i si eus' iNtukwini. Lase li hlal' ihashi ku leyo ndawo, ukub' iNkos' i tiywa imiti ya sehlanzeni. Ya i s'eus' iNtukwini. Isiz' i yi wel' iMfолоzi. Ya i si catsha.

Yati, ngo kucatsha kwayo, kwase ku fik' amabuto; amabuto āz' a yi bona. Ya bonwa ixiba e la li hamba no mfo ka Mahlokwe, wa seMdhetsheni. Bati, ukuba ba yi bon' iNkosi, ba yi kaka. Wa qamuk' umfokazana ka Somapunga, wayes'e yi hlaba, e yi ciba; wa yi hlab' etangeni, la ngakwesokudhla, ngehlana kwe dolo.

Ute lap' et' u gqabul' omuny' umkonto, ya i si kuz' iNkosi, ya-ti: "Hau! Mfana ka Mahlokwe na? U ngi kapel' abafana na?" Kwat' ukub' i ba kankate, base b'etuka. Se be-ti: "Ndabezita, be si nga ku boni ukuti uwe Ndabezita!" Base be baleka. Elamuva (inxeba) a li ngenisisanga, la xakalaza; é lo kuciba nalo lelo; nalo la ba nga ku leyo ndawo (nga setangeni).

Amabandhla a ye gijima nge cala. Umfo ka Mahlokwe wayes'e zi tukuza. Amanxeba k'opanga; a sineka nje. Kwase ku fik' abafo ba ka Somfula-ke lapo, wa kwa Hlabisa; a ba be zinceku kuqala, kuse kwa Zulu, kodwa se be nga ku Zibebu. Base be bek' umhlanga. Se be wu cija. Amanxeba ba wa futa nga manzi, be wa geza. Kwase ku tolakal' ukwopa kakulu. Base b'ebul' umunga, amagxolo, se be yi bopa. Kwa ibona-ke e se be yi yalel' indhlela. Ba-ti: "Qa, Nkosi, nans' indhlel' o nga hamba ngayo, e zo ba pandhle kwe-mpi. iNkosi-ke ya

ku-tol' ukuba i hambe ngo kupola. Abafana ba ka Somfula ba fikele muva eNkosini, a ba hamba no mfo ka Mahlokwe se be dhlulele ngapambili.

I si suk' iNkosi-ke, y-enyus' iMfolozi. Isiz' iy' i lal' enhla ne Mfolozi. I si vuk' ebusuku, i si bang' eSizebeni (w-ake nga seMakeni, umfula). I si wel' uMkumbane; i si dundubala pezul' ezinkangala; i si bang' eMhlatuze. Isize i wel' uMhlatuze. I si bang' eNkandhla. I hamba njalo, i hamba no mfana ka Mbangambi, uNqumela, iMbokodebomvu. I si hamba no Ntabeni ka Ntobolomngwana.

Isiz' i ponsek' eNkandhla, eMome. Isifik' i ngenis' eMome; i si ak' amadhlangala. So ku fik' umdhlunkulu, izixebe zayo. So ku fik' umaQetuka; so ku fik' umaNtobolongwana; so ku fik' umaGodide. U se butana wonk' uZulu, e bange kuyo leyo ndawo. uZulu usefik' ak' amadhlangala. U s'ak' umuzi-ke we Nkosi wa seNhlweni, eduze ne Mome, nga sempopomeni.

uMnyamana yena, undunankulu ka Cetshwayo, wā sind' empini ya soNdini, nay' e sinda nga mahashi. No Qetuka wā sinda.

IZINDAB' E ZA VELA NGENVA KWE-MPI KA ZIBEBU YA
soNDINI.

Kw-ānel' uku-f' inyanga ya banye, kwase ku fik' izigijimi e zi pum' emakosin' a beLungu, a seTshowe. Se be-ti: "iNkosi ka yi pume [la ehlatini la seNkandhla] i-ze lap' eTshowe." iNkos' i si yala. Sezize zi be zining' izigijimi iNkosi y-ala.

So ku fik' abeSutu. Se be yi kip' abeSutu. Se b'euka nayo. Isiz' iy' i fik' eTshowe. Isifik' i ngenisa kon' eTshowe. So ku gijim' amabuto-ke. E se bang'

uku-yo-xaula. I si ngenisa-ke kon' eTshowe ngapakat' ekaya.

I si hlala, ku pel' inyanga. Sokuze ku pele ne yesibil' inyanga. Sokuze kw-etwas' eyesitatu. I si-fa-ke. I siti, ngo kufa kwayo, so ku tengw' ibokisi.¹ I si fakw' ebokisini. Se be-t' amakosi ka yi tshalwe kona ku leyo ndawo ya seTshowe. U se nqaba-k' uZulu.

Se be yi tat' ebusuku-ke. Se be yi fak' enqoleni. Isiz' i fik' eNkandhla. I si lahlwa-ke, eNkunzane. Seku-tiwa a ku letw' imali-ke—yo kutela. Se si-ti a si soze sa tela si nga ka li pum' ihlambo. Se zi ba zining' izigijimi. uZulu u s'enqaba, e-ti: "Ngeke si tele!"

I si hloma-ke. I si fik' eNkandhla. I si-za nge mzil' embili. Omunye u su wenyus' iNsuze; omunye u tshaya pansu ku ka 'Komo. I si hlangan' ekuseni. Se be-ti ba yo ku-yi-mbulul' iNkosi, lapa si yi tshale kona; ngoba si nqab' uku-tel' imali.

I si yi bamba-ke, e ya kwa Ndube ka Manqondo. Isiti, ukub' i yi bambe, amabandhl' amanye a hlezi, a ya 'bukela. I si bang' umzila, o bu yo kip' izinkom' eMome. I si ba lahlis' izinkomo. I si yi bamba, i yi xotsha. Isiz' i yi tshonise ku Nkolotshana pezulu. I si yeus' iNsuze. I si yi gwaza, i yi tshay' i yi qotula; yona le e ya i pum' emakosini. I ba gwaz' i-ti: "Na' imali yenu, e be ni zo ku-yi-funa!" Se li tshon' ilanga. Lap' i qal' uku-wel' uMkalazi, la tshon' ilanga. I si buya naz' izinkomo. I si hlab' irub' elikulu, lokuti:

"Ho—ho! Wo—wo—wo—!
Ketan' amagwala!
Wo—ye—ye—ye—yi
Ketan' amagwala!"

I si buya ne zinkomo, e bese be zi-dhlile. I hamba no

¹ Coffin.

mfo ka Ntobolongwana, uNsungulo. I si ngenisa ku Mkungo ka Manqondo. Usefik' e yi hlabis' izinkom' ezimbili. Isit' i sa yi-dhl' inyama, so ku-zwakal' ukuti: "Nangu uZul' u se ngene," lo o be hlez' emini; o petwe uQetuka ka Manqondo.

I si yo vimbezela lapa ku ngenise kon' abeLungu. U se fik' ebusuk' uZulu. Ayes'e yi tshay' e yi qotul' amasotsha. A se yi xotshela ku Komo pezulu. So ku pansi ku ka Komo, esikalen, i si hlangana nayo, lapa ku-sayo. I si kupukela pezul' ehlatini. I si m tshaya i m qotul' uZulu.

I si dundubala pezul' eNkandhla, eSibudeni. Isifik' i ngenisa. So ku fik' isigijimi; soku-tiwa abeLungu se be fikile. I si hlakazeka-ke; i balekel' abeLungu. U se kupuk' uDinuzulu, u se baleka; u se bang' oSutu. uZulu u se hlakazeka. Usez' ay' a wel' uTukela. U se buya ngapetsheya kwo Tukela.

So ku fik' izigijimi zi ka Malimade, ukut' uZulu ma buyel' emakay' ezindhlini. Sokubuye ku fik' abeSutu; se be m telis' uZulu. Se be-dhl' izinkomo. Sebetshiya be zi qotula, lonk' izwe; be liti nya. uZulu u se ba nkomo-ke.

U se landel' amakosi ne zinkomo zabo, abese be zidhlile. So ku landel' uMuntompofu ka Manqondo. Usez' ay' a fik' eTshowe. Sebefika be m nik' izinkomo. Se zi kitshwa-ke izinkomo. Se zi kitshwa yonk' indawo. So ku ukubuyela kwa bantu bonk' emakaya. Se li zinz' izwe, li hlala pansi.

**UKULAHHLWA KWA MAKOSI, (a) UMPANDE,
(b) UCETSHWAYO**

(a) UMPANDE

Nxa ku-f' iNkosi ya kwa Zulu, ku hlalw' izinyang' ezimbili, ne zintatu, ne zine anduba i hlalwe. Umkuba wakona lowo. Ku ya fihlwa ma iNkos' i gula; ku fihlelw' izizwe, ikona zi nge ku-z' uku-zo-hlasela. Abantu ba be tshelwa *nge lang' iNkos' i zo hlalwa ngalo ukut' i-file*. Kuze ku dhlul' izinyanga kuloku ku-tiwa "iNkos' i ya *dunguzela*;" "iNkos' i ne sifutane."¹ (Ku ngatshiwo nakancane ukut' i ya gula, nom' ukufa so ku kulile.) Iti-ke, i nga-fa, sekude ku hlatshw' izinkab' ezimnyama, zo mgando; zi hlatshwe nganye nganye, malang' onke.²

¹ Ukut' i no mkuhlane.

² Okunye-ke futi, se ku-zo-hlalw' *ihlambo* (ububi), ngoba naku abantu be-felwe iNkosi yabo. Loko-ke ku-tsh' *ukuhlasela*. Ku kitshw' impi, ku-tiwe ma i yo hlasel' ezwen' elitile. Ngo kubuya kwayo, so ku hlalwa nje-ke, ku buswa. iNkos' entsha ka i ka tungi nga leyo nkati. Nxa i si fun' uku-tunga-ke, ku zo pum' imp' enye, *yo kuland' usinga*; ngob' iNkosi ya kwa Zulu ya i nga tungi ngo lwe zay' izinkomo, i tunga ngo lwa sezizweni. uSomsewu o wa-ti a ku pele konk' ukwenz' okunjalo; nembala, kwa ngamuka.

Ngo kufa ku ka Mswazi, kwa Ngwane, kwa pum' *ihlambo*. Impi ya dabul' ezizweni zonke za beSutu. Ya ngena ku Mjantshi ka Tobela; ya ngena ku Maphapele ka Luvalo; ya ngena ku Makatu ka Soma-bulana; kanye na banye. Lelo hlambo-ke la kitshwa uMzamosa, uMzamosa, uMzamosa, o wa ye gane ku Langalibalele,—wa zal' uSiyepu, inkosana. uMzamosa yena wa-y' eSwazini ngob' e yo kala. *Ihlambo* u li kip' e se kona lapo kwa Ngwane.

Indab' e tand' uku-xumelela ku le, e ka Tifokati, [*B. uBaroxele*, *kk.* 160-165], o w'endisilw' uSomsewu, ngob' uMswaz' e-sab' uku-hlaselwa impi ya kwa Zulu. uMswazi wadhlula w'endisil' uMnyamana (ka Ngqengelele), undunankulu ka Cetshwayo. Kwa pela manje uku-hlasel' eSwazini.

So ku ketw' amadoda-ke, amadala kupela, a zo hlal' e yi lindil' iNkosi. Endhlini-ke, lap' i bekwe kona, kuzode ku tshisw' amatambo na mafuta, o kw-enzelw' ukuba li nge-zwakali ngapandhle ipunga le sidumbu.

eSwazini, iNkosi ya i hlal' isikat' esikulu; iti, nxa i si zo lahlwa, ku lahlw' amatambo kupela; ngob' umzimbi u su bole wonke, waze wa pela.

Ku Mpande-ke, kute lap' e se zo ku-fa, ya i si tum' amaxus' induna (uMundula), i tum' uBaleni no Sinkwasomsutu, uku-yo-bikel' uCetshwayo ukut' uyi' u se gula kab' impela; u se totobala. Nembala ba-y' oNdini (wa u se nga kwa Ndhlayangubo nga leyo nkati). Bafike qede, ba m fuman' e sesibayeni pakati. Base be m tshela-ke, ba-ti: "Ndabezita, amanga! Se ku-ze lapa kiti!" U se kala-k' uCetshwayo; u se-ti ma ba m landise konke, kon' e yo-zwa kahle.

Kwati-ke ub' a bone-ke manj' ukuti kant' iNkos' i si zo ku-f' impela, u se-ti ku Baleni: "U nga pumi wena; ngi nga ku bulala. Kwa kw-enzelwani ukuba ku bulaw' abant' a ba lahl' iNkosi na? Ba be umgando na?" Wayes'e-ti "na bafan' a ba hlezi ne Nkosi"—u-tsh' ibuto njalo, uMcijo—"ba nga pumi; ba hlale kona kwa Nodwengu lapo. Ngoba, ma be pumile, abantu ba yo papateka." Wayes'e-ti futi a bo 'bek' amantombazan' a sesigodhlweni; ba qapele, bangaze b'eqe, ba baleke.

Bate-ke ngo kufika kwab' oBaleni kwa Nodwengu, amantombazana ba wa fuman' e se ngapandhle kwo muzi; e se papatek' impela. Base be w'eqela-ke njalo. Kwa dhlul' izinsukwana, ya i si tshon' iNkosi.¹

I-fe qede, kwase ku yo bikelw' uCetshwayo. Kwase ku hlatshw' itole le dun' elibomvu, iNkos' i si yembeswa nge sikumba salo. I si botshwa ngas' isikumba; i si

¹ Ngo 18 October, 1872.

lahlwa-ke.¹ Ka ku kalwanga sililo ngoba ku-f' iNkosi. Umhambo wakona lowo; a yi kalelw' iNkosi. uNandi yedw' o wa kalelwayo. Amakosikaz' a ka Mpande ayes' e puc' emakanda; kwa bulaw' izinkomo e zi yo-dhliwa ibona.

Ka tetwang' amadhlozi. Amakosikazi ka pumanga kwa Nodwengu. Futi, u bu ngek' umgando, ngob' uCetshwayo wa-ti a ku nga bulawa muntu, e-ti, "ba yo lahlwa ini abantu na?" e-tsho ngob' e kumbul' o kwe sililo si ka Nandi. Nom' iNkos' i-file, kwa ku hlatshw' amagama nje, na bantu bedede be memeza pakati kwo muzi, be-ti: "Nang' ubani bo!" kant' iNkosi ka i seko.

Kwa ku fihlwa, ku fihlw' impel' ukut' iNkos' i si-file; loko kw-enzelw' ukub' iNkos' entsha iz' i ngen' ekaya, ku nga ka dum' ezwen' ukut' iNkosi le enye ka i seko. Ukufihl' okunjalo-ke kw-enzelw' uku-kohlis' abantu, kakul' a ba sezizweni. A ba kohlis' abanye ibo lab' a ba hlala ku lo muzi la iNkos' i-fele kona; iwona msebenzi wabo lowo. Kodw' abantu ba be nyenyezana noko, be ba tshel' abakubo; ku nga bi cala kodwa, ngoba nabo ba kw-enz' isifuba.

uMpande wa lahlwa ngapandhle kwe sibaya, enhla naso, emkatini we sigodhlo ne sibaya. U tshalwe nga-

¹ La mazwi sa wa xoxelwa uBaleni ka Silwana, wa kwa Mpungose, uDhloko; wa ye inceku ka Mpande yo kuseng' izinkomo ze Nkosi, kwa Nodwengu; fut' e indun' encane yo Dhloko. Si ku-tsho nje loku, ngoba ku *Baxoxele*, kk. 179-180, ku-tiwa uMpande ba m bopa nge sikumba se *ngonyama*. Wa lahlwa ngaso. Ka s'azi-ke noma kw-eduke mupi lapa; futi, noma mhlaumbe iNkosi baqale ba yi bopa nge se dun' elibomvu, kwase ku gcin' e se ngonyama ngapezulu. Izindaba lez' ezindala, kakul' e zi pat' amakosi, zi lukuni ngako ngoba zide zi pikisana. Ku loku-ke, ko kwembeswa kwe Nkosi, ku pikisan' inceku ka Mpande (e luDhloko), no muzukulwana ka Mpande (okungati u iMbokodebomvu),—abantu ba ngasenhla bobabili njalo labo.

pakati kwo muzi wa kwa Nodwengu; kon' ekaya. Banning' a ba be bukela mhla e lahlwayo. Wa lahlwa abant' abayisihlanu kupela: o*Ntinto* ka Mavama, wa kwa Xulu; no *Mundula* ka Nomansala, wa kwa Ndwandwe; no *Mvubu* ka Gwazindhlu, wa kwa Xulu; no *Kwabiti* ka Tiwana, wa kwa Sibiya; kanye no *Mpezeni* ka Gala, wa kwa Biyela.

Ka bak' abant' a ba bulawa nga lelo langa. Wa lahlwa se ku dhlul' izinsuk' ezin' e-file; wa lahlwa nge lesihlan' ilanga. A bā m ngenis' egodini, ba be bine' imitshan' egugileyo. Futi, ba zi puca, kodwa ba puca se be wu qedil' umsebenzi.

Banangan' abant' a b'eqa kwa Nodwengu ngo ku-fa kwe Nkosi, b'esab' ukubulawa, o kw-enza ukuba ba nga bi baningi kakulu kwa Nodwengu mhla i gqitshwayo. Abantu futi ba be nga tshelw' ilang' iNkosi e zo lahlwa ngalo; ku tshelw' abakulu bodwa. Izibukeli e za zi kona za zi vam' uku-ba izinceku.

Igodi, la li tshona; umunt' o-mi pakati, nxa e-mis' izandhla, za zi nga bonakali. Isidumbu sā twalwa abantu; bati be m fikis' egodini, kanti pakati ku kon' abanye. Se be m amukela-ke laba; se be si bek' egumbini.¹ Lapo-ke se be si sekela-ke indawo yonke nga matshe, amakudhlwana, a ngango kamb' olukulu. Kwati-ke, ukuba ku pele loko, se ku buyiselw' inhlabati-ke, kwaze kwa gwala.

Igodi lona le-mbiwa laze la pela nge lang' elilodwa, kanti likulu, li ngange gebe lo kubamb' izindhlovu. Izinceku e zi pat' amatung' e Nkosi, za zi nga vunyelwe zon' ukuba zi-mbele. Ku-mbiwa nga magej' a piselw' ezixotshen' ezifutshanyana.

Emagodin' a bantu, kuye ku fakw' isele nxa li nga

¹ Igohli.

pelang' ukumbiwa nge lang' e li qalwe ngalo, bese kuti-ke ngakusasa li kitshwe. Loko ka kw-enziwanga kwe li ka Mpande, ngoba le-mbiwa la qedwa nge lang' a ba li qale ngalo.

Kw-anel' uku-buyisw' inhlabati, yaze ya gwala, kwase ku biywa nga mahlahla ne zibonda. Ku biyisisw' impela, kwa hlangan' izibonda; kwaze kwa qin' indawo yonke. Ku biywa njalo, kw-enziw' isibayan' esibanzana; igodi sa li pahlela pakati, o kwenzelw' ukub' az' a-hlulek' umtakat' obet' u ya ngena kona.

Ngob' u kon' umunt' oke wa linganis' uku-ngen' ebusuku, so ku ngamany' amalanga. Za m xotsh' izinja; zaze za m bamba. Lowo muntu wa baleka wa yo ngen' endhlini e sesicamelweni, nga sesibayen' esikulu, ngasenhla. Bate b'okel' ubaqa, base be m bona. Bati: "Ilo muntu! Uwe kanti!"

Kwa ku uMngqongqo, wa semaNzimeleni. Wa ye s'eqiswa uMbopa ka Ngotsha, la ku-sayo. Wa hamba wa pindel' emzini ka Mbopa, kwa Hlabisa. Wa ye nge ku bulawa kodwa lowo muntu, ngoba, nga leyo nkati, wa ye nga ka fik' uCetshway' eMahlabatini. Ku ya bonakal' ukuti wa ye land' inhlabati, e yo capuna; e yo-dhlis' abantu ngayo. Izinja ze Nkosi za m bamba nge zinqe lap' et' u ngen' endhlini. Kanti lo muntu, zi m bamba nje, wake wa nukwa izinyanga za nga kubo; na lapo fut' uMbopa wa nqaba naye.

Umkonto ka wu patwanga nxa e lahlwa uMpande. Wa u yo patwa uba? uCetshwayo kupela o wa ye nga wu pata; yena-ke kodwa u be ngeko, e soNdini, kwa Ndhlayangubo.

A bā ngena pakati kwe godi, uMundula, no Ntinto, no Mvubu; ba ngena be nqunu,—be yi fakile kodw' imnewedo; ba ngamakehla bonke.

Yonke impahla ye Nkosi, ebincwayo ne yembatwayo, ya lahlwa nayo; kwa telw' egodini konkana; imkonto yayo kupel' e nga ngeniswanga nay' egodini; yona ya lahlw' emgodini wa matshe a nga semfuleni. Ka yi lahlwanga nayo ngoba, bekuyot' e se idhlozi, abes'e gwaz' abantu ngayo. Mine imkont' e ya lahlw' emfuleni; i lahlw' emaweni a seNtukwini.¹

Impahl' e ya lahlwa ne Nkos' egodini, amacansi, ne zingubo zo kwembata, ne mitsha. Amagul' a tshiswa; izinkamba ze-mbelwa pansi, ngapandhle kwo muzi.

iNkosi ya i ne zihlal' ezine; ezimbili za zi bazwe umuntu wa kwa Zulu (nasiya esinye si bonakal' emfanekiswen' o ku *Baxoxele*, k. 2, e si hlez' yen' uMpand' uqobo lwake); ezinye fut' ezimbili za z'enziwe uMankankanana, umfundis' o wa y'ak' eNtumeni. Ku-tiwa za tshiswa zonke lezo zihlalo. Indod' e ya baza lez' ezimbili kwa ku uMtomboti ka Mangengeza, wa kwa Mlaba. Wa y'ak' eMfoloz' eMnyama, ngaseningizimu kwayo, eduze no Mlaba, inyang' e kand' imkonto. Umut' o wa u baz' izihlalo umncaka. Wa ye xotshisw' izinkomo nga loko kusebenza kwake. Ka kw-aziwa ukub' uMtomboti lo wa ye ku fundepi uku-baz' isihlalo, kakulu ngoba sa si bazisw' o kwo qwembe,² lona lu puma lukunini lunye.

I ningi kakul' impahl' e ya lahlwa nay' iNkosi, ngoba kwa lahlw' amasongo ne ngxota, kanye no buhlalo.

Umufi o ikehla, si ya sikw' isicoco sake, si susw' ekanda; e si ka Mpande sona ka si suswanga. Wa lahlwa naso.

Ku-tiwa isikumba les' esibomvu, e s'embes' iNkosi, sa botshwa nge ntambo e yalukwe ngo mviti.³ Ikanda

¹ Umfudhlana wa nga kwa Nodwengu, o ngen' eMbilane, uMbilane-ke ubus' u yo ngen' eMfoloz' eMhlope. Indab' enye e pat' ukulahlwa kwe zikali za makosi i ku, *kk.* 45-48.

² Ugqoko.

³ Umtshiki.

lake kodwa ka l'embeswanga nge sikumba; la ba ngapandhle. Kak' amazwi ā kulunywa induna, no munt' omunye nje, nxa i lahlway' iNkosi.

Inxiwa *lakuqala* la kwa Nodwengu la li seNhlungwane; *elesibili* la ba seNtukwini; *elesitatu*, la nga seSizebeni; *elesine*, la ba kon' eSizebeni futi, eduze kodwa na seNtukwini; kwati-ke *elesihlanu*, ne *lesitupa*, ne *lesikombisa*, ne *lesishiyangalombili*,—a ba kona nga seNtukwin' onke lawo. iNkosi i-fele kwe *lesishiyangalolunye*. Ute ukub' a-fe-k' uMpande, uCetshwayo u se w'ak' endaweni la impi ya maNgisi ya soNdini, yokugcina, ya wu fuman' u kona. Ituna li ka Mpande li nga sebunxele kwo mgwaq' o qonde nga kwa Nongoma; li seduze ne Mfoloz' eMhlope; futi li seduze ne vinkil' elidala la seMahlabatini.

Manje-ke, se si zo ngen' e yo kulahlwa ku ka Cetshwayo.

(b) uCETSHWAYO

uCetshwayo lo wā-fel' eTshowe.¹ Isidumbu-ke sase si hlala nje emzini a-fele kuwo, wa kwa Jazi. Kwaze kw'eq' izinyang' ezimbil' e seTshowe.

abaNtwana, abafowab' uCetshwayo,—oNdabuko, no Mahanana, no Ziweddu, no Dabulamanzu, no Tshingana; be kanye na madod' amakul' akubo—base be yo cel' amasotsha-ke, ukub' a pelekezel' isidumbu, ngoba bona be-ti ba fun' uku-yo-m-lahl' eMahlabatini, endaweni ya seMakosini, la kwa lahlwa kon' amany' amakos' a kwa Zulu. Ka wa vuma kodw' amaNgisi. uMalimade yena u be-t' uCetshwayo ka lahlwe kon' eTshowe.

Ba nqab' impela kodw' abaNtwana, be-ti leyo ndawo ya seTshowe *y-akiwe umkwenyana*. Umkwenyana lo-ke

¹ Ngo 8 February, 1884. B. Hlangakula, k. 93, kanye no mfanekiso o ku leyo ndawo.

ku-tshiw' uMfokazi ka Sikonyana o wa ganwa uPopoza ka Mpande, udadewab' uSukani, endhlini kwabo. U sefa-k' uMfokazi; uPopoz' u se gan' uNtshingwayo ka Sikonyana. Konke lok' o kwo mkwenyana kwa ku izwana nje e l'enzelw' uku-kohlisa. abaNtwana bona ba be qond' uku-y' eMakosini, na seNkandhla nje, impi-ke i bi si penjelwa lapo.

Kufike kwati-ke, nge yesitat' inyanga, sase si twalw' isidumbu, ba muka naso, ku-tiwa si zo lahlwa kwa Kiyaza, umuzi ka Dabulamanzi, o wa w-ake nga seNtumeni. Sa fakw' ebokisini; ¹ sa twalwa inqola ka Hambangana, ikolwa. Si twalwa njalo, si hamba nab' abaNtwana labo.

Se-nel' uku-fik' eNtumeni, base be dhlula nas' abaNtwana, ba bekisa nga seNkandhla. Ku-yiwa lapo nje ngoba ku bonwa ku indaw' e ne nqaba, e lungel' ukuba ku nga butana kona wonk' uZulu, lo o zo kala; labo bantu-ke se be zo penduka ba be impi yo kulwa na mambuka, —oHashi, no Mbuzo, no Mavumengwana, no Siyunguza, no Nonzama, no Mgitshwa, no Yamela, no bani, no bani; kuti-ke nxa se ku pelile loko, bese ku yo hlaselw' uZibebu. Nalo-k' icebo labo. Nembala lap' eNkandhl' uZul' ufike wa butana, wa butana kakulu. Ya i si-lwa-ke.

eNkandhla isidumbu sa hlal' izinyang' eziny' ezimbili si nga lahliwe. uMalimade (inkosi ya maNgisi, o wa ye iso li ka Kwini kwa Zulu), u se tum' amaxusa-ke; abate be fik' eNkandhla, ba bon' iNkos' i nga ka lahlwa. Ize ya lahlwa ngo kupindela kwaw' okwesibili. Ka bā vum' abaNtwan' uku-kuluma na manxusa lawo, ngoba be-t' uCetshwayo u bulewe ib' abamhlope. Ba-ti uMzishana (uMisjana), umfowab' uSomsewu, u teng' umuti, wayes'e wu nik' uSikota ka Mpande, uSikota-ke u se

¹ Coffin.

wu nik' uMalimade; uMalimade-ke yena u se m takata ngaw' uCetshwayo.¹

Indawo lap' a lahlwa kon' uCetshwayo ku seduze ne Nkunzana, umfudhlana o pum' emahlatin' a seNkandhla, ubus' u yo ngen' eNsuzi; iNsuzi-ke yon' i ngen' oTukela.

uSigoloza, umnawe ka Ndunge,² ūyen' o we-mel' igodi li ka Cetshwayo. Ukub' uDinuzulu wa ye nge ngane, kwa ku-yo-ma yena; kodwa wa ye nga ka tombi nga leyo nkati. U tshalwa oZiwedu, no Tshingana, no Dabulamanzi, no Mahanana, no Ndabuko,—be kona bonke.

Wa-t' uNdabuko: "Lok' u kon' umnewetu uSigoloza na? A ku-me yena." (Umnewab' uNdunge wayes'e-file.) "Mina ngingatshetshe ngi-fe; ngi hlalwe isitunzi; ngingabe ngi sa zala." Wa-t' uZiwedu: "U qinisile, Ndabuko, lok' uSigoloza nang' u kona; yen' e nge kumbanga." U se suswa pansi (ngoba ku kulunywa nje, ba hlezi pansi bonke). U se-ma-k' egodini. Seku-tiwa a kumul' umuntsha. U se wu kumula. U kunyulwa uZiwedu; yen' ³ a nga wu pati.

Umkonto ka Cetshwayo, u-te uZiwedu a u yo tatwa uNdabuk' endhlini. Nembala wa wu landa. Wayes'e wu nik' uSigoloza. Seku-tiwa uDinuzulu ka sondele, a beke; kodwa ke-mang' egodini ngako ngob' e se ingane; angaz' a kule.

¹ Konke loku amanga nje. uCetshwayo lo wa bulawa ukufa nje o kwa zi velelayo, njeng' abantu bonke ku ba velela. uMalimade wā biz' inyanga ya beLungu, ya masotsha. Yona-ke ya yo si bon' isidumbu, kona kwa Jazi. Ya bon' ukut' u bulewe ukufa nje o ku kuy' emzimbeni; wa li-tsho nje ne gamu la loko kufa.

Le ndab' iti a yi fane ne ka Mbangayiya, e ku Hlangakula, *kk.* 87-90. Na lapa-ke, ekufeni ku ka Cetshway' uqobo lwake, abaNtwana b'Enza nge nkani yabo; ba hambel' ebunyameni obunjeng' obake ku leyo ndaba.

² B. k. 222.

³ uSigoloza.

Inqola le yā bulawa, ya hlakazwa, ya i si bekwa pezu kwe tuna, konke na masond' ayo. Ne zinkabi zi ka Hambangana za hlatshwa, ngoba naku kade be zi twel' iNkosi. uHambangana ka nikwanga luto neze nge nqola na nge zinkabi zake, na ngo kusebenza kwake.

Umuz' u bu ngeko ku leyo ndawo la ku tshalwa kon' iNkosi. Kodwa y-enel' uku-lahlwa, kwase kw-akiw' umuz' okalwen' o lu seduzane. U su hlal' amabuto-ke, la a zo lind' iNkosi.

Ka ku-zwakal' ukuti kwa bulaw' abantu (izinceku), ba ba umgando ka Cetshwayo, njenga nxa ku lahlw' amakos' akuqala. O ka Nandi umgando wā ba mkulu. Izinkab' ezimnyama zona za hlatshwa ngo kufa kwake, na ngo ku lahlwa kwake (uCetshwayo).

Ut' e se-fil' uCetshwayo kwase ku bulaw' imbuzi, inyongo yayo i si hlonyw' ezinweleni zake nga esikaleni so buso, nga kwesokudhla; leyo nyongo kwa ku nge yo ku-m-pelekezela, a hambe kuhle. Loko-ke kw-ēnziwa isidumbu si nga ka fakw' ebokisini. Ibokisi leli la botshwa nge zikumba ze zinkabi. Lite se li botshiwe kodwa, la boboka. Base be li sekela ngo mhlabati-ke. Yonke leyo nhlabati yā tutwa; ya yo telw' egodin' eNkandhla.

Ituna la biyelwa nge zibonda ze mit' emilayo, nxa zi gxunyeke. E ya tshalwayo, umsinsi, no mhlonhlo, no mumbu, kanye ne minye-ke.

Ngo kuboboka kwe-mpi, iqale ya-lwa no Hatshi, no Yamela, no Siyunguza, no Mavumengwana. Kwa-f' abantu ba ka Hatshi a ba ngamatshum' amabili nom' a be matatu. Kodwa, lapa, ka si ku ngen' ezicin' eziningi-ningi zo bumpi e za landela loko.¹

¹ B. kk. 206-208.

39

EMAKOSINI

Izwe la kwa Zulu la qoqelwa ndawonye uTshaka, wa l'enza la ba linye. Kuqala, la l'akiwe izizw' eziningi, ezahlukeneyo; leso si ne nkosi yaso, na leso futi si ne nkosi yaso.

Inkosi ya kwa *Mtetwa*, kwa ku uDingiswayo ka Jobe; e ka *Ndwandwe*, ku uZwide ka Langa; e ka *Qwabe*, ku uPakatwayo ka Kondhlo; e ka *Cunnu*, ku uMacingwane ka Luboko; e ka *Tembu*, ku uNgoza ka Mkubukeli; e ka *Ngwane*, ku uMatiwane ka Masumpa; e ka *Langeni*, ku uMgabi ka Mbengi; e ya *sEmbo*, ku uGewabe ka Mavovo; e ka *Cube*, ku Mtsholozwa ka Dhlaba; e ka *Zulu*, ku uSenzangakona ka Jama. Njalo-ke futi na kwe zinye.

E si ka Zulu-ke sona sa si sincan' impela, si nge na mandhla; sa si konz' enkosini ya kwa *Mtetwa*. [*B. uBaxoxele*, kk. 33-36.] Nga leyo nkati, sa s'ake esiqintaneni okutiwa ku se*Makosini*, izwana la nga seMpembeni no Mkumbane, imfudhlan' e ngen' eMfoloz' eMhlope (ngaseningizimu kwayo). Indawo le, ya se*Makosini*, i ngasentshonalanga kwe la seMahlabatini; eduze kodwa nalo.

Le ndawo-ke ya se*Makosini* iyo lap' uZulu u-ye w'aka kona, ngo kwahlukana kwake no mnewab' u*Qwabe*. [*B. uTulasizwe*, k. 90.] Uze wa-fela kona-ke. U se lahlwa kona ku leyo ndawo-ke. Na bā landela yena, amakos' amany' e sizwe sa kwa Zulu, a tshalwa kona lapo, bonke, —oNtombela, no Nkosinkulu, no Mageba, no Punga, no Ndaba, no Jama, no Senzangakona. Sekuze ku-tiwe-ke ku se*Makosini* ngako loko.

Kute-ke kodwa, se ku ku Tshaka, kwa kaula manj'

umlalane nje omdaladala, o hlal' izinyoka, ne zintulo, nani-nani, izilwan' e zi nga tintwa muntu; ngoba naku, pela, zi ngamatong' a lab' abakul' a se ba-fa.

iNkosi ya maNgisi (uKwini) ya i nga tandi nakancane ukuba le ndawo i be ngapandhle kwe-zwe la kwa Zulu; y-enziw' amapulazi. Kw'ona yen' uDinuzulu e no yis' uNdabuko, bon' a ba mem' amaBunu ba-ti ma zo kw-elekelela nxa ku-lw' uSutu no Zibebu. Nembal' a fik' amaBunu; e-lekelela; w'ahlulw' uZibebu, eTshanini. Ayes' e biz' amapulaz' abo-ke, la a ye-te uDinuzul' u zo ba nika wona.

amaNgisi indaba a yi ngene kamuva, uDinuzul' e se y'onile; ne ndawo ya seMakosini le i si buyele nga sema-Bunwini, sebe yi dabulile, ba y'enz' amapulazi. Babeyate ba linganis' uku-yi-tenga no ku-yi-hlanganisa ne-zwe la kwa Zulu, a ngab' amaBunu. Kwā gcina lapo-ke. A-ti kodw' amaBunu, amatuna ka ba ku w'enza luto; a zo zi hlalela nje,—njeng' e li ka Tshaka, lona li zi hlalela kwa Dukuza, kant' indawo i si yak' idolobo la beLungu.

40

IZINKOMO ZO MZIMU

Izinkomo zo mzimu za zi qutshwa zi wel' uMzinhlanga, zi wel' iNdhlovane, zi wel' uMhlatuze, zi wel' eNgwegweni (o pum' eTalen elincane, u bu su yo ngen' eMhlatuze). Se zi fika kwa Nkomonye, umuzi ka Ndunge¹ ka Manqe ka Jama. Zi nga fika lapa kwa Nkomonye, se zi teta-ke. Se zi lala. Ku ya-sa, se zi hlatshwa, zi be mbili.

Abet' amakosi, lap' e tukutelayo, e-ze lapa kwa

¹ W-elanywa uSigoloza. B. k. 217.

Nkomonye, abes'e zo hlala kona, a biz' ukudhla. A zo tata bon' abafobabo (ā se be-file). So ku butana izwe lonke la semaCubeni, oSigananda no Lurungu (a ba kw-az' uku-bonga), no Mgazi ka Mnukwa.

Amakos' a ye hlala kwa Nkomonye. A be nga-yi kuyo yonk' imizi. A hlal' emtangeleni. Se be pum' abesifazane be yo lala kwe miny' imizi; ne zingubo zo kubinca (izidwaba), ne zingubo zo kwembata, zi-siwe emfuleni. Ba yo kw-embata, ba hlonipe.

Se be zo tatwa (ku tatw' amakosi) nge zinkabi ezingamatshum' amabili, a ne zinkab' ezine. Amakosi ka konjwa ngo munwe, ku ya fumbatwa. Ku nga dondolozelwa nge nduku futi. Lowo, u ya fika, u ya kuleka, u-ti: "Bayede!" e-tsho kakul' impela; a memeze. Ba kuleka nje, ba zi pakamise zombili izingalo. Se zi ya hlatshwa-ke kusasa. Zi hlatshwa zi be mbili.

So kw-enziwa irubo, ukub' amakos' e se tatwa. Ku-tiwa:

"Ha! Naziya! Hoyi. Ba lele!
Zhi—i—ihi.
Naziya! Wo—hi. Ba lele!"

Ku sa-tshiwo njalo, a seti nje nya! So ku bonwa ukuba ku umtangala wodwa. Se zi hlatshwa kusasa; ā sa bonwa-ke, a sete nya. A nyamalal' emini, ku 'bekiwe nje. Ingani ku rutshwa nje, a kona. Ku rutshwa nje, a luhlaza, ate cwe. Ku kon' amabal' amnyama na luhlaz' entanyeni.

Bayauti be komba nge zinduku, sekuti nya! Ba nga kombi wona; ba komb' eMahlabatini, lap' e qamuke ngakona. Ku vunule wonk' uZulu; ba twel' imqele na mabeqe.

Ku rutshwa nge lakuqal' ilanga; i-ya nga maviyo. Ku ya-sa kusasa, sokute nya. Se ku hlatshw' izinkomo.

Se li sibekela-ke. Se zo-pulwa (izinkomo) ntambama. Se li-na ; li nga dumi, li-ne nje. Sezize zi fike-k' izinkomo ngay' invula. Zi fik' eSizebeni, na kwa Nobamba. A zi uku-ya kwa Nodwengu, ku Mpande. A zi zakona. E za kwa Nobamba na seSizebeni.

Loku, o kwe zinkomo ze mzimu, ku kabili. Ku kodwa ma ku yo celw' invula. Zi puma kwa Nodwengu lezo ; zizoze zi buyele kona. Zi yo hlatshwa kona. Lezi, za kwa Nobamba, a zi-yi kwa Nodwengu. Ne za seSizebeni a zi-yi kwa Nodwengu. Ne za kwa Dukuza, ka zi-yi ; ne za soDhlambedhlwini.

Nxa ku tatw' amakosi, e buyiselw' ekaya kwa Nobamba na seSizebeni, kw-ahlukile ku no kucelwa kwe mvula, e celw' eMakosini (ematuneni awo). Uma ku celw' invula, ku qutshw' izinkab' ezimnyama. Ngo kufika kwaz' etuneni le Nkos' etile, so ku ketwa. A se bizwa-k' amakosi, ku-tiwa : "Woza ! Woza-ke ! Woza lapa," ukuba se ku celwa yon' invula-ke. Lezo nkomo-ke zi zo buyela kwa Nodwengu.

uMpande no Cetshwayo ba b'enze nje bobabili. Nxa amakos' e buyiselw' ekaya kwa Nobamba na seSizebeni, kwa ku tet' uTshingana ka Mpande, no Ndunge ka Mange ; ba nga biko oMasipula ka Mamba, no Ntshingwayo ka Marole, no Mfusi ka Manyala. Ba ba kona kodwa nxa ku celw' invula.

Nge-mp' enkulu ya beLungu, e ya-lwa no Cetshwayo (1879), izinkab' ezimnyama za-y' eMakosini, ku yo celw' ukub' amakos' a nga sali, a hambe nabo (yon' impi le—ka Cetshwayo—e zo ku-lwa). Kute, e se yi pak' iNgobamakosi, no Nokenke, no Dududu, wa-t' uCetshwayo : "Hambani ni yo lal' eSizebeni." uKandempemvu, no Mbonambi, no Tulwana, ba lala kwa Nobamba.

Ka kwabe ku sa buyela munt' emuva.

41

IZIGA—II

26. I MAGWALA mabili.
27. Umhlabati ka u noni.
28. Amahlay' a lal' insila.
29. Ukufa kwo muntu ku sezizweni.
30. Yek' ungoqo uku-zal' isilomo.
31. Ijubela la-dhl' indhlovu.
32. Iso elilodwa ka li pumeleli.
33. Ofelweyo ka banjelwa mazwi.
34. Isipukupuk' e sa-dhl' amahlul' o mkaza.
35. U yo buya wedwa njenge ngubo ka Ziyongo.¹
36. Ingwe i-dhla nga mabal' ayo.
37. U bodhlel' emswanini.
38. Imbuz' i gudhl' iguma.
39. Isigubu e si nge na butumbu.
40. Ngo tela muva njenge mbumba.
41. Umqungo we qil' u palele.
42. Umvundhli we mbanda ka sweli luto.
43. Umendo, mntanami, umkumula-nsika.
44. Namuhla kw-ahlukan' inhloko ne sixanti.
45. Amajub' a hlala ntendeni kwa Mtetwa.
46. Ukufa a ku keti ; ku-dhla fumuka, ku-dhle mlaza.
47. Isiquzi e si nga-dhli nselwa za muntu.
48. Tokolo, temba, amatunz' a y'ehla.
49. U ya del' umuvi, wona wa zi bopa nge xama kwa bonakala.
50. A kuko ntomb' i yo gan' inyamazane ; z'al' abantu, zi-y' ebantwini.

¹ B. uBaxoxele, k. 30.

42

IZIBONGO ZI KA DINUZULU—IV

Izizwe zonke zi ya m buza,
Zi-t' : "uMamong' ¹ u ngakanani ?"
uMtent' o hlab' u sa mila.²

Insimu yakwabo ka Kambi ;³
I vum' amanhla, ya vum' amazansi.⁴
U tukutele, wa yo puma nge sikala se Ngonyama,⁵
E ya u'dabula ku Mlandu, e zalwa uNkunga ;
Wa puma nge sikala se Zungeni ne Hlobane,
E ya u'dabula ku Ndabankulu, e zalwa uLukwazi ;
Wa yi kip' e yo mnyateliso.
Wa ketelwa uLevisa, kwa bamhlop' abeLungu ;
Wa ketelwa uLukazi,⁶ kwa bamhlop' abeLungu ;
Wa ketelwa uNkosiluhlaza,⁷ kwa bamhlop' abeLungu.
Ngo mkumbi wako,⁸ pansu ku ka Ceza ;⁹
Wa wu waka, wa yi tukulula ;
E ya ku yi 'bekisa ku Mantanga,
E zalwa kwa Kanyile ;
La kwa ket' amatons' e silimela ;¹⁰
E ya ku yi dhlulisa ku Sinquma,
E zalwa uMvamane,¹¹

¹ O ku caza lel' igama ku ku *Tulasizwe*, k. 118, c. 2.

² Lu kona na kwe zi ka Tshaka uhlamv' olunje.

³ Ku kulunywa nge nsim' e ya i kona ; lawo mabel' a-dhliwa.
uKambi u zalwa uHamu.

⁴ Ya vum' uku-mila ; i mile kakulu.

⁵ Si nga seMfilidi (*Vryheid*) leso sikala.

⁶ = *Lucas Meyer*, iBunu.

⁷ = *J. C. Krogh*, iBunu.

⁸ Ukubabaza ukuba nzima [*B. c. 3, k. 227*] ; ku kulunywa ngo nyaka ka 1888.

⁹ Intab' enkulu, e ne hlali, ngasentshonalanga kwa kwa Nongoma.

¹⁰ La paqaza, la ket' amatonsi, la pendula ; kwa-f' abantu amakaza

¹¹ Wa semaNgadini.

La kwa ket' amatons' e silimela.
iNtukuzo ¹ yakiti,
I bi tukuzwe nga bakit' eKutshumayeleni.²
Ngo mkumbi wak' ³ omnyama,
Eceleni kwa bafana ba ka Mlonyeni.⁴
Uye wa dabul' eMantungweni ;⁵
Izalukazi za seMantungweni za m hlangabeza,—
Kāb' a sa zi nika mlomo.⁶
E ya u'dabula ku Sonketshana,
E zalwa uNgqengelele ;
Na namuhla loku,
Abafana ba ka Sonketshana ba nga vuma,—
Ba-ti : "Yē dhlula lapa insizwa ye Nkosi,
I pet' ibotsho, i pet' irau."
uMgenuli ⁷ wa maguma,
Ku ya u'sal' izimpahla ;
Zi ya u'sala zi ba haula ;⁸
Na namuhla loku,
Abanin' iMpembeni ⁹ ba mangle.
uMagalel'-a-gase,¹⁰
Njenge nkosi ya maNtshali ;¹¹
U gasel' uZibebu kwa Ndunu.¹²

¹ Ukufihla ; uDinuzulu wa fihlwa, ngob' uZibebu e se yi tshise yonk' imizi ka Cetshwayo.

² Umuzi ka Mnyamana, undunankulu ka Cetshwayo.

³ *B. c. 8, k. 226*.

⁴ eKubazeni, eMashini ; esizweni si ka Mnyamana.

⁵ Umuzi ka Mnyamana.

⁶ Uku-zi-kulumisa.

⁷ Uku-wa-wisa.

⁸ Uku-m-haukel' umuntu, ukuti wa hlupeka.

⁹ Intaba la kw-ake kon' iMpangiso, umuzi ka Tshaka.

¹⁰ Uku-yel' umuntu, a-lwe naye.

¹¹ = uMagalela.

¹² Kwa Ndunu, ku kwa Nongoma, pezulu ; eduze na la kw-ake kon' inkantolo. Wa m gasela lapo ngo 23 June, 1888.

uMatshitshilizi,¹ o nga zindhlovu
Zi ya uku-dhl' amaganu² kwa Nongoma.

uJam' ³ u nguHlangabeza;

U hlangabez' izihlangu za Mankentshane,⁴
Okalweni lu ka Nongoma.

uSibamba nkunzan' a ba y'esabayo.⁵

uMatanga dabul' ulwandhle,

Nge mvula ye zinyembezi.⁶

U ya jabula,

Mfazi wa petsheya kwo lwandhle,

Wen' o bon' itole la ko ka Msweli;⁷

Liyoke li w'apul' amany' amatole.

Gqabula tole!

Amany' amatol' a onin' a sa kulekiwe.⁸

43

AMAQAW' A KWA ZULU: UDIYIKANA⁹ KA HLAKANYANA

(wa semaMbateni)

uDIYIKANA wa zalwa uHlakanyana; e nge nkosana,
inkosana uLukwabiti. uLukwabiti wa zal' uNhliziyi.

¹ Uku-tshitshiliza úku-hamba kakulu, ngo kufinyela, ngo kutshe-tsha; imp' i nga bonwa muntu.

² Ku-tshiw' abantu ba ka Zibebu, ba kwa Mandhlakazi.

³ =uJama.

⁴ Ibuto li ka Zibebu.

⁵ uZibebu lowo.

⁶ Abantu bake bā kala kakulu ngo kumuka kwake e-y' e-Saint Helena ngo 1889, e hamba nō yise, uNdabuko no Tshingana.

⁷ Unina, uNomvimbi. B. uHlangakula, k. 143.

⁸ Lol' uhlamvu lu kona na kwe zi ka Qetuka izibongo; uQetuka yena wa si nikwa uCetshwayo nge-mpi ya seSandhlwane.

⁹ B. uHlangakula, kk. 132-142, la ku kulunywa ngay' uDiyikana lo, no Magolwana.

uLukwabiti no Nhliziyi ba ba uMdididi ka Ndhlela;¹
ba hamba no Ndhlela, be-ya nga seMaqongqo. uDiyi-
kana wa buyela nga ku Mpande.

Se be landwa-ke uZokufa, uyise ka Sigananda, wa
semaCubeni. Kanti, u ba landa nje, ba za uku-fa. Ba
be nga se ku buya bonke a ba landwe uZokufa; base be
zo hlala kona le. uGodide ka Ndhlela naye, wa landwa
uZokufa. Ba b'esab' uku-buya; b'esab' uku-bulawa.

Ngo kufika ku ka Lukwabiti, u se ba neom' uDiyi-
kana, u-ti: "uZokufa u se buye nabo bonke." I ya
buza-k' iNkosi, i-ti: "uNhliziyi naye u kona, wā sinda
na? uGodide u kona nje na?" "Ba kona, Nkosi!"
I si-ti: "Hamba-ke, u yo-ti ka b'ake. Ba buye naz'
izinkomo na?" "Ba buye nazo, zi ncane; ka zi nga-
kanani." Kanti, u ya zi fihla; e bona zi ziningi, zi utshani,
zi fika ne nkosana.

U se saka-ke;² se ku hlaliwa nje. U se ba biza-k'
uMpande. Se be-ya-ke. Se be ya fika, no Godide, ba
bizwa langalinye bonke. I si buza-ke ku Nhliziyi,
(uLukwabiti se ku lixegu; a li sa hambu; u se kulunye-
lwa) i-ti: "Izinkomo ni buye nazo zo bukosi, o wā u
wele nazo na?" U-ti: "Ca, Nkosi; za sala ku mfana,
uDiyikana." Y'etuka-ke iNkosi. I-ti: "Za sala ka-
njani? uDiyikana wa ye naz' izinkomo na?" U-ti:
"Wa ye nazo, ngoba wa zi tata zonke; wa baleka nazo;
ze-za kuye." Ya-t' iNkosi: "Ze-za kanjani ku Diyi-
kana na?"

U-ti-ke uDiyikana (ngob' u kona naye): "Ze-za
kanjani kimi? Kanti u sa vus' umbango wa bantwana
ba ka Senzangakona na? Wā-ti u wela nazo, nga ngi

¹ Amazwi a casisa loku a ku k. 234.

² Ukuti: U se aku-ke. Ku fakw' u-s, ukuba ikona ku yo-zwakala kahle.

nga hambi ne Nkosi ini na? Ingati na ni hamba ne nkosi yenu na? uMpande e nge na nkomo na? Mina nga ngi zi tetepi? Lok' uMpande wa ye nge nazo na? Ingati na tata izinkomo o ku ngezena na? Na kukula na? Ukuba ni uMdidi ka Ndhlela na?"

I si-t' iNkosi: "A-ke ni tule, ngi ni lamule." Se be ya tula-ke. I si biz' uGodide-ke. I-ti-ke: "Wena, Godide, u buya naz' izinkomo na? U bu nga sa ngi kumbuli ngani na?" U-ti: "Ngi ku kumbule, Nkosi, ngi nguba na?" I-ti-ke: "Wo! Hamba-ke, Godide, u yo kw-aka lap' u tanda kona. U nga b'u sa-y' emanxiweni a ka yihlo, a ka Ndhlela; a wa seko. Ngi ku biza nje, Godide, ngi ku bizel' intombi ka Manqondo, uVongoyi."

I-ti-ke: "Weu! U ya bona-ke Diyikana, hamba-ke, u yo ku-m'bekel' inxiwa, uNhliziyi; indawo i si ngeyako; a ku yake. Se ku umuntu wako. Izinkomo lezi a fika nazo, u zi tate, ku be ngezako; u mu-pe amatshum' amatatu." uNhliziyi u se-ti: "Hau! Angasita! Kanti u ngi landela ukuba se ngi zo bulawa na? Loku uDiyikana ilok' a ba no mlandu we zinkomo zakwetu na?" U-ti: "Ezakhweni! Za zipi na?" U-ti: "Wa ye nge naz' izinkomo; ngezakhwetu." I-ti-ke iNkosi: "Suk' u hambe; ka ngi se ku ku-bona; a u se ku-za lapa. Hamba-ke, Diyikana, u yo lungisa." U se suka-ke njal' e hamba.

I si buza ku Ntshingwayo ka Marole: "Wa ye nge na mfana ini uNhliziyi na?" "U kona, Nkosi, umfana wake; ku-tiwa u sekaya konina." "Munye na?" "Qa! U kona; babili. U uTulwan' omunye, o ku uyen' omdala." I-ti-ke: "Hamba-ke, u m 'bekel' indawo yo kwaka. Kodwa mina ngi ya bona ukuti ka ni sez' uku-hlala kahle naye; u pet' umlandu."

uNhliziyi usesuke wa hamba, e xotshwe iNkosi. U-ti-ke uMasipula: "iNkosi ya ba data na? Loku, u sa pet' umbango; u ya banga. A nga ye suka lapa; a-ke kwe liny' izwe." I-t' iNkosi: "Ingani se ngi m nik' uDiyikana, nga-ti ka zi tate zonk' izinkomo?" U-t' uMasipula: "Ka ku vuma nazo; ngob' imp' a fika nayo i nkulu." I-t' iNkosi: "A ng' azi-ke, ku yo bona nina; mina ngi-ti ka m suse." Se ku ukupela-ke njalo.

U se buy' uDiyikana. U ya fika, u se yi biz' impi yakwake. I si nqaba; i si-ya ku Nhliziyi, enkosini. "Kuzauti ku fik' inkosi yetu, ekade si yi funa, se ku fike yona njalo, si zo kw-enzani ku muntu na?" Ha! Mamo! U se ponseka ku Masipula uDiyikana; kwa Nodwengu. U se-ti: "Nans' impi i si zo ngi vimbezela!" "U zi tet' izinkomo na?" "Qa! Impi i vimbe nge mkonto; ba-ti, se ku fik' inkosi yabo. A ba ng' azi."

uMasipula u se kupuka naye, e se-y' eNkosini. Isi-fik' i-t' iNkosi: "A ku pum' uNodwengu, a yo tata lezo nkomo; a zi lete la. A nga fik' a nqabe nazo-ke, a ng'azi-ke; u se ya u'tshon' odongeni." Bala-ke, i si ya pakwa-ke. Ngo kufika kwayo, u nqaba nazo. Amaviy' ake matatu; e li hlembuka ku Diyikana leli lesitatu. La, a puma kwa Nodwengu, mabili. Wo! I si ya zidhla-ke. Se be ya puma-ke be-ya u'z'eqela. Se ku-ba ukupela-ke njalo.

I si ya m gwaz' uNhliziyi. I si bulal' uMhlanga ka Ntabi. I si ya m bulala nay' uLukwabiti. Se be ya citeka-ke amaMbata, saka! A se wel' iMfolozi; e wel' uMzinyati. Nank' eLenge; na lap' eMzinyati, eQudeni, ku Mbuzo,—amaviy' amatatu, a ba citekayo. Se be citek' abanye be buyela ku Mbuyazi, e ngumntwana.

U se ngenisa-ke uDiyikana; u se l'aka-ke; u se ba inkosi-ke. No Masipula, kwa ba njalo. uMpande kodwa

kā m bulal' uSitshaluza, umnewabo. U se-ba inkosi-k' uDiyikana. Useti, ukub' a kul' uMakubalo, inkosana ka Nhliziyo, u se m landa. Usefik' e ngaba, e-ti: "U za u-ngi-bulala. U ngi lingis' ubaba; o wa m yēnga, kant' u za u-m-bulala na." U se hlala kwa Makoba; usez' a butwe, a be uDhloko.

Isilok' i m buz' iNkosi uNhliziyo. I-ti: "Upi na?" Ba-ti: "U sekaya ko nina, kwa Makoba." Isiz' i-fe nje iNkosi. Sekuze ku-f' uMasipula. U se buya namhlanje, ngempi ya beLungu (1879). U buya ne miz' embili yakwake.

uDiyikana wa ye iMpohlo. Wa butwa uDingana. Wa ye iqawe elikulu. Amanxeb' ake matatu emzimbeni, amakulu; a zibakabu. Elinye li sekanda, pezu kweso la nga kwesokudhla, laze laya la puma nga sendhlebeni; elinye li sesifubeni, pezu kwe sibele, laze la pum' ehloombe, nga kwesokudhla; elinye li sesiswini, nganxanye, laze la puma ngemuva, lapa ku gcine kon' izimbambo; lā tungwa-ke lelo ngo singa, amatumbu a gezw' a gezwa, a buyiselwa. Onke la manxeba a wa langalinye; mhla impi ka Dingana i hlasel' uMzilikazi ka Matshobana, eSinqeni.

Ngoba lapo, kwa ku kon' inqaba. Ba m gwaza ku leli e li sesiswini, se be vulel' izinkomo. Baqale ba m gwaza ku lel' e li sesifubeni, se be ngapakati ezinkomeni. U set' uku-beka lapa pezulu (ngoba ba gingqa na matshe), kant' u se ponsekile omuny' umfo ngapambi kwake; u se m gwaz' ebusweni. uDiyikana u se wu donsā, e wu kumula. Kute, e sa wu kumula, base be fak' esiswini kuye. U su-wa-ke lo mkont' a wu kumul' ekanda. Ngo ku-wu-kumula kwake, u se funyanis' umfokazi e gwaz' omunye wa kwo Diyikana, iMpohlo. U funyanis' e m

gwaz' e m qeda. U ya fik' uDiyikana, u se wu fak' emahlombe. U se wu kumula lo, o bu gwaz' owakubo; e nga ka-fi.

Kaz' a-fa-ke lowo. Wā puma na banye, ne zinkomo. Se be puma njalo, i si ngene ngapezul' enye. I si kumuka-ke, le e bi gwaz' oDiyikana ngapansi. Eyakiti i si kalis' isifazana ngemuva. Ngabe oDiyikana ka bako, ba be nge ku-puma, ukuba ka yi ngenanga ngapezulu enye yakiti.

I si kumuka le e nga k'oDiyikana, ngob' i-zwa si kal' isifazana; abakiti bedē be-ti: "Nga-dhla! Nga-dhla! Nga-dhla!" Ukupuma kwabo-ke. U se puma nawo-ke umkonto o bu gwaze lo wakubo, iMpohlo. Se be puma be bomvu nga manxeba; ba puma nje, uDiyikana u bulele batatu be sa ngena, be nga ka m gwazi. E ngapezulu impi, ya i ba ciba; ba pons' izinkemba; ba gingqa na matshe. Uze wa-f' uDiyikana ū kona kuye lo mkonto we zizwe.

Se be m twal' uDiyikana abakubo; ba twala na bany' a ba limele, izigoga (izinkubele). Se be m tunga-ke; ba bopa nge sikumba se mbuzi; ba gez' amatumbu, ba wa buyisela pakati. Se be m tunga ngo singa; ku bulaw' izinkomo. Wa sinda iloko-ke.

Zi ningi izimpi o wa ye zi-lw' uDiyikana, kodw' amanxeb' ake kwa ba nga wa seSinqeni kupela. iZimpohlo za zi-lwa yonk' indawo.

uDiyikana wa ye lurazula, e mude, e ne mlenz' emkulu. Na bantwana bake futi, bade. Nxa e bongwayo, ku-tiwa:

iNtakansinsi! ¹

E hlal' umhlanga wa kotama;

¹ Kwe zi ka Dingana, ku kon' esokuti:

"Intakansinsi zi hlangene pezulu,
A ngi qedi ne zo kw-apuk' upiko."

uMali we ndima, ngob' u ya z'alela; ¹
 uBababa! ² Kugwaza. ³
 uMadelis' inkemba. ⁴
 A si nik' uMhlahlandhlela. ⁵
 iNjubamiti, ⁶ iyo hlal' i hluma.
 iNqindi ⁷ lakiti; kwa Nomgubu; ⁸
 O-ze na matol' emabil' eSingeni. ⁹

UMDIDI KA NDHLELA:—A ba ka Senzangakona, oMpande, bā-ti, umunt' oseleyo, kā hamba uku-y' oBonjeni no Dingana no Ndhlela (nxa se be xotshwa amaBunu), *uMdidi ka Ndhlela*. Ukuba ku vel' igama li ka 'Bekeyahlulwayo. Se be bulawa lab' a bā salayo. Seku-tiwa oBekeyahlulwayo. Ba bulawa uMpande, e se buy' eMaqongqo. Inqindi uNdhlela uyen' o wa siz' uMpande, e se za u'bulawa uDingana; wa nqaba naye.

Umdidi ka Ndhlela ka u welanga uku-z' eSilungwini. Umdidi lo, wa u sezweni lonke la kwa Zulu, ku-tshiw' umuntu o wa ye nga welanga no Mpande, no wa ye ngeko nga ku Dingana. U se-ti: "Ini ukuba ku mnwetu ba nga hambile, na kimi ba nga hambi na? Kanti, oBekeyahlulwayo." Se be ya bulawa-ke,—be gwazelw' ezindhlini, ne zingane zabo; ku nga sali luto. Ba nqamuka; abanye ba wela, ba-y' eSilungwini. amaMbata ā wela kakulu. Ba qond' eLenge, na seNdaka. Kwa bulaw' inkosi yabo, uLukwabiti lu ka Nkomo; wa bulawel' eZihlalo, eMhlahlane (o ngen eMfoloz' eMhiope).

Kwase ku tukwa yen' uNdhlela, o wa vus' uMpande, wa-ti ka wele, u za u'bulawa. Kant' uNdhlela u m vusa nje, kaz' uku-wela naye. U zo hamba no Dingana, ngob' e induna yak' enkulu.

Abafazi ba ka Ndhlela, umtshazo we nkomo a ba sa wu-dhli, nom' i hlatshw' ekaya, ngoba bā tukwa, kwa-tiwa: "Nank' uMdidi ka Ndhlela!"

¹ Isiga.

² Lap' e giyayo, wa ye zi tshaya nge sandhl' emanxebeni esifubeni, elok' e-ti: "Ba! 'Ba! 'Ba! 'Ba!" B'amukele-ke abanye, nabo se be-tsho loko be-ti 'Ba! iNkosi-ke yona i si hleka; i si li komba ngo munwe iqawe layo.

³ Ukuti 'Ba loku, sengati ku suk' ezibakabweni (amanxeb' amakulu) a kuy' emzimbeni, e-mpi ya kwa Mzilikazi—amanxeb' o kugwaza.

⁴ A ba kwa Mzilikazi ba be hlome izinkemba.

⁵ Umuzi ka Mzilikazi.

⁶ Uku-juba, *uku-nguma*.

⁷ Wayes'e inkab' emangindi ngak' ukugwazwa kakulu loku.

⁸ Umuzi wake.

⁹ Lapa kwa pela kon' uZulu, e-lwa ne ya kwa Mzilikazi, ya seMhlahlandhlela. Ku-tiwa iSinqe intaba; ya i ne nqaba.

44

IZIBONGO ZI KA LANGALIBALELE ¹

uMDINGI ² ka Jobe! ³

Inkos' e na manxeb' e mikonto,

Y-embat' umkonto njengo bedu.

Lab' a ba ka Qili, ⁴ be-za be nhliziyo zimnyama,

Bati be wu tata, be wu kanandela; ⁵

Be-ti ka na nyongo, ka na mehlo,

Kant' uyena e mhlehl' o-babakazi. ⁶

Nsimu za yi-dhl' amazansi, za yi tshiy' umunhla;

Ibe i lindwa uSeketwayo. ⁷

Nyama ya mazimu

Ka Mahlapahlapa, be no Duba,—⁸

¹ Ka Mtimkulu ka 'Bungane ka Nsele ka Matshiyi ka Dhlomo ka Radebe, we semaHlutshini. Igamu lake lempela kwa ku *uMletwa*, be m qamba ngo Dingiswayo ka Jobe, wa kwa Mtetwa. uDingiswayo, e se zo bulawa uyise, w'eqa kwa Mtetwa, wa hamba waze wa fika ku yise ka Langalibalele (uMtimkulu); wa konz' emaHlutshini. [*B. uBaxoxele*, kk. 17, 18]. Ukuti "Langalibalele" loku, ku-tshiwo nge ndhlala e ya i kona ngo kuzalwa kwake; *la balela kakulu*.

² Na lapa futi, ku-tshiw' uDingiswayo. Wa zalwa nyakan' uDingisway' e pindel' ezweni lakubo.

³ Lapa-ke ku-tshiw' uyise, uMtimkulu; lel' igamu lake li fana ne li ka yise ka Dingiswayo.

⁴ Abantu ba ka Duba. B. c. 8.

⁵ Ukufisa; be fis' uku-m-bamba.

⁶ Omkul' obanzi.

⁷ Ka Nhlaka ka Dikane. Nxa amaHlubi e hamb' e yo konza kwa Zulu, a ye dabul' esizweni sake.

⁸ uLangalibalele wake wa banjwa amazimu, e se ibungu. uDuba lo, u zalwa uMtimkulu; unina kodw' e lizimu. Useti-ke uDuba, ngob' e bona loko, u se-t' emazimeni ma hamb' a yo bamb' uLangalibalele, ikon' inkosi ya maHlubi ku zo-ba uy' uDuba. Nembal' a m bamb' amazim' a ka Mahlapahlapa, a muka naye; a mu-sa ngapetsheya kwo Mzinyati. Amantombazan' a ka Mtimkul' amabili a se tshel' uGxiva, umuntu wakubo, kwa Radebe.

U se hamba-k' uGxiva; waye wa m tol' uLangalibalele. Wa bon' amazimu e se m pucil' ekanda; so ku bonakala ngako loko ukuti kanti



uLANGALIBALELE KA MTIMKULU
(inkosi ya maHlubi).

"Inkos' e na manxeb' e mkonto;
Y-embat' umkonto njengo 'bedu."

Be yi-dhla, be yi donsisana.
iSigoloza si mehl' angolo ;¹
E si kangel' umuntu, sa nga si m jamele.
Mwelela kwe lipetsheya !²
Sigxa³ si mnyama, ne mizi yake.⁴

45

UKUKUNGA KWE NKOSI

Ku zo suk' iNkosi [uCetshwayo] i qonde kwa Ndhlayangu-bo,⁵ eMandawe, eMateku,⁶ i puma kwa Tulwana. I ya u'lala ku mfowab' uSiteku, eNtembeni.⁷ I si dhlula no Gaozi ka Silwane, no Siyunguza, no Mgitshwa ka Mvundhlana. I si ya u'lala kwa 'Kiyaza (umuz' omdala ka se be qond' uku-m-bulala, ba mu-dhle. U se-ti kuy' uGxiva : " Baleka ; ngob' e se kw-enze nje amazimu, a se zo ku-dhla ! " U se baleka-ke. Ut' e fik' eMzinyati, wa u fuman' u gewele. U se welela ngapetsheya, ngob' amanz' u ya w'azi ; u inhlambi enkulu. U baleka njalo, amazim' a ya m landela. At' e fik' emanzini, a-hluleka kodw' uku-wela. U se qond' ekaya-ke uLangalibalele. Ukusinda kwake-ke njalo.

¹ Wa ye na mehl' amakulu, a pumelele.

² Ukuwela kwak' uMzinyati kad' e tunjwe amazimu.

³ Isixa. La imiti ye hlanze i mningi, i minyene kona.

⁴ Indaba ka Langalibalele ne sizwe sake sa semaHlutshini inde, kakulu le ye-mpi e ya-lwa na beLungu ngo 1873. A si na ku-yi-ngena kodwa manje. Si nga-ti nje, nga leyo-mpi, wa baleka ne sizwe sake, wa dundubal' oKahlambeni, e hamba na bantu ne zinkomo zakwake. U se banjwa-ke lapo, nga kwo Molapo, indodan' enye ka Mshweshwe, inkosi ya beSutu ; kwa-dhliw' izinkomo zake (7,000) ; ezinye za-piwa bon' abeSutu. Kwase ku tetw' icala lake, eMgungundhlovu. U se botshwa-ke. We-siw' eKipi. U hlale wa hlala kona, kwase ku-tiwa ma pindel' eSilungwini, ngo 1886. U-fel' eduze na seMtshezi, nga kwa Ntabamhlope. Wa lahlwa kona (1889).

uLangalibalele ku-tiwa wa ye ne miti ye zulu, e kw-azi kakul' uku-li-nisa [B. k. 164].

⁵ Nga semanxiweni a kwa Bulawayo (kwa Gibixegu) [B. uTulasizwe, kk. 18, 19].

⁶ Umfudhlana, la kwa tshalwa kon' uNandi. Na namhlanje, nxa ku fungwa yena, ku-tiwa : " Ngi fung' uNandi e seMateku ! "

⁷ Ngapetsheya kwo Mhlatuze, endawen' e seduze na kwa Magwaza.

Tshaka), no wa kwa Wambaza,¹ na seMkindini.² Izikulu zi hamba ne Nkosi nje, zi-za ne zinkomo. Bonk' abantu ba lezo zifunda b'enza loko.

Ku menyezelwa nge-ny' inyanga, ukut' "iNkos' i za u'fika lapa; i lale lapa; i lale lapa." Lezo nkomo se zi zo kw-enziwa amaqabi; 'a zo sisw' ezintabeni, a bekw' ezikulwini. Lez' izinkomo e za maduna wodwa; ayik' e ye nsikazi. Loku-ke ku-tiwa *ukukungwa kwe Nkosi*.

46

IZIBONGO ZI KA NZIBE KA SENZANGAKONA

[“Wā-t' uMpande, lapa ku vulw' amakos' a kwa Zulu, a vulwa ngo Nzibe, . . . nxa umunt' e bonga ku-dhliw' ukudhla.” B. k. 111.]

uNOM'BAMBAMAJOZI,³ ka Qengwa! ⁴

U bukudis' abant' esizibaneni,

Ize ⁵ ba tshone ne zinjotshana zabo;

uMsuka ⁶ we zul' elipezulu.

uSompomp' ⁷ o-dhlel' endhlebeni ye ndhlovu,⁸

Unyakawumbe ⁹ u zo-dhlela kwe ye ngonyama.

uSoketabahle na ¹⁰ seMnyameni.¹¹

¹ O ka Ngwadi ka Gendeyana. B. uBaxoxele, k. 118, c. 2; k. 125, c. 4.

² La kwa ku hlala kon' uNandi, unina ka Tshaka,—eduze na kwa Bulawayo.

³ Ijozi izwa; wā wa bamba nxa beti ba m gwaza ngaw' empini.

⁴ uSenzangakona. Wē-tiwa uDingiswayo lelo gama. B. uBaxoxele, k. 33. Uku-qenga ūku-qoq' izinto zi buyele ndawonye.

⁵ uTshingana ka Mpande o wa-tsho kanje; u notis' izibongo ngo kwenze njalo. B. c. 9.

⁶ B. uBaxoxele, k. 13, 14, la ku kulunywa ngo msuka we zulu.

⁷ Abanye ba-ti u-Pompo. Uku-mpompa, uku-kuluma kakulu, njengo munt' o nge sabi luto.

⁸ Uqobo lwayo.

⁹ Na lapa futi ku kulum' uTshingana. B. c. 5.

¹⁰ Abanye ba-ti, nga.

¹¹ Umuzi ka Hamu. uHamu u zalwa uMpande, e m zalela yen' uNzibe lo.

O nkomo zi-dhl' eluBonjeni zi nga-wi,¹
Zi-dhla la be ku-dhla kon' amadube ne zindhlovu;
Zi njeng' e zi ka Ngudu, emaMbateni.
uNingizimu vimbel' inyakato.
uGwayis' iziziba.
Inkom' e kal' ehlungwini, kwa Mlambo.
iNgweny' e-dhl' umuntu, inxe i m linde.
uSihlangu si bukelwa undiyaza.²
uGogod' ³ o zi hluzayo.⁴
uMkon' u na magabel' a manxeba; ⁵
uMzimb' u na 'benge ⁶ la zita.
iNkayitshan' ⁷ encinyane, ka Menzi.
u'Cacaz' ⁸ imlambo i-tshe.
uJulubez' ⁹ amataf' a ku lingene.

47

IZIBONGO ZI KA HAMU KA MPANDE

uHAMU njenge mpisi!

uPuzi nabela kwa mkwekazi;

Abanye ba-ti, zi nga-fi; ngoba, pela, ku kon' ukufa ku lelo-zwe, *unakane*, o lu bulal' izinkomo; lu bangwa iz' izinyamazane.

² Undiyaza ka ku muntu, ūmuti; mukulu, ku xetshulw' amagxolo, kw-elatshwe ngaw' abantu nxa be gula. Lapa-ke, kut' uNzibe wa hlasel' ezweni la be nga bonakali kon' abantu; isihlangu sake-ke sa bukwa imiti nje yodwa (undiyaza lo).

³ U gogoda (uku-pala, uku-kukuza) nxa ukudhla se ku pelil' esitsheni.

⁴ Sengati loku ku-tsh' uku-zi-ncipisa.

⁵ Wa ye na manxeb' amabil' engalweni yo bunxele, ayeti ma fane ne migabelo ye sihlangu.

⁶ Umkont' a ba m gwaze ngawo, wā m sika kakul' emzimbeni, kwa njengo mbengo.

⁷ Ku vame kakul' emhlabeni ukub' abantu ba bongwe nge nkayitshane; futi, ku dal' impela; inkayitshan' inyon' encane, e ngango ngcede.

⁸ Uku-fohloza, behamba be fun' amanzi, ngob' imfula ya y-omile ku lelo-zwe.

⁹ Uku-jubalaza; uku-tatela ngamandhla.

uPuz' o lu hlanz' amagawugawu.

uMagimba,¹ o nge na buti ; ²

O nge njeng' o ka Sozacile,³ o takatayo.

uMagamundele ⁴ nge-xwa lake ;

O nge njeng' uMagamundele wa kwo Msiyana,

O no muti.

uNyosi za kwo Ngcobinga ; ⁵

iHwahwa li ka Menzi !

iNkom' e zungez' umhlanga ka Menzi,

Ibuy' i pindele kon' emhlangeni.

uMagimb' o nge na macebo ! ⁶

uSihlangu dabul' uMkingoma ; ⁷

iNkomazi ya kwa Ngenetsheni.⁸

iSigele ⁹ sa seKwandeni ; ¹⁰

Si 'bek' uMnguni, e zalwa uKondhlo ;

Wa baleka, wa bangazeka.¹¹

¹ Ngoba wa ye int' enkulu, ezimukile. Lel' igama wa li qanjwa uyise.

² Into, a takata ngayo umtakati, ku-tiwa *ubuti* ; *umuti* ó wo kwe-lapa, nxa umunt' e gula.

³ Wa ye kon' uMagimba ka Sozacile, indoda ya kwo Msiyana.

⁴ Uku-gamundela úkw-enz' isitiyo,—int' evimbelayo.

⁵ Ibuto le Zinyosi kwa ku-tiwa iNgcobinga be se inkwebane. *B. uBaxoxele*, k. 110. c. 1.

⁶ Ngoba wa ye kulum' e ng' esabi luto. *B. indaba yokuti: Uku-kuza ku ka Hamu . . .*, ku *Baxoxele*, kk. 200-204.

⁷ Isigaba sake, sa kwa Tulwana. Si kanye ne Nhlambamasoka. uCetshwayo wa ye iNhlambamasoka, *B. kk.* 183, c. 1 ; 184, c. 2. Indaba ya lol' uhlamvu i ku *Baxoxele*, k. 202.

⁸ Umuzi wake.

⁹ Umunt' o sicoco esiti a si be ngemuva kwe kanda.

¹⁰ Umuzi wak' omunye.

¹¹ E papatekile. Izindab' eziny' e zi pat' uHamu zi ku *Hlangakula*, *kk.* 112, 120 ; na ku *Baxoxele*, *kk.* 200-204.

1 0 JAN. 1936